



*“Olungileyo...uyakhula
njengomsedari eLebanoni”*

(Amahubo 92:12)

Umngani Ongafunda
Naye Incwadi

Izaga

Umbhali: Bill Daniels

Ihunyushwe nguThobile Nguse

*“Bafunda encwadini, emthethweni
kaNkulunkulu...bachaza, babaqondisa
okufundwayo.” (UNehemiya 8:8)*

Isandulela

O Ukwazi ukuhlakanipha. Impela ukuhlakanipha kwempela, ukuhlakanipha kukaNkulunkulu ophilayo. Kungukubheka okungcwele okungaholela omunye ekucosheni incwadi enjengalena. Kwangathi kungaba ukuthola okuhle kuwe mngani wami.

Incwadi ethandekayo yezaga yincwadi yoqeqesho, incwadi eyinkombandlela nenzuzo ngokwempilo phambi kukaNkulunkulu eveza okuvunyelwe kubantu. Yingxenye kaNkulunkulu ebhekene nokuphansi emhlabeni, engasebenza usuku nosuku. Incwadi yezaga akusikho nje ukuqoqwa kwendlela yabantu yokuphila. Abahlakaniphile bathola imigomo yezindlela ezilungile. Lapha kukhona ukuyala kukaNkulunkulu ukuthi ungabhekana kanjani nomntanakho, ulimi lakho, umlingani wakho, umngani wakho, izimali zakho, kusukela kumakhosi kuya kubantukazana.

Ngokusebenzisa ukuqhathanisa nokufanisa okukulamakhasi ezaga phakathi kokuhlakanipha nobuwula, ubumnyama nokukhanya, ubuvila nokukhuthala, impilo nokulimala, ngisho ukufa nokuphila, okuqonde ukucija amakhono empilo abalulekile okuhlola, into engasajwayelekile noma eyimvela kancane esikhathini samanje.

*“Ukuze umuntu kaNkulunkulu aphelele,
apheleliselwe yonke imisebenzi emihle”*

Bill Daniels

Abangani bebhayibheli bethu njengalona bayizichazibhayibheli ezilula, bakhuluma ngezincwadi ezahlukene zebhayibheli. Bakunikeza usizo lokuba ufunde ibhayibheli lakho ube nokuqonda. Ngale kokucabanga kuze kweqe. Lezincwadi ziyafundiswa, kuvezwe zisithinta kanjani thina, sezibe yisibusiso kwabaningi.

Abangani bebhayibheli abayizincwadi bayatholakala nakuziqephu zalezincwadi; Ugenesise, UJoshuwa, U-Ruthe, 1 USamuweli, 2 USamuweli, Izaga, Umshumayeli, Isihlabelelo sezihlabelelo, U-Isaya, UDaniyeli, UJona, UHabakuki, UHagayi, UZakariya, KwabaseRoma, 1 KwabaseKorinte, 2 kwabaseKorinte, KwabaseGalathiya, Kwabase-Efesu, KwabaseFilipi, KwabaseKolose, KumaHeberu, Isambulo. Iyatholakala nesihloko sithi “Kwethandekayo incwadi yezincwadi, ukuhlaziywa kwethestamente Elisha”.

Okuqukethwe

Isingeniso.....	1
Isahluko 1.....	17
Isahluko 2.....	27
Isahluko 3.....	33
Isahluko 4.....	45
Isahluko 5.....	51
Isahluko 6.....	55
Isahluko 7.....	67
Isahluko 8.....	75
Isahluko 9.....	81
Isahluko 10.....	87
Isahluko 11.....	95
Isahluko 12.....	105
Isahluko 13.....	115
Isahluko 14.....	121
Isahluko 15.....	137
Isahluko 16.....	149
Isahluko 17.....	163
Isahluko 18.....	173
Isahluko 19.....	181
Isahluko 20.....	193
Isahluko 21.....	205
Isahluko 22.....	215
Isahluko 23.....	227
Isahluko 24.....	237
Isahluko 25.....	247
Isahluko 26.....	257
Isahluko 27.....	267
Isahluko 28.....	277
Isahluko 29.....	289
Isahluko 30.....	301
Isahluko 31.....	313

“Ukuqala kokuhlakanipha
kungukumesaba uJehova,
nokumazi ongcwele kungukuqonda”

(Izaga 9:10)

Isingeniso

Umyalezo walencwadi ethandekayo yezaga ufana nesibuko lapho khona bonke abantu abahlukene. Kusukela kumakhosi kuye kubantukkazana abampofu bebona khona ukuphambuka kwabo mese bethatha isexwayiso kanye neziyalo endleleni kaNkulunkulu yokuhlakanipha okuphakade. Isithombe somuntu wesilisa nowesifazane oqotho sibekiwe lapha ukuze nathi sizosilandela. Lencwadi iyisifundo esithakaselekayo ngomuntu kanye nehayibheli nobuqotho. Ukulangazelela kwami kulencwadi yezaga kumi njalo, lesi sifundo ngiza kuso ngokuthakasela okukhulu. Kwizaga 16:27 sifundiswa ukuthi “*Umuntu omubi uphanda okubi*”. Okuphikisana nalokho, engathi singaba ngabagubha ingcebo yaphakade ngokufunda kwethu lencwadi. Sengithole usizo oluningi kaningi lapha. Sengitinyelwe, ngavukuzwa ngagqugquzelwa ngukuhlakanipha kukaNkulunkulu okutholakala kulamakhasi.

Umbhali

Inkosi uSolomoni yafakela izincwadi ezintathu encwadini Izaga, Umshumayeli kanye nesihlabelelo sezihlabelelo kwizibhalo ezingcwele. USolomoni wayeyinkosi yesithathu neyokugcina embuwsweni

ohlangeneyo kwa-Israyeli emvakwenkosi uSawuli noDavide. Ngaphansi kokubusa kukaDavide, mese kuba uSolomoni umbuso wakwa-Israyeli wawusebuhleni bawo, wanda ngokwendawo noma ububanzi kanye nengcebo emlandweni wonke wakwa Israyeli. Kwakuyisithunzi esincane sombuso kaKristu ozayo.

USolomoni wayengumntwana wesibili wenkosi uDavide no Bati Sheba, owayengunkosikazi ka-Uriya umHetii. Ngenkathi ezalwa watshelwa ukuthi inkosi imuthandile yamubiza ngegama uJedidaya, osho ukuthi “*uJehova wamthanda*” (2 USamuweli 12:24-25). Ngasekuqaleni kwempilo yakhe nokubusa kwakhe, uSolomoni wayithanda inkosi futhi wahamba nayo. Wathi eyonikela eGibeyoni inkosi yavela ngephupho kulenkosi eyayisanda kubekwa yathi makacele noma yikuphi akufunayo. USolomoni ngokuhlakanipha, wacela ukuhlakanipha azohola ngakho abantu bakaNkulunkulu (1 Amakhosi 3:3-9). Inkosi yathokoza ngesicelo sakhe esasingesikho ukuzicabangela yedwa yamunika ukuqonda kanye nokwahlukanisa “*ukuhlakanipha nengqondo ebanzi kakhulu, nenhliziyo enkulu ngangesihlabathi esisogwini lolwandle*”. Wanikezwa ukuhlakanipha ngaphezu kwabo bonke abantu ngesikhathi sakhe (1 Amakhosi 3:10-14; 4:29-30). USolomoni wayelazi kahle iqiniso lamazwi ake kwizaga 2:6, ukuthi

“uJehova uyanika ukuhlakanipha; emlonyeni wakhe kuphuma ukwazi nokuqonda”. Impela “uma-ke kini kukhona kini oswele ukuhlakanipha, makacele kuNkulunkulu obapha bonke ngobuhle engajakadi, khona uyakuphiwa”, yiwo lowo umthombo walokho (EkaJakobe 1:5). Ngangaleso sipho sokuhlakanipha kwaphezulu, inkosi yamunikeza uSolomoni konke lokhu ayengakucela ngengcebo nokuhlonishwa, kuze kube “negama lakhe lalisezizweni zonke nxazonke” (1 Amakhosi 4:29-31). Waba ngumpetha wezifundo zezitshalo, izifundo ngezilwane kanye nombhali wezaga ezingama-3000 (Eziphuma phambili kuzo wazibhala eqhutshwa ngumoya kaNkulunkulu encwadini yezaga). Amaculo angaphezu kwama-1000 (Isihlabelelo sezihlabelelo siphuma phambili) kanjalo nezincwadi zamahubo ezimbili (Amahubo 72 & 127).

Isipho sikaNkulunkulu sokuhlakanipha kulenkosi sabonakala ngokushesha ngaphambi kwezizwe ngenkathi uSolomoni ebuya eGibeyoni eya eJerusalema, ngalendaba edumile yabesifazane ababili ababefuna ingane eyodwa (1 Amakhosi 3:16-28).

Kuleyaminyaka eyayikhazimula ngenkathi inhliziyo kaSolomoni yayishesha ukuzwa iphimbo likaNkulunkulu, umbuso wakhe wawubonwa

njengencazelo yegama lakhe, ukuthula. Kwakungusuka lapho “*OJuda no-Israyeli babe baningi ngangesihlabathi solwandle ngobuningi, bedla, bephuza, bejabula.*” (1 Amakhosi 4:20). Ukulunga kuhlezi kuletha ukuthula nenjabulo esizweni, ebhizinisini, ebandleni noma kumuntu ngayedwana. Ukukhetha isono kuhlezi kuletha ukuxokozela nobuhlungu benhliziyo.

Incwadi

Inkosi uSolomoni wahlanganisa okukhulu okutholakala kulencwadi yezaga, Yikho lokhu inkosi eyabona kukuhle ukuthi kube khona encwadini yayo yezincwadi. Izingxenywe ezintathu ezinkulu zalencwadi kaNkulunkulu yokuhlakanipha ziqala ku 1:1, 10:1 & 25:1. Isahluko sama-30 sabhalwa yindoda ebizwa ngo Aguri, isahluko sama-31 sona sabhalwa nguLemuweli. Womabili lamadoda awaziwa. Uma isiphelele lencwadi igcwele ukuhlakanipha okunzulu okubalulekile okungukuqondisa okuvela kwinhliziyi kaNkulunkulu. Yincwadi ezalwe ngumusa kaNkulunkulu wokufuna ukuhola abantu bakhe ebaholela kokubalungele, ngisho ukukhetha okuhle ngezingxenywe zempilo. Inani lengcebo yalencwadi alinakulinganiswa.

Isihloko esigqamile salencwadi yezaga, esivamise ukubhalwa kuyo sivela ku 9:10 *“ukuqala kokuhlakanipha kungukumesaba uJehova, nokumazi ongcwele kungukuqonda”* (Buka lamavesi 1:7; 2:1-5; 15:33). U 14:6 usitshela ukuthi *“isideleli siyafuna ukuhlakanipha singakutholi”*. Kungani? Ngenxa yokuthi yisedeleli. Asikwazi ukufunda kukuhlakanipha kukaNkulunkulu ngokumesaba, kungesikho ukumdelela.

Kuyamangalisa ukuthi ukuwa komuntu kwabe kulele kulesiya sihlahla okwakungamele sidliwe esasithembisa *“ukunxaneleka ekuhlakaniphiseni”* (Gen 3:6). Kwakuyisethembiso sokuhlakanipha, kepha khona manjalo kugcizelelwa umugomo obalulekile wokuhlakanipha kwangempela *“ukumesaba uNkulunkulu”*, ukusaba kongabazane nokungashayi indiva amazwi akhe. Imizamo kasathane kuhlezi kungukusiphuphuthekisa kukuhlakanipha kwangempela. Ngisho incwadi kaGenesise iqala ngokuwa komuntu ekuhlakanipheni kwangempela, sibe sesibona irekhodi likaNkulunkulu ebuyisela kabusha emntwini, njengaku Josefa uma sesiyophumela ngasekugcineni kugenesise. Ngokuba kuJosefa siyakubona ukuhlakanipha kukaNkulunkulu, okugcinwe kufingqiwe kwizaga;

- Inhliziyo yesisebenzi esithembekile (Gen 39:4,

6, 8; 40:4; Buka nezaga 25:13).

- Ubungcweti nesimilo esingaguqukiyo somphefumulo olungileyo (Gen 39; Buka izaga 25:28).
- Ukusaba uNkulunkulu kumenza ukuba adede kokubi (Gen 39:9; 42:18; Buka nencwadi yezaga 9:10).
- Ukuhlonipheka (Gen 41:16; Buka izaga 2:6).
- Ukubonisa uFaro okunobuhlakani, ukubuka kwekhono (41:34-36).
- Loyo ongagxili esonweni somunye (abafowabo) ngothando (Izaga 10:12; 17:9). Kwathi uJakobe ubaba wabo esefa, abafowabo bathola injula yeqiniso nothando lukaJosepha olungenakuzenzisa (Gen 50:15-21).

Ukuhlakanipha kukaNkulunkulu kuhlukile kunalokho okubonwa njengokuhlakanipha ezweni nabantu balo. Izwe likhuluma ngokuhlakanipha “njengokuhlakanipha okuvunywe ngabantu”, njengokuphila ngendlela eyamukelekile kubantu. Kodwa lokho okuthenjiswa kunikezwa nguNkulunkulu kuneqiniso, Impilo, ubukhosi, amandla kaNkulunkulu ongcwele. Kepha futhi kumele kuqondwe ukuthi azikho izindlela ezimbili zokuhlakanipha. Iqiniso lithi, ukuhlakanipha

kukaNkulunkulu yikho kodwa ukuhlakanipha kweqiniso! Kungukuhlakanipha okumele kulandelwe umhlaba wonke jikelele, okumele kusetshenziswe ngabakholwayo nabangakholwa. Kuyamangaza ukuthi encwadini kaJobe, izaga kanye nencwadi umshumayeli awuzwa kuthiwa ukuhlakanipha okuthile kuqondene nabathile. Akubalulwa ngisho “u-Israyeli” noma “iJerusalema”. Lapha ngukuhlakanipha okufanele wonke umuntu noma bonke abantu bangazo zonke izikhathi. NgokukaNkulunkulu, umuntu ohlakaniphile ngempela yilowo ohamba ngendlela yenkosi yeqiniso kanye nokulunga. Nguye lowo ompilo yakhe ibusisiwe nguNkulunkulu, naye oba yisibusiso kwabanye. Kepha qaphela-ke ukuthi ukusebenzisa ukuhlakanipha kukaNkulunkulu empilweni yakho yansukuzonke angeke kwakusindisa ekuyeni esihogweni. Kepha abangakholwa bangathokozela inzuzo ngokuhlakanipha kukaNkulunkulu kanye nabakholwayo. Impela ukusaba uNkulunkulu okuyikho kuyokuholela ekuzweni indlela kaNkulunkulu yensindiso.

Isaga ngokwenzazelo yaso “*yisisho esifushane sokuhlakanipha kwansuku zonke*”. Izaga zikaSolomoni (zikaNkulunkulu) ziyathinta imicabango, indlela yokuziphatha kanye nesimilo okuveza inkambo yolungileyo, inkambo yekholwa.

Izaga zigcwele okungenziwa empilweni. INkosi inendaba nenkambo yethu yokulunga ehalelekayo kanye nokuthi sibe yisibusiso kwabanye, kuze kwehle kuyofika kwizinto ezincane ngempilo yethu ngaphambi kwakhe; ukuthi sikhulume kangakanani (17:27-28) ukuthi siphendule nini (26:5) ukuthi singaphenduli nini (26:4, 17) ukuthi siziphathe kkanjani ekuseni ngovivi (27:14), ubuchule bokuzazi (25:28) ukuthi sibasola kanjani abantwana bethu (19:18) ukuthi siziphatha kanjani phakathi kwabantu abakhulu (25:6-7), ukuthi siligcina kanjani ibhizinisi nempahla yethu (24:30-34), ukuthi siziphathe kanjani izilwane zethu (12:10, 27:23), indlela esibuka ngayo izinto eziphathekayo noma esinazo (12:27), ukuthi umbona kanjani umuntu ongathembekile (6:12-14), indlela eya ekubhujisweni yokufuna ukwenza inzuzo ngendlela engalungile (21:6), njll.

Omunye umbhali uchaza izaga “njengemisho emifushane esuselwa kwisipiliyoni eside. Kodwa izaga zikaNkulunkulu zinkulu kunalokho. Izaga zakhe ziveza ukulunga kwakhe ngokunikeza iziyalo zokuphila usuku nosuku kwabantu bosuku nosuku. Zingamazwi kaNkulunkulu aphakade. Ziyimana yomphefumulo, ubisi olulungile lezwi okumele silinxanelwe ukuze “sizokhula ngalo”.

1:1 *Nazi izaga zika Solomoni indodana kaDavide, inkosi yakwa-
Israyeli,*
1:2 *zokwazi ukuhlakanipha nokulaywa, nokwahlukanisa
amazwi okuqonda,*

Injongo

Injongo noma inhloso yencwadi yezaga ivezwe ngokugqamile kumavesi asekuqaleni kwisahluko 1. Ngalencwadi uNkulunkulu usinika ukuhlakanipha ngezindlela ezahlukehlukenene;

- *“Zokwazi ukuhlakanipha”* (Vs 2) – *“ukuhlakanipha kukaNkulunkulu okulandelwa yizenzo”* (Itiyoloji. Incwadi yamazwi ethestamente elidala).
- *“Nokulaywa”* (Vs 2) – Ukulungiswa noma ukulaywa nguNkulunkulu) (Buka incwadi 2 Thim 3:16).
- *“Nokwahlukanisa amazwi okuqonda”* (Vs 2) – Ukukwazi ukubuka ngokuhlukanisa okwenza ubone umehluko phakathi kokubi nokuhle, ngisho naphakathi kokulungile nokuncono, nokuhle kakhulu.
- *“Nokwamukela ukulaywa kube ngokuhlakanipha, nokulunga, nokwahlulela, neqiniso”* (Vs 3) – ukuqaphela, ukucabangela,

1:3 *nokwamukela ukulaywa kube ngukuhlakanipha,
nokulunga, nokwahlulela, neqiniso,*
1:4 *nokunika abangenalwazi ukuhlakanipha, nezinsizwa
ukwazi namasu,*

ukubuka nokuhlakanipha kokuqaphela
isiphetho esilungile neqondile phambi
kukaNkulunkulu.

- *“Nokunika abangenalwazi ukuhlakanipha”* (Vs 4) – Ukuthatha lowo othatheka noma okhangeka kalula aziswe ekuhluleleni okuyikho, ukuze ezokwazi ukumamatheka kulokho okulingayo ngesibindi athi “cha, ngiyabonga”, futhi azi kungani.
- *“Nezinsizwa ukwazi namasu”* (Vs 4) – ukuhlakanipha nokuqonda kwabasebancane.

Ngencwadi yezaga inkosi ifuna ukusakha sibe ngabantu abacabangisisayo nabanekhono maqondana nendlela yokuphila yansuku zonke yokuhlakanipha phambi kukaNkulunkulu nabantu. Uhlomisa abantu bakhe ekuhambeleni phezulu ngendlela yokuhlakanipha kunanoma yiziphi izimo zempilo, benza izinqumo eziphusile beveza nesimilo esilungile. Buka incazelo kaLuka echaza uKristu njengowakhula *“waqhubeka ekuhlakanipheni, nasekukhuleni, nasemseni kuNkulunkulu nakubantu*

bonke” (Lk. 2:52). Izaga zimayelana nokuqonda kwenhliziyo okunikezwa nguNkulunkulu, yalokho okuhle nokubi emehlweni akhe. Ngiyaphinda, lena akusiyo incwadi yokuhlakanipha nje. Lena yincwadi yokuhlakanipha kukaNkulunkulu. Igama Jehova (Nkosi) litholakala izikhathi ezingama-86 kwizahluko ezimbalwa kwizaga. Lena yinsimi kaJehova yokudla okumnandi komphefumulo womuntu.

Manje igama leheHebheru elihunyushiwe “izaga” liphuma emqondweni “ukufana”. Yingakho umqondo wokuqhathanisa uyisici esibalulekile kwizaga zenkosi, ukubeka umqondo wezinto ezimbili ezifanayo noma eziphikisanayo ezinhlangothini ezimbili. Sibona ukuqhathanisa kwazo zonke izindlela kwizaga zikaNkulunkulu.

- U ‘njenge” noma “okwe”, okuveza ukufana (12:18; 25:14, 28; no 12:24; 25:13, 25-26) Igama “njenge” noma “okwe” lijwayelwe ukubhalwa ngama ithaliks kwisihumusho se NKJ (okusho ukuthi lawo magama ayengekho emibhalweni yokuqala kepha abolekiwe ukuveza umqondo othile) Ngokuba isiHebheru sivele sibeke imisho emibili engahlangana (25:12).
- Kepha u “kodwa” uveza ukufanisa, kepha nawo uyindlela yokuqhathanisa (isahluko 10

[26 ka 32 wamavesi]; 11:1-6).

- Okuthi “kuncono ku” (12; 9, 26; 15:16-17; 16:8, 19).
- Ukuqhathanisa kwemisho (16:13; 17:17; 16:18).
- U “yi” noma isifaniso (14:26-27; 16:22).

Kukhona ukuqhathanisa okuqhubekayo kwemibono ephikisanayo kuyo yonke lencwadi, njengohlakaniphile noyisiwula, othuli nokhulumela safuthi, ivila nokhuthelayo, ivila elicambalalayo, umphefumulo ophapheme/obhekile kanye nonganaki, ingcebo nobuphofu, ozithibayo nonenhliziyi encane, iqiniso namanga, njll. Ukwahlukahluke kokulalela kuqhathaniswe nokwahlukahluke kokungalaleli.

Sibona nethuluzi lesifundiso esibalulekile esivamile encwadini yezaga, njengezithombe magama adweba isithombe emqondweni, izifundo zokuphathekayo, ukwenzasamuntu kanye nazo zonke izindatshana;

- Izithombe magama (ziyabonakala futhi ziyacacisa).
 - o “*Izwi elikhulunywayo ngesikhathi esiyiso linjengama-apula asezitsheni zesiliva*” (25:11) – igama elilungile

ngesikhathi esilungile, likhulunywa ngendlela elungile yinto enhle kakhulu ukuyibheka (Buka u 15:23).

- “*Ngokuba imiyalo iyisibani, nomthetho ungukukhanya*”. Kungasiyo into emnyama, kepha into egqamisayo.
- “*Bakhona abaphahluka njengokuhlaba kwenkemba, kepha izilimi zabahlakaniphileyo ziyimpiliso*” (12:18). Omunye ufana nombese wesigebengu lomunye afane njengensiza kadokotela ohlinzayo.
- Kubekwe isithombe sothunyiwe othembekile nongathembekile ku 25:13 & 19.
- Kulesithombe magama esingakhohlakali sowesifazane omuhle kodwa ongahlakaniphile, ufaniswa netshe lenani ekhaleni lengulube (11:22). Okuncane kwakhe kuhle (ubuhle bakhe), kepha konke okunye okukhulu ngaye kubi.

- Izifundo zokuphathekayo

- “*Ngadlula ensimini yomuntu oyivila...*” (24:30-34).

- “*Yana entuthwaneni vila ndini...*” (6:6-11).
- Ukuphinga kufana nokwanga umlilo noma ukuhamba emalahleni abovu ashisayo (6:27-29).
- Isenza samuntu, njengokuhlakanipha nobuwula bubamba imihlangano emgaqweni (Isahluko 8 &9).
- Ezinye izindatshana, Ezifana nezaga (5:1-14); 6:24-35; 7:5-27, 9:7-18, 14:12 & 16:25). Lapho omubi ekhuluma okumnandi “*isinkwa senkohliso*” uNkulunkulu ulandelisa ngokwambula “*ngaphambili*” (20:17).

Isahluko 1-7 kubukeka sengathi sibhalelwe abantu abasha, njengezingxoxo phakathi kukababa ebeke isandla ehlombe lendodana (qaphela amagama okuqala kwizahluko 3-7). Sithola lamagama “*ndodana yami*” izikhathi ezili-15 kulezahluko. Kungesikho kuphela ukuthi iziyalo zomfana omncane. Kunengcebo yokuhlakanipha kwabazali uma bebhakene nabantwana babo kulencwadi. Ngizibuzisa ukuthi engabe bangaki abazali asebeke bakubukisisa lokhu. Sifunda ngokubaluleka komzali oyisibonelo (23:26, 4:11), ukuyala komzali (4:11), ukukhuthaza komzali (23:15-16), nokulaya komzali;

- **13:24** – Uma unqaba ukusebenzisa uswazi kumntwana wakho ukhombisa ukuzonda lowo othi uyamthanda.
- **19:18** – Qala ukuyala kwakho kusanesisikhathi, ungayekiswa izinyembezi ezidabula inhliziyo.
- **22:15** – Kukhona kuwo wonke umntwana ukufuna ukwenza okubi. Njengengalo enenkemba yengelosi eyama endleleni kaBhalama, kanjalo nomzali ohlakaniphile kumele enze njalo emi phambi kwendlela yomntanakhe ohehwa okubi.
- **23:13-14** – Umntanakho angeke abulawe ukushaya kwakho okungendlela, kepha angabhubha ngaphandle kwako.
- **29:15** – Ukuhlakanipha kuza ngoswazi, ihlazo liza ngokungabikho kwalo uswazi.
- **29:17** – Ukuphumula nokuthokoza yifa lalabo abasebenzisa ukulaya kwebhayibheli ngokulungileyo.

Ekudwetshweni kwesithombe sowesifazane ohlakaniphile kwisahluko 31, kukhona i-Akhristikhi kwisihebheru kuvesi 10-31. Ivesi nevesi liqala ngohlamvu olahlukile lolimi lwesiHebheru ngokulandelana kwezinhlamvu, lelo yithuluzi

lokubamba ngengqondo. Kulesithombe sibona
umndeni obumbene, ojabule futhi owenelisekile,
amalunga omndeni ayadumisa, ehlonipha umama
wekhaya osetshenziswa nguNkulunkulu
njengethuluzi ukucwela sona lesi similo
esidunyiswayo esiphakanyisiwe kulencwadi
ethandekayo.

Isahluko 1

- 1:5 *ukuze ohlakaniphileyo ezwe, aqhubeke ekufundeni,
noqondileyo athole iziluleko ezinhle*
1:6 *ukuba aqonde izaga nezimfihlakalo, namazwi
abahlakaniphileyo nezimfumbe zabo.*
1:7 *Ukumesaba uJehova kungukuqala kokuhlakanipha; iziwula
ziyadelela ukuhlakanipha nokulaywa.*
-

Ngithintile kwisingeniso okuthile ku 1:1-6, manje ake siqale ngo 1:7; “*Ukumesaba uJehova kungukuqala kokuhlakanipha; iziwula ziyadelela ukuhlakanipha.*” Inkosi ihlezi ibeka izindlela ezimbili eziphikisanayo phambi kwethu, indlela eya phambili nendlela eya emuva (Okuphikisa ukuya phambili, ekusukeni enkosini kunokuya kuyo).

“*Ukumesaba uJehova kungukuqala kokuhlakanipha*” – lapha sibona umongo wokuhlakanipha. Njengagama elisho umaqala kwithestamente elisha, lingasho umqondo wokuqala ngokohlelo, ngokubheka okukhulunywa ngakho, kanjalo nokuba seduze, kanjalo-ke negama elisetshenziswe lapha lingakhuluma ngokusekuqaleni noma ukuqala ngokokubaluleka. Noma hlampe kokubili, ngokuba “*ukumesaba uJehova*” ngumongo wokuhlakanipha futhi ngumnyango wako ukuhlakanipha. Akukho

ukuyala kokuhlakanipha emhlabeni kuzo zonke izincwadi okudlula lomongo “*ukumesaba uJehova*”. UJobe wakusho kuqala; “*Bhekani ukwesaba inkosi lokhu kungukuhlakanipha; ukusuka ebubini kungukuqonda*” (UJobe 28:28). UDavide naye wakuqinisekisa lokho; “*Ukumesaba uJehova kungukuqala kokuhlakanipha; banengqondo enhle bonke abakwenzayo, udumo lwakhe lumi kuze kube phakade*” (Amahubo 111:10). Kanjalo lokhu kwakubalulekile nakuSolomoni owayehlakaniphe kunabo bonke, uyaziphinda “*Ukuqala kokuhlakanipha kungukumesaba uJehova, nokumazi ongcwele kungukuqonda*” (Izaga 9:10). “*Ukumesaba uJehova kungukulaywa kokuhlakanipha*” (Izaga 15:33). Lomluleki ohlakaniphile, esejahe konke okwasemhlabeni ngaphansi kwelanga unikeza isiphetho “*Nakhu ukuphela kwendaba, lapho sekuzwakele konke: Mesabe uNkulunkulu, ugcine imiyalo yakhe, ngokuba lokho kungokwabantu bonke*” (Umshumayeli 12:13). Lokhu ngukufingqa konke!! Ube eseyalandela khona lapho ngesizathu; “*Ngokuba uNkulunkulu uyakuyisa yonke imisebenzi ekwahluleleni nakho konke okufihliweyo, noma kuhle noma kubi*” (Vs 14). Nakhu okungokwabantu bonke. Ukuthokoza kwabo bonke abantu. Umongo walesi sifundo. Kulo lonke ulwazi, ulwazi lukaNkulunkulu luyikho konke. Isithombe salokhu “*ukumesaba uJehova*” ngokomntwana kaNkulunkulu ozithoba,

ekhothama ngokudumisa kwintando kababa osezulwini, njengothanda uNkulunkulu kunothanda ubumnandi, ngaphezu kokuthanda yonke into. Nakhu ukuhlakanipha! Nakhu ukujula kokuhlakanipha noma ingqikithi yakho. Kuba yinto engelula nokho ukukhetha okulungile wenqabe okubi. Kepha ukwesaba ulaka lukababa olunzulu nokuthanda uthando lwakhe olumnandi kuphethe amandla okususa umphefumulo ebubini ugudlukele ekwenzeni izinqumo eziphusile. Nanku umongo wesifundo sokuhlakanipha.

Okuphikisanayo, isiwula “*sinqaba ukuhlakanipha nokulaywa*”. Njengokuba uDavide ahlabelela kumahubo 36, iziphambeko zababi zithi “*akukho ukwesaba uJehova phambi kwabo*”. Ngisho ukuthokoza ebubini nasekucebeni “*ububi embhedeni wakhe*”, ngisho nakho ukuthi “*akakuyeki ububi*” ngisho engakwenzi, lokho kusho okufanayo – “*Akukho ukwesaba uJehova phambi kwamehlo akhe*”. Ukwesaba uJehova yikho okusiguqulela kukulaywa kwaphezulu kusidedisa ebubini nasenkohlakalweni. Lokhu akusikho nje ukucabanga ngendlela elungile, kepha ubudlelwane obulungile kanye nenkosi. Ukuba nobudlelwane obulungile nokuhlobana nenkosi kungumongo wokuhlakanipha kweqiniso kanye nolwazi, ukuqala kokungena kwako. Ngokuba uma umuntu eshiya

1:8 *Ndodana yami, yizwa ukulaya kukayihlo, ungawushiyi
umthetho kanyoko,*
 1:9 *ngokuba kuyakuba ngumqhele omuhle wekhanda lakho,
nemigexo entanyeni yakho.*
 1:10 *Ndodana yami, uma izoni zikuyenga, ungavumi.*
 1:11 *Uma zithi: “Hamba nathi, siqamekele igazi, sibhacele ngeze
ongenacala,*
 1:12 *sibagwinye besezwa njengendawo yabafileyo, besaphilile
njengabehlela egodini;*

lokhu okubaluleke kangaka ekufundeni kwakhe uyothola “ulwazi” oluxovekile, ebe esefunyanwa eysiwula ekugcineni kwayo yonke imisebenzi yakhe, engohlakaniphile kuphela emehlweni akhe (3:7; Rom 1:19-22).

Ivesi 8 – Uma sibuka igama lokuqala lalelivesi, siyakhunjuzwa ukuthi lengxenyana, kuze kuyofika kwisahluko sesi-9, kunjengobaba encenga indodana yakhe;

- Ephakamisa ukuhlakanipha phambi kwendodana yakhe (1:8-9).
- Eveza indlela yokuyenga (1:10-14).
- Efuna ngesankahlu ukunqaba kwakhe (1:10 & 15).
- Eveza isiphetho ekugcineni (1:18). Ngokuyengwa uthi ku 5:4 “*Kepha ekugcineni umunyu njengomhlonyane, Ubukhali*

- 1:13 *yonke impahla eyigugu siyakuyifumana, sigwalise izindlu zethu ngempango;*
1:14 *yenza inkatho yakho phakathi kwethu, sibe nesikhwama sinye sonke,”*
1:15 *ndodana yami, ungahambi nazo endleleni, unqande unyawo lwakho emikhondweni yazo,*
1:16 *ngokuba izinyawo zazo zigijimela ebubini, zishesha ukuchitha igazi.*
1:17 *Ngokuba inetha lenekelwe ize emehlweni azo zonke izinyoni.*
1:18 *Kepha laba baqamekela elabo igazi, babhacela okwabo ukuphila.*
-

njengenkemba enezinhlangothi zombil”.

Izindlela zokuyenga zihlezi ziza ngokukhangisa nesithembiso esisobala esikhangisayo. Kuza nesiqiniseko sengcebo esheshayo (Vs. 13) noma amandla noma ubumnandi obusheshayo noma ukuba yingxenye eningini (qaphela ukugxila ku “thina”, “nathi”, “phakathi kwethu” kuvesi 11-14. Bese kuthi labo abangakhulile ngokumqondo baqale bazibone njengabengcebo, besezingeni eliphezulu, bezimele gelekeqe bengazimelele ngomunye noma bengaphansi komunye. Kepha ukuhlakanipha kufundisa ukuthi uphenduka umuntu osetshenzisiwe walinyazwa, ngokuba isethembiso sokuyenga noma sesikhubekiso singaphambili nje kuphela. Njengofezela, ukuluma kwaso kusemsileni. Kepha ukubuka ukuhlakanipha njengoba kunjalo nangendlela yakho kuzuzisa okuhle ekugcineni,

1:19 Zinjalo izindlela zabo bonke abaphanga impango; iyasusa ukuphila komniniyo.

1:20 Ukuhlakanipha kuyamemeza emigwaqweni, kuyezwakalisa izwi lakho ezigcawini;

ekuhlonishweni nakwigunya. Inkokhelo yokuhlakanipha isemsileni, njengenkokhelo yomholo ekhokhwa noma otholwa ekupheleni kwenkathi yomsebenzi. Khumbula ukuthi ukugqoka kokumhlophe okucolekile kokuhlonipha noma ukuzithoba kukhanga kwabahlakaniphile. Omubi uyohlezi ebona “*ubuhle bomusa*” njengento embi nengenasidingo. Kuthatha iso lokukholwa ukukholwa nguNkulunkulu ngenkokhelo yokuhlakanipha, ukubekezela, ukuzithiba, ukwala inzuzo ethile manje ngenxa yokubona enkulu ezayo. Kepha khumbula uJosefa ethembeka enkosini lapho kwakunzima kakhulu empintsheleke ekhoneni umlilo ushisa, kwathi ekugcineni wahlonishwa yinkosi phambi kwabantu ngenxa yokunganyakazi kwakhe ekuthembekeni. Buka nangenkathi uBhowazi enqaba ukuyengeka ngamaqhinga kaNawomi enyama ngenkathi emunikeza uRuthe lapho kuyelwa khona isivuno (URuthe 3), base benyuka bobabili bahlonishwa ekugcineni. Qhathanisa nokuphela kukaSamsoni (Ngisho naye uSolomoni) isiphetho esibi, ukuwela ebhodweni lenyama nesono. Hlakanipha ukubona iqiniso

1:21 emashashalazini emigwaqo kuyaduma; ngasezikheleni
zamasango omuzi kuyakhuluma amazwi akho okuthi:
1:22 “Koze kube nini iziwula zithanda ubuwula, nezideleli
zijabula ukudelela, neziwula zizonda ukwazi, na?
1:23 Buyani ngokusola kwami; bhekani, ngiyakuthulula umoya
wami phezu kwenu, nginazise amazwi ami.

“ubuhle bomusa”.

Ivesi 20 – Ukuhlakanipha kuyaqala kuba nomhlangano wokuqala emgaqweni. Kunyuswe njengomuntu, ukuhlakanipha kuyabiza labo abanokuqonda okuncane njengoshumayela emgaqweni (sizophinde sikubone futhi kushumayela, ikakhulukazi kwisahluko 8). Kukhona engifisa ukuqaphele kulentshumayelo. Buka ukuthi ukufuna ukunika ukuhlakanipha kubheke kumuntu osemgaqweni (Vs. 21-22), kungesikho nje kwisifundiswa esifundayo ehholo sifuna ulwazi. Lokhu akuphethe wonke umuntu angakuthola, umuntukazana wansuku zonke emgaqweni lapho kuphilwa khona impilo yangempela, kungesizo izingcithabchopho zosolwazi kuphela. Buka indlela eza ngayo.

- Ukhombisa abantu ubunjalo babo. (Vs. 22)
- Unxenxa ukuphenduka (Vs. 23).
- Unikeza isethembiso sengcebo

1:24 Ngokuba ngibizile, nala nina; Ngelula isandla sami,
 akubangakho onakayo;
 1:25 kepha nichithile konke ukululeka kwami, anivumanga
 ukusola kwami;
 1:26 nami ngiyakuhleka ingozi yenu, ngiklolodele ukufika
 kwenikwesabayo,
 1:27 lapho kufika njengesivunguvungu lokho enikwesabayo,
 nengozi yenu iza njengesikhwishikhwishi, lapho nehlelwa
 ngukuhlupheka nosizi.

yengunaphakade (Vs. 23).

- Unikeza isexwayiso esinzulu kubuwula obunqabayo (Vs. 24-32). Kunesiqiniseko sengozi. Akasho ukuthi “uma” kepha “mese” (Vs.26-27). Kanjalo nokuqonda inani lalokuwa lithathwa kancane izikhathi nokho (Vs. 27).
- Uphinde ubuyela kwisethembiso somusa kulabo abazolalela (Vs. 33).

Indlela yakhe iveza ukulunga ekushumayeleni;

- Ukuveza ububi benhliziyo yomuntu, ngokushunyayelwa kokulunga kukaNkulunkulu.
- Ukufuna kwaphezulu, ukuphenduka.
- Isethembiso sikaNkulunkulu somusa kwabaphendukayo.
- Ukuxwayisa kukaNkulunkulu kokwahlulela

1:28 *“Khona bayakungibiza, kepha angiyikuphendula;
bayakungifunisisa, kepha abayikungifumana*
1:29 *ngenxa yokuba babezonda ukwazi, kabakhethanga
ukwesaba uJehova,*
1:30 *bengavumanga ukululeka kwami, bedelela konke ukusola
kwami.*
1:31 *Ngalokho bayakudla izithelo zendlela yabo, basuthe
ngamacebo abo.*

kwabazidlayo.

- Ngokuzimisela okukhulu kokunxenna.

Ivesi 26 – *“Nami ngiyakuhleka ingozi yenu”* –Lokhu kuhleka lapho kuyinkinga, akufanele kubukwe njengesimo senhliziyo engenazwelo noma ukwehlulela okuqinisa isandla kakhulu. “Wathula mhla ngibiza, nami ngiyakuthula mhla ubiza”. Abantu bayaziba ukungqongqoza kwenkosi ezicabheni zezinhliziyi zabo zonke izinsuku zabo emhlabeni, ngakho-ke inkosi iyakuziba ukucela umusa uma ekugcineni ukwahlulela kwayo kuwa (Isambulo 3:20; Lk 16-19). Buka uNkulunkulu akathathi kanjani ukuphenduka lapho umuntu sekuthanda yena. *“Bheka ubuhle nokulunga nokuqinisa kukaNkulunkulu”*. Ukuqinisa kukaNkulunkulu kufika lapho ubuhle bakhe bushaywa khona indiva. Kanti futhi uvesi 26 uveza ukuthi kuyinto yokuhlekwa noma ihlaya kanjani ukukhetha indlela eyekelwayo kunendlela

*1:32 Ngokuba ukuhlela kwabangenahwazi kuyakubabulala,
nokunganaki kweziwula kuyakubabhuhisa.
1:33 Kepha ongilalelayo uyakuhlala elondekile, agcineke,
angabi naluvalo ngokubi.”*

yokuphenduka. Buka kumahubo 2:4, loyo ohlezi ezulwini ehleka ekugcineni abantu abancane abamelene naye. Kwangathi singangavukuza izinhliziyi ezimelene phakathi kwethu, lokhu kumele kuvukuze ukwesaba ukutholakala kuleso simo ezinhlizweni zethu. Futhi ungalenzi iphutha lokungaboni abangakholwa njengokuba uNkulunkulu ebabona. Bangabokuhlekwa ebuwuleni babo nasekwaleni yena, bazilungiselela ukubhubha. Singaqhubeka yini sihlale nabangakholwa singabashumayezi engathi leli akusilo iqiniso lesithombe sabo nesimo sabo?

Isahluko 2

- 2:1 Ndodana yami, uma wamukela amazwi ami, uzibekelele imiyalo yami,
2:2 ukuze ubeke indlebe yakho ekuhlakanipheni, uthobisele ekuqondeni inhliziyi yakho,
2:3 yebo, uma ukhala ngengqondo, uzwakalisa izwi lakho ngokuqonda,
2:4 uma ukufuna njengesiliva, ukuphenya njengamagugu afihliweyo,
2:5 khona uyakuqonda ukumesaba uJehova, ufumane ukumazi uNkulunkulu.
2:6 Ngokuba uJehova uyanika ukuhlakanipha; emlonyeni wakhe kuphuma ukwazi nokuqonda.
-

Lesi sahluko ngiyasithanda impela. U “uma...ngakho-ke” omkhulu. **Uma** uzokwenza izwi likaNkulunkulu nokuhlakanipha ingcebo nokujahayo, **ngakho-ke**;

- Uzakuthola ubuhlobo obulungile noNkulunkulu (Vs 5).
- Uyakuthola ukuhlakanipha kwangempela (Vs 6-7).
- UNkulunkulu uyakukugcina endleleni elungileyo (Vs 8-11, 20-21).
- INkosi iyakukusindisa emgibeni kasathane (Vs 12-19);

2:7 Uyabekela abaqotho isibusiso, uyihawu kwabahamba
 bengenacala,
 2:8 egcina izindlela zokulunga, elondoloza imikhondo
 yabathembekileyo bakhe.
 2:9 Khona uyakuqonda ukulunga nokwahlulela, neqiniso, yebo,
 nezindlela zonke ezinhle.
 2:10 Ngokuba ukuhlakanipha kuyakungena enhliziyweni
 yakho, ukwazi kube mnandi emphefumulweni wakho.
 2:11 Amasu ayakukulinda, ukuqonda kukugcine,
 2:12 ukuze wophulwe endleleni yobubi nakubantu abakhuluma
 okuphambeneyo,

- Ugibe labantu ababi (Vs 12-15), ojabula ebubini bakhe nakokwabanye.
- Ugibe lowesifazane omubi (Vs 16-19),
 - “Owamazwi athophayo” kulabo afuna ukubabhozomela, ngokwesiHebheru kuthiwa “wenza amazwi akhe acoleke abe mnandi”.
 - “Oshiya” umyeni wakhe (Vs 17).
 - “Akhohlwe” uNkulunkulu wakhe.
 - Akathembekile kumuntu nakuNkulunkulu.
 - Omuzi wakhe “ushonela ekufeni” (Vs. 18-19). Njengokuba omunye umbhali ebeka “uthembisa

*2:13 abashiya imikhondo yobuqotho, ukuze bahambe
ngezindlela zobumnyama;
2:14 abathokoza ngokwenza okubi, bajabulele ukuphambana
kobubi;
2:15 abazindlela zabo ziyisigwegwe, nemikhondo yabo
iphambene,
2:16 ukuba wophulwe kowesifazane ondindayo nakuye
oweziwe onamazwi athophayo,
2:17 oshiya umngane wobusha bakhe, akhohlwe isivumelwano
sikaNkulunkulu wakhe,*

ingxenye yempilo, ebese
ekudayisela ukufa' iphela kanjalo
indaba.

UNkulunkulu ubekile phambi kwethu ukukhetha ezindleleni. Buka ukusetshenziswa kahle kwamagama “*izindlela*” lapha kwisahluko 2 (ka-11 kuvesi 8-20).

Siyabona kusukela emavesini okuvula kwisahluko sesibili ukuthi ukuhlakanipha kukaNkulunkulu kuyinzuzo enkulu. Kuza kumemeza emva kokubheka iqiniso nokuma kukhona isilingo, kepha kulwa ngokubekezela nezimfuno zethu. Kepha inzuzo ayinakulinganiswa. Buka lapha olunye uhlangothi luka 1:20, lapho khona ukuhlakanipha kumemeza labo abanokuqonda okuncane. Kepha manje lowo ofunayo umemeza ukuhlakanipha. Lona ngumehluko Phakathi kofunayo nofunwayo. Buka

2:18 ngokuba indlu yakhe ishonela ekufeni, nasezithunzini
izindlela zakhe.
2:19 Bonke abangena kuye ababuyi, bangafinyeleli ezindleleni
zokuphila.
2:20 Kanjalo uyakuhamba ezindleleni zabahle, ugcine
imikhondo yabalungileyo.
2:21 Ngokuba abaqotho bayakuhlala ezweni, abapheleleyo
basale kulo.
2:22 Kepha ababi bayakunqunywa ezweni, nabambuluzayo
bayakusishulwa kulo.

imvelo yokufuna;

- Kugxile kwisambulo sikaNkulunkulu (“amazwi
ami... imiyalo yami”, Vs 1).
- Kufaka lokho esengikwazi kanye nalokho
okungatholwa (Vs. 1-2) nokuncenga, ukufuna
okuningi kwalokho okungekho obala (Vs 3-4).
Osozimayini abahlakaniphile babeka igolide
obala ukuze bezothola okungaphansi. Uma
befuna igolide ngempela basebenza kona lokho
okukhona baphinde baqhubeke nokugumba.
Uma ungeke ukusebenzise okwaziyo, angeke
uye ekujuleni noNkulunkulu.
- Kufaka kokubili lokhu “*engikutholayo*” kanye
nalokho engikunikwa “*yinkosi*” (Vs 6 - 7),
ingxenye yami nengxenye yakhe.
Ukuhlangana kokuthola nesambulo kuhlezi
kuyizinhlangothi ezimbili zokukodwa, ingcebo
yangempela.

- Umgomo wako akusikho ukufunda kokubamba ngengqondo (Vs. 5), kepha kuthatha imana yenhliziyo “*ukwesaba uJehova*” kanye nokwekhanda (“*ulwazi lukaNkulunkulu*”).

“Themba ku Jehova ngayo
yonke inhliziyo yakho,
ungenciki kokwakho ukuqonda”

(Izaga 3:5)

Isahluko 3

- 3:1 *Ndodana yami, ungakhohlwa umthetho wami, kepha
inhliziyo yakho mayigcine imiyalo yami,*
3:2 *ngokuba iyakwenezela kuwe ubude bezinsuku, neminyaka
yokuphila, nokuthula.*
3:3 *Isihhe neqiniso makungakushiyi; kubophe entanyeni yakho,
ukulobe esibhebheni senhliziyo yakho,*
-

Ingqikithi kakolweni wesahluko 3 uvesi 5-6. Kepha ukwethemba okubhalwe ngakho lapha kuncike kulokhu esikuthola kumavesi amane okuqala ekukhumbuleni nasekugcineni izwi likaNkulunkulu. Kukuphi ukwethemba ngaphandle kwezwi likaNkulunkulu, ngaphandle kwezithembiso zakhe? Ukwethemba kweqiniso noma ukukholwa kuma kwizethembiso zikaNkulunkulu.

Ivesi 3 – Igama elingagqamile lapha “*ukubophe...ukulobe*”, kusho ukukubambela eduze, ukubamba ngekhandu, ukudlinza ngakho nokwenza izinto zikaNkulunkulu. Buka incwadi KwabaseFilipi 4:8, lapho siyalelwa khona ukwenza kube ngumkhuba wethu ukudlinza ngemisebenzi kankulunkulu emihle. Ekuphenduleni isexwayiso sika 1:24-25 kumele kunalokho samukele, sithathele phezulu ebese siyaphendula! Buka u 1:33.

- 3:4 *ukuze uthole umusa nodumo oluhle emehlweni kaNkulunkulu nabantu.*
3:5 *Themba kuJehova ngayo yonke inhliziyi yakho, ungenciki kokwakho ukuqonda.*
3:6 *Mazise yena ezindleleni zakho zonke, uyakuqondisa imikhondo yakho.*
-

Ukuphendula kwethu manje yikho okusihlalele.

Kukhona okuphawulwa kancanyana kuvesi 4, okusho ukunikeza, “*ukuze uthole umusa nodumo oluhle emehlwen kaNkulunkulu nabantu*” Igama lesiHebheru “sekel” elihunyushwe ukuqonda lapha yigama elisho ukunakisisa noma umqondo wokuphumelela ngokwalapho lisetshenziswe khona., liveza ukuba imiqondo emibili yokunakekela kwaphezulu nokuphumelela kusebenza kanjani kanye kanye. Buka futhi nokukhula kukaKristu njengokuba ayehlala kulo futhi ehlala ngalo izwi likaNkulunkulu (Lk.2:52) Qhathanisa okufanayo kulengxenye naku 3:21-26 & 4:10-13).

Ivesi 5 – “*Themba*” no “*ncika*” amagama amabili anomqondo ofanayo.

Ivesi 6 - Umqondo ongaphansi kwegama “*mazise*” lisho ukuthi “mubandakanye” uku “jikisela umqondo kuye”. Ngoba uma uthola ukuthi awukwazi ukuphendulela ingqondo yakho enkosini

- 3:7 *Ungabi ngohlakaniphileyo emehlweni akho; mesabe uJehova, udede ebubini.*
3:8 *Lokho kuyakuba yimpilo emzimbeni wakho nokuhlunyelelwa kwamathambo akho.*
3:9 *Dumisa uJehova ngempahla yakho, nangolibo lwazo zonke izithelo zakho,*
3:10 *izingolobane zakho zigwale ngobuningi, nezikhamo zakho zichichime ngewayini elisha.*
-

kulokho okwenzayo, hleze vele akumele ukuba nga uyakwenza.

Igama “*uyakuqondisa*” liveza umqondo wokuthintwa, ngale nje kokukhonjwa indlela. Lisho ukuthi “qondisa” ngendlela yokuhlela ukususa izikhubekiso. Kukangaki sithola izethembiso zokuthi inkosi izokwenza kube lula endleleni iholele empumelelweni wonke umphefumulo ohamba ebudlelwaneni obuhle nayo.

Ivesi 7-8 – Buka lapha imiphumela emihle emzimbeni kohamba ebudlelwaneni obuhle nenkosi (kusamuthi) kuyathambisa, njengesiphuzo esimnandi emathanjeni. Kanjalo nokuphambene kuliqiniso. Ukushiya inkosi ukhethe okubi kuletha ububi ngisho emzimbeni wakho. Zingaki izinkinga zokugula omthombo wazo zisekungabini nobuhlobo obuhle noNkulunkulu ophilayo?

Ivesi 9-10 – “Ukumazisa” uNkulunkulu ngesimo

3:11 *Ndodana yami, ungadeleli ukulaya kukaJehova,
ungakhathazeki ngokusola kwakhe.*
3:12 *Ngokuba uJehova uyamlaya amthandayo, njengoyise
indodana ayithandayo.*

sethu sezimali kungukuthi simuhloniphe ngazo; ngokumupha (isivuno sokuqala), kungesizo izinsalela, futhi kungenhliziyo enokuthokoza (Dut 26:9-11) Ngokwethemba ukuthi uyakwazi futhi uzosinakekela (Vs. 5). Ukunikela ngokokuqala kwethu enkosini lapho kubonakala sengathi “akwenzeki” kungukuhlola ukholo ngendlela eyiyo. Ngiyazibuza ukuthi bangaki phakathi kwethu abangadlula ngamalengiso kulesi vivinyo. Buka lapha izithembiso zikaNkulunkulu eziphathekayo lapha (isivuno esichichimayo newayini elingapheli). Kungabe uNkulunkulu ulindele ukuba siliqonde kanjani izwi lakhe ngaphandle kokuba silifunde njengoba libhaliwe? Bangaki abamukholwayo ngalokho?

.....

Okuseceleni

Igama “*iwayini elisha*” lisho lokhu esingakuthatha njengojusi wamagilebhisi. Iwayini awulikhami njengokuba siqonda namhlanje (utshwala). Iwayini elidakayo liza ngokuvutshelwa. Ijusi yamagilebhisi

3:13 *Ubusisiwe umuntu othola ukuhlakanipha nomuntu ozuza ingqondo,*
 3:14 *ngokuba inzuzo yakho inhle kunenzuzo yesiliva, nokutholakalayo kukho kunegolide.*
 3:15 *Kuyigugu kunamarubi,* nakho konke ongakufisa akunakulinganiswa nakho.*
 3:16 *Ubude bezinsuku busesandleni sakho sokunene, nakwesokhohlo kukhona ingcebo nodumo.*

yona iyakhanywa.

.....

Ukuhlakanipha manje kuphakanyisiwe kuvesi 11-26 njengenani eliphezu kwamanani, akunakuqhathaniswa nalutho, kumele kufunwe ngaphezu kwakho konke, ngisho kudingeka ukuba sishaywe ngakho (Vs 11-12). Buka ukuphendula kombhali wehubo uma evuma, “*kwangilungela ukuba ngihlushwe, ukuze ngifunde izimiso zakho*” (Amahubo 119:71).

Ivesi 11 – “*ungakhathazeki*” noma udangale ngokuyala kukaNkulunkulu, ungadangali wesuke esandleni sakhe, ngisho ekulayeni kwesandla sakhe, kuyoba;

- Ngukushiya imiyalo yakhe ka 3:5-6.
- Ukuveva ukuthi asifuni ukumethemba noma sithembe lokho akushoyo ngempilo yethu.

3:17 Izindlela zakho ziyizindlela zokumnandi; yonke imikhondo yakho ingukuthula.
3:18 Kungumuthi wokuphila kwabakubambayo, nababambelela kukho babusisiwe.
3:19 UJehova wasekela umhlaba ngokuhlakanipha; wamisa amazulu ngokuqonda.
3:20 Ngokwazi kwakhe izintwa zaqhekezwa, namaфу aconsa amazolo.

- Ukuveza ukuthi asinabo ubudlelwane nobuhlobo obuhle kuyena.
- Ukuveza ukuthi sifuna ukwenza okuthandwa yithi ngezimpilo zethu khona phambi kwakhe.

Lamavesi achazwa kabanzi encwadini yamaHebheru 12:5-11.

Ivesi 14-15 – Ukuqhathanisa ukuhlakanipha. Ukuhlakanipha kucebisa okudlula ukuba nemali.

Ivesi 13, 16-18 – imiphumela yokuhlakanipha. Okomuntu othola agcine kona, o yeka ukujabula kwakhe loyo! (Vs. 18). Ukuhlakanipha kukaNkulunkulu kungumhlengi wempilo.

Ivesi 19-20 – Ngisho ukudalwa kwethu kuvela ekuhlakanipheni kukaNkulunkulu!

Ivesi 21-26 – Loyo onokuhlakanipha

3:21 *Ndodana yami, lokho makungasuki emehlweni akho,
 ugcine ukuhlakanipha namasu,*
 3:22 *kube ngukuphila emphefumulweni wakho nomusa
 entanyeni yakho.*
 3:23 *Khona uyakuhamba indlela yakho ngokulondeka,
 ungaqhuzuli unyawo lwakho.*
 3:24 *Lapho ulala phansi, awuyikwesaba lutho; nanxa usulale
 phansi, ubuthongo bakho buyakuba mnandi.*
 3:25 *Ungethuswa luvalo oluzumayo nokuchithwa kwababi,
 lapho kufika,*

kukaNkulunkulu uyisithombe sokuphila nomusa,
 unesiqiniseko, ukuphumula nethemba, esithombeni
 sesidima somuntu ukuhlakanipha ngolwazi
 nokuhleleka kuyezalwa ngemigomo egcinwayo,
 ngasohlangothini lukaNkulunkulu nguyeye ogcinayo
 “*agcine unyawo lwakho ukuba lungabhajwa*” (Vs.
 26). Qhathanisa zombili izinhlangothi
 zokuphumelela zenkosi uHezekiya;

- Ayezimisele ngakho, lendoda yasebenza ngayo yonke inhliziyo yayo futhi yaphumelela (2 Kron 31:20-21).
- INkosi yayinaye futhi yamuphumelelisa kukho konke ayekwenza (2 Khos 18:6-7).

Buka ukuthi amazwi kavesi 25 ayibuyisela kanjani imicabango yethu ku 1:27; lapho sibona isiphetho sokwesaba kwababi ngosuku lokwahlulela lukaNkulunkulu; lapha kunempilo engenakwesaba

- 3:26 ngokuba uJehova uyakuba yithemba lakho, agcine unyawo lwakho ukuba lungabhajwa.
3:27 Ungagodleli abaninikho okuhle, laphe kusemandleni esandla sakho ukukwenza.
3:28 Ungasho kumakhelwane wakho ukuthi: “Hamba, ubuye, ngiyakukunika kusasa,” laphe kukhona kuwe.
-

kulowo olandela ukuhlakanipha kukaNkulunkulu. Lesi yisikhumbuzo sezindlela ezimbili, “indlela yokuphila, nendlela yokufa” Kanye nemiphumela yazo.

3:27-28 – ukuphatha abantu. Ingqikithi enkulu yezaga zikaNkulunkulu ubulungiswa empilweni ephilwayo yansuku zonke, nokususa umphefumulo othembekile uphendule ngokufana nalokhu, “yebo, ngicathi lokho kuyinto enobulungiswa engenziwa”. Uma kukhona okufanele athole inkokhelo futhi isezandleni zakho, munikeze! Ungabambi izinto okufanele ngabe zikubantu ngokufanelekile, lokhu kungumqondo oqondile wokunikeza “ungagodleli abaninikho” (okusho ukugodlela ongumnini). Akuvezi kuphela ukucasula komuntu ohudula izinyawo uma kufanele akhokhe, kepha kuveza ngisho ukungabikho bokulungiswa kuleso senzo. Uma umuntu ekwenzela umsebenzi, mukhokhele lokhu okungokwakhe ngenkathi eqeda nje ukuwenza umsebenzi (Buka ku Lev 19:13; Dut 24:14-15) “cha, kodwa nami abangikweletayo

kuyenzeka bangakhokhi inyanga noma ezimbili” kungabe usho njalo? Manje kwenziwe njani! Okungalungile okubili akwenzi okulungile, uma unakho futhi kudingeka, khokha, kungabe uyayibona yini imibandela lapha? Khumbula nanku umthetho “*njengalokhu nithanda ukuba abantu benze kini, yenzani njalo kubo*” (Luk 6:31). Futhi noJesu akavezanga migomo kulomthetho, umile nje. Kumele ulandelwe ngisho ngabe kuthiwa abanye abawulandeli.

Uyakubona ubulungiswa lapha, kwehla kuya empilweni yansuku zonke? Futhi lengxenye, umthetho wayo ungasetshenziswa nakwezinye izimo kungasikho kuphela ukukhokhelana izimali. Igama “*okuhle*” ku 27. Ungakubambi “*okuhle*” (akusiyo imali nje kuphela) kulabo okufanele ngabe bayayithola uma kusemandleni akho ukubanika. Uma kukhona ohlukunyezwayo, yenza okuhle ngokuma nabo. Uma kukhona ohletshwayo, mumele. Uma wenze kabi komunye, lokho okuhle kokuzehlisa kwakho kulungile futhi bayakudinga. Ungakugodli. Uma kukhona obhekana ngqo nawe ekubonisa ukungenzi kahle kwakho, ebese wena ngempakamo nangokungathembeki uphike, bafanelwe okuhle kuwe okungukuvuma ukuthi awenzanga kahle. Lapho unamandla noma izwi lokugcina okuhle kwabanye noma ubaphephise

3:29 *Ungacebi okubi ngomakhelwane wakho, laphe ehlezi nawe
elondekile.*
3:30 *Ungaphikisani namuntu ngeze, uma engakonanga
ngalutho.*

kokubi, thatha isinyathelo. Ungabi nje ngozimele eceleni ubuke. Lokhu kuyingxenywe yokuthanda umakhelwane wakho.

Buka ukuthi ungenzenjani ngalokhu kube ngubufakazi bakho obuhle. Kungabe abangakholwa banikeziwe yini izindaba ezimnandi zokusindiswa, isipho esihle sokuphila okuphakade okuvela kuNkulunkulu? Yebo! Futhi kungaba lokho “*okuhle*” kunikeziwe thina, njengezithunywa zikaNkulunkulu, ukuba sidlulisele kulabo abanesidingo? Yebo! Kubafanele ngenxa yenjongo kaNkulunkulu, usithumile ukuba sihambise. UNkulunkulu ukhulumile mfowethu! “*Ungagodleli abaninikho okuhle laphe kusemandleni esandla sakhe ukukwenza*”.

3:29-30 – Ukuhlakanipha manje kuyasuka emqondweni wokugodla okuhle kuya ekuhleleni okubi. Ungaqambi okubi noma udale ukuxokozela kumakhelwane wakho. Njengokuba uPawula washo encwadini KwabaseRoma 12:18, “*uma kungenzeka, ngokwenu hlalisanani ngokuthula nabantu bonke*”.

3:31 *Ungabi namhawu ngomuntu oyisidlwangudlwangu,
ungakhethi neyodwa yezindlela zakhe,*
3:32 *ngokuba ophambeneyo uyisinengiso kuJehova, kepha
abaqotho bayisifuba sakhe.*
3:33 *Isiqalekiso sikaJehova sisendlini yababi, kepha uyabusisa
ikhaya labalungileyo.*

Nayi imvelo yokuthula ngokuhlakanipha kwasezulwini (EkaJakobe 3:17). Ohlakaniphe ngempela uyokufana nesivunguvungu esidedisa isimo sezulu esingesihle, kunaleso esicwebile esidonsa izivunguvungu nesiphepho. Ngikuthola kulula ukuhlala nabantu abacikayo uma ngizokwenza umnyakazo wokufuna ukubazi, ngibakhulekele ngicelela umphefumulo wabo ukusindiswa. Benze babe ngumsebenzi wakho, angeke babe yindawo yempi.

3:31-32 – Ukwamukela ukucindezelwa. Igama elihunyushwe “*ungakhethi*” lapha ku 31 impande yalo isekuthokozeni noma ukwamukela. Laba abacindezela abanye ungababuki sengathi lokhu abakwenzayo kühle, ungakukhethi lokho ungaze ulandele indlela yabo (Hub 37:1). Manje nakokubuka kumabonakude wakho, buka ngaleliso. Kungabe wena nabantwana bakho nithanda ukubuka lokho okwakha isimilo? Ngokubajabulela anive nibagqugquzela, sikhetha lokho okuzondwa yinkosi kunokuhlala nayo, ngokuba “*ophambeneyo*” kuvesi

*3:34 Izideleli uyazidelela, kepha abathobekileyo ubapha umusa.
3:35 Abahlakaniphileyo bayakudla ifa lodumo, kepha iziwula
ziyakuphiwa ihlazo.*

32 uveza labo azibandakanya nabo. Kuhle kangakanani ukuzihlanganisa nenkosi kunalokho okulethwa ngukuhlubuka.

Buka nazi izindlela ezimbili nemiphumela yazo;

- 3:32 – Ngokuba abaphambeneyo bayisinengiso kuNkulunkulu, kanti abalungileyo bayathenjwa nguye.
- 3:33 – Ikhaya lomubi liyaqalekiswa, kepha liyabusiswa elalowo olungileyo.
- 3:34 – Abadelelayo badelelwa yinkosi, kepha abalungileyo bayabusiswa.
- 3:5 Iziwula ziyiswa ehlazweni, kepha abahlakaniphile bathola ukuhlonishwa.

Isahluko 4

- 4:1 Zwanini, madodana ami, ukulaya kukayise, nilalele, ukuze nazi ukuqonda.
4:2 Ngokuba ngiyaninika izifundiso ezinhle; ningawushiya umthetho wami.
4:3 Ngokuba ngangiyindodana kubaba, ethambileyo neyodwa emehlweni kamame.
4:4 Wangifundisa, wathi kimi: “Inhliziyo yakho mayibambe amazwi ami; gcina imiyalo yami, uphile.
4:5 Zuza ukuhlakanipha, zuza ukuqonda; ungakhohlwa, ungachezuki emazwini omlomo wami;
-

Ubaba usaqhubeka unxenxa indodana yakhe. Funda kwindlela enza ngayo. Ukhuluma ngaye ukwenza isibonelo, ukhuluma ngobaba wakhe owamfundisa lokhu. Uyakubona ukuhlakanipha kudlulela kwizizukulwane ezintantu lapha? Siyakhunjuzwa ngefa likaNkulunkulu lokuhlakanipha ukuthi yinto enhle esingayidlulisela siyishiyele abantwana bethu kanye nabantwana babo. Buka ukuthi lokhu kudluliswa ngabadlule kokho. Ngubaba okhulumayo, enxenxa indodana yakhe. Kukanjalo nokushumayela okulungile nokufundisa. Buka ukuzimisela kukababa kulokhu kufundisa. Uma kungasho lukhulu kuwe kungasho lukhulu yini kwabafundiswayo? Amagama alobaba amagama anothando, akusiwo amagama ahlabayo noma amagama esankahlu, uyanxenxa akasho

- 4:6 ungakushiya, kuyakukugcina; kuthande,
kuyakukulondoloza.
4:7 Ukuqala kokuhlakanipha yilokhu: Zuza ukuhlakanipha;
yebo, ngakho konke okutholileyo zuza ukuhlakanipha.
4:8 Kukhulise, kuyakukuphakamisa; kuyakukudumisa, lapho
ukugona.
4:9 Kuyakunika ikhanda lakho umgexo womusa, kunikeze kuwe
umqhele wodumo.”
4:10 Yizwa, ndodana yami, wamukele izwi lami; kuyakuthi
iminyaka yokuphila kwakho ibe miningi.
4:11 Ngikufundisa ngendlela yokuhlakanipha; ngikuhola
emikhondweni yobuqotho.
-

ngoshova. Ukhuluma ngokuncenga, azi ukuthi uma engayibambi inhliziyi yomntwana wakhe uzozuza okuncane kakhulu. Usebenzisa kahle imicabango yokuhle nokubi (kunalokho kugcwele okumele “kwenziwe” kunokumele “kungenziwa”). Ukuvezela umntwana wakhe ukuthi nakhu okuhle kokuphila impilo yangempela (4:4, 13, 22) nokuhlonipha nokunyuswa noma ukuphakamisela phezu (Vs. 8) nodumo (Vs. 9). Nayi indlela enhle nelungile (4:2, 11). Ukukhuthaza okuphindaphindiwe koku “thola” (Vs. 5, 7) kuveza ukuthi lena akusiyo into yokusebenza kwengqondo, kepha ukuzimisela noma ukuzikhethela, into yesinqumo.

4:13 – Ukuyala “*kungukuphila kwakho*” Lapha kukhona ukunaka lokhu okungukuyala okumele sigxile kukho. (4:1, 10, 13, 20). Ingxenye ebaluleke kakhulu yobungcwele ukunakisisa amaqiniso

- 4:12 Ekuhambeni kwakho isinyathelo asiyikuvinjelwa,
nasekugijimeni kwakho awuyikukhubeka.*
*4:13 Bambelela ekulayweni, ungakuyeki; kulonde, ngokuba
kungukuphila kwakho.*
*4:14 Ungangeni emkhondweni wababi, ungahambi endleleni
yabonakeleyo.*
4:15 Yixwaye, ungadluli ngayo; chezuka kuyo, udlule.
*4:16 Ngokuba abalali, uma bengenzanga okubi; ubuthongo
buyasuswa, uma bengakhubekisanga muntu.*
*4:17 Ngokuba badla isinkwa sobubi, baphuza iwayini
lobudlwangudlwangu.*
-

aziwayo. Impakamo ifuna ukukhuluma kunokulalela nokwenza okuyalelwa ngabanye. Ifuna ukuba ngumfundisi, ayifuni ukufundiswa ngabanye, ikakhulukazi kulokhu ebona sengathi inesipiliyoni kukho. Yayilapha inkinga yabaFarisi noJesu. Impakamo yabo yabenza baba ngabangakwazi nhlobo ukulalela nokufundiseka. Ukuba ngolalela kahle kufuna ukuba ube ngowehlayo othobekile. Qhathanisa u 13:1 & 20:12, lapho sithola khona ukuthi “*indlebe elalelayo*” yenziwe yinkosi. O Nkosi, ngenzele eyodwa noma ezimbili.

4:14-19 – Manje yini okumele uyigweme. Ungasondeli ngisho ukusondela! (Vs 14-15). Umqondo osemvakomyalelo “*yixwaye*” ukuyiyekela, noma uyieke iphunyuke ezandleni zakho. Wayekele wonke lawo mathuba anobubi, ungawabambi ngezandla zakho (Qhathanisa u 5:8 & 7:8). Kunalokho, zama ngandlela zonke ukugwema izimo

- 4:18 Umkhondo wabalungileyo unjengokukhanya kokusa
okuqhubeka ngokukhanya njalo kuze kube semini.*
*4:19 Indlela yababi injengobumnyama; abazi ukuthi bakhubeka
ngani.*
*4:20 Ndodana yami, lalela amazwi ami, ubeke indlebe yakho
kukho ukukhuluma kwami.*
*4:21 Makungachezuki emehlweni akho, ukugcine phakathi
kwenhliziyo yakho,*
*4:22 ngokuba kungukuphila kwabakufumanayo nempilo
yomzimba wonke wabo.*
-

ezingakwenza ukhethe ukukhetha okungalungile.

Buka lapha imvelo yabangenanhliziyi. Abakwazi ukulala bengakwenzanga ukukhohlakala (vs 16). Badla baphuze ububi nobundlobongela (Vs. 17). Uyabubona ukujula bobubi esiyiswa kubo ngokukhetha okungalungile? Kuphelela la!

Ivesi 18-19 – Umbono wezindlela ezimbili, eyodwa inyukela enkazimulweni enkulu njengokuphakama kwelanga losuku, enye iholela ekudwanguzeni ebumnyameni (Jer 23:12).

Ivesi 22 – Qaphela futhi lapha inzuzo yasenyameni engumphumela wokulalela izwi likaNkulunkulu. Nanku umuthi ophelelyo, osuka phakathi uye phandle. Buka umyalelo obaluleke kakhulu kwingxenye yokuqala encwadini kwabaseFilipi 4.

- 4:23 Phezu kwakho konke okugcinayo, gcina inhliziyo yakho,
ngokuba kuyilapho kuvela khona ukuphila.
4:24 Susa kuwe ukuphambana komlomo, nezindebe
eziyisigwegwe uzidedisele kude nawe.
4:25 Amehlo akho mawabheke phambili, nezinkophe zakho
maziqonde phambi kwakho.
4:26 Yenza umkhondo wonyawo lwakho ukuba ulingane, ziqine
zonke izindlela zakho.
4:27 Ungaphambuki ngakwesokunene nangakwesokhohlo;
ch Ezekisa unyawo lwakho ebubini.
-

4:23-27 – Inhliziyo nokuchichima kwayo.

Ivesi 23 – Ngaphezu kwakho konke okugcinwayo, **gcina inhliziyo yakho**, ngokuba kuyilapho kuvela khona ukuphila. Buka kuMathewu 12:33-35.

Ivesi 24 – Ukuchichima komlomo noma izindebe, ukuhlakanipha kukaNkulunkulu kufaka isifonyo kithi. Buka incwadi EkaJakobe 3 lapho kukhulunywa khona ngolimi.

Ivesi 25 – Ukuchichima kwamehlo, qathanisa ukubuka okuqondile kwaloyo olungile kanye nokubheka eceleni komubi ku 6:12-14 (noma ukubuka kwakhe okungathi kukhulu kunempakamo ku 6:17). Ukubuka okuqondile kolungile kuyisithombe sokubuka okugxile ezintweni ezilungile (Vs. 27) okungembaxambili. Buka lokhu kungabi nenhliziyo eyodwa yikho

okwakushoda kunkosikazi kaLoti (Gen. 19:16-26;
Lk. 17:32).

Isahluko 5

- 5:1 Ndodana yami, lalela ukuhlakanipha kwami, ubeke indlebe yakho ekuqondeni kwami
5:2 ukuba ugcine amasu, nezindebe zakho zilonde ukwazi.
5:3 Ngokuba izindebe zowesifazane ondindayo ziconsa izinyosi; umlomo wakhe ubushelezi kunamafutha.
5:4 Kepha ekugcineni umunyu njengomhlonyane, ubukhali njengenkemba enezinhlangothi ezimbili.
5:5 Izinyawo zakhe ziyehlela ekufeni; izinyathelo zakhe zibambelela endaweni yabafileyo.
5:6 Akanaki umkhondo wokuphila; imikhondo yakhe iyaguquguquka, engazi.
5:7 Ngalokho, madodana ami, ngizweni, ningachezuki emazwini omlomo wami.
-

Izexwayiso nemiyalelo ngomshado.

5:3-14 – Sithola okunye “*ngowesifazane ondindayo*”. Lona ngumyengi, kusetshenziswa isenzasamuntu (2:16-19). Ukubukeka kwakhe nendlela enza ngayo ifaniswa nezindebe eziconsa uju nomlomo oshelelayo odlula amafutha (Vs. 3). Mubheke waziwa ngolimi olushelelayo (esilubona ku 7:14-21). “*Kepha ekugcineni*” okugcizelelwe naku 4-14. Lapha kunesexwayiso sikaNkulunkulu nokuvusa, “*ngokuba impela umvuzo ukhona*” (23:18). Leli yinani lokuphinga nokungathembeki. UNkulunkulu uthembekile ngokuba akasiyekeli ekungazini isiphetho, kungaba yisibusiso noma ihlazo.

5:8 *Dedisela kude naye indlela yakho, ungasondeli emnyango wendlu yakhe,*
 5:9 *funa unike abanye udumo lwakho, naye ononya iminyaka yakho,*
 5:10 *funa abezizwe basuthe ngamandla akho, umshikashika wakho ube sendlini yomfokazi,*
 5:11 *uze ububule ekugcineni, lapho umzimba wakho nenyama yakho kuqediwe,*
 5:12 *ngokuthi: “Yeka ukuzonda kwami ukulaywa nokudelela kwenhliziyo yami ukusolwa!”*
 5:13 *Angilalelanga izwi labafundisi bami, angibekanga indlebe yami kubo abangifundisayo.*
 5:14 *Ngacishe ngaba sehubini bonke phakathi kwebandla nasemhlanganweni.”*

Impendulo yokuhlakanipha kuvesi 23, lapho kubaba njengenhlabha yimpendulo yoku, nanjengenkemba esika nhlangothi zombili kuqhathaniswa nokubushelelezi okujika kuphenduke kube kubi, kuthi nokumnandi kube sengathi sekunezinaliti emvakwalokho! Kubuke lokho! Ukuhlanganyela nalowo yindlela eyehlela ekubhujisweni (Vs. 5, 2:18). Gudluka endleleni yakhe. Buka lokhu okushiwo yithestamente elisha ku 1 Kor. 6:18 & 2 Thim 2:22). Cabanga ngokuvula kulokhu uma sicabanga ngempilo, umsebenzi, indlela eya ekhaya (7:8), ukusula obukukhokhela njalo, njll. Ukudlala “nowesifazane ondindayo” kuqeda ukuhlonishwa (Vs. 9), ulahlekelwa yiminyaka yakho emnandi (Vs. 9), ulahlekelwa yingcebo (Vs. 10, 6:26 & 29:3), ulahlekelwa yinjabulo (Vs. 11), “ububule”, ulahlekelwa yimpilo (Vs. 11, ingculaza?), njll. Kuvesi

- 5:15 *Phuza amanzi emgodini wakho, amanzi agobhozayo emthonjeni wakho.*
- 5:16 *Imithombo iyaphalala ngaphandle yini, nemifula yamanzi ezigcawini, na?*
- 5:17 *Mayibe ngeyakho wena wedwa, ingabi ngeyabafokazi kanye nawe.*
- 5:18 *Mawubusiswe umthombo wakho, uthokoze ngomfazi wobusha bakho.*
- 5:19 *Uyindluzelekazi ethandayo negogokazi elihle; amabele akhe mawakudelise ngesikhathi sonke, weqiwe njalo luthando lwakhe.*
- 5:20 *Ubuyakwegelwani ngowesifazane ondindayo, ndodana yami, ugone isifuba somfokazi, na?*
- 5:21 *Ngokuba izindlela zomuntu ziphambi kwamehlo kaNkulunkulu; uyenza yonke imikhondo yakhe ukuba ilingane.*
-

11-14 sizwa kuphela ukububula kokunqaba “ukuhlanganyela” nokuhlakanipha kulokhu.

5:15-20 – Phendukiselani izinhliziyi zenu ekhaya. Inkosi manje igqamisa okungapheli, ukuhlanganyela okumnandi kwasemshadweni. Njengokuba sibona kwezinye izingxenye kwisihlabelelo sezihlabelelo, ulimi lapha lusobala. Emshadweni yilapho ababili kumele bazibandakanye khona ngokocansi, bengenakungcola (Hebh. 13:4). Impela lapha umyalo kaNkulunkulu uthi phuza kulowo mthombo (Vs. 15), ukuba uphuze kulowo mthombo, waneliseke kuwo, uthakasele uthando lwakhe.

5:21 – Imicabango yethu iyaphinda futhi ikhonjwa enkosini ehlola izindlela zethu.

*5:22 Omubi uyakubanjwa ngububi bakhe, abhajiwe
ngezintambo zezono zakhe.*

*5:23 Uyakufa yena ngokuswela ukulaywa, nangobuningi
bobuwula bakhe uyakuduka.*

5:22 – Ukwengamela kwesono, sengathi sibopha owonayo ngezintambo.

5:23 - Lapha sibona usuko lwenkokhela ngenxa yokuphinga. Igama lesiHebheru elihunyushiwe kuvesi 19-20 lisho “ukuphambuka”, kulelivesi kuvezwa into efana nokuthi “ebuwuleni bakhe obukhulu uyazitika ngokungemthetho, egijimela ekwenzeni ucansi, wabe esebulala ukuthi angakhuzwa waqeda ngakho.

Isahluko 6-7

- 6:1 Ndodana yami, uma uyisibambiso somakhelwane wakho,
uma uxhawulene nomfokazi,
6:2 ucushiwe ngamazwi omlomo wakho, ubanjiwe ngamazwi
omlomo wakho,
6:3 yenza lokhu phela, ndodana yami, uzophule, lokhu ungene
esandleni somakhelwane wakho: kothama phambi
kwakhe, umncengisise.
6:4 Unganiki amehlo akho ubuthongo, nezinkophe zakho
ukozela.
6:5 Zophule njengensephe kumzingeli nanjengenyoni esandleni
somthiyi wezinyoni.
-

6:1-5 – Manje nali izwi eliqondene nokuba yisibambiso. Ukuvuma ukuba yisibambiso somuntu ukuzibophezela ngokwesikweleti sakhe. Ukuhlakanipha kusikhomba ekutheni sidlalele kude nalokhu ngokuba kungukuzimemela isimo esingesihle sezimali. Buka u 11:15, 17:18; 20:16; 27:13. Ngale kokuboleka imali lowo onesidingo, ukuba yisibambiso ukuzinika isheke elingabhalwe lutho ngoba kungenzeka angakwazi ukukhokha. Lokhu kungagcina kudala ukulahlekelwa kulona ovume ukuba yisibambiso, okungafaka yena nomndeni wakhe ejokeni elinzima. Yingakho-ke sinxenxwa kangaka lapha kuvesi 3;

- Ukuqikekela – “hamba”, manje! Kungaze kuhlwe.

6:6 Yana entuthwaneni, vilandini, ubone izindlela zayo,
 uhlakaniphe,
 6:7 yona ethi ingenamahluleli, nambonisi, nambusi,
 6:8 ilungisa nokho ehlobo isinkwa sayo, ibuthe ngesikhathi
 sokuvuna ukudla kwayo.
 6:9 Uyakulala kuze kube nini, vilandini? Uyakuvuka nini
 ebuthongweni bakho na?

- Ukuthobeka – “*khothama phambi kwakhe*”.
 - Ukushesha – “*umncengisise*”, buka
 ukuqhathaniswa kokufa nokuphila kuvesi 5.
 - Ukuncenga – njengomfelokazi owayephambi
 komahluleli ongalungile (Lk. 18:1-8)
-

Okuseceleni

Ungaphuthwa ukubona lapha ukuthi ngamazwi ethu nokuxhawula isandla sekungaba uzifake kwinkontileka enamandla ukukugwinya (Vs. 2). Kukhona ukuphindaphinda kulokhu. Buka uNkulunkulu ulithatha ngokubaluleka kanjani izwi lethu, njengokuba naye amazwi akhe ethembekile, kanjalo nathi ufuna sibe njalo. Akathokozi uma singami emazwini ethu. Buka uDuteronomi 23:21-23.

- 6:10 *Ubuthongo obuncane, ukozela okuncane, ukusonga izandla kancane kuze kulalwe,*
6:11 *bese kuthi ubumpofu bakho bufike njengomhambuma, nokuswela kwakho njengomuntu wesihlangu.*
6:12 *Umuntu omubi, umuntu wokona, nguye ohamba nomlomo ophambeneyo,*
6:13 *oqwayiza amehlo, eshudula ngezinyawo zakhe, ekhomba ngeminwe.*
6:14 *Ubuphoxo busenhliziyweni yakhe; uceba okubi ngesikhathi sonke; ususa ukuxabana.*
6:15 *Ngalokho ingozi yakhe iyakufika ngokuzumayo; ngokuphazima kweso uyakwaphulwa, kungabikho ukuphiliswa.*
-

6:6-11 – Maqondana nokuzimisela nokukhuthala. Kuvesi 6 siyaqala ukubona “ivila”. Qhathanisa nevesi 9; 10:26; 13:4; 15:19; 19:15; 24:30; 31:27. Kugcwele imiyalo ngobuvila (“*yana*”, “*ubone*”, “*uhlakaniphe*”), umuntu uyazibuza ngomthelela walokhu. Lomyalelo “wokubona” unamandla okudlula ukuthi ubone nje ngokuqaphela. Igama elichazwe lapha lisho ukubuka ngokuqonda ngenhloso yokufunda uqondisise. Buka futhi ukuthi kuthatha “okuncane” nje ukudembesela ukuze uzokonganyelwa ubuphofu (Vs.10). Buka lezikhathi eziyisihlanu ezigxile “ekulaleni” kuvesi 9-10, kathathu kukhulunywa “ngokuncane” okuningi. Okugqanyiswe kuvesi 11 imiphumela engukuhlupheka noma ubuphofu, ukulahlekelwa yingcebo yasemhlabeni kanye nomvuzo wasezulwini. Ukuhlakanipha okumele kufundwe entuthwaneni ephansi kungukuzigqugquzela noma ukuzikhuthaza, nokuthenga isikhathi ngokubamba

6:16 Kukhona izinto eziyisithupha azizondayo uJehova, yebo,
eziyisikhombisa eziyizinengiso emphefumulweni wakhe:
6:17 amehlo azidlayo, nolimi lwamanga, nezandla ezichitha
igazi elingenacala,
6:18 nenhliziyo eceba imicabango emibi, nezinyawo ezishesha
ukugijimela ebubini,

amathuba.

6:12-15 – Omubi nongenamsebenzi. Igama lesiHebheru elihunyushwe “*wokona*” kuvesi 12 lisho ongenamsebenzi walutho. Igama elihunyushwe “*omubi*” lapha izimpande zalo zisuka emqondweni weze noma ukungabi nalutho, nokuzama okuncane, amazwi ambalwa, ukucwayiza iso noma ukuvuma ngekhanda khona lapho. Lomphefumulo ungabhebhethekisa umlilo omncane ube mkhulu uphinde uvune ingxabano nokuphikisana. Kuze kube ekugcineni uNkulunkulu uyaqeda ngaye (Vs. 15 nogxile ekuphindaphindeni).

6:16-19 – Izinto eziyikhombisa ezizondwayo.

- Amehlo azidlayo anempakamo. Lowo ogcwele ukuzazi ngaphakathi kuze kubonakale nasebusweni, ngawo lawo mafastela omphefumulo.
- Nolimi lwamanga. Ukuvela ngaphandle kokubi kwangaphakathi nenzondo (26:28).

6:19 *nofakazi wamanga ophafuza inkohliso, obanga ukuxabana phakathi kwabazalwane.*
6:20 *Ndodana yami, gcina umyalo kayihlo, ungawushiyi umthetho kanyoko.*

- Nezandla ezichitha igazi. Ibhayibheli lisivezela ukuthi ngisho ukuzonda umuntu kungukumbulala enhliziyweni (1 Johan 3:15).
- Nenhliziyo eceba imicabango emibi, kuveza imicabango engaphakathi ecebe amagama amabi noma izenzo ezimbi noma izimfihlakalo nethemba lezinto ezingavunyelwe. Buka uGenesise 6:5, lapho izwi liveza ububi benhliziyo, *“nokuthi zonke izizindlo [igama lesiHebheru elifanayo] zemicabango yenhliziyo yakhe zimbi njalo”*.
- Nezinyawo ezishesha ukugijimela ebubini. Kukhuluma ngokuzimisela ukuphatha kabi omunye kungathi awuvinjwa ngisho ngunembeza.
- Nofakazi wamanga (ofihla iqiniso enkantolo) – Lapha kubhekwe kakhulu kumagama okungesiwo aweqiniso ukuthi asohlwini oluphezulu lwezinto inkosi ezizondayo.
- Obanga ukuxabana phakathi kwabazalwane.

- 6:21 *Yibophe enhliziyweni yakho njalo, uyithekeleze entanyeni yakho.*
6:22 *Mayikuhole ekuhambeni kwakho, ikulondoloze ekulaleni kwakho, ikhulume kuwe ekuvukeni kwakho.*
6:23 *Ngokuba imiyalo iyisibani, nomthetho ungukukhanya, nokusola ngokulaya kuyindlela yokuphila,*
-

6:20 – Siphinde siyathola lapha ubaba wezaga eqhubeka nokunxenxa indodana yakhe, ngaphansi kwesihloko esisodwa – gcina, gcina, gcina amazwi ami. Wagcine, ungawalahli. Njengoba sibona naku 3:3 & 7:3, ngakho-ke ku 6:21, “*yibophe enhliziyweni yakho njalo, uyithekeleze entanyeni yakho*” imiyalo. Lokhu akusho ukuthi usungakwenza ukuthi kubonakale njengokuba kubhaliwe njengoba kukhona amaJuda akwenzayo ezama ukuwabeka amazwi ezingalweni naseziphongweni, kunalokho kukhulunywa ngokuzimisela, uzindle uhambe nangakho lokuhlakanipha kwamazwi okuphila. Buka futhi ku 6:23, 4:13 no 7:2, bonke bathembisa isethembiso esisodwa sempilo enhle ngokulalela amazwi kaNkulunkulu nawabazali.

6:23 – Igama lesiHebheru elihunyushwe “*umthetho*” lithola umqondo walo ezintweni ezingavunyelwe, yingakho o “ungakwenzi” baNkulunkulu noma lokho okungafanelwe kwenziwe kukuhle futhi kukhulisa noma kufundisa. Umyalelo kaNkulunkulu wokungenzi uba ngumthwalo kwinhliziyi embi efuna

6:24 ukuze ugcinwe kowesifazane omubi, nasekuthopheni
kolimi lowesifazane ondindayo.

ukwenza lokhu okunqatshelwe, inhliziyo yozidlayo edinwa yigunya elingaphezulu kwayo. Kepha uNkulunkulu uyaveza ukuthi lokho okunqatshelwe nguye ngegunya lakhe “kufana nesibani ezweni elimnyama. *“Imiyalo kaJehova ilungile, ijabulisa inhliziyo”* (Hub. 19:8). Umqondo ojabulile wokuzimisela ukulalela imiyalo noma ukuyala kwenkosi kuthembisa impilo (Dut 5:29), nempilo ende (Dut. 6:2), ngokuba ihlonipha inkosi ngokubambelela ekwazini ukuthi iyakwazi okulungele abantu bayo. Umuntu ohlanganyela nombhali wehubo ekutheni *“ngiyakuthokoza ngemiyalo yakho engiyithandileyo”* (Hub. 119:47). Uthiwa “ubusisiwe” ngaphezu kwabo bonke abantu. *“Ubusisiwe umuntu omesaba uJehova, othokoza kakhulu ngemithetho yakhe”* (Hub. 112:1).

6:24 – Buka iphethini eqhubekayo

Gcina <u>amazwi ami</u>	Ukuze uphephe <u>kowesifazane ondindayo</u>
6:20-23	6:24-26
2:1-11	2:16-19

5:1-2

5:3-14

7:1-4

7:5-27

Kuyacaca umphumela ohamba phambili wokugcina amazwi kaNkulunkulu uyasiphephisa lapho kufika ukulingwa noma isilingo. “*Insizwa iyakuyihlanza kanjani indlela yayo na? Ngokugaphela okwezwi lakho*” (Hub. 119:9).

Imicabango yethu ijikiselwe “*kowesifazane ondindayo*”, ake sibone lomlingikazi ekukhulunywa ngaye kangaka kulencwadi ukuthi kanti ungonjani, ekwenzeni kanjalo sizobuka izinto esingambona ngazo, yena nesikhubekiso, ngokuba uyisikhubekiso esingumuntu, simyengela kokubi;

- 2:16 – Okokuqala esikufunda ngaye ukuthi unolimi olushelelayo.
- 2:17 – Uyekela iziyalo zasebusheni bakhe (akathembekile kumyeni wakhe).
- 2:17 – Ukhohlwa yisethembiso sikaNkulunkulu wakhe (akanakho ukumesaba uNkulunkulu).
- 2:18 - Uyindlela eholela ekufeni.
- 2:19 – Ukubola kokuhlangana naye nemiphumela yakho akusuki.

6:25 *Ungakhanuki ubuhle bakhe enhliziyweni yakho,
angakubambi ngezinkophe zakhe.*

- 5:3 – Futhi unamazwi amnandi nolimi olushelelayo, okuphezulu kakhulu ngukuheha kwamazwi akhe.
- 5:4 – Imiphumela yakhe mibi inobungozi.
- 5:5 – Uyindlela eya ekufeni nasesihogweni.
- 5:9-11 – Uyindlela yokulahlekelwa, ukulahlekelwa yinhlonipho, iminyaka yakho emnandi, ingcebo yakho, injabulo yakho kanye nempilo yakho. UJobe wakuqonda lokhu (Job 31:9-12).
- 5:23 – Uyindlela enkulu yobuwula.
- 6:24 – Ulimi lwakhe futhi (“olushibilikayo”). Uma eseke wakuqala ngamazwi amnandi, yesaba enhlizweni yakho! Futhi uma enamandla amangaka olimini lakhe okubi, abahlakaniphile balibamba kanjalo ulimi lwabo belibambela okuhle.
- 6:25 – Muhle. Ubukeka kahle impela. Khumbula ukuthi isikhubekiso sokuqala engadini safika kanjani “*wawumuhlu emehlweni*”. Ngisho igama elihunyushwe

6:26 *Ngokuba intengo yowesifazane oyisiphingi
iyiqebelengwane lesinkwa, kepha umfazi womuntu uzingela
umphefumulo onqabileyo.*

“izinkophe” linokwenza okuthile lapha. Qaphla ukuqaphela kukaNkulunkulu. Konke lokhu yilokhu aziveza sengathi uyikho. Njengalokho okuhlelwayo ngaphambi kokuba kwenziwe, wengeza konke lokhu ukuze ezobonakala njengalokho angesikho, konke kungukuzenzisa. Umdobi oseqophelweni uyalazi inani, kungesikho lokho ayenga ngakho, kepha indlela okuyiyo yokuyenga.

“Ungakhanuki ubuhle bakhe” – Buka ukwembula kukaNkulunkulu kuza kanjani kungakafiki ngisho isikhathi somlingi nokuwa. Isono sokungalaleli siqala ngisho ngakho ukukufuna lokho okungavunyelwe. Kanti futhi, Kungabe ibhizinisi lezocansi, abezikamabonakude base holiwudi kungabe kukuphi uma ngabe abantu bengeve bekujabulela? Lokhu kufuna okunakwayo yisono esifana nokufuna. Khumbula amazwi kaJesu encwadini kaMathewu 5:28, okungukuthi ngisho ukubuka owesifazane ngokumukhanuka usuphingile naye enhlizweni yakho. Nakhu ukunqatshelwa

6:27 *Umuntu angaphatha umlilo esifubeni sakhe, izingubo zakhe zingashi, na?*
 6:28 *Umuntu angahamba phezu kwamalahle avuthayo, izinyawo zakhe zingahanguki, na?*
 6:29 *Unjalo yena ongena kumkamakhelwane: akuyikuthiwa ongenacala noma yimuphi omthintileyo.*
 6:30 *Abamdeleli yini oyisela ukuthi uyeba ukuba azisuthise lapho elambile na?*

nguNkulunkulu okulungile “ungafisi....
 nokunye okomakhelwane wakho” (Ekso 20:17).

- 6:26 – Uthatha umuntu enze inani lakhe libe njengelesinkwa.

Okuseceleni

Imicabango maqondana nokuphinga ku 6:27-35;

- Kufana nokudlala ngomlilo (6:27). Ukwanga into efudumele okudlula umzimba ofudumele!
- Kufana nokuhamba phezu kwamalahle ashisayo (6:28). Dlala ngalomlilo, ube nesiqiniseko sokuthi uzosha kanzima!!
- “*Noma yimuphi omthintileyo*” angeke angakutholwa ukujeziswa kwakhe (6:29). Buka inkosi ixwayisa kanjani ngengozi yokumthinta kokuqala. Ngokuba izinhloso

- 6:31 *Uma efunyanwa, uyakubuyisa kasikhombisa, anikeze yonke impahla yendlu yakhe.*
6:32 *Ophinga nowesifazane akanakho ukuqonda; wenza lokho okuchitha umphefumulo wakhe.*
6:33 *Uyakuthola imivimbo nehlazo, nenhlamba yakhe ayiyikwesulwa.*
6:34 *Ngokuba isikhwele sendoda singukufutheka; ayiyikuyeka ngosuku lokuphindisela.*
6:35 *Ayiyikunaka neze ihlawulo; ayaneliswa, noma uphana ngeziph o eziningi.*
-

zethu zibonakala lapho ngokusobala. Wonke omthintayo uyakuthintwa nguNkulunkulu, “ngokuba inkosi ingumphindiseli kukho konke lokho” (1 Thes 4:6).

- Ukuphinga akuyishihi indawo yokudabuka njengokuba kuba njalo koyisela ngoba elambile, ophingayo akadabukeleki (Vs. 30).
- Kubiza inani elikhulu (Vs. 31).
- Kuveza ukungabi nangqondo nokungaqondi (Vs. 32).
- Kungukuchitha umphefumulo wakho (Vs. 32) Ukuphinga kuletha ukubhubha komphefumulo womnikazi. Ngokuba ukuphinga kulimaza lomunye umlingani (Efes 5:28-31).
- Ukuphinga kuletha isilonda kuqede inhlonipho (Vs. 33).

- 7:1 Ndodana yami, gcina amazwi ami, uzibekелеle imiyalo yami.
 7:2 Gcina imiyalo yami, uphile, nomthetho wami njengenhlamvu yeso lakho.
 7:3 Yibophe eminweni yakho, uyilobe esibhebheni senhliziyo yakho.
 7:4 Yisho kukho ukuhlakanipha: “Ungudadewethu,” ubize ukuqonda ngokuthi owazana nawe,
 7:5 ukuze bakugcine kowesifazane ondindayo, kumfokazi owenza bushelezi amazwi akhe.
-

- Kuletha ihlazo elingasuki (Vs. 33), akekho umuntu obuya ngokuphelele emva kokwehla lendlela (2:19).
- Kubeka isiphingi ezandleni ezingagodli zomyeni waso, ongeke athengwe noma afumbathiswe (vs. 34-35).

Qhathanisa lezindlela;

- URubheni (Gen 49:3-4). Ihlazo lakhe lagcinwa livela obala ekugcineni, wathola okumfanele (angeke uphumelele”).
- USamsoni (Hlu. 16). Akabanga esakwazi ukuzimela nabanye baze babone kuleliya lizwe.

-
- 7:5 – Ubonakala ngamazwi noma ulimi

7:6 *Ngokuba efasiteleni lendlu yami ngalunguza eheleni lami,*
 7:7 *ngabheka phakathi kwabangenalwazi, ngabona phakathi*
kwabasha insizwa engenakuqonda,
 7:8 *edlula esitaladini eduze negumbi lakhe, iya endleleni yendlu*
yakhe,
 7:9 *sekuhwelela kusihlwa, esigayegayeni sobusuku*
nobumnyama.
 7:10 *Bheka, isihlangabezwa ngowesifazane; izingubo zakhe*
zingezesifebe, enobuqili enhliziyweni.

olushelelayo (siyabona isibonelo samazwi akhe ku 14:20). Qhathanisa nowesifazane ohlakaniphile wesahluko 31, okhuluma kuphela ngokuhlakanipha nangobumnene (31:26). Owesifazane ondindayo usebenzisa ulimi lakhe njengesikhali, njengokuba inyani ezingelayo isebenzisa ubuchule bayo.

- 7:10 – Uggoka ingubo kanondindwa. Lena ngokusobala yingubo ende, engamneli kahle, engaphansi kwamadolo? Cha, uyazi asoze kwaba njalo! Ucabanga ukuthi kulesikhathi samanje ibukeka kanjani ingubo yakhe? Hlampe ezemfashini yamanje? Kufanele ukuba iyamukala, kungenzeka iyambamba noma yakhiwe ngendwangu embi uma kungukuthi ikhona, kepha manje ake ubuke emgaqweni lezinto ezibambanayo nodangara abaphezulu ungitshele ukuthi ubonani. Kungabe ubona indodakazi yakho? “*Izingubo zakhe zinjengezesifebe*” kungabe yilezingubo

*7:11 Uyanyakaza engenakuthula; izinyawo zakhe azihlali
endlini yakhe;
7:12 manje usemigwaqweni, nangu usezigcawini, uqamekela
emagumbini onke.
7:13 Useyayibamba, uyayanga; uthwala amehlo, uthi kuyo:*

ezithi “ngibuke, ngilapha”.

- 7:10 – Inhliziyo yakhe enobungozi, akayona into yokuganga mfowethu!
- 7:11 – Unenkani - Owesifazane ongavinjwa yilutho, ongenanhlonipho, ozenzela lokho afuna ukukwenza angazigqizi qakala ngokunye.
- 7:11 – Akaneliswa ekhaya. Kokhona okunye akudingayo ngokuba injabulo yakhe ayibhekiwe kwinjabula yengunaphakade.
- 7:12 – Kuyimanje uphandle, “umele azomthola” (njengebhubesi) kuzo zonke izimpambanamgaqo. Igama elifana naleli la 6:26 lihunyushwe “ukuzingela” njengokuba ehlala sengathi ulinde azokumubhozomela.
- 7:13 – Akanawo nhlobo amahloni futhi unesibindi esibi.
- 7:13 – Ngaphandle ubukeka ethembisa futhi ubukeka eheha ngokwezocansi. Uyathinteka

7:14 *“Imihlatshelo yeminikelo yokuthula yayingifanele;
namuhla sengicwalisile izithembiso zami.*
7:15 *Ngalokho ngiphumile ukukuhlangabeza ukuba ngifunisise
ubuso bakho; sengikutholile.*
7:16 *Ngendlele umbhede wami ngezindwangu zokumboza,
nelineni elinemishwe laseGibithe.*
7:17 *Ngifafazile umbhede wami ngemure,* nangomhlaba,
nangokinamona.**

nje futhi naye uyathinta. Inkosi isinikeza izimpawu lapha.

- 7:13 – Unobuso obudelelayo, ubuka ngokudelela.
- 7:14 – Uziveza kungathi ungumuntu wenkolo, othi uma esekwenzile okwenkolo. Kuze kubukeke sengathi unesimo sobungcwele.
- 7:14-20 – uyabelesela. “Wena...wena...wena”, yiculo lakhe leli (Vs. 1) Buka ukuthi izinhliziyu uzibamba azizuze kanjani. Yikho lokhu okuthandwa ngabantu besilisa. Umlingi uza ngokuthi “ngifuna wena, okungathi yilokhu angakutholi ekhaya.
- 7:16-17 - Wenze umbhede wakhe waba muhle waba ntofontofo, waze wanuka kamnandi. Uyahaleleka kuzo zonke izinzwa. Ukudwebela isithombe! Kanti futhi, ungathi konke kwenzelwe wena (Vs. 15). Sengathi ucabangisisile enzela oyedwa, ngokwenze njalo

*7:18 Woza sizanelise ngothando kuze kuse, sijabule
ngokuthandana.*

*7:19 Ngokuba indoda yami ayikho ekhaya; ihambile uhambo
ohude;*

*7:20 yaphatha isikhwama semali ngesandla sayo; iyakubuyela
ekhaya ngosuku lokuhlangana kwenyanga.”*

kuba nzima ukumenqaba ngoba manje
akusekho okokuthi awumfuni kodwa
sekungathi uyamdelela.

- 7:18 – Uyamumemela ukuba benze ucansi.
Uyezwa yena ukuthi sesisondele isikhathi
sokuthola lokhu akufunayo. Buka ukuthi
ubufihla kanjani ubuyena obungubulwane
ngokusebenzisa igama (“uthando”) enze
kancono kunalokhu okuyikho.
- 7:19-20 – Ngokuhlakanipha ususa konke
ukwesaba neziphazamiso. Uthinta konke
okufunwayo ngaphandle kwesimilo lesi aqeda
ngaso!

Ukukhuluma kwakhe kwenza sengathi ubemlindele.
Kungenzeka ukuthi ubeseke wambona edlula
ezitaradini ngaphambilini! Hlakanipha ukubone
ukuthinta ozithola ukukho kanye
nokuzibandakanya okukusondeza kukunike
ithemba elingaphelele (Job. 31:9). Bheka lona
uyakwazi akufunayo ngisho nakufuna kancane.

- 7:21 *Uyamphambukisa ngamazwi akhe amaningi amahle;
ngokuthopha kwezindebe zakhe uyamyenga.*
- 7:22 *Uyamlandela masinyane njengenkabi iya ekuhlathweni
nanjengamaketanga ehlela isiboshwa esiyisiwula,*
- 7:23 *umcibisholo uze uhlabe isibindi sakhe njengeniyoni
isheshela ogibeni, ingazi ukuthi lubekehlwe ukuphila kwayo.*
- 7:24 *Ngalokho, bantwana, ngizweni, nilalele amazwi omlomo
wami.*
- 7:25 *Inhliziyo yakho mayingaphambukeli ezindleleni zakhe,
ungahambi emikhondweni yakhe.*
-

Emva kokudansa okuningi kuza ukuhlebeza kwemiyalo kababa, “*ndodana yami, uma izoni kikuyenga, ungavumi*”.

7:21-27 – Ukuphela kwendaba. “Ngamazwi akhe ahehayo” umenza aze avume. Umenza ajike endleleni “elungile” noma “ngokuphuthuma” noma “konke kanye kanye” okwenza lona obengakasithathi isinqumo agcine esenikezela. Ukunikezela okuhle? Kungabe uyadlala? Bukisisa isijeziso esizolandela, okuveza isiphetho esilandelayo kuye lona ocabanga kancane oyengekayo (Vs. 22)! Isiwula esikhuluphalisiwe (Vs. 22). Inhliziyo eyonakalisiwe (Vs. 23)! Inyoni esogibeni (Vs. 23)!

7:25 – Lapha kugqugquzelwa ukugada inhliziyo yakho (ngaphezu kwakho konke okugadayo 4:23). Izinyawo zethu zilandela indlela elapho imicabango yethu ikhona. Ungazivumeli ngisho ukuba ucabange

*7:26 Ngokuba uwisile phansi abaningi abalimeleyo;
ababuleweyo bakhe bayisixuku esikhulu.
7:27 Indlu yakhe iyindlela eya endawemi yabafileyo, yehlela
emakamelweni okufa.*

noma ufise ukuzitika ngaye.

7:26-27 – Sikhumbula uSamsoni noSolomoni lapha, amadoda ayenamandla ngezindlela ezahlukenene, kepha womabili anqotshwa. Buka ngale kobuhle bakhe uze ubone ngemuva. Buka nokukhunjuzwa kathathu kuvesi 25-27 ukuthi uyisitebhisi eshlela “phansi”.

Lesono sokuphinga ngisibona sithintiwe emiyalweni noma ekulayeni kwenkosi ilaya abasha ngasekuqaleni kwalezahluko. Kuyacaca ukuthi lena yinto ebaluleke kakhulu, futhi evela kakhulu ethinta abadala nabasha.

“Ubusisiwe umuntu ongizwayo,
elinda imihla ngemihla
ngasemasangweni ami,
ehlala ngasezinsikeni
zeminyango yami”

(Izaga 8:34)

Isahluko 8

- 8:1 *Ukuhlakanipha akumemezi yini, nokuqonda akukhiphi izwi lakho na?*
8:2 *Kumi esiqongweni sezindawo eziphakemeyo, ngasendleleni phakathi kwemikhondo.*
8:3 *Ngaseceleni kwamasango, ngasekungeneni komuzi, lapho kungenwa ngeminyango, kuyamemeza ngokuthi:*
8:4 *“Nginyanibiza nina madoda; izwi lami likumadodana abantu.*
-

Isahluko 7&8 ziqhathanisa “abesifazane” ababili, bobabili bevezwe ngendlela yedrama. Kwisahluko 7 kugxilwe kowesifazane ondindayo nokuyengela kwakhe ebubini, kwisahluko 8 kugxilwe kukuhlakanipha nakho konke okuneqiniso futhi okulungile. Sizophinde sibabone beqhathaniswa kwisahluko 9. Kungathi selokhu iqalile lencwadi sincike kakhulu kwisahluko 8. Sibona ngasekuqaleni ukukhanya kokuhlakanipha nokuphakanyiswa kwakho, manje sekukhanya bha kungathi kusemini, konke lokhu kwenzelwe ukuba umfundi athathe isinqumo sokuwela ngasekuhlakanipheni.

8:1-5 – Ukunxenxa kokuhlakanipha. Siyezwa kuthiwa kusemgaqweni, kunxenxa bonke abadlulayo (1:20-21). Kugxile kubo bonke labo

- 8:5 Qondani ukuhlakanipha nina eningenalwazi; nani ziwula, manibe nenhliziyo eqondileyo.
- 8:6 Zwanini, ngokuba ngiyakulanda okukhulu; ukukhamisa kwezindebe zami kuyakuba ngokulungileyo.
- 8:7 Ngokuba umlomo wami uyakukhuluma iqiniso; ububi buyisinengiso ezindebeni zami.
- 8:8 Onke amazwi omlomo wami asekulungeni; akukho okuyisigwegwe nokuphambeneyo kuwo.
- 8:9 Aqondile onke koqondayo; alungile kothola ukwazi.
- 8:10 Yamukelani ukufundisa kwami kunesiliva, nokwazi kunegolide elikhethekileyo.
- 8:11 Ngokuba ukuhlakanipha kuhle kunamarubi,* nakho konke okungafiswa akunakulinganiswa nakho.
- 8:12 Mina kuhlakanipha ngakhile ekuqondeni, ngithola ukwazi namasu.
-

abangenalwazi, laba abasheshe bayengeke bagijimele ebubini nakwiziwula (Vs. 5; 1:22). Lapha kuvela ngokusobala ukuthi ukuhlakanipha kukaNkulunkulu kungatholwa ngisho abangenalwazi noma abantukazana abaphendula kulokhu abanikezwa kona. Abafuna ngokuzimisela (Vs. 17&34), impela bayathola ngokuba banxenxwa ngokunxenxwa kwasezulwini.

8:5 – Unika ukuqonda kulabo abangenakho, okuveza ukuthi lokuqonda “okuthakaselwayo” nakho konke okungaphandle kweqiniso kungubuwa. Kuthatha ukuthobeka ukuvuma lokhu, ukuphenduka ebuwuleni babantu uthakasele ukuqonda kweqiniso.

- 8:13 *Ukumesaba uJehova kungukuzonda okubi; ukuzidla,
nokuzikhukhumeza, nendlela embi, nomlomo wobuphoxo,
ngiyakuzonda.*
- 8:14 *Kimina kukhona ukululeka nempumelelo; ngingukuqonda,
nginamandla.*
- 8:15 *Amakhosi abusa ngami, nababusi bamisa ukulunga.*
- 8:16 *Izikhulu zibusa ngami, namakhosana, bonke abahluleli
bomhlaba.*
- 8:17 *Ngiyathanda abangithandayo; abangifunayo
bayakungifumana.*
- 8:18 *Ingcebo nodumo kukimi, ukunotha okumiyo nokulunga.*
- 8:19 *Isithelo sami sihle kunegolide, kunegolide elicwengekileyo,
nenzuzo yami kunesiliva elikhethekileyo.*
- 8:20 *Ngiyahamba endleleni yokulunga, phakathi kwemikhondo
yokwahlulela,*
-

9:6-9 – Ukuhlakanipha bobungcwele. Kuthembekile futhi kulungile, kuqondile (Vs. 6). Kuliqiniso, kwala bonke ububi namanga (Vs. 7) Kulungile futhi kugwema ukungalungi nokuphapha (Vs. 8). Indlela yakho isobala futhi ilungile (Vs. 9). Kuqhathaniswa indlela yobubi neyokulunga. Ukuhlakanipha yisithombe sobungcwele, ikakhulukazi bomlomo nezindebe.

8:10-11 – Okuqhakambiswa ngukuhlakanipha. Kumele kufunwe ngaphezu kwesiliva, igolide, itshe lenani nakho konke okuhle.

8:12-21 – Isethembiso sokuhlakanipha. Yisithombe sokuqaphela, ngisho amaqhinga ngendlela elungile (Vs. 12) Buka uJoshuwa e-Ai (Josh 8) kanye no

- 8:21 ukuze ngenze abangithandayo badle ifa lemfuyo,
ngigcwalise izindlu zabo zengcebo.
- 8:22 “UJehova wangidala ngingukuqala kwendlela yakhe
ngaphambi kwemisebenzi yamandulo.
- 8:23 Ngamiswa kwaphakade kwasekuqaleni, umhlaba
ungakabikho.
- 8:24 Lungakabikho utwa ngazalwa, ingakabikho imithombo
egcwele amanzi.
- 8:25 Zingakasekelwa izintaba, namagquma engakabikho,
ngazalwa,
- 8:26 engakawenzi umhlaba namasimu, nokuqala kothuli
lweze.
- 8:27 Ekulungiseni kwakhe izulu ngangikhona, nasekudwebeni
kwakhe umkhathi ebusweni botwa.
- 8:28 Lapho enza ukuba isibhakabhaka phezulu siqine,
nemithombo yotwa iphuphume ngamandla,
-

Nathani ekhuza uDavide (2 Sam. 12). Labo abesaba inkosi bazonda ububi. (Vs. 13). Ukuhlakanipha kungaholela kwengcebo kepha okukunikezayo kungaphezu kwengcebo yasemhlabeni (Vs. 18-19, 21). Ukuthembisa kokuhlakanipha kulokho okufunayo “ukuhamba endleleni yokulunga” (Vs. 20, phakathi kwentando kaNkulunkulu. Kungekho ukuguqukela kwesokudla noma esokunxele.

8:22-31 – Ukuza kokuhlakanipha. Kwakukhona ngaphambi kwazo zonke izinto, kukhona nasekudalweni. Amagama anjena ngathi akhulunywa nguJesu lapha (Kol. 1:17), “wayonganyelwe” (Vs. 22) noma ebekelwe (Vs. 23) waphinde walethwa ekuzalweni (Vs. 24-25). Njengalokhu noJesu wayelokhu ekhona kepha

- 8:29 *lapho emisela ulwandle umncele, ukuze amanzi angeqi izwi lakhe, nalapho emisa izisekelo zomhlaba,*
 8:30 *khona nganginaye ngiyingcweti yomsebenzi, ngiyintokozo yakhe imihla ngemihla, ngijabula phambi kwakhe isikhathi sonke,*
 8:31 *ngijabula ezweni lomhlaba wakhe, intokozo yami ikanye namadodana abantu.*
 8:32 *“Ngalokho, bantwana, ngizweni, ngokuba babusisiwe abagcina izindlela zami.*
 8:33 *Yizwani ukulaya, nihlakaniphe, ningakwenqabi.*
 8:34 *Ubusisiwe umuntu ongizwayo, elinda imihla ngemihla ngasemasangweni ami, ehlala ngasezinsikeni zeminyango yami.*
 8:35 *Ngokuba ongifumanayo, ufumana ukuphila, azuze umusa kuJehova.*
 8:36 *Ongangifumani uyona umphefumulo wakhe; bonke abangizondayo bathanda ukufa.”*
-

“wazalwa ngowesifazane”. Ungumthombo wokujabula (Vs. 30-31), ujabula “njalo” kuNkulunkulu, kanjalo nakubantu (Vs. 31). UNkulunkulu wenza izinto ngokuhlakanipha, ngakho kumele singazami lutho ngaphandle kokuhlakanipha.

8:32-36 – Ukunxenxa kokuhlakanipha. Ngaphezu kwalokhu akushoyo, ukuhlakanipha kunereferensi yangesikhathi kudalwa, isethembiso sokuthokoza kwangempela, amandla okufa nokuphila (Vs. 35-36). Umqondo ongemuva kwegama “*abangizondayo*” kuvesi 36, usho “ukudlulwa”. Naku ukhuqhathanisa kwalokho okutholiwe kuvesi 35 nalokhu okushodayo kuvesi 36.

Buka ukuhlakanipha kuziveza kanjani kuvesi 32-34, ngonxantathu wokunxenna ukulalela kanye nesethembiso esiphindwe kabili sesibusiso.

Isahluko 9

- 9:1 *Ukuhlakanipha kwakhile indlu yakho; kuzibazile izinsika zakho eziyisikhombisa.*
9:2 *Kuhlabile umhlatselo, kuvubele iwayini lakho; futhi kulungisile itafula lakho.*
9:3 *Kuthumile izintombi zakho, kuyamema emagqumeni aphakemeyo omuzi, kuthi:*
9:4 *“Ongenalwazi makaphambukele lapha,” kongenangqondo kuthi:*
9:5 *“Wozani nidle isinkwa sami, niliphuze iwayini engilivubeleyo.”*
-

Kwizaga 9 sibona futhi ukuhlakanipha kumemezela umyalezo kusukela “ezindaweni eziphezulu zedolobha”. Manje sekuphethe ezinye izici, njengokuba naku-Esteri enza idili, waze wathumela nabasizi (abafundi bakhe). Kungabe uyakhumbula? Kungenzeka ukuba umfanekiso kaKristu wedili lomshado wawusuka lapha (Mat. 22:1-14; Luk. 16:16-24).

9:4 – Umyalezo wokuhlakanipha ulula, labo ababalwe kulencwadi. Labo yilaba abangenakho ukuqonda futhi abakhohlisekayo uma kuza ngasebubini.

9:5-6 – Injula yalomyalezo ihambisana nemiyalo (isithupha);

- “Wozani”
- “Nidle isinkwa sami”.
- “Niliphuze iwayini engilivubileyo” Buka U-Isaya 55:1-2).
- “Yekani ubuwula” – Bayekeni abayiziwula, ukuhlakanipha akuve bukutshela ngokumele uhlanganyele nabo kuphela, kepha kuyakuxwayisa ngokuhlanganyela nababi.
- “Niphile” – isikhumbuzo sesithembiso esiqhubekayo sempilo nokuyikhetha (3:2, 16, 18, 22; 4:4, 10, 13, 22; 6:23; 7:2; 8:35; 9:11), nesiqiniseko sakhe sokuthi uma ukulahla ukhethe indlela yobubi nokufa (1:32; 2:18-19; 5:5; 7:22-23, 26-27; 8:36; 9:18). *“Oqinile ekulungeni uyakuphila, kepha olandela okubi, kuyakuba ngukufa kwakhe”* (11:19).
- “Nihambe ngendlela yokuqonda”.

Yizwa ukunanela kwamazwi akhe emazwini kakristu;

- *“Zanini kimi...”* (Mat 11:28).

9:7 “Osola isideleli uzithathela inhlamba; othethisa omubi uzitholela isisihla.

9:8 Ungathethisi isideleli, funa sikuzonde; thethisa isihlakaniphi, siyakukuthanda.

- “Odlá inyama yami, aphuze igazi lami, unokuphila okuphakade, mina ngiyakumvusa ngomhla wokuphela” (Joh 6:54). Lokhu kuveza imiphumela yaphakade yokuhambela leli dili.
- “Kepha lowo oyakuphuza amanzi engiyakumnika wona kasayikoma naphakade” (Joh 4:14).
- “Uma ekhona owomileya, akeze kimi, aphuze” (Joh 7:37).
- Umfanekiso wakhe wesimemo sasesidlweni.

Kubukeka sengathi inhliziyo kaKristu yayigcwele izithombe zakwincwadi yokuhlakanipha. Wavumela ukuba izwi likaNkulunkulu eliphakade lihlale livame ngokuhlakanipha konke kuye (Kol 3:16).

9:7-12 – Manje sekujikelwa kwabalalele, ukuveza ukuphendula okubili kwabantu abasemgaqweni;

- Ivesi 7-8 – Lapha yisedeleli esingacabangi, esinqaba ukuba ukulaywa kungene kuhlale.

- 9:9 *Siphe isihlakaniphi, siyakwanda ngokuhlakanipha; fundisa olungileyo, uyakwenezela emfundweni.*
9:10 *“Ukuqala kokuhlakanipha kungukumesaba uJehova, nokumazi oNgcwele kungukuqonda.*
9:11 *Ngokuba ngami izinsuku zakho ziyakuba ziningi, neminyaka yokuphila kwakho iyakwenezelwa kuwe.*
-

“Ngokuba imiyalo iyisibani” (6:23), kepha kwaliwa yilona, indlela yakhe iya ekufeni. Buka u 10:17, hlampe lokhu akusikho ukukhuza ukukhuluma noma ukukhuza isedeleli njengoba kuyisexwayiso salokho umkhuzi azimisele ngakho.

- Ivesi 8-12 – Loyo ofundisekayo uyakhula ekuhlakanipheni.

Buka ukuthi indaba yokufa nokuphila akusiyo indaba yesinqumo somzuzwana noma ukusho umkhuleko wesoni. Kepha yisimo senhliziyo sokwamukela noma ukwala (ukukhuza) kwezwi likaNkulunkulu. Akusona isinqumo sangaleso sikhathi noma indlela nje yokwenza.

Abahlakaniphile abanaphutha, ngokuba bahlezi befuna ukukhuzwa, kepha ubabona kahle kakhulu ngokuzimisela ukuzwa (ngisho nothando), umkhuzi, ngokuba babona ukukhuzwa kuholela ekuhlakanipheni okukhulu (10:18). Kepha isedeleli,

9:12 *Uma uhlakaniphile, uzihlakaniphele; uma udelela, uyakukuthwala wena wedwa.”*

9:13 *Ubuwula bungowesifazane oyisithutha onomsindo, ongazi lutho.*

9:14 *Uhlezi ngasemnyango wendlu yakhe esihlahweni ezindaweni eziphakemeyo zomuzi*

9:15 *ukuba ameme abadlula endleleni, abaqonda emikhondweni yabo, ngokuthi:*

ngokuzitshela sima endleleni yenqubekela phambili yaso. Sizibona siphakathi “kwabangama-99 abangadingi ukuphenduka”, ngakho asizimisele ukuzwa ukuboniswa nokukhonjiswa amaphutha. Silaphaya phezulu sibuka phansi kubo bonke abanye. Kungabe laba abaphansi bangasisiza ngani?

9:12 – Lokhu akusho ukuthi umuntu akanawo umthelela kwabanye, kepha ukuthi umuntu oyedwa uyena ozuzayo noma alahlekelwe ngenxa yokukhetha kwakhe.

9:13-18 – Lona omunye. Okunye kokuchazayo ngalesahluko yilesidlo owesifazane ongahlakaniphile asigijimelayo ngokuziqhenya. Amazwi akhe okuqala ayafana nawokuhlakanipha (Buka uvesi 4&16). Usathane uhlezi efuna ukuphikisana umyalezo wenkosi. Kepha kunokudonsela umuntu ezintweni eziphezulu, ufuna lezi zinto eziphansi zenyama, ubumnandi bezinto ezingavunyelwe (Vs. 17). Okushiwo kuvesi 17 ngesinkwa sentukuso, kuveza

9:16 *“Ongenalwazi makaphambukele lapha,” kongenangqondo
uthi:*
9:17 *“Amanzi ebiweyo amnandi, nesinkwa sentukuso
singesenamisayo.”*
9:18 *Kepha akazi ukuthi kuyizithunzi ezilapho nokuthi
izimenywa zakhe zisezigodini zendawo yabafileyo.*

umqondo wakhe wokufihla njengoba isimemo sakhe sikokumelene nomthetho kaNkulunkulu nokulunga (Buka u 20:17).

Iqiniso lithi, lona ozenza umfundisi unesiqu esingaphezu kwabafundisayo, ngokuba uNkulunkulu uthi “akanalwazi”, engenakuqonda, engenahliziyo njengalabo azobafundisa (Vs. 13&16).

Isahluko 10

*10:1 Nazi izaga zikaSolomoni: Indodana ehlakaniphileyo
ithokozisa uyise, kepha indodana eyisiwula ilusizi kunina.*

*10:2 Ingcebo yobubi ayisizi lutho, kepha ukulunga kophula
ekufeni.*

*10:3 UJehova akavumi ukuba olungileyo alambe, kepha isifiso
somubi uyasihlohloloza.*

*10:4 Isandla esinobudenge siveza ubumpofu, kepha isandla
sokukhuthala siyacebisa*

Kwisahluko 10 singena kwindikimba yalencwadi yezaga, lapha sizothola ushintsho kwistayela ekubhalwe ngaso, izitanza zizoba ncane kugcwale imisho ezimele yokuqhathanisa izindlela ezahlukeni zobuhle nobubi, ukukhanya nobumnyama.

10:1 – Ndodana ehlakaniphileyo, baba omamathekayo, ndodana eyisiwula, mama ososizini. Kuyisihloko esiphindaphindiwe kanye nesexwayiso.

10:2-3 – Umthombo weqiniso wokuphepha. Okuzuzwe ngendlela embi akusoze kwazuzisa. Kepha inkosi izuzisa olungileyo. Buka uMathewu 6:24-34.

10:4-5 – Uhlangothi lobuntu nokuzimisela. Umqondo osemvakwegama “ukuzimisela” usho

10:5 *Obutha ehlobo uyindodana ehlakaniphileyo; olele
ubuthongo ngesikhathi sokuvuna uyindodana ehlazisayo.*
10:6 *Izibusiso zisekhanda lolungileyo, kepha umlomo wababi
uyafihla ubudlwangudlwangu.*
10:7 *Ukukhunjulwa kolungileyo kubusisekile, kepha igama
lababi liyabola.*
10:8 *Ohlakaniphile ngenhliziyo uyakwamukela imiyalo, kepha
isiwula esiphoshozayo siyakuwiswa.*

ozimisele ukuhlela kahle njengakuvesi 3. Ukuhlakanipha kunokuningi okungakusho ngenzuzo yokuzimisela noma ukukhuthala (1224; 13:4; 21:5; 22:29; qathanisa no 6:6-11). Buka futhi ngokuqathanisa isizathu sesibusiso ezinhlangothini zombili zokuphumelela kwenkosi uZedekiya;

- Ohlangothini lomuntu – wenza akwenza ngenhliziyo yakhe yonke, waphumelela (2 Kro 31:20-21).
- Ohlangothini lwaphezulu – Inkosi yayinaye futhi yamuphumelelisa (2 Kho. 18:6-7). Buka izaga 10:22, lapho khona “*Isibusiso sikaNkulunkulu*” sigcizelelwe, kungathi kususwa yonke eminye imithombo yokuphumelela. “*Uma uJehova engayakhi indlu, basebenzela ize abayakhayo*” (Hub. 127:1).

Igama elihunyushwe “*ehlakaniphileyo*” kuvesi 5

10:9 Ohamba ngobuqotho uhamba ngokulondeka, kepha ohlanekezela izindlela zakhe uyakwaziwa.
10:10 Oqwayiza iso ubanga usizi, kepha osola ubuso nobuso uveza ukuthula.
10:11 Umlomo wolungileyo ungumthombo wokuphila, kepha umlomo wababi ufihla ubudlwangudlwangu.
10:12 Inzondo iyabanga ukuxabana, kepha uthando luyasibekela iziphambeko zonke.
10:13 Ezindebeni zoqondileyo kufunyanwa ukuhlakanipha, kepha uswazi lungolomhlane wongenangqondo.

liphethe umqondo waloyo oqaphelayo, ongokuzimisela usebenza ngokuzimisela okuletha ukuphumelela.

10:6 – Inkosi manje isiphendukela emazwini ethu (izindebe, umlomo, ulimi). Asikho esinye isahluko kulencwadi esikhuluma ngomlomo wethu nokunye njengalana (izikhathi ezili-13). Futhi asikho esinye isahluko esikhuluma ngokulunga njengalesi, labo abasebenza ngokuzimisela, benza lokhu okulungile (izikhathi ezili-13). Ngakho-ke isihloko esigqamile lapha “umlomo wolungileyo, kuqhathaniswa nawalowo omubi. Maqondana nomlomo wolungileyo;

- Ivesi 11 – Umthombo wempilo (qhathanisa u 13:14; 16:22).
- Ivesi 13 – Yilapho kutholakala khona ukuqonda.
- Ivesi 19 – Kuyakwazi umkhawulo.

10:14 Abahlakaniphileyo bayabekelela ukwazi, kepha umlomo wesiwula uyincithakalo eseduze.
 10:15 Imfuyo yesicebi ingumuzi waso onamandla; incithakalo yabampofu ingubumpofu babo.
 10:16 Umsebenzi wolungileyo ungowokuphila; inzuzo yababi ingeyokona.
 10:17 Onaka ukulaywa usendleleni yokuphila, kepha owenqaba ukusohwa uyaduka.
 10:18 Ofihla inzondo unezindebe zamanga; ophumisa inhlebo uyisiwula.

- Ivesi 20 – Kungukukhetha isiliva.
- Ivesi 21 – Kondla abaningi.
- Ivesi 31 – Kuletha ukuhlakanipha. “Kuletha”, igama elichaza ukuvukuzeka ukuthela izithelo kolimi oluhlakaniphile. Ithuluzi lokuthela izithelo emhlabeni kaNkulunkulu wokusebenza.
- Ivesi 32- Kuyakwazi okwamukelekile.

Qhathanisa nomlomo womubi;

- Ivesi 6 & 11 – Ugcwele ubundlobongela.
- Ivesi 8, 10 & 19 – Ungubulima, ngokona uyakhuluma nje. Umusho okuvesi 8 & 10 “isiwula esiphoshozayo”, isilima nje “isiwula solimi”, kukhulunywa ngalowo okhuluma ubuwula futhi okhuluma kakhulu.

10:19 *Lapho amazwi emaningi khona, akuphuthi ukuphambeka; obamba umlomo wakhe uhlakaniphile.*
 10:20 *Ulimi lolungileyo luyisiliva elikhethekileyo; ingqondo yababi iyinto encane.*
 10:21 *Izindebe zolungileyo ziyondla abaningi, kepha iziwula ziyafa ngokuswela ingqondo.*
 10:22 *Isibusiso sikaJehova siyacebisa; akenezeli usizi kuso.*
 10:23 *Ukwenza okubi kunjengokudlala kuso isiwula; kunjalo ukuhlakanipha kumuntu onengqondo.*

- Ivesi 14 – Kuseduze nokubhujiswa.
- Ivesi 18 – Kufihla inzondo namanga.
- Ivesi 18 – Ukhuluma kabi. Lezimpendulo ezimbili kuvesi 18 zincike ekutheni zikhulunywe phambi kukabani.
- Ivesi 31 – Uyakunqanyulwa.
- Ivesi 32 – Ukhuluma ububi.

Ukuqhubeka kolungileyo;

- Ivesi 6 – Izibusiso ekhanda labo.
- Ivesi 7- Imicabango ngabo ibusisiwe.
- Ivesi 9 – Bahamba ekulungeni. Igama lesiHebheru elisemvakwegama “*olungile*” liphethe umqondo walowo ongenalwazi olukhulu. Kukhuluma ngokungabi bikho kwenzondo noma imizindlo emibi. Buka ukwehluka kwezenzo kuvesi 10.

10:24 Akwesabayo omubi kuyamehlela, nabakufisayo
 abalungileyo bayakuphiwa.
 10:25 Lapho sidlula isivunguvungu, akasekho omubi, kepha
 olungileyo uyisisekelo esingunaphakade.
 10:26 Njengoviniga emazinyweni nomusi emehlweni, linjalo
 ivila kwabalithumileyo.
 10:27 Ukumesaba uJehova kuyandisa izinsuku, kepha iminyaka
 yababi iyancishiswa.
 10:28 Ithemba labalungileyo liyakuba yintokozo, kepha
 abakwethembayo ababi kuyakubhubha.

- Ivesi 9 – Bahamba ngokulunga, bengenakusaba.
- Ivesi 16 – Umsebenzi wabo uletha impilo.
- Ivesi 24 – Izifiso zabo ziyakupheleliswa.
- Ivesi 25 – Bayisisekelo esingunaphakade.
- Ivesi 28 – ithemba labo (abakulindele) liyakuba yinjabulo.
- Ivesi 29 – Indlela yenkosi ingamandla abo. Ababi bangabuka abalungile, abangenazo izinhloso ezimbi noma ababazingelayo, kepha umlweni wabo wanele.
- Ivesi 30 – Abasoze basuswa.

Ukuqhubeka kwababi;

- Ivesi 7 – Igama labo alisoze labola.

10:29 Indlela kaJehova iyingqaba kopheleleyo, kepha incithakalo ikubenzi bokona.
 10:30 Ohungileyo akayikunyakaziswa kuze kube phakade, kepha ababi abayikuhlala ezweni.
 10:31 Umlomo wolungileyo uyathela ukuhlakanipha, kepha ulimi oluphambeneyo luyakunqunywa.
 10:32 Izindebe zolungileyo ziyakwazi okuhle, kepha umlomo wababi okuphambeneyo.

- Ivesi 8 & 10 – Bayakuwa.
- Ivesi 9 – Bayakwaziwa noma bafunyanwe. Ukungalungi kwabo angeke kuhlale kungembulwa.
- Ivesi 16 – Izithelo zabo yisono.
- Ivesi 20 – Inhliziyo yabo iphethe okuncane.
- Ivesi 21 – Bayafa ngenxa yokuswela ukuhlakanipha. Izinhliziyi zabo azinakho ukuhlakanipha, kepha banokuningi abakushoyo. (Vs. 8 & 10)!
- Ivesi 23 – Indlela yabo ngukwenza okubi. Umqondo namandla lapha kunokuvuka nje wenze “ukungalungi”.
- Ivesi 24 – Ukwesaba kwabo kuyakwehlela kubo. Kuyini ukwesaba kwabo, kepha umahluleli wabo bonke abantu, loyo bonke okumele bame phambi kwakhe?

- Ivesi 25 – Njengesivunguvungu, isikhashana nje abasekho.
- Ivesi 27 – Iminyaka yabo iyanqanyulwa.
- Ivesi 28 – Balindela ubala.
- Ivesi 29 – Ukubhubha kuyakuba phezu kwabo.
- Ivesi 30 – Abasoze badla umhlaba.

Buka indaba yengcebo kwisahluko 10 (Vs. 15, 22).

Isahluko 11

11:1 Isilinganiso esikhohlisayo siyisinengiso kuJehova, kepha isisindo esiyiso siyintokozo yakhe.

11:2 Lapho kufika ukuziqhenya, kufika nehlozo; kepha kwabathobekileyo kukhona ukuhlakanipha.

11:3 Ukuphelela kwabaqotho kuyabahola, kepha ukuphambanisa kwabambuluzayo kuyabachitha.

11:4 Ingebo ayisizi ngosuku lolaka, kepha ukulunga kophula ekufeni.

11:1 – Izikali ezibekwe ngamabomu zibekelwe ukukhohlisa. Lokhu kungaba yiqiniso kwizikhubekiso ezinye ezibekiwe nokuzenzisa okwenziwe ngamabomu, ngisho noma ukudlala ngeqiniso ukuze uzozuza inzuzo yemali. Buka imizwa yenkosi kukho kokubili. Ukwenza kahle neqiniso akusizo izinto ezincane phambi kwenkosi.

11:2 – Abahlakaniphile bethobekile. Igama elihunyushwe “*kwabathobekileyo*” yigama elingajwayelekile (litholakala lapha naku Mikha 6:8), elisho abangaphoqwa ukuthoba. Lomqondo uphambene le kunalabo abachichima impakamo.

11:3-9 – Ukulunga kuyakwephula. Ukuhamba ngokulunga kuyinkombandlela elungile, ngenkathi egwegwile yomenzi wobubi inesiqiniseko

- 11:5 Ukulunga kopheleleyo kuqondisa indlela yakhe, kepha omubi uyakuwa ngobubi bakhe.
11:6 Ukulunga kwabaqotho kuyabophula, kepha abambuluzayo babanjwa ezifisweni zabo.
11:7 Akwethembayo umuntu omubi kuyaphela ekufeni kwakhe, nethemba lobubi liyabhubha.
11:8 Olungileyo uyakhululwa osizini, kepha omubi ungena esikhundleni sakhe.
11:9 Ngomlomo umuntu ongena Nkulunkulu ubulala umakhelwane wakhe, kepha abalungileyo bayakhululwa ngokwazi.
-

sokungaphumeleli (Vs3&5-6). Imali yasezulwini ukulunga (Vs. 4).

11:8 – Isithombe sababi bewela ogibeni olubekwe yibo bebekela abalungile yiso esisibona kaningi ebhayibhelini. Khumbula impi kaFaro eyemuka olwandle bethi bayisebenzisa ukumelana nabantu bakaNkulunkulu. (Eks. 14). Khumbula izisebenzi zenkosi uDaryu ezaba yisidlo samabhushi ezazikufunela uDanyeli (Dan. 6). Kanjalo noHamani owalungisela ukuphakanyiswa kukaMordekhayi ethi uzilungisela yena (U-Esteri 7).

11:10-11 – Ukuzungeza kwesibusiso kuyanda. Ababi abafuni ukubukela kwabalungile, abafuni ngisho ukubona ukuthi impela bangafunda lukhulu kubo. Kwaba usuku olubi kakhulu eSodoma ngenkathi ababesele abalungile beshiya leyandawo. Kuyoba njalo nasemhlabeni mhlazane kwasuswa ibandla

11:10 Nxa abalungileyo behlezi kahle, umuzi uyathokoza; laphe bebhuhla, kukhona ukwenanela.
11:11 Ngesibusiso sabaqotho umuzi uyaphakanyiswa, kepha ngomlomo wababi uyachithwa.
11:12 Odelela umakhelwane wakhe akanakuhlakanipha, kepha umuntu onengqondo uyazithulela.
11:13 Ohamba encetheza uyambula izimfihlakalo, kepha othembekile emoyeni uyayisibekela indaba.

likaKristu ekuhlwithweni ngaphambi kokuba kuqale izinhlupho.

11:9 & 12 – Ukubhekana nomakhelwane. “Umzenzisi” yilowo osebenzisa umlomo wakhe ukuze ezozwisa umakhelwane wakhe ubuhlungu. Ivesi 12 lisinikeza isizathu esisemva kwalokhu. “Ukubulala” umakhelwane ukumenza mncane. UNkulunkulu akaze akuvumele ukuba umphathe kanjalo umakhelwane wakho. Kepha uvumela okuphambene nalokho okungumyalo wesibili, ukuthanda umakhelwane njengalokhu uzithanda wena. Kunokubukela phansi abanye abantwana bakaNkulunkulu kufanele ubathathele phezulu abanye “*kube sengathi bancono kunawe*” (Fil. 2:3). Buka u 14:21 uyaqhubeka, ukuphatha kabi umakhelwane kuyisono, kungabe u 11:12 uthini ngokucwasana ngokwebala?

11:13 – Igama lesiHebheru elihunyushiwe “*ohamba encetheza*”, loyo ohamba ekhuluma kabi. Loyo

11:14 Lapho kungekho iziluleko, abantu bayawa, kepha lapho kukhona abeluleki abaningi, lapho kukhona ukuphumelela.
11:15 Uyahlupheka nokuhlupheka omela umfokazi, kepha ozonda ukunika isibambiso ulondekile.
11:16 Owesifazane onomusa uzuza udumo, nezidlwangudlwangu zizuza ingcebo.

uhamba ekhuluma ngoba efuna ukwenza ukungezwani, esho izinto okungamele azisho, Kukhona ukuganga nokonakala okuningi kulona onolimi oluhamba luncetheza (Lev. 19:16; Hez 22:9). Ngakho-ke u 20:19 uyasexwayisa ngokukhuluma izimfihlo kulowo. Okuphambene nalokho, umngani weqiniso uyayigcina imfihlo, futhi angeke ayisebenzise ukumelana nawe.

11:14 – Kukhona ukuphumelela kubabonisi abaningi. Nakhu ukubonisa okulungile okutholwa ngokulalela labo ababonisayo futhi abanokuhlakanipha (9:7-12). Buka u 12:15; 15:22; 20:18; 24:6; 27:9).

11:15 – Kukhona inkinga ekubeni yisibambiso, kukhona ukuphepha ekukegwemeni lokho (Buka u 6:1-5).

11:16 – Owesifazane womusa uthola ukuhlonishwa, kepha owolaka uthola ingcebo engasho lutho. Kubukeka sengathi ukuthula nokuba ntekenteke

*11:17 Umuntu onesihawu wenzela okuhle umphefumulo wakhe,
kepha ononya uhlupha inyama yakhe.
11:18 Omubi uthola inzuzo yenkohliso, kepha ohlwanyela
ukulunga unomvuzo oqinisekileyo.
11:19 Oqinile ekulungeni uyakuphila, kepha olandela okubi,
kuyakuba ngukufa kwakhe.
11:20 Abanhliziyo ephambeneyo bayisinengiso kuJehova, kepha
abapheleleyo endleleni yabo bayintokozo kuye.*

kuba namandla.

11:17-19 – Ukubuya kokuhambile. Kuthiwa okuhamba kugingqika kubuya kungqika. Kepha labo abatshala ubumnene nalabo abatshala ububi bathola isivuno sakho lokho abakutshalile emphefumulweni wabo (Vs. 17). Futhi, isihloko esijwayelekile sebhayibheli (Mat. 6:12); Luk. 6:38; 2 Kor. 9:6; Jak. 2:13). Qhathanisa nesikubonile ku 11:8. Kuvesi 18 kukhona ukuqhathanisa labo ababi abathola ububi nenzuzo eqinisekiwe yabalungileyo.

11:20 – Amanyala nokuthakaselekayo. Siyezwa futhi lapha kubekwa imizwa yaphezulu kuvesi 1. Inkosi izonda inhliziyo embaxambili (liqonde lokho lapha igama lesiHebheru), kepha ithokoza kwabalungile. Buka ukukhula kwalabo abalungile kulezahluko ezimbili;

- 10:9 “*Ngokulunga*” – impela kuyahanjwa.
- 10:29 – “*Abalungile*” – Amandla abo

11:21 *Impela omubi akayekwa, kepha inzalo yabalungileyo iyakhululwa.*

11:22 *Njengendandatho yegolide empumulweni yengulube, unjalo owesifazane omuhle ongenangqondo.*

asendleleni yenkosi.

- 11:3 “*Kwabathobekileyo*” – Banomkhombi wendlela.
- 11:5 – “*Opheleleyo*” – ukulunga kwakhe kuqondisa indlela yakhe.
- 11:20 “*Ukulunga*” – abalungile bangukuthokoza kukaNkulunkulu.

11:21 – “*Impela omubi akayekwe*” - lomusho ungapenda isithombe salokho okudlula kwesinye isandla noma kwisizukulwane nesizukulwane, okusho ukuthi iminyaka ngeminyaka. Noma kungaba ukuxhawulana kwezandla okungukuvumelana ngokuthize. Lokhu kuveza isiqiniseko, into efana nokuthi “ungakubala lokho ukuthi ababi abasoze baphunyuka kwisijeziso sabo. Kanti futhi abalungileyo nabo bayokuphunyuka!”

11:22 – “*Njengendandatho yegolide*” Lesi yisithombe esibekwe ngesibindi nje impela. Kodwa buka amandla apendwa yilesithombe. Futhi kulobufakazi bokuloba kwaphezulu, ngokuba umuntu angeke

11:23 Isifiso sabalungileyo singokuhle kuphela; ithemba lababi lilulaka.

11:24 Ukhona ohlakazayo; nokho uyenezelwa kakhulu; kepha ogodla kunokufaneleyo ubangelwa ukuswela kuphela.

11:25 Umphfumulo ophanayo uyakukhuluphaliswa; ophuzisayo uyakuphuziswa naye.

akubeke ngembaba kanjena. Abantu bacindezelwe ubuhle mese becabanga ukuthi kulihlazwana ukuthi owesifazane omuhle angaba ongakwazi ukuhlukanisa. Kepha kunokuthinta okuzolandelwa ngukuzisola, kunokuba ubuhle kube yiyo into enhle kumuntu. Buka inkosi ikubuka kanjani ubuhle bangaphandle kuphela, kufana negolide elisekhaleni lengulube, into engenamsebenzi futhi engasho lutho, engekho ngisho endaweni efanele. Ekubukeni kukaNkulunkulu, ubukhulu bendlela abukeka ngayo, indlela enobulwane engenakuhlonipheka. Sibone okuphambene nalokhu kuvesi 16, ngokuba ufumana umusa ngobumnene bakhe.

11:23 - Olungileyo ufisa okuhle kodwa, kepha omubi angalindela ukuthululwa kolaka lukaNkulunkulu. Buka ivesi 31.

11:24-28 – Umgomo wokuxolela.

- Ivesi 24-25 – Inkosi iveza isibonelo sohlaphazayo, onikela kwabanye kakhulu

11:26 Ogodla amabele, abantu bayamqalekisa, kepha isibusiso
siyakuba sekhanda lothengisa ngawo.
11:27 Ofuna okuhle ufuna okwamukelekayo, kepha ofuna okubi,
kuyakumehlela.

kepha naye akasweli, kunalokho kuyanyuka. Lona leligama elihunyushwe “*ohlakazayo*” litholakala kumahubo 112:9, lichaza ukunikela kolungileyo. Lapha kuvezwe uhlangothi olumelene nalokhu, loyo ogodla lokho engabe unikela ngakho, kepha ekugcineni uyaswela. Iphuzu lapha lisivezela ukuthi, njengoba singalindela ukuthi lophayo kakhulu aphelelwe, akunjalo, kepha impahla yaloyo oncishanayo iyaphela. Ngokuba kulotshiwe! Uyakukholwa lokho? Uma kunjalo, yenza sibone! Futhi inkosi iyasibuka isethembiso kuvesi 25, kuzochichima. Isihumusho i-NkJV “*amafutha*” asho okuningi okukapakayo noma okwanelisayo (njengakuvesi 17). Lowo mgomo umile nasekunikezeni impilo (Johane 12:24-25).

- Ivesi 26 - Umusa uthi asisebenzise lokhu esinakho lapho kunesidingo sokuba kusetshenziswe, kunokuba sigodle konke silindele ukuthola inani elincono.
- Ivesi 27 – Inhliziyo elungile ihlezi ifisela abanye

11:28 Owethemba ingcebo yakhe uyakuwa, kepha abalungileyo bayakuhluma njengamaqabunga aluhlaza.
11:29 Okhathaza indlu yakhe uyakudla ifa lomoya, nesiwula siyakuba yinceku yonenhliziyi ehlakaniphileyo.
11:30 Isithelo solungileyo singumuthi wokuphila, nohlakaniphileyo uyazuza imiphefumulo.

okuncono, futhi abanenhliziyi elungileyo, kanjalo nababi bayokuvuna abakutshalile.

- Ivesi 28 – Labo abangaphi babeke ithemba labo endaweni okungesiyo. UNkulunkulu nguye osiphumelelisayo. Ukuthemba impahla kunongumnini mpahla ukukhonza izithombe. Buka uJobe 31:24-28 & 1 Thim. 6:9, lapho khona imiphumela efanayo ilandelwa ukuwa obekuxwayisiwe ngakho.

11:29 – Ukwelusa okungekuhle. Loyo ongasebenzi ukujabulisa labo abangaphansi kwakhe (“*indlu yakhe*”) uyisiwula, akatholi lutho ekugcineni, futhi nendawo yakhe yokuba umholi oncono uyibeka esimweni esibucayi.

11:30 – “*Isithelo solungileyo*”. Qhathanisa “*impande yolungileyo*”, njengengasoze yazanyazanyiswa (12:3) ngokuba ithela izithelo (12:12).

Lokhu kusho “*singumuthi wokuphila*” siyavela

izikhathi impela ebhayibhelini kusukela e-Ideni kuGenesisise kuze kube kwiJerusalema elisha kwisambulo. Kungathi siveza umqondo wokuphila okuphakade, noma lokho okwenza kabusha noma kuqhube impilo ibe phakade. Buka ukuvela kwaso kwizaga;

- 3:18 – Ukuphakanyiswa kokuhlakanipha kukaNkulunkulu okuletha ukuphila kulabo abakutholayo.
- 11:30 – Isithelo (noma imiphumela) yolungileyo iyaphila (labo abahlakaniphe ngokuhlakanipha kukaNkulunkulu) ukuholela abanye ekuphileni okuphakade.
- 13:12 – Uma lokho ebesikulindele kuthatha isikhathi ukuba kufike, *“umuthi wokuphila”*.

11:31 – Inzuzo efanele.

Isahluko 12

12:1 Othanda ukulaywa uthanda ukwazi; ozonda ukusohwa uyisiwula.

12:2 Omuhle uthola umusa kuJehova, kepha umuntu wamacebo uyamlahla.

12:3 Umuntu akanakuma ngobubi, kepha impande yabalungileyo ayiyikunyakaziswa.

12:4 Owesifazane okhuthelayo ungumqhele kuyo indoda yakhe, kepha ohlasisayo unjengokubola kwamathambo ayo.

12:1 – Isambulo ngokwenziwayo. Abathanda ulwazi bayakuthanda nokulungiswa futhi bayakubheka. Loyo ogwema ukulungiswa, akeve ezonda ulwazi nje kuphela kodwa akanalo. Igama elithi “*uyisiwula*” lichaza ubulima, njengenkomo. Buka u 12:15. Buka mhlazane inkosi uNebukhadneza aphilisa okwesilwane, waphinda wavuka waphilisa okomuntu mhlazane esethoba phambi kwenkosi encwadini kaDaniyeli 4.

2:2-3 – Lapha siyakhunjuzwa ukuthi okuhle inkosi iyakunaka futhi ikumise, kepha okubi noma omubi akanakuphepha. Akekho umuntu othola ukuphepha ngokwenza okubi.

12:4 – Lapha kuyaqala ukuvela “*owesifazane okhuthelayo*” (ukugxila kuye okukhulu sikubona

12:5 Imicabango yabalungileyo ingeyokwahlulela, kepha iziluleko zababi ziyinkohliso.
12:6 Amazwi ababi aqamekela igazi, kepha umlomo wabaqotho uyabophula.
12:7 Ababi bayachithwa, bangabikho, kepha indlu yabalungileyo iyakuma.
12:8 Umuntu uyadunyiswa ngokokuhlakanipha kwakhe, kepha ophambene ngenhliziyo uyadelelwa.
12:9 Odelelwayo eyinceku udlula ozidumisayo eswele ukudla.

kwisahluko 31). Igama lesiHebheru elihunyushwe “*okhuthuleyo*” liveza owenzayo, osebenzayo futhi onamandla (Buka u 31:17, 25). Loyo owesifazane okhuthuleyo ukufanele ukuhlonishwa emzini wakhe, yilowo mqondo esiwubona ngokusobala ku 31:23 ngokunjalo.

12:5 – Izinhlelo ziveza umhleli. Umuntu ucabanga ahlele ngokwesimilo sakhe.

12:6 – Omunye umlomo uyabamba kanti omunye uyakhulula. Buka u 14:3.

12:7-8 – Ababi bayaphela, futhi kuhle ukuphela kwabo. Kepha abalungileyo bayama ukuma okuhle.

12:9 – Ukwaneliseka okuthuli. Kuncono lowo onokwaneliseka kepha ephansi kunalowo ozidlayo ngenxa yezinto anazo, kepha enokuncane, kepha okukulungele ukuthi angeseka umsebenzi. Lona

12:10 Olungileyo uyakunaka ukuphila kwesilwane sakhe, kepha isihhe sababi silunya.
12:11 Olima insimu yakhe uyakusutha ngokudla, kepha olandela amayiyane akanangqondo.
12:12 Ishinga lifisa impango yababi, kepha impande yabalungileyo iyathela.

owesibili ayikho into angayiveza ngaphandle kwengcebo yeze. Uncono lowo ovela eyilokhu ayikho kunalona ovela engasikho lokhu ayikho. Kuncono ohlala emkhukhwini wakhe kunohlala endlini esemuva ebukhosini. Buka ukuthi uNkulunkulu ubuka kanjani ngaphezu kwalokho okubonwayo futhi uyalazi inani lezinto.

12:10 – Olungileyo unesihe, ngisho nasezilwaneni. Abanjalo banendaba ngisho nabanye abantu, kepha ababi bazicabangela bona bodwa, benakekela kuphela lokhu okuzuzisa bona.

12:11 – Ukujaha okungenamsebenzi akuzuzisi isinkwa. “Olandela amayiyane” lapha kungasho izinto ezingelutho noma ize. Lapha kuqhathaniswa olandela okukhangisa kungenalutho (izinzuzo ezimbi zemali nezishayisa amakhala, noma abantu, ubumnandi, izinto zokuchitha isikhathi njl). Kanye nothola imali yakhe ngendlela efaneleyo. Okufana nalokhu okuseduze kutholakala ku 28:19, ngale kokuthi okulindelekile (ukuhlupheka)

12:13 Ngokuphambeka kwezindebe kukhona ugibe lomubi,
 kepha olungileyo uyaphuma ekuhluphekeni.
 12:14 Umuntu uyasutha ngokuhle ngesithelo somlomo wakhe,
 nemisebenzi yezandla zomuntu iyabuyela kuye.
 12:15 Indlela yesiwula ilungile emehlweni aso, kepha
 ohlakaniphileyo ulalela izihuleko.
 12:16 Ukukhathazeka kwesiwula kuyaziwa ngosuku, kepha
 oqondileyo uyasibekela ihlazo.
 12:17 Ophefumula iqiniso ulanda ngokulunga, kepha ufakazi
 wamanga ngenkohliso.

kuyatholakala.

12:13-14 – Izinhlobo ezimbili zolimi.

- Ivesi 13 – Ulimi olude kakhulu olugxambukelayo, olukhuluma amazwi okona futhi olungakufaka engozini, kepha olungileyo unqanda ulimi lakhe, asindise umphefumulo wakhe (14:3).
- Ivesi 14 – Ulimi olukhiqizayo.

12:15 – Abahlakaniphile bahlakaniphile ngoba abahlakaniphile emehlweni abo. Lokhu kwenza ukuthi kube khona kubo ukufuna ukwazi uvo lwabanye.

12:16 – Kuphinda kuphakanyiswa ukukwazi ukuzibamba. Olungileyo wemboza ihlazo ngokulungela ukunganaki ukuthukwa.

12:18 Bakhona abaphahluka njengokuhlaba kwenkemba, kepha izilimi zabahlananiphileyo ziyimpiliso.
 12:19 Indebe yeqiniso iyakuma kuze kube phakade, kepha ulimi lwamanga lungolomzuzwana nje.
 12:20 Inkohliso isezinhliziyweni zabaceba okubi, kepha abaluleka ukuthula, kubona kukhona intokozo.
 12:21 Olungileyo akayikwehlelwa nangokukodwa okubi, kepha ababi bayakugcwala ububi.
 12:22 Izindebe zamanga ziyisinengiso kuJehova, kepha abenza iqiniso bayintokozo yakhe.

12:17-20 & 22 – Igama ngamagama.

- Ivesi 17 – Othembekile nongathembekanga.
- Ivesi 18 – Olimazayo nosizayo. Buka ukuthi kunamthelela muni empilweni okungamazwi enkuthazo kuvesi 25.
- Ivesi 19 – Iqiniso liphakade, kepha amanga angeke ame.
- Ivesi 22 – Yisizathu sikavesi 19. Uyabona lapha kuphenjwa indlela “yamanga amancane” egameni “amanyala”?, awekho amanga okungathiwa “alungile” noma “awalungile”. Noma “mancane”. Futhi abalungile bazizwa ngaleyondlela ngokuqamba amanga, njengokuba noNkulunkulu esho (13:5).

*12:23 Umuntu oqondileyo uyafihla ukwazi, kepha izinhliziyi
zeziwula zimemeza ubuwula.*

.....

Qaphela lokhu “okungukuthokoza” kwenkosi
(kwenye inkathi kuhunyushwa “umusa”), izinto
ezenza uNkulunkulu amamatheke;

- 8:35 – Loyo othola ukuhlakanipha.
 - 11: 1 – Isikali esilungile.
 - 11:20 – Abalungileyo.
 - 12: 2 – Umuntu oqotho.
 - 12:22 – Labo abaneqiniso.
 - 15:8 – Umkhuleko wolungileyo
 - 18:22 – Loyo ofumana unkosikazi.
-

12:23 – Umuntu olungile ubambisisa lokho anakho,
kepha oyisiwula umemeza lokho angenakho
(Qhathanisa u 12:16 no 13:16).

.....

Bukisisa lona “ohlakaniphileyo”;

- 12:16 – Uziba ukuthukwa.

12:24 Isandla sabakhutheleyo siyakubusa, kepha izidenge ziyakuphogelwa umsebenzi.

- 12:23 – Akahambi eveza ukwazi kwakhe.
- 14:8 – Wenza akwenzayo ngolwazi.
- 14:15 – Uyabuka laphe eya khona.
- 14: 18 – Wethwele umqhele wolwazi.
- 22:3 no 27:2 – Uyabona agweme ingozi

Ukwazi nokubona kuyizici zakhe lona ohlakaniphile.

.....

12:24 – Abazibusayo bayabusa. Loyo ozibusa yena kahle angakwazi ukubusa abanye kahle. Kusobala ukuthi lowo oyivila udinga ozomuphusha ngokuba akasukumi azenzele? Ngakho-ke uyophushwa ubani uma esengusomaqhuzu? Kuyacaca ukuthi labo abazimisele abakhuthele bakulungele ukubusa. Kungokunye kwalezinto ivila elizifisayo kepha angeke lazithola noma lazigcina isikhathi eside (13:4).

.....

Bukisisa “okhuthele”;

- 10:4 – Izandla zakhe ziyamcebisa.

12:25 Ukukhathazeka enhliziyweni yomuntu kuyayithobisa, kepha izwi elihle liyayithokozisa.

12:26 Olungileyo ungumholi womakhelwane wakhe, kepha indlela yababi iyabadukisa.

- 12:24 – Uyakubusa noma abe ngumholi.
 - 12:27 – Ubuyena bubalulekile.
 - 13:4 – Umphefumulo wakhe uyakusuthiswa ngokuchichimayo.
 - 21:5 – Imicabango yakhe ibheke kokuningi.
-

12:25 – Nanka amandla amazwi akhuthazayo, avuselela umphefumulo odangele ophansi ngenxa yezinkathazo. Buka u 12:18 “amazwi akhulunywayo” ku 25:11.

12:26 – Ukukhetha indlela. Ngaphandle kwendlela izinto ezingabonakala ngayo, ngayo yonke indlela, olungile noma ohlakaniphile uyamedlula omubi. Ungumntwana kaNkulunkulu kunokuba abe ngumntwana kasathane. Ngokukholwa uhlanziwe wagqokiswa ngokulunga kukaNkulunkulu esikhundleni sokwembatha isono “usengowamukelekile othandiweyo” kunohlala nezitha zikaNkulunkulu. Ingunaphakade yakhe

12:27 Isidenge asiyosi inyamazane yaso, kepha imfuyo enqabileyo ingeyokhuthelayo.
12:28 Endleleni yokulunga kukhona ukuphila, nalapho umkhondo wakho udlula khona, akukho ukufa.

ibekiwe ezulwini, kungesikho esihogweni sokujezisa, uma ubheka, indlela yomubi imnyama (4:19), imuholela ekubhujisweni kwakhe. Umugqa wokuqala lapha unzima kwisiHebheru. Abanye bathi, kunokuthi “yinhle kakhulu”, ngakho kudingeka ukuhlolisisa kwabangase babe abangani. Ngisho iseluleko sabo ababi sinobubi, ngakho kumele siqashelwe. Buka u 14:7.

12:27 – Ungamoshi, ungafuni. Lokhu akusho ukuthi abahlakaniphile babukela phezulu abanakho nengcebo, kepha kusho ukuthi bakubukela phansi ukumosha.

12:28 – Ukulunga kungukuphila uqobo, isihloko esesibone siphindiwe.

“Umphefumulo wevîla uyafîsa,
ungatholî lutho,
kepha împhefumulo
yabakhutheleyo îyakhuluphalîswa”

(Izaga 13:4)

Isahluko 13

13:1 Indodana ehlakaniphileyo iyalaywa nguyise, kepha isideleli asilaleli ukukhuzwa.

13:2 Umuntu uyadla okuhle ngesithelo somlomo wakhe, kepha umphefumulo wabambuluzayo uyadla ubudlwangudlwangu.

13:3 Olinda umlomo wakhe ugcina ukuphila kwakhe; okhamisa izindebe zakhe uyakuba nencithakalo.

13:4 Umphefumulo wevila uyafisa, ungatholi lutho, kepha imiphefumulo yabakhutheleyo iyakhuluphaliswa.

13:1 – Ivesi lokuvula lapha liyafana nelokuvula kwisahluko se-12. Yisihloko esijwayelekile (1:20 – 33; 12:1, 15; 13:18), Kanti nemiqondo ephikisanayo ijwayelekile empilweni.

13:2 – Buka u 12:14.

13:3 – Ukugcinwa komlomo, ukugcinwa komphefumulo. Qathanisa u 12:13; 18:21; 21:23. Okubalulekile nokunakwa ngabahlakaniphile;

- Linda kuqala uzwe (18:13).
- Qala ufunde indlela yokuphendula ngaphambi kokuba uphendule (15:28).
- Ukuhlakanipha kuvimba ulaka kukhulume kahle (15:1).

13:5 *Olungileyo uyazonda amazwi amanga, kepha omubi ubanga amahloni, ahlazise.*
 13:6 *Ukulunga kuyamlondoloza ondlela yakhe iphelele, kepha ububi buyachitha isoni.*
 13:7 *Kukhona ozishaya ocebileyo, engenalutho kodwa; kukhona ozishaya ompofu, enemfuyo enkulu.*
 13:8 *Ihlawulo lokuphila komuntu liyingcebo yakhe, kepha ompofu akezwa ukukhuzwa.*

13:4 – Ivila elizisolayo nokhuthela owanelisekile. Abasebenzayo baneliswa ngokuningi, kepha ivila lihlezi lifuna kodwa alenzi lutho ngezimfuno zalo. Yize noma kunguNkulunkulu osiphumelelisayo, akakaze asho ukuthi lokhu kusho ukuthi asihlale singenzi lutho ngoba konke kuncike ekusebenzeni nakwimizamo yethu. UNkulunkulu usiphumelelisa ngemizamo yethu yokusebenza ngokuzimisela.

13:5 – Isicebi nompofu.

- Isikhumbuzo ngalowo ocebisayo. Buka u 11:24.
- Ivesi 8 – Umklomelo wobuphofu. Umqondo lapha kubukeka sengathi ukuceba kocebile kuletha isidingo sokukwazi ukubhekana nalabo abayizimpisi ezinukelwa yimali ezifuna imali yabo, kepha ohlwempu akukho okukhulu akugcinile, ngakho akabhekani nokusongelwa. Unalokho ngenxa yobuphofu babo.

13:9 Ukukhanya kwabalungileyo kuyathokoza, kepha izibani zababi ziyacimeka.
13:10 Ngokuziqhenya kuvela ukuxabana kuphela, kepha kwabalulekwayo kukhona ukuhlakanipha.
13:11 Imfuyo etholakala kalula iyancipha, kepha obutha kancane kancane uyandiselwa.
13:12 Ithemba elilitshazisiweyo ligulisa inhliziyi; isifiso esigcwalisiweyo singumuthi wokuphila.

13:9 – Olungile ukhazimula ngokuthokoza okukuye, kanti omubi udwanguza ebumnyameni. Buka u 4:18-19.

13:10 – Ukuzwa nokungezwa. Umbango uyiphunga lempakamo. Ukwehlukana kuvezwa ukungafuni ukukhuzwa kwempakamo. Kungabe kwakunjalo yini nakuPawulu no Silasi ngenkathi benokungavumelani encwadini yezeno 15: 36-41?

13:11 – Ivesi logembulayo. Kubonakala sengathi umcebo otholwe ngezithukuthuku kuphela onamandla okuhlala.

13:12 – Ukuhlala ngokulinda okuzayo. Kucwilisa inhliziyi uma into olokhu uyilindele ingafiki. Buka ukuza kancane kwesivuno sikaNkulunkulu okukhulunywa ngaso encwadini kaJakobe 5:7-11, kudingeka ukubekezela ukuze uzohlala ukhuthazela enkosini. Kepha uma lokho okulindelwe kufika kuletha impio (“*isihlahla sempilo*”). Futhi yini

13:13 Odelela izwi uzehlisela ukubhujiswa, kepha owesaba imiyalo uyakuvuzwa.
13:14 Ukufundisa kohlakaniphileyo kungumthombo wokuphila, ukuze kudedwe ezihibeni zokufa.
13:15 Ukuqonda kahle kuveza umusa, kepha indlela yabambuluzayo ilukhuni.
13:16 Bonke abaqondileyo basebenza ngokwazi, kepha isiwula sihlakaza ubuwula.

esiyilangazelele kakhulu kunakho konke ngaphandle “kokulangazelela kwezizwe zonke” (UHagari 2:7), inkosi uJesu Kristu. Ngokubuya kukaKristu “ithemba labalungileyo liyakuba yintokozo” (10:28).

13:13 – Kungabe ucabangani ngezwi? Inkosi ihlezi izihlupha ngokubaluleke kakhulu, ukuthi siphendula kanjani ezwini layo, ngokuba lokho kuyafana nokuthi siphendula kanjani kuyo uqobo.

13:14 – Buka u 10:11.

13:15 – Indlela yesono inzima. Indlela yempilo nokulunga ingaba ncane futhi ibe nzima, kepha isayindlela elula impela.

13:16 – Ukuvezwa kobulima, isilima “sihlakaza”, lokhu kuveza umqondo wokuhlakaza kubekwe obala, njengokuba umdayisi endlala impahla yakhe. Buka u 12:23.

*13:17 Isithunywa esibi siwela ebubini, kepha isigijimi
esithembekileyo siyimpiliso.
13:18 Ubumpofu nehlazo kukuye onqaba ukulaywa, kepha
onaka ukusolwa uyadunyiswa.
13:19 Isifiso esigcwalisiweyo simnandi emphefumulweni, kepha
ukudeda ebubini kuyisinengiso kuzo iziwula.
13:20 Ohamba nabahlakaniphileyo uyakuhlakanipha, kepha
umngane weziwula uyakushoshozelwa yizo.
13:21 Ububi bulandela izoni, kepha abalungileyo bavuzwa
ngokuhle.
13:22 Olungileyo ushiyela abantwana babantwana bakhe ifa,
kepha ingcebo yesoni ibekelelwa olungileyo.*

13:17 – Qaphela ukuthi uqasha bani, ngoba ngokomthumele ongumsebenzi wakho, angakulethela izinkinga noma ukukujabulisa. Lesi yisihloko esijwayekele (10:26; 25:13; 26:6).

13:18 – Abahlonishwayo ngokuzwa, abanqabayo bayajabha. Buka u 13:1.

13:20 – Sifana nalabo esihlala nabo. Buka u 12:26; 14:7.

13:21-22 – Usuku lokuhola lunye. Likhona yini ifa elincono labantwana nabazukulu eledlula ukhondolo lokuphilela uNkulunkulu. Futhi abalungile bayizindlalifa zengcebo yababi.

13:23 – Kuncono ukuhlupheka okunokuhlakanipha kunengcebo egcwaliswa ngokungathembeki.

*13:23 Emqathweni wabampofu kukhona ukudla okuningi,
kepha kukhona okuchithwa ngenxa yokungalungi.
13:24 Oyeka uswazi uyazonda indodana yakhe, kepha
oyithandayo uyayilaya ngesineke.
13:25 Olungileyo uyadla uze usuthe umphefumulo wakhe, kepha
isisu sababi siyaswela.*

13:24 – Ukuchazwa kothando okwehlukile. Uthando lukaNkulunkulu olungagodli lutho lufuna okulungele abanye, luyazi futhi ukuthi umntwana oyekelwe kuye uyakuba yihlazo lamzali wakhe (29:15). Ngakho uthando lwangempela longamela izingqinamba lufune okulungile. Loyo oyekela umntwana ukuba enze ngokuthanda kwakhe kube kumele amkhuze akamthandeli okuhle loyo mntwana, futhi lolu ngolunye uhlobo lwenzondo. Uthando lukaNkulunkulu luvezwa ngokulaya (13:12, Hebh 12:5-11). Isihumusho i-KJV uma ikhuluma ngokuthi “kuseyisikhathi” isho ngaphambili noma ngesineke (noma kokubili?).

13:25 – buka u 10:3 uvezwe encwadini kaHagari 1:6.

Isahluko 14

14:1 Owesifazane ohlakaniphileyo uyakha indlu yakhe, kepha oyisiwula uyayidiliza ngezandla zakhe.

14:2 Ohamba ngobuqotho uyamesaba uJehova, kepha ophambanisa izindlela zakhe uyamdelela.

14:3 Emlonyeni wesiwula kukhona induku yokuziqhenya kwaso, kepha izindebe zabahlakaniphileyo ziyabalondoloza.

14:1 – Ukuhlakanipha kuyakha, kanti ubuwula buyabhidliza.

14:2 – Ukwesaba kuhamba ngokulunga. Buka incwadi ngokukaJohane 3:19-20, ubuke esinye isambulo sokuthi kungani ngempela abantu bengamufuni uNkulunkulu. Abantu bakhetha ukuhamba ngokukhanya kukaNkulunkulu okulungile ngenxa yokuthi bayamesaba. Abantu bakhetha ukudelela uNkulunkulu nezindlela zakhe ngoba bayakwethanda ukuduka kwabo. Ukwala iqiniso kuyinkinga engaphakathi, ayikaze ibe ngaphandle.

14:3 – Sebenzisa noma vika. Isiwula sisebenzisa umlomo waso njengaloyo osabisa ngenduku, kepha izindebe zohlakaniphile ziyizindlela zokuvikela kunezikhali zabo zokulwa.

14:4 Lapho kungekho khona izinkomo, umkhombe awunalutho, kepha inzuzo inkulu ngamandla ezinkabi.
14:5 Ufakazi oqinisileyo akaqambi amanga, kepha ufakazi ongaqinisile uyaphafuza amanga.
14:6 Isideleli siyafuna ukuhlakanipha singakutholi, kepha ukwazi kulula koqondayo.

14:4 – Hlakaza inani lokuphumelela. Umgomo lapha uveza ukuthi kubonakala konakala uma ingekho edonsayo, kanjalo nokukhiqizwayo kuyehla. Esingakuthatha;

- Hlampe ukuba wedwa kunokuhlanzeka, kepha kuzuzisa kancane.
- Ukuba nabantwana kungathanda ukuba yinkinga noma isiphazamiso, kepha ubusisiwe lowo ovika imicibisholo endizayo yesitha ukuba indizele kwisizukulwane esingemuva (Amahubo 127:3-5).
- Ukufaka abanye uma ubhekene nabantu kungaba yinto enzima (ukuhola kuyenzeka kungahambi kahle), kepha kungakanani okuba yinzuzo ngenxa yamandla abanye.

14:5 – Ufakazi othembekile nowamanga. Buka u 6:19; 12:17; 14:25; 19:5, 9.

14:6 – Ukuhlakanipha kungaba yinto elula, lowo

14:7 Suka phambi komuntu oyisiwula, ngokuba lapho awuboni izindebe zokwazi.
14:8 Ukuhlakanipha koqondileyo kungukuqonda indlela yakhe, kepha ubuwula beziwula buyinkohliso.
14:9 Iziwula ziyadelela umnikelo wecala, kepha phakathi kwabaqotho wamukelekile.
14:10 Inhliziyo iyazi ubumunyu bayo; umfokazi akahlanganyeli intokozo yayo.

odelelayo yinto angakwazi ukuyibona, kuphela kungatholwa “ngokumesaba uNkulunkulu” (1:7; 9:10). Ukwala uNkulunkulu kungukwala ukuhlakanipha kwangempela. Oyisiwula akakwazi ukuthi abe nokunye angabi nokunye. Ukuvuma uNkulunkulu kungukubamba ukuhlakanipha kwakhe.

14:7 – Okunye futhi ngalabo ohlala nabo (13:20), kepha manje kuza ngamandla nokuyala.

14:8-9 – Iziwula nabahlakaniphile.

- Ivesi 8 – Izici zabahlakaniphile zingamehlo avulekile ukubona ukuthi indlela ibayisa kuphi. Uma uqhathanisa nesiwula, siyisidenge nje esingathembekile kuso uqobo kanye nakwabanye.
- Ivesi 9 – Iziwula zihleka isono nonembeza. Unembeza wazo sewuhuheke kakhulu abasenamizwa, bayihleka yonke imizamo

*14:11 Indlu yababi iyachithwa, kepha itende labaqotho
liyahluma.*

*14:12 Kukhona indlela ebonakala sengathi ilungile kumuntu,
kepha ukuphela kwayo kuyindlela yokufa.*

*14:13 Nasekuhlekeni inhliziyo inobuhlungu, nokuphela
kwentokozo kulusizi.*

yokubasola.

14:10 – Ukujabula kwethu kwangaphakathi kanye nenhlungu akusoze kwaqondisiswa abanye.

14:11 – Ngokuhlala kwento sibona isikhathi engasihlala. (“Indlu”) engagxilile iyawa, kanti idokodo noma (“ithabanakele, noma itende lesikhashana”) liyama liphumelele. Kuncike ekutheni ngubani ohlala kulo.

14:12 – Izinto azihlezi zinjengoba zibonakala, Buka okufana ngqo ku 16:25, impendulo eyodwa nje ukuthi “*unganciki kokwakho ukuqonda*” (3:5), Kepha ukuba uncike ngakho konke kuNkulunkulu wezwi lakhe. Imibono yabantu (yebo, ngisho neyakho) ayithembekile, futhi ijwayele ukuba ngumpheme ontekenteke omelene nendlela kaNkulunkulu nentando yakhe. Yilokho okushiwo nguNkulunkulu kuphela okunesiqiniseko, okuliqiniso lamanje kanye naphakade.

14:14 Ohlehla ngenhliziyo uyasutha ngezindlela zakhe, nomuntu omuhle ngemisebenzi yakhe.
14:15 Ongenalwazi uyakholwa ngamazwi onke, kepha oqondileyo uyaqaphela ukunyathela kwakhe.
14:16 Ohlakaniphileyo uyesaba, udeda ebubini, kepha isiwula siyaqhosha, singanaki lutho.

14:13 – Ukuhleka kwemboza futhi kuqede usizi, kukhona usizi oluhlezi likumuntu ngisho emva kokuhleka. Hlampe impendulo isekutheni ukuthokoza okuhlala isikhathi, kuze kube phakade kutholakala ebukhoneni bukaNkulunkulu, ngokuba lapho ukujabha noma usizi luthola ukwahluleka (Isam 21:3-4; 7:17; Isam 25:8).

14:14 – Inkokhelo yendlela yethu. Umklomelo wenhliziyo ezulazulayo usuke enkosini nasesibusisweni sayo (sibona okufanayo naku 1:31). Nolungileyo uyakuthola umklomelo ngenxa yezindlela zakhe (2 Thim 4:7-8).

14:15-16 – Abacabangayo nabangacabangi.

- Ivesi 15 – Abantekenteke nabaqaphelayo. “Ukunyathela”. Umqondo ovezwe lapha udlula ukuqaphela okujwayelekile konakayo lapho enyathela khona.

Bukisisa ongenalwazi;

- 1:4 – Udinga ukuqonda.
- 1:22 – Uyakuthanda ukungaqondi kwakhe.
- 1:32 – Ukuphenduka kwakhe kungamulimaza.
- 7:7 – Uhambe indlela yondindayo wabambeka.
- 8:5 no 9:4 – Umenywa ngukuhlakanipha.
- 9:16 – Uyilokho okufunwa ngowesifazane ondindayo.
- 14:15 – Ngokungaboni “*ukholwa ngamazwi onke*”.
- 22:3 & 27:12 – Ngale kokubuka phambili, uzithela enkingeni.

Ukuqhubeka nokubuka laba abangenalwazi;

- Abanayo imigomo emile, ngakho abakwazi ukwahlulela nokwahlukanisa (okuveza ukungamesabi uNkulunkulu nokwala imiyalo yakhe).
- Abaqaphelisisi.
- Abazami ukuhlola kahle izinto.

- Bakholwa yinzwabethi, abalishayi indiva olunye uhlangothi.
- Abasiboni isidingo sokucwaninga into ngaphambi kokuba bayikholwe, ngakho-ke bayakhohliseka kalula.
- Bayahluleka ukubuka ukuthi sihlezi ezweni elihlukaniswe ngokubi nokuhle, okuliqiniso nokungamanga, okunenani nokungelutho.
- Abanaki ukujula kwegxathu elingalungile, ngakho abayinaki ingozi nobulima kwabakukhethayo.
- Abacabangisisi ngaphambili, abathathi isikhathi babuke ukuthi kungase kube yini umuphumela wezinqumo zabo.
- Bayashesha ukunxenxeka noma ukujatshuliswa.
- Bapheshulwa yiyo yonke imimoya yezifundiso (Efe 4:14).

Uma uqhathanisa nabaqondileyo abaqaphela imigomo, kungesiyo indlela yabo yokuhamba nje kuphela, kepha “*ukunyathela*”. Bazi ukuthi kungenzeka banyathele endaweni embi, abenzi lutho bengacabangisisanga (Ivesi 8).

- Ivesi 16 – Ukwesaba nobuwula. Nakhu ukwesaba okuhle, okususa umuntu ekwenzeni izinqumo ezingalungile, kuqhathaniswe nolaka lokuzidla okungahlolwanga ngokwesaba. Nayi indlela esingabona ngayo;
 - Ukwenqaba kukaDavide ukuthinta inkosi uSawuli (1 Sam 24&26).
 - Ukungazi kukaNabali kanye nokuzethemba kwakhe (1 Sam 25).
 - Ukuphakama kokugcina kwenkosi uBhelthesheza, umuntu ongasabanga ukuthinta lokhu okwakumele kuvuse ukwesaba kuye (Dan. 5).

14:17 – Isiwula esingu khandashisa nosomaqhingana ongathandwa. Oshesha ukucasuka useduze nokubonakala njengesilima, futhi uyazondwa, futhi hlampe uyazwelwa ngenxa yokungakwazi kwakhe ukuzithiba (okuphambene kukuvesi 29, buka no 1 Sam 20:33). Kepha oceba amacebo, onikelwe kwimpindiselo akasoze adatshukelwa ngamaqhingana akhe nolaka lwakhe, (Buka ukuthi kuthiwani

14:18 Abangenalwazi badla ifa lobuwula, kepha abaqondileyo baqheliswa ngokwazi.

14:19 Ababi bakhothama phambi kwabalungileyo, namashinga ngasemasangweni abalungileyo.

14:20 Ompofu uyazondwa nangumakhelwane wakhe, kepha ocebileyo unabaningi abamthandayo.

“ngomuntu osongoza amacebo amabi” – Amahubo 37:7). Lona ungophambene nolungile, ongaqambi amanga agcine amanyundululu. Qhathanisa indlela ka-Absalomu nekamfowabo (2 Sam. 13) Kanye nobaba (2 Sam. 15), Kanye nodumo lukaJuda Iskariyotho njengofanelwe yisihogo somlilo onamandla.

14:18 – Umnyakazo. Ukungabi nalwazi kuwela ebuwuleni, kepha ukuzimisela kwengeza ulwazi. Umqhele uveza ukuhlonishwa futhi utholwa ngolwazi. Buka labo abangokhandashisa (Vs 17) kanye nalabo abangenalwazi (Vs. 18). Baphelela kubuwula obubodwa ekugcineni.

14:19 – Ububi bukhothama ekugcineni. Kahle-hle, ubuhle buyakhula ngaphezu kobubi, Yize noma laba beba ngabanobuNkulunkulu kulempilo (Luk 16:19-31). Buka amahubo 112:9-10. Khumbula isethembiso sika 13:22, ukuthi abalungileyo bayokudla ifa lababi.

14:20-21 – Indlela yokubuka omunye nomunye.

- Ivesi 20 – Okuningi kepha okungekho. Naba abangani abangesibo abangani, abalethwa yimali. Ukuhlakanipha kusifundisa ukuba singamangazwa “abangani” abasalayo uma imali ingasekho nesibathole imali nengcebo kungasekho.
- Ivesi 21 – Isibusiso kwabanomusa. Ukudelela abanye kungukuzibona uphezulu kwabo bona bengelutho, kepha uNkulunkulu akakaze asinikeze imvume yokubukela phansi abanye. Inkinga yangempela ngokweya abanye inikeziwe lapha. Kuyisono! Futhi ukwala ukubusisa kungukwala ukubusiswa.

Buka ukuthi inhlupheko iyiveza kanjani inhliziyo enhle nabangani bangempela. Umehluko ngukuthanda abanye ngoba kumele ngokukaNkulunkulu nokuthanda abantu ngenxa yabakupha kona. Kunjalo futhi nangokuduma noma ukwaziwa. Indlela umuntu abuka ngayo abantu, abangaphandle ingaveza indlela abuka ngayo uNkulunkulu.

*14:22 Angithi bayaduka abaceba okubi na? Umusa neqiniso
kuyakuba ngokwabaqamba okuhle.*

*14:23 Wonke umshikashika unenzuzo, kepha amazwi omlomo
abanga ukuswela kuphela.*

.....

Buka indlela yokubuka abahlwempu nabacebile;

- 14:31 & 17:15 – indlela ophatha ngayo abahlwempu iyindlela ophatha ngayo umdali wabo.
 - 19:17 – Ukudabukela abahlwempu kungukuboleka inkosi, futhi uyakuvuza.
 - 22:2 – Abacebile nabahlwempu babekwe ngumenzi oyedwa bayafana.
 - 28:8 – Osebenzisanayo angaba ngolahlekelwayo, kepha onesihe kwabahlwempu ugcina ezuza.
 - Buka uJobe 31:5 noJakobe 2:5.
-

14:22 – Akusilo yini iqiniso ukuthi ababi bathola okubi nabalungile bathola okuhle?

14:23 – Abasebenzi namavila. Naba abasebenzi abazidelayo kanye nabafunda ifosholo, baholela

14:24 Umqhele wabahlakaniphileyo uyingcebo yabo, umgexo weziwula ungubuwula.

14:25 Ufakazi oqinisileyo uyophula imiphefumulo, kepha ophafuza amanga unenkohliso.

“kwinzuzo” noma “ukulahlekelwa” noma ubumpofu. Lapha kunesithembiso sikaNkulunkulu kosebenza ngokuzimisela, osebenza ngeqiniso uhlezi ezoba nesivuno ngandlela thize. Futhi khumbula ukuthi okhulumayo udinga olalelayo, bese bobabili bangabi nanzuzo. Bheka “umuntu ogcwele ukukhuluma kuJobe 11:2.

14:24 – Ubuwula buvana ubuwula. Ingcebo ingumqhele wokuhlakanipha (8:18). Uma ingcebo ihlanganiswa nokuhlakanipha akukho kuphela ithuba lokwahlukanisa ukuthi ingasetshenziswa kanjani. Kepha ngenkathi ithuba lokuhlakanipha landisa ingcebo, ubuwula besiwula buyohlezi bungubuwula, kukhona ingcebo noma ingekho.

14:25 – Ukugxila nokugxila kwesidima. Lapha sibona okwenzeka enkantolo (12:17; 14:5). Ubufakazi obuthembekile buyokhulula umphefumulo, kanjalo nobungathembekile buyokhubekisa (njengokuba sibona kunkosikazi kaPhothifa. Buka ukuthi ungenzani ngalomgomo ngokuzikhethela nangokuba ngodlulisa umyalezo

*14:26 Ekumesabeni uJehova kukhona ithemba elinamandla;
abantwana bakhe bayakuba nesiphephelo.
14:27 Ukumesaba uJehova kungumthombo wokuphila, ukuze
kudedwe ezingibeni zokufa.
14:28 Udumo lwenkosi lungobuningi babantu, kepha ukuswela
abantu kungukuchithwa kwesikhulu.
14:29 Owephuza ukuthukuthela unokuqonda okuningi, kepha
isififane siyaphakamisa ubuwula.*

wevangeli ngesibindi.

14:26-27 – Ekwesabeni uNkulunkulu.

- Ivesi 26 - Kukho kunesiqiniseko sokugxila nokulandela.
- Ivesi 27 – Kuyindlela esuka ekufeni iya ekuphileni ikakhulukazi ekhulula ogibeni esuke ibekiwe engaholela ekufeni. Buka u 2:12-19.

14:28 – Izimvu eziningi eziphumelelayo ziveza umelusi onakekelayo.

14:29 – Ulaka olusheshayo noluphuzayo. Nalu uhlangothi oluhle lukavesi 17a, kanti futhi, Ukuphuza ukudinwa kwehlisa ulaka (15:18). Futhi kuveza owenza njalo enamandla kunabanamandla (16:32). Buka uJakobe “makasheshe ukuzwa, aphuze ukukhuluma, aphuze ukuthukuthela” (EkaJakobe 1:19). “Osheshayo ukucasuka” uyafana

14:30 Inhliziyo ezolileyo ingukuphila kwenyama, kepha umhawu ungukubola kwamathambo.
14:31 Ocindezela ompofu usola uMenzi wakhe, kepha onomusa koswelayo uyamdumisa.
14:32 Omubi uwiswa phansi ngobubi bakhe, kepha olungileyo unethemba ekufeni kwakhe.

“nosheshayo ukudinwa” kuvesi 17, okunomphumela owodwa.

14:30 – Umphumela enyameni. Umoya ophansi, umzimba onempilo - inhliziyo ephazamisekile, amathambo abolayo. Inhliziyo ekhululekile inikeza ingcebo emzimbeni wonke, ngenkathi ukugcina amagqubu kunemiphumela ephambene emzimbeni. Buka okunye ukuphawula ngemiphumela emzimbeni ku 4:22&17:22. Ukuba muncu kuzwisa wena uqobo ubuhlungu!

14:31 – Omkhulu kakhulu kumuntu ophansi. Indlela ophatha ngayo abaphansi ngokwezinga lempilo yindlela ophatha ngayo ophezu kwakho konke. (Math 25:40). “Abahluphekayo” kushiwo labo abangenamandla, abangesibo ababusi.

14:32 – Nikezela noma uthembe njalo. Lapha sibona labo abagijimela ekufeni nalabo abaphunyuke ekufeni. Qhathanisa isicebi kanye noLazaru (Luk 16). Lapho khona omunye walahlelwa ngaphandle

14:33 Ukuhlakanipha kuhlezi enhliziyweni yonokuqonda, kepha phakathi kweziwula akwaziwa.

14:34 Ukulunga kuyaphakamisa isizwe, kepha ukona kuyihlazo kubantu.

omunye waduduzwa ekufeni.

14:33 – ukubanjwa kokuhlakanipha nokuyekelwa kobuwula. Umuntu oqondayo akahambi eveza ukuthi uyaqonda, eqhayisa ngokuhlakanipha kwakhe, kepha isiwula sihlala sihlale sivele ebuwuleni baso. Sikuveza konke esinakho, kukuncane kunjalo. Abahlakaniphile baziwa ngendlela ababeka ngayo lokho abakwaziyo, kanti isiwula angeke usinqande uma sicabanga ukuthi siyazi. Isihloko esijwayelekile (12:32).

14:34 – Ukuhola okulungile nokungalungile. Okulungile kuvusa isizwe kanti okungalungile kushayisa isizwe ngamahloni, Isono esinganqatshelwanga nesinamandla, ngisho esigunyaziwe sicekela phansi isizwe. Buka u 16:12, lapho khona “*isihlalo*” noma umbusi wesizwe ebekwa ngokulunga. Umlando uyaqinisekisa lomgomo, ngokuba baphi abantu ababi, izizwe ezimbi zasemandulo. Nabu lapha ubukhulu babantu nempumelelo yabo nokuqhubeka. Wona lomgomo futhi uyasebenza kumuntu eyedwa,

*14:35 Isisa senkosi sikuyo inceku enokuqonda, kepha
intukuthelo yayo iyakuba kwehlazisayo.*

kwezamabhizinisi, ebandleni kanye nasesizweni. Lapho kukhulunywa khona ngoyedwa kokufanayo kuku 14:11. Ukungalungi akugcini lutho, yize noma kungabonakala kungathi ngukulunga. Ukulunga yikho kuphela okuhlala kumile.

14:35 – Ukufumana umusa omkhulu noma ulaka, ngokulunga noma ngokudideka. Qathanisa imibuso iBhabhiloni namakhosi amaMede noDaniyeli, uNehemiya kanye naHamani.

Isahluko 15

15:1 *Impendulo ethambileyo iyabuyisa ukufutheka, kepha izwi elilukhuni livusa ulaka.*

15:2 *Ulimi lwabahlakaniphileyo luveza kahle ukwazi, kepha umlomo weziwula uphafuza ubuwula.*

15:3 *Amehlo kaJehova asezindaweni zonke; aqaphela ababi nabahle.*

15:1-2 – Ukusebenzisa amazwi ngobuchule.

- Ivesi 1 – Impendule ethambileyo. Kukhona isikhathi sokuphendula “*phendula isiwula njengobuwula baso, funa sibe ngohlakaniphileyo emehlweni aso*” (26:5). Kukhona isikhathi sokuphendula into ngendlela efana nayo, siyamubona ukristu ebhekene nokudabuka ngokudabuka encwadini kaMathewu 23 kanye noStefani kwizenzo 7. Kepha kumele kube khona ukuqondisisa kithi (Fil. 4:5; 2 Thim 2:24-25). Abanamandla akusibo laba abahlangabeza ukudinwa ngokudinwa, kepha labo abathena ukudinwa kwabo, ababeka eceleni ukucasuka, nokucasuka kwabanye bakuthatha ngamazwi anomusa.

15:4 Ulimi oluthulayo lungumuthi wokuphila, kepha ukuphambanisa kwalo kungukuchotshozwa komoya.
15:5 Isiwula siyadelela ukulaya kukayise, kepha onaka ukusohwa uyathola ukuqonda.
15:6 Endlini yolungileyo kukhona ingcebo eningi, kepha enzuzweni yababi kukhona ukuhlupheka.

- Ivesi 2 – Ngenkathi ulimi oluhlakaniphile lubhekana kahle nezimo, umlomo woyisiwula ukhipha kuphela ukungcola okungaphakathi Qhathanisa uvesi 23 no 28.

15:3 – Ukuhlakanipha kwaphezulu. Konke okuhle nokubi okwenzakalayo inkosi iyakubona. Buka umqondo ofanayo kuvesi 11. Lesi yisizathu esihle sokujabula noma ukwesaba (2 Khor 5:10; Hub 139).

15:4 – Ulimi olulimazayo nolusizayo. “Ngokuphelela” lokho kusho ukukwazi ukuphila. Lapha kuqhathaniswa okunikeza impilo Kanye nolimi olubhubhisayo (okusho “ulwephulayo”) ngobubi balo.

15:5 – Odelelayo nonakayo. Qhathanisa u 12:1 no 13:1, 18.

15:6 – Incono ingcebo yolungile kunesilinganiso sengcebo yomubi. Hlanganisa lokhu novesi 16-17. Iphuzu lapha alikho kwinzuzo embi engenzi lutho

15:7 Izindebe zabahlakaniphileyo ziyasakaza ukwazi, kepha
izinhliziyi zeziwula azinjalo.
15:8 Umhlatsshelo wababi uyisinengiso kuJehova, kepha
umkhuleko wabaqotho uyintokozi yakhe.
15:9 Indlela yababi iyisinengiso kuJehova, kepha uyamthanda
olandela ukulunga.

ukususisa ubuphofu kwizinkathazo zomubi. Kepha kukhulunywa ngempilo ebusisiwe enokuthula eyingcebo ngokwanele, ngokuba impilo yabo yothando iyisidlo esiqhubekayo. Njengokuba uPawulu ebeka, “*ukwesaba uNkulunkulu Kanye nokwaneliswa kuyinzuzo enkulu*” 91 Thim 6:6).

15:7 – Qhathanisa no 4:23.

15:8-9 & 26 – Ukuzonda nokuthanda kukaNkulunkulu. Ababi abathandwa yinkosi ngisho kumhlatsshelo wabo (Vs. 8), indlela (Vs 9), Kanye nemicabango (Vs. 26), amagama aqinile asobala okungakwazi ukuguqula ububi bethu ngokwenza okuhle okuningi ngisho ngabe kuthiwa sizolahlekelwa kangakanani (Isay 54:6). Abalungileyo bangukuthokoza kukaNkulunkulu emkhulekweni yabo 9Vs 8), ukwenza okulungile (Vs 9), Kanye namazwi (Vs. 26). Buka ukuthoi laba abalungileyo abadingi ngisho ukwenza imihlatshelo yemnikelo ukuze unKulunkulu athokoze ngabo. Buka u 21:3, 27& 1 Sam 15:22. Kuvesi 9 “*olandela*”

15:10 Ukulaywa kukhulu koyishiya indlela; ozonda ukusolwa uyakufa.

15:11 Indawo yabafileyo nokubhubha kuphambi kukaJehova; kakhulu kangakanani izinhliziyi zabantwana babantu.

15:12 Isideleli asithandi ukusolwa; asiyi kwabahlakaniphileyo.

15:13 Inhliziyi ethokozayo yenza ubuso bube buhle, kepha ngosizi lwenhliziyi uyachotshoza umoya.

ubhalwe ngokuqinisa ngolwini lwesiHebheru, kuchaza ukuthokoza kukaNkulunkulu ngalabo abazimisela ngokufuna okulungile. Iphuzu lapha lisekutheni lokhu esikwenzela inkosi phambi kwayo kulele ebudlelwaneni bethu nayo.

15:10 – Labo abanesidingo esikhulu yibo abangenasikhathi. Ukwala imiyalelo yenkomba ndlela ngukushiya indlela elungile, eholela ekufeni. Buka uvesi 5.

15:11 – Umqondo noma ucabango ofanayo kuvesi 3. Buka nencwadi kumaHebheru 4:13.

15:12 – Umphakathi okhethekile wesideleli. Angeke sifune ukuhlala nalabo abazobona ububi baso babuveze obala. Buka ngenkathi u-Ahabi engashayi ndiva izwi lomphrofethi uMikhaya ngenkathi efuna ethokozela abaphrofethi abangama-400 ababevumelana naye (1 khos 22).

15:14 Inhliziyo yoqondileyo iyafuna ukwazi, kepha umlomo weziwula uyadla ubuwula.

15:15 Zonke izinsuku zohluphekayo zimbi, kepha onhliziyo yakhe yenamile unedili njalo.

15:13 & 15 – Inhliziyo edangele noma ejabule.

- Ivesi 13 – Inhliziyo ekhuthazekile ibonakala ngisho ebusweni kanti inhliziyo edangele iphula umoya (17:22; 18:14).
- Ivesi 15 – Labo abakhathazekile ababoni lutho oluhle kanti labo abathokozile babona okuningi okuhle. Ukuthokoza kwangaphakathi kwenhliziyo ejwayelene nokuthokoza kufana nesidlo saphakade. Indaba isesimweni sangaphakathi, kungasikho ukuncika kwizinto ezenzakalayo. Nakhu okunye ukuqhathanisa;
 - Ukuphenduka kwangempela kweza ezibilini zenhlanzi kwaba yisendlini yokudumisa kuJona (Jona 2).
 - Ukubuka okubabayo kukaNawomi (Ruthe 1:20-21) kuqhathanise nokuthila kokwamukela kukaRuthe.
 - Ukukhonza ngobunceku bukaJosefa yize noma ahlushwa ngabafowabo (Gen 39-40).

*15:16 Okuncane kanye nokumesaba uJehova kungcono
kunengecebo eningi kanye nokukhathazeka.
15:17 Isidlo semifino lapho kukhona uthando singcono
kunenkabi ekhuluphalisiweyo kanye nenzondo.
15:18 Umuntu ofuthayo uyavusa ukuxabana, kepha owephuza
ukuthukuthela uthulisa ingxabano.*

- Isimo sengqondo eqotho kaHabakuki ezikhathini ezinzima kakhulu (Hab 3:17-18).

15:14 – Okufunwayo. Umgomo wohlakaniphile ngulwazi, kanti ukuthokoza kwesiwula ngubuwula. Ungaphoswa ukubona ukuthi ubulima besilima kungokuzikhethela, akusiyo into ethelelanayo (Hab 3:17-18).

15:16 – Buka uvesi 6.

15:17 – Sincono isidlo somuntu ohluphekayo kunothando kunesidlo lapho kungekho khona ukuthula. Lapha yimiphumela yohlangothi oluhle kuvesi 13 & 15.

15:18 – Ukuthula nesiphithiphithi. Ku 28:25 sithola lokhu okunyakazisa isiphithiphithi sophithizelayo (uqinisekisa u 13:10). Buka ukuthi ukhiye ukumuntu, awukho esikhathini. Isiphithiphithi nokuxabana kulandela umuntu wolaka

15:19 Indlela yevila injengothango lobobe, kepha umkhondo wabakhuthelayo ungumendo.

15:20 Indodana ehlakaniphileyo iyajabulisa uyise, kepha umuntu oyisiwula uyadelela unina.

15:21 Ubuwula buyintokoza kongenangqondo, kepha umuntu oqondileyo uyaqondisa ukuhamba kwakhe.

njengephunga elibi, kanti lowo ongasheshi ukucasuka ungowokuthula obusisiwe. (Math 5:9). Khumbula ukwenza kwalowo ozisa ukuthula kuvesi 1.

15:19 – Indlela enzima, indlela elula. “Isobala”, yilokho okuvelayo “ngokwezinga” (3:6). Umuntu ohlala emincile uthatha indlela enzima, kepha olungileyo uthola indlela yakhe yenziwe yalula.

15:20 – Hlakaipha ndodana yami! Qhathanisa nomqondo onjalo ku 10:1. Kepha nanku umqondo owengeziwe lapha wokuthi; ukuzonda umama wakho, umubuke njengesiwula kwenza wena ube yisiwula. Futhi qaphela lokhu kuthi “uma” noma “kodwa” abavunyelwe lapha. Isimilo sakhe kungathi asinandaba kangakho.

15:21 – Ngokuqonda noma kungengokuqonda. Qhathanisa uhhafu wokuqala novesi 14. Igama lesiHebheru elihunyushwe “*ubuwula*” likhuluma ngokungawenzi umqondo, lokhu umlomo wesiwula

*15:22 Lapho kungekho khona ukululekana, amasu ayachitheka,
kepha ngobuningi babeluleki ayakuma.
15:23 Umuntu uyathokoza ngokuphendula komlomo wakhe,
nezwi ngesikhathi salo lihle kangakanani!
15:24 Kohlakaniphileyo indlela yokuphila iya phezulu ukuba
adede endaweni yabafuleyo phansi.*

ohlala kukho (Vs 14) uphinde ukukhiphe (Vs 2). Qhathanisa uhhafu wesibili novesi 19. Emva kwegama “oqondileyo” kunomqondo “wokungagwegwanga”. UNkulunkulu wenza umuntu oqondayo ahambe ezindleleni ezihleliweyo (3:6).

15:22 – Isigxivizo sabaluleki (11:14). Kungani singabaza ukuzwa udokotela wesibili uma ucabanga ngabaluleki? Kungenzeka sifuna ukuvikela isithunzi sikadokotela wokuqala size thina singalungelwa?

15:23 – Impendulo enhle izuzisa izinhlangothi zombili. Impendulo enhle efike ngesikhathi esiyiso ayisikho ukuthokoza kuphela kowamukela ngokuhlakanipha kepha nakoyinikeza ngokuhlakanipha.

15:24 – Indlela engaphezulu.

15:24 – Abaziqhenyayo nababazingelayo. Inkosi ingumvikeli yabacindezelwayo futhi ibhubhisa abacindezeli. Iyathatha kwabazidlayo zona lezi zinto

15:25 Indlu yabaziqhenyayo uJehova uyayisiphula, kepha uyamisa umkhawulo womfelokazi.

15:26 Amacebo amabi ayisinengiso kuJehova, kepha amazwi acwebileyo ayamenamisa.

15:27 Ohahela inzuzo uhlupha indlu yakhe, kepha ozonda imivuzo uyakuphila.

15:28 Inhliziyo yolungileyo iyacabanga ukuphendula, kepha imilomo yababi iyaphafuza izinto ezimbi.

(imizi nomhlaba) abazama ukuzithatha kwabangenamsizi Kanye nabafelokazi.

15:26 – Buka uvesi 8-9.

15:27 – Isono sika Akhani. “Inzuzo”, lapha kungakhulunywa ngokungazuzwanga ngendlela elungile, okwalethela isono sika Akhani ukwahlulelwa engqondweni. Naye wakhathazeka ngaphezu kwakhe. Noma kungabe kukhulunywa ngesifiso senzuzo engezi kahle, eletha u 1 Thim 6:9-10 engqondweni. “Izipho” eziyintshontsho. Ohlakaniphile yilowo ozonda inkohlakalo nokwenza kabi kwabo (Mshu 7:7; Ekso 28:3; Dut 16:19).

15:28 – Amazwi aqashelwayo namazwi abudlabha. “Iyacabanga” okusho ukuthi iqala ngokuzindla ngempendulo efanele. Buka uhhafu wesibili uwuqhathanise novesi 2. Uma futhi uqhathanisa nababi (noma isiwula Vs 2), Olungileyo angeke adlale nje ngolimi lakhe noma kanjani ngokuba

15:29 UJehova ukude nababi, kepha uyezwa imikhuleko yabalungileyo.
15:30 Ukukhanya kwamehlo kuyathokozisa inhliziyo, nezindaba ezinhle ziyanonisa amathambo.
15:31 Indlebe elalela ukusola kokuphila iyakuhlala phakathi kwabahlakaniphileyo.

uyacabangisisa amazwi akhe ngaphambi kokuba aphenhule.

15:29 – Kude nalapha. Akusikho nje ukuthi inhliziyo yomubi ikude noNkulunkulu, naye akekho kuye. Umkhuleko wakhe awufiki enkosini ngoba izindlebe zakhe zilindela ukuzwa imikhuleko yabangcwele. Buka kwincwadi yabaseRoma 5:2, Heb 10:19-22; 1 Pet 3:12; 1 Joh 5:14-15. Futhi ngaphezu kokuzwa, uvesi 8 uchaza intokozo yenkosi.

15:30 – Izinto ezijabulayo. Lapha kunokukhuthazeka okuza nomngani othokozile nezindaba ezimnandi. Kufake kwabaseRoma 10:15 lokhu.

15:31-33 – Ekwamukeleni ukuyalwa.

- Ivesi 31 – Indlebe ezimisele ukulalela ukuyalwa nokulungisa iyoziholela indawo kwabahlakaniphile.
- Ivesi 32 – Ukwala ukuyalwa

15:32 *Onqaba ukulaywa udelela umphefumulo wakhe, kepha olalela ukusolwa uzuzwa ingqondo.*
15:33 *Ukumesaba uJehova kungukulaywa kokuhlakanipha; ukuthobeka kuyandulela udumo.*

kungukungazithandi wena uqobo (8:36). Igama lesiHebheru elihunyushwe “*onqaba*” lingase liwele emqondweni “wonganaki”, noma “othatha kancane”.

- Ivesi 33 – Umnyango wokuhlakanipha “*ngukwesaba uNkulunkulu*” okuza ngokuyalwa. Futhi ukhiye kwinhliziyi elalelayo (ongukhiye kithi sonke) ngukwehla. Indlela eya ekuhlonishweni iqala phansi. Indlela enyukayo yiyo futhi eyehlayo. Buka u 18:12; 22:4; Fil 2:5-11. Qathanisa no 16:18.

“Inhliziyo yomuntu iceba indlela,
kepha uJehova uyaqondisa
izinyathelo zakhe”

(Izaga 16:9)

Isahluko 16

16:1 Umuntu unamasu enhliziyweni, kepha impendulo yolimi ivela kuJehova.

16:1 & 9 – Inkululeko yomuntu, uNkulunkulu owengamele konke.

- Ivesi 1 – Okushiwo lapha ngukuthi umuntu ugcwele amacebo akhe enhlizweni yakhe, kepha ngisho ulimi oluphendulayo lungolwenkosi. Buka isiphrofetho sika Khayafase azikhethela sona encwadini ngokukaJohane 11:49-52.
- Ivesi 9 – Yize noma umuntu enamacebo ngokwakhe, kodwa nguNkulunkulu owaphumelelisayo.

Lapha sibona ukusebenza kukaNkulunkulu komusa esebenza ngemuva. Nguyena obona sonke isithombe esiphelele futhi okwaziyo okulungile. Njengokuba uNkulunkulu ephezu kwakho konke, kungabe kuhle kanjani ukuba umuntu abeke phansi impakamo noma ukuzidla kwakhe akuyekele ekuholeni kukaNkulunkulu ukuba akuhole.

16:2 Zonke izindlela zomuntu zimhlophe emehlweni akhe, kepha uJehova uyalinganisa imimoya.
16:3 Gingqela kuJehova imisebenzi yakho, ukuze kuqiniswe amasu akho.
16:4 UJehova wenzile konke kube nomgomo wakho; yebo, nomubi umenzele usuku olubi.

16:2 – Umahluleli wokugcina. Yize noma umuntu engacabanga ukuba izindlela zakhe zilungile, inkosi yazi kahle kuze kube sezinzulwini. Futhi-ke, ukuhlakanipha kusiholela ekutheni siziphose enkosini futhi siziqhathanise nokulunga kwayo.

16:3 – Siphosa kuye zonke izinkathazo zethu. “Gingqela” njengoba sibona umqondo wehubo (37:5), Gingqela kuNkulunkulu noma ngabe yini ofisa ukuyenza, ngaleyo ndlela lokho okufisayo kuyokufezeka. Ngokugingqela izinkathazo zakho nakho konke enkosini, konke ukuba nexhala kuyokuphela ngokuba indlela yenkosi icacile futhi inkosi iyasilungiselela ihlelemba amagebhugebhu aphambi kwethu (Qhathanisa u 3:6 & 15:19).

16:4 – Konke ngokwecebo lakhe. Akusikho ukuthi uNkulunkulu uhlela ububi, kepha uhlela konke akwengamele (ngisho ukuzikhethela komuntu) ngokwecebo lakhe. Iphuzu lapha lingukuthi, ngisho ububi uyabenza busebenzisane ngokwecebo lakhe kube ludumo kuye. Umuntu wenziwa waba

*16:5 Bonke abazidlayo ngenhliziyo bayisinengiso kuJehova;
impela abayikuyekwa.
16:6 Ngomusa neqiniso ukona kuyahlangulwa, nangokumesaba
uJehova kudedwa eubini.
16:7 Lapho izindlela zomuntu zimthokozisa uJehova, uzenza
nezitha zakhe ukuba zihlalisane kahle naye.*

nokukwazi ukuzikhethela, wazikhethela yena okubi, ngakho-ke ukwahlulela kukaNkulunkulu kuphezu kwakhe, kepha ngisho nalokho kusetshenziswa nguNkulunkulu ukuveza nokugqamisa ubungcwele bakhe kuveze nenkazimulo yakhe (KwabaseRoma 9:22-23).

16:5 – Isinengiso sabazidlayo. Inhliziyo yozidlayo ingaphezulu ohlwini lalokho inkosi ekuzondayo (6:16-17), Futhi kunesijeziso esiqinisekisiwe. Buka u 11:21 ukubona sona futhi isiqiniseko.

16:6 – Ithemba eliphilayo liyasebenza. Kungasikho ukuthi isono sicishwa yimisebenzi emihle, kepha ukuthi imisebenzi emihle iveza ukuphenduka kweqiniso. Uhhafu wesibili walelivesi uveza kona ukuvumelana nalomqondo. Uma inhliziyo ilungile, okuhle kudedisa okubi (Buka uJakobe 2:13-26). Hlampe wona lomqondo uphinda uvezwe nalapha ukuthi okuhle kuyakunqoba okubi (Rom 12:21). Qhathanisa futhi u 10:12 no 1 Pet 4:8).

16:8 Okuncane kanye nokulunga kungcono kunenzuzo enkulu kanye nokungalungi.

16:9 Inhliziyo yomuntu iceba indlela, kepha uJehova uyaqondisa izinyathelo zakhe.

16:10 Izimpendulo zikaNkulunkulu zisezindebeni zenkosi; umlomo wayo awuyikuphambuka ekwahluleleni.

16:7 – Thokozisa inkosi, hhayi abantu. Iphuzu lapha ngukuthi uma singukuthokoza kwenkosi, ingaguqula izitha zibe ngabangani. Qhathanisa u-Isaka no Abimelekhi kugenesise 26:26-31. Asidingi ukwesaba abantu uma silungile mayelana noNkulunkulu (Math 10:28). Ku 29:25 kukhona okunye okwengeziwe okugcizelela ukuthi singasabi abantu.

16:8 – kuncono ubuphofu okunokulunga kunengcebo engenakho ukulunga. Inzuzo enjalo ayizuzisi (14:4) futhi ayanelisi (15:16). “*Ukumesaba uNkulunkulu kanye nokwaneliseka*” kuyinzuzo enkulu kakhulu (1 Thim 6:6).

16: 9 – Buka ivesi 1.

16:10:15 – Ebuholini obuqotho.

- Ivesi 10 – Izinga lobuholi nomsebenzi wako. Ngokuba inkosi ikhuluma ngegunya elivela kuNkulunkulu. (Ize 12:22), iyaxwayiswa

*16:11 Ukulinganisa nesilinganiso esilungileyo
kungokukaJehova; zonke izisindo zasesikhwameni
zingumsebenzi wakhe.
16:12 Ukwenza okubi kuyisinengiso emakhosini, ngokuba
isihlalo sobukhosi simiswa ngokulunga.
16:13 Izindebe ezilungileyo ziyintokozo yamakhosi; amazwi
abaqotho ayawathanda.*

ngokuhlulela ngokungalungile.

- Ivesi 11 – Inkosi yengamele zonke izindaba zobulungiswa, ngakho kukuyo ukugxiviza zonke izikali zobulungiswa okulungile. Lomgomo wokulunga kumele uhambe phakathi kubantu uma bebhakene nabanye abantu (buka u 11:1).
- Ivesi 12 – Isexwayiso nesethembiso – Ubuholi bunamandla okubusisa noma esibusiso. Lona ngukhiye wesizwe esinamandla. Abaholi bayaxwayiswa ngobubi ngendlela enamandla ngenxa yendima yabo ebalulekile, kunesethembiso sokuba ukubusa kwabo kuyogcinwa ngokulunga, okungukuthi uma behola ngokulungile (Buka u 14:34).
- Ivesi 13 – Intokozo yangempela yenkosi. Kungenzeka ukuba inkosi ithokoze kulokho inkosi yamakhosi ekuveza noma ikubeke

16:14 Intukuthelo yenkosi injengezithunywa zokufa, kepha
umuntu ohlakaniphileyo uyayidambisa.
16:15 Ekukhanyeni kobuso benkosi kukhona ukuphila, nesisa
sayo sinjengefu lemvula yamuva.

ngokusemqoka, okanye izibonise ingomubi
(17:4).

- Ivesi 14 – Inkosi nabangaphansi kwayo. Ohlakaniphile yilowo owehlisa ulaka lombusi kunalowo ovusa ulaka lwakhe. Ngokuba uyakwazi ngamandla akhe ukusebenzisa igunya enze intando yakhe (“ngokuba uphethe inkemba” Rom 13:4; buka no 20:2). Lokhu akususi ngisho isidingo sokubhekana nenkosi iboniswe uma ingasenzi kahle. Buka indoda kaNkulunkulu encwadini 2 uSamuweli 12, uNathani encwadini 1 Amakhosi 13, noMikhaya encwadini 1 Amakhosi 22.
- Ivesi 15 – Ubuholi buphethe amandla esibusiso nolaka. Ukuqhathanisa okukwivesi 14.

Qaphela ukuyala kukaNkulunkulu ababusi. Ukhumbuza bonke abaholi, kusukela esihlalweni kuya phansi, ubakhumbuza ukuthi bangababusi

16:19 Kungcono ukuba nomoya othobekileyo kanye nabathobekileyo, kunokwabelana impango nabazidlayo.
16:20 Onakekela izwi uyakufumana okuhle, nowethembayo kuJehova ubusisiwe.
16:21 Ohlakaniphile ngenhliziyo uyakubizwa ngokuthi oqondileyo, nobumnandi bezindebe buyandisa imfundiso.

Ukuqhathanisa okukhona ku ku 15:33. Qhathanisa ivesi 5 no 18:12. Kukekwathiwa leli yiphakathi nendawo lencwadi yezaga. Yivesi elisemqoka ezikhathini eziningi.

- Ivesi 19 – Umoya othobekile nomphakathi uncono kunenzuzo yozidlayo. Lesi syisikhumbuzo sokugwema abazidlayo kanye nengcebo yabo. Buka isinqumo sikaMose esinobuhlakani (Hebh 11:25).

16:20 – Abacebile ezwini. Igama lesiHebheru (dabar) lingaphinde lihunyushwe lithi “igama”. Kungenzeka umqondo ovezwa lapha ngokuthi loyo onokuqonda izwi uthola okuhle, ngokuba lowo uziveza ethemba inkosi ngokuthokoza?

16:21 – Ukunyuka kodumo. Abahlakaniphile bayokwaziwa ngokuhlakanipha kwabo. (NjengoSolomoni), ngisho nangokuba nomusa ekuvezeni ingcebo yokuhlakanipha kwabo, okwengeza ekufundeni kwabo okuqhubekayo

16:22 Ukuqonda kungumthombo wokuphila konakho, kepha ubuwula bungukulaywa kweziwula.
16:23 Inhliziyo yohlakaniphileyo iyafundisa umlomo wakhe, yenezele imfundiso ezindebeni zakhe.
16:24 Amazwi amahle anjengamakhekheba oju; amnandi emphefumulweni, ayimpiliso emathanjeni.

(10:13).Buka inzuzo ezuzwayo kwivesi 23.

16:22 – Impilo nokucasha. Ukuqondisisa, njengababonisi abahlakaniphileyo, ngumthombo wempilo. Yize noma isiwula “singayalwa” ngesijejiso sobuwula baso (1:30; 14:14).

16:23-24 – Ekuhlakanipheni kwamazwi.

- Ivesi 23 – Umlomo ofundiswe yinhliziyi. Inhliziyo ehlakaniphile icolisisa ubuhlakani kanye namazwi obuchule.
- Ivesi 24 – Amazwi amnandi enkuthazo. Igama elihunyushwe “*amahle*” liphethe umqondo waloyo ofaneleyo (buka naku 15:26). Akushiwo amazwi amnandi amanga nawokutshela umuntu lokho afisa ukukuzwa, kepha amazwi akhulunywe ngesikhathi esiyiso, lapho alungile emzimbeni nasemphefumulweni. Buka kwezinye izindawo lapho kuvezwa khona lomqondo ngisho

16:25 Kukhona indlela eqondile phambi komuntu, kepha ukuphela kwayo kuyizindlela zokufa.

16:26 Iphango lesisebenzi liyasisebenzela, ngokuba umlomo waso uyasiqhuba.

nenzuzo yawo emzimbeni, buka ku 12:25; 15:30. Buka amazwi kaBhowazi enkuthazo kuRuthe (Ruthe 2:8-12). Lapho uBhowazi ayekhuluma khona noRuthe wayekhuluma ngamazwi enkuthazo. Inkosi yenza njalo ngabantu bayo, ayikhulumi lokhu esikufanele kepha iveza uthando lwayo.

16:25 – Qhathanisa nalokhu okafanayo ku 14:12. Ukubaluleka kuvela ekuphindaphindweni.

16:26 – Ukuswela kuyagqugquzela. Ukulangazelela kuyakugqugquzela impela ukusebenza. Nakhu ukuhlakanipha okungasiza abazali, kungabe umntwana omdala kukhona yini okumugqugquzela ukuba asebenze akwazi ukuzimela. NguNkulunkulu othi osebenzayo makadle. UPawulu ukubeka ngembaba kakhulu encwadini yesibili kwabaseThesalonika 3:10-12.

16:27-30 – Abacebi bamacebo.

- Ivesi 27 – Izindlela zamacebo amabi kanye nolimi oluhlabayo. “Indodana engalungile”

16:27 Umuntu omubi uphanda okubi, nasezindebeni zakhe
kunjengomlilo ohlangulayo.

16:28 Umuntu ophambeneyo usakaza ukuxabana, nomncethezi
wahlukanisa abahlobo.

okuchaza ukuthi engamsebenzi walutho. “Igubha”, okungumqondo wokumba umgodi ukuze iwise abanye, yingakho sibona umqondo wokucebisa amacebo. Abangenamsebenzi walutho bahlela ububi futhi balimaza abanye ngamazwi abo. Buka ukuqhathaniswa ku 24. Qhathanisa noJakobe 3:6, lapho sizwa khona ukuthi “*ulimi lingumlilo*”.

- Ivesi 28 – Abahlebayo nabangalungile badala ukuxokozela nokuxabana phakathi kwabangani. Kwenye indawo kubekwa ngokuthi “*ababi*” (10:32) kanye “nabanobungozi” (16:30) bakhuluma bacebe okubi. “Abahlebi”, lapha sinikezwa umqondo wabakhulumela phansi, okhuluma ngomunye engamuzwa, emkhuluma kabi impela. Buka igama elifana nalo elihunyushwe “*amazwi omcethezi*” ku 18:8; 26:20 no 22.

.....

Qaphela ukugcizelelwa kokuxabana kulencwadi ethandekayo. Ukuhlakanipha kuyasitshela ukuthi

16:29 Umuntu oyisidlwangudlwangu uyenga umakhelwane
wakhe, amhambise endleleni engenhle.
16:30 Ocimeza amehlo akhe uceba okuphambanisayo, noluma
izindebe zakhe ufeza okubi.
16:31 Ubumpunga bungumqhele wodumo; bufumaniswa
endleleni yokulunga.

ababi bathokoziswa ngukuxokozela (6:14),
Abanolaka (15:18; 29:22), ababi (16:28), abathanda
isono (17:19), abadelelayo (22:10), izidakwa (23:29),
abahlebayo (26:20; 16:28), nabazidlayo (28:25).
Ukuxokozela yiphuzu elixwayisa ikakhulukazi
abesifazane (21:9 & 19, 25:24; 27:15).

.....

- Ivesi 29 – Amandla ababi ayengayo. Buka futhi
ingozi yokuba nabangani ababi (1:10-19).
- Ivesi 30 – Umcebi wamacebo noma iqili. Uvala
amehlo akhe akhulume yedwa, edweba
isithombe futhi ezindla ngobubi.

16:31 – Umqhele wezinwele ezimhlophe zokulunga.
Ku 20:29 izinwele ezimpunga zabadala zinhle futhi
zingumqhele. Ngiyakuthanda lokho. “Umqhele” usho
ubukhosi nokugqoka isidima. Lapha kukhona
umqondo onombandela, ababi nabo bayawugqoka
umqhele ofanayo emnyakeni yabo yobudala, kepha
bengenakho ukuhlonishwa.

16:32 Owephuza ukuthukuthela muhle kuneqhawe, nobusa umoya wakhe kunonqoba umuzi.

16:33 Inkatho yenzelwa emathangeni, kepha ukwahlulela kwayo kungokukaJehova.

16:32 – Ubuqhawe obuhle. Ukukwazi ukuzithiba kubiza isibindi esikhulu kunempi. Akusikho nje ukuthi ukukwazi ukuzibamba kuveza ubuqhawe, kepha kuveza nokuqonda okukhulu (14:29). Ngale kokukwazi ukuzithiba kukhona ubuwula (14:17) futhi ukungavikelwa (25:28). Buka uJakobe 1:19-20).

16:33 – Akukho okuza ngephutha. Ngokuphonsa unkatho kwakulungiswa izindaba ezinzulu ezinzima kube nesivumelwano. Buka endabeni kaJona, u-Akhani (Josh 7:14-18), noJonathani (1 Samu 14:40-42). Kepha kwakuqondakala ukuthi inkosi yayisebenza intando yayo kuzo zona lezo zinkatho.

“Umngane uthanda ngezikhathi zonke,
nomzawane uzalwa ekuhluphekeni”

(Izaga 17:17)

Isahluko 17

17:1 Umthamo owomileyo kanye nokuthula ungcono kunendlu egcwele okuhlatshiweyo kanye nokuxabana.

17:2 Inceku eqondileyo iyabusa phezu kwendodana ehlazisayo; iyakudla ifa phakathi kwezelamani.

17:3 Ukhamba lokuncibilikisela lungolwesiliva, nesithando ngesegolide, kepha ovivinya izinhliziyi nguJehova.

17:1 – Umkhosi wengxabano. “*Iminikelo*” isho umkhosi onokudla nje phakathi. Umqondo uyafana noku 15:16-17 (“*ukwesaba uNkulunkulu, “uthando”*) no 16:8 (“*ukulunga*”). Ubuphofu nokuthula kwehlula impindwa. Ungacabangi ukuthi uyaphuthelwa uma ubuka abanakho labo abakhathazekile kanye nokukhulu kepha okungenalutho abanakho. UNkulunkulu usiholela ekutheni singabuki ingcebo yezwe siyifise.

17:2 – Ukuqonda kwedlula ihlazo. Ngisho ukuhlonishwa ngumndeni kuyinto encane uma ukuqhathanisa nokuhlakanipha kokuthembeka. Buka ngisho uSolomoni mhlazane ebhekene noJerobhowami (1 Kho 11:28).

17:3 – Umahluleli wezinhliziyi zonke. Ukuhlola kwenkosi kwenzela ukuguqula. Wenza enhlizweni

*17:4 Owenza okubi uqaphela izindebe zokona, nomqambimanga
ubeka indlebe olimini olubi.
17:5 Oklolodela ompofu usola uMenzi wakhe, nothokoza
ngengozi akayikuyekwa.
17:6 Abantwana babantwana bangumqhele wabadala, nodumo
lwabantwana lungoyise.*

yomuntu lokhu okwenziwa ngumlilo kwigolide noma isiliva (Mal 3:2-3). Kumahubo 139:23-24 uDavide wamema lomsebenzi kaNkulunkulu ngokuzimisela okukhulu.

17:4 – Uyilokho okuthandayo. Igama lesiHebheru elihunyushiwe “qaphela” noma “lalela”, kukhona empandeni yalo incazelo esho ukushuka noma ukuyibamba indlebe (yesilwane) ngokuqaphela. Lokho okukuwe nalokho oyikho yikona okudonsa indlebe yakho. Amagama angamanga noma abuhlungu ajatshulelwa ngabenzi bobubi kanye nabaqambimanga kuphela. Buka futhi nokhuluma umbhedo ozikhohlisa yena (KuThithu 3:10-11).

17:5 – Indlela ophatha ngayo abampofu uphatha ngayo inkosi. Ukungabi nanhliziyo kuyogcina ngokujeziswa. Buka u 14:31 no 22:2.

17:6 – Umndeni othokozile oqhubekayo. Abantwana nabazukulu bayisibusiso sikaNkulunkulu (Hub 127 & 128). Abantwana bangumhlobis wabazali

17:7 Izindebe ezinobungcweti azifanele isiwula; kakhulu kangakanani umlomo wamanga isikhulu.
17:8 Isipho sinjengetshe elinqabileyo emehlweni omninilo: noma ebhekaphi, uyaphumelela.
17:9 Osibekela isiphambeko ufuna uthando, kepha onokondisa indaba wahlukanisa abahlobo.

babo njangokuba nabazali bengumhlobiso wabantwana babo. Yiliphi ifa elincono kunegama elihle labazali abahle?

17:7 – Ukuba mbaxambili. Amazwi amahle kakhulu okuzenzisa esiwula awanambitheki njengomuntu ohloniphekile kepha ongumqambimanga. Loyo unokuncane angaziqhenya ngakho kanti lomunye angaligcina igama lakhe elihle. Umuntu omncane akumele azenze mkhulu, kanjalo nabantu abakhulu akumele bazenze bancane.

17:8 – Amandla ezipho. “*Isipho*” lapha singasho intshontsho, okungukupha kokufuna ukuzuza okuthile. Ukupha izipho akuhlezi kuyinto embi, kepha lapha sibona okuphambene. Ukuphana kuvule iminyango. Buka u 18:16 hlampe no 19:6. Buka izipho zikaJakobe ku-Esawu (Gen 32) noJosefa (Gen 43:11).

17-9 – Ukuthatha kancane nokubhekisisa okubi. Okuqhathaniswe lapha yilabo okuthi ngothando

17:10 *Insolo ingena koqondileyo kunemivimbo eyikhulu
koyisiwula.*
 17:11 *Omubi ufuna ukuhlubuka kuphela; ngalokho
kuyakuthunyelwa kuye isithunye esinonya.*
 17:12 *Umuntu makahlangane nebhere* elaphuciwe amawundlu
alo kunesiwula ebuwuleni baso.*
 17:13 *Ophindisela okuhle ngokubi, ububi abuyikusuka endlini
yakhe.*

bangakunaki okubi kwabanye (10:12; 19:11; 1 Pet 4:8), nalabo abangeke babayekele bakhohlwe. Umphumela wubumbano noma ukwahlukana.

17:10 – Abamukelayo nabanqabayo. Igama elilodwa elicolekile lohlakaniphileyo lihamba ibanga elide elidlula imishayo elikhulu koyisiwula. Buka okuphakanyiswa ngukuhlakanipha ngokwala ukuhle kwababi (9:7-8; 12:1; 13:1; 15:5).

17:11-15 – Izindlela zobubi

- Ivesi 11 – Abadlobongelayo bathanda okubi kuphela, bayoqondana nontanga wabo.
- Ivesi 12 – Isilima esihlome ngobulima siyingozi edlula ibhere elinolaka.
- Ivesi 13 – Ngaphezu kokubonga. Buka izinkinga zikaDavide emva kokuhlela ukufa kuka-Uriya owayethembekile (2 Sam 12:10). Buka izinkinga zenkosi uJowashi emva kobubi

17:14 *Ukuqala kokuxabana kunjengokuvula amanzi; ngalokho yeka inkani, ingakashisi.*
 17:15 *Othetha omubi nolahla olungileyo bayisinengiso kuJehova bobabili.*
 17:16 *Yini ukuba kube yimali esandleni sesiwula ukuthenga ukuhlakanipha, kungekho ukuqonda, na?*

bakhe (2 Kro 24:15-26). Buka ukuqhathanisa nababusisiwe kwabaseRoma 12:17-21 no 1 Pet 3:9.

- Ivesi 14 – Umoya osekela ubuthakathaka. “Usekela”, leligama lisho ukuvinjwa ukuba kuphume ngamandla, njengamanzi edamini noma isango elivulwa lonke. “Kuphuma”, okubhalwe ngesiHebheru. Lapha kubekwa uphawu lokuma noma ukumisa ulaka oluphuphumayo ngaphambi kokuba lipatshake. Buka ukudunyiswa kwalowo ku 20:3.
- Ivesi 15 – UNkulunkulu uyakuzonda ukungabikho kobulungiswa. Buka isexwayiso sakhe ku-Eksodusi 23:7 ukuthi akukho okungaba yizaba zokungalungi kuye. UNkulunkulu uzonda yena owenza izaba kongalungile kanye nophatha kabi olungile. Buka ukugcizelela kwakhe ubulungiswa ku 11:1; 16:11; 20:10 no 23.

17:17 Umngane uthanda ngezikhathi zonke, nomzalwane uzalwa ekuhluphekeni.

17:18 Umuntu oswela ingqondo unikana nomunye izandla, abe yisibambiso phambi komakhelwane wakhe.

17:19 Othanda ukuxabana uthanda isiphambeko; owenza umnyango wakhe ukuba uphakame ufuna ukubhujiswa.

17:16 – Imizwa ngaphandle kokuzimisela ngokuthize. Kungani kunemali yokuthenga ukuhlakanipha esandleni sesiwula, kepha ingekho inhliziyo nesifiso sokufuna ukuhlakanipha (18:2)? Kunjalo nakombaxambili. Ufuna ukuthenga kanti futhi akafuni.

17:17 – Umngani weqiniso uthanda njalo. Ukukhathazeka kuveza ukuthi bangobani abangani bethu, umfowethu olungileyo wayezalelwe isikhathi sethu sesidingo. Qhathanisa isineke sikaNkulunkulu nokufuna abangakholwayo isikhathi eside.

17:18 – Qhathanisa u 6:1-5. Nakhu ukusho okusobala kwesiwula lapha sihambe siba yisibambiso sanoma ubani.

17:19 – Ukuxabana nokuzenzisa. Izithandani ezigxambukelayo yinkinga yezithandani, ukugabisa kungukuzifunela ukukhubeka. Lapha sibona izindlela ezimbili zokuzazi.

17:20 Onenhliziyi ephambeneyo akafumani okuhle; onolimi oluyisigwegwe uwela engozini.
17:21 Ozala isiwula kulusizi kuye; uyise wesiwula akathokozi.
17:22 Inhliziyi eyenamileyo iyikhambi elihle, kepha umoya owaphukileyo uyomisa amathambo.
17:23 Omubi uyamukela umvuzo okhishwa esifubeni ukuba aphambukise izindlela zokwahlulela.
17:24 Ukuhlakanipha kuphambi koqondileyo, kepha amehlo esiwula asemikhawulweni yomhlaba.

17:20 – Ukufunda ngeso lakho. Ababi babona ububi bodwa ngokuba ububi abububoni ukulunga. Buka uThithu 1:15. Kanti futhi, loyo odlala imidlalo yolimi ngeqiniso uyakuwela ebubini.

17:21 – Uyise wesiwula ozisolayo. Kuyisikhalo esijwayelekile kulezahluko (10:1; 15:20; 17:25; 19:13).

17:22 – Inhliziyi ejabule, umzimba ophilile. Isimo sakho singudokotela wakho woqobo. Buka isisombululo esifanayo ku 4:20-22 & 16:24. Buka no 14:30; 15:13 & 16:24. Qhathanisa u 14:30; 15:13 & 18:14.

17:23 – Ekufumbathisaneni. Lapha sibona isithombe sokufumbathisana, nesizathu sako siyasibona. Kwenzelwa ukwephula ingalo yomthetho.

17:25 Indodana eyisiwula ilusizi kuyise nokubaba
kwayizalayo.

17:26 Ukuhlawulisa olungileyo akukuhle, nokushaya abaqotho
akulungile.

17:27 Obamba amazwi akhe unokwazi; onomoya opholileyo
ungumuntu oqondileyo.

17:28 Nesiwula lapho sithule kuthiwa isihlakaniphi; ovala
umlomo wakhe ungoqondileyo.

17:24 – Amehlo esiwula. Ukuhlakaniphi kungukuphokophelela kulabo abaqondayo (kuseduze kobuso babo. Kanti ukufuna kwesiwula kundawo zonke. Imicabango yaso ihlakazekile kukho konke, kanti kunye okubalulekile.

17:25 – Indodana elusizi. Igama elihunyushwe “*ilusizi*” liqinile kunelisho “*inhlungu*” kwivesi 21.

17:26 – Isijeziso kumele siwele kulabo esibafanele. Buka uvesi 15 uqhathanise no 18:15.

17:27-28 – Ekubambeni amazwi.

- Ivesi 27 – onomoya opholileyo “*Unokwazi*” (loyo okwazi ukuzibamba), njengokuba sibona ukuthi unesidima nomoya ophansi.
- Ivesi 28 – Ingwijikhwebu yaphezulu.

Buka kwezinye izindawo lapho kuvela khona ukubamba amazwi ethu ku 10:19; 13:3; 14:33;

15:28. Qhathanisa “*nowesifazane onomusa*” ku
11:16.

“Igama lika Jehova
lingumbhoshongo onamandla;
olungileyo ugijimela kuwo,
alondeke”

(18:10)

Isahluko 18

- 18:1 Ozahlukanisayo ufuna esakhe isifiso, uphika konke
ukuhlakanipha.*
*18:2 Isiwula asithokozi ngokuqonda, kuphela ngokuveza
okusenhliziyweni yakhe.*
*18:3 Lapho kufika omubi, kufika nokudelela; kanye nehlazo
kukhona inhlamba.*
*18:4 Amazwi omlomo womuntu anjengamanzi ajulileyo,
nomfula ogobhozayo, nomthombo wokuhlakanipha.*
-

18:1 – Udlayedwa. Ngokubuka kwakhe yedwa nokwezinto azithanda yena yedwa uyaziqhelanisa nabanye abantu (noma hlampe uziphilela impilo yakhe yedwa). Futhi uyaphikisana nabazama ukumbonisa.

18:2 – Ukuphuza ukuzwa, ukushesha ukukhuluma. “Thola”, lapha kunomqondo noma umuzwa “wokuveza”. Isiwula asizimisele ukuhlangana nokuqonda, kuphela ukuveza lokho esicabanga ukuthi siyakwazi. Buka u 12:23; 13:16; 15:2.

18:3 – Ukufika komubi nokufika kokudelela. Ukudelela nehlazo kufika nababi.

18:4 – Amanzi ajulileyo. Lapha asho lokho okufihliwe enhlizweni yomuntu noma okungemuva kwamazwi

18:5 Ukukhetha ubuso bomubi ukuba olungileyo aphambukiswe ekwahlulelweni akukuhle.
18:6 Izindebe zesiwula ziletha ukuxabana, nomlomo waso ubiza imivimbo.
18:7 Umlomo wesiwula ungukubhujiswa kwaso, nezindebe zaso zilugibe lomphefumulo waso.
18:8 Amazwi omncethezi anjengezibiliboco; ayehlela kokuphakathi komuntu.

akhe. Hlampe lapha kuqhathaniswa indlela embi yomuntu ecashile kanye nokuhlakanipha okusobala.

18:5 – Ukukhetha ubuso. Lapha futhi kugxilwe esilinganisweni esilungile nokwahlulela okuyikho. Buka u 17:26.

18:6-7 – Isitha sabo bonke, nesitha saso uqobo.

- Ivesi 6 – Isiwula siphilela ukuxabana, singaboni ukuthi ngomlomo waso wokuxabana sizibisela ukushaywa noma isijeziso.
- Ivesi 7 – Ngale nje kokushaywa, umlomo wesiwula uphafuza ukubhujiswa.

18:8 – Amazwi alimazayo. Igama elingemuva kwegama “omcethezi” lapha yilo futhi igama elisho “umhlebi” ku 16:28. Lapha kudwetshwe isithombe sesilonda esijulile esenziwa ngamazwi othanda

18:9 *Ovilapha emsebenzini wakhe yena ungumfowabo
wochithayo.*
18:10 *Igama likaJehova lingumbhoshongo onamandla;
olungileyo ugijimela kuwo, alondeke.*
18:11 *Imfuyo yesicebi ingumuzi waso onamandla; injengogange
oluphakemeyo emicabangweni yaso.*
18:12 *Ngaphambi kokubhujiswa inhliziyo yomuntu
iyaziqhenya; ukuthobeka kwandulela udumo.*

ukukhuluma kabi. Buka ukufana okukhona ku
26:22. Qhathanisa namandla aphilisayo amazwi ku
12:25 no 16:24.

18:9 – Ubuvila “inkosi yokubhujiswa”. “*Ochithayo*”
lapha yilowo omoshayo ngendlela yokubhubhisa
nokuhlaphaza kunokuqoqa. Igama “*wochithayo*”
lisho “inkosi yokubhujiswa” noma “umchithi
weqophelo”. UNkulunkulu ugqamisa ukuthi loyo
ovilaphayo emsebenzini wakhe uveza imiphumela
nenzuzo encane, kepha ngalokho usuke ebulala.

18:10 – Ukuphepha egameni. Ukuthola ukuphepha
egameni lenkosi kungukuba sezindaweni
eziphezulu. Ukukhushulelwa ngaphezu komhlaba
nokulimaza kwawo. Buka uMathewu 10:28.

18:11 – Izindonga zengqondo. Lapha kuvezwe
ithemba lesicebi. Ingcebo yaso ifana nezindonga
ezimuzungezile, kepha konke lokho kusengqondweni
yakhe.

18:13 Obuyisa izwi engakezwa, kungubuwula nehlazo kuye.
18:14 Umoya womuntu uyasekela ubuthakathaka bakhe, kepha
ngubani ongathwala umoya owaphukileyo na?
18:15 Inhliziyo yoqondileyo iyazuza ukwazi, nezindlebe
zabalungileyo ziyafuna ukwazi.
18:16 Isipho somuntu siyamenzela indawo, simholele
kwabakhulu.

18:12 – Qhathanisa u 16:18 no 15:33. Uhhafu wesibili wevesi ubonakala kahle lapha ku 22:4.

18:13 – Ukuhlakanipha kokuzithiba. Siphinde siyabona kuphakanyiswa ukuzibamba uqale ucabange ngaphambi kokuba ukhulume (15:28). Kulapha la khona isiwula esizibona sibalulekile siziveza ngokusheshe sibeke umbono waso ongavuthwanga. Qala uzwe zonke izinhlangothi zendaba kuqala (Vs. 17).

18:14 – Umoya wokubekezela. Ziyabekezeleleka izinto ngokuqonda okulungile. Ithemba kwizithembiso zenkosi nenkosi yezithembiso kukhulula kwizinkathazo ezinzima. Qhathanisa nalezincwadi; Amahubo 42:5-6, 11; 43:5; Fil 4:4-9.

18:15 – Ukufuna ukwazi. Lesi yisihloko esijwayelekile (15:4; 17:24), okuveza loyo ofunayo nokuthola ulwazi. Qhathanisa u 17:16 no 18:2.

18:17 Ongowokuqala ecaleni lakhe usengathi ulungile, kepha umakhelwane wakhe ufika, amphenye.
18:18 Inkatho iyaqeda ukuxabana, yahlukanise phakathi kwabanamandla.
18:19 Umzalwane owoniweyo ulukhuni kunomuzi onamandla, nokuxabana kunjengemigoqo yenqaba.

18:16 – Ukuphana kuzuza izinhliziyi. Buka u 17:8.

18:17 – Isigcino esinomqondo. Uhlangothi lokuqala olubeka indaba luzwakala lulungile angithi, kuze kube kuzwakala olunye uhlangothi. Umqondo unokufana no 2&13, lapho khona isiwula singeke sithathe isikhathi ukuze sizoqonda. Okumele kuthathwe lapha ngukuthi, yizwa yonke indaba ngaphambi kokuba waneliseke uze uzenzele isiphetho unike nempendulo.

18:18 – Ukuqeda ukuxabana. Ukuphosa unkatho kwakuyindlela yokuqeda ukuxabana, kwakuqeda impi noma ingxabano. Kwakuyindlela yokunikela imiphumela enkosini (16:33).

18:19 – Okungenziwa ukuxabana. Leli yivesi elinzimana nokho ukuliqonda. Hlampe kuyisexwayiso sokungena ezingxabanweni nokuzithatha kancane njengoba kungenzeka kwakhe izindonga ezinenkani, okunzima ukuba zingasuswa ngokupheleleyo.

*18:20 Isisu somuntu siyasutha ngesithelo somlomo wakhe,
saneliswe ngokuthela kwezindebe zakhe.*

*18:21 Ukufa nokuphila kusemandleni olimi, nabaluthandayo
bayakudla izithelo zalo.*

18:20-21 – Imicabango ngamazwi.

- Ivesi 20 – Amazwi amnandi. Ukukhombisa ubungani nokungaxwayi abanye kungahamba ibanga elide, kungaze kukusize ngisho ukuba uthole umsebenzi. Ukuhlakanipha vele sekunikile imiyalo ngamandla amazwi asizayo noma alimazayo. Buka manje ukuthi angakulethela okuhle ekhaya.
- Ivesi 21 – Igxathu eliqhubekayo. Akusikho kuphela ukuthi ulimi lakho lingakupha ukudla noma likuzuzise, lingaphinda likugcine uphila noma likunqume uqhoqhoqho (Buka incwadi kaJakobe 3). Usathane waqeda ngomuntu wamufaka ngaphansi kwamandla esono ngenxa yamazwi ayekhulunyiwe (Gen 3:1, 4-5). Kanti futhi nevangelisi elilula “lingamandla kaNkulunkulu okusindisa” futhi liyimpilo ephakade. (Roma 1:16).

Uhhafu wesibili walelivesi nawo unzima. Kubukeka sengathi nakhona kukhulunywa ngolimi. Ngendlela embi – ukuthanda ulimi

*18:22 Ofumana umfazi uthola okuhle; uzuzile isisa kuJehova.
18:23 Ompofu ukhuluma ngokuncenga, kepha isicebi
siphendula kalukhuni.*

okudlulele ekulisebenziseni kabi okuholela
“kwizithelo” ezimbi. Uma lokhu kubhekwa
kahle, ukuthanda ulimi kungasho
ukulisebenzisa ngendlela elungile noma
efanele, okuthela izithelo ezinhle.

18:22 – Othola okuhle ngonkosikazi. Buka
okufanayo nokuqhathaniswa phakathi kokuthola
umfazi (8:17) kanye nokuthola ukuhlakanipha
(8:35), “*okuhle*”; 8:11 & 31:10, “ngaphezu
kwerubhi”). Ukuthola unkosikazi olungile kufana
nokuthola ukuhlakanipha. (19:14), ngokuba
ukuhlakanipha kunokuningi okukushoyo
okuyisexwayiso salokhu okunye;

- 7:19-20 – Unkosikazi ozulayo.
- 14:1 – Owesifazane oyisiwula.
- 19:13; 21:9 – Owesifazane onokuxabana
(kuncono ungabi namfazi kunokuba
naloluhlobo).

Injabulo noma ukuphuka kwenhliziyo emshadweni
kulele kumlingani okubo lobo budlelwane.

18:23 – Ompofu oncengayo kanye nocebile ongenasineke. Isibonelo lapha siveza ukuthi bonke abanezidingo noma abahlwempu bayacindezeleka ukuba baphile ngokuncika kwabanye, kanti labo abacebile ukuzidla kwabo kuyaqonga ngenxa yokuthi bayakhona ukuziphatha, futhi bakhuluma ngendlela abathanda ukukhuluma ngayo. Ukuhlakanipha kusiyala ukuba sidlalele kude nemali engatholwanga ngendlela okuyiyo noma elungile, kuphinde kunxenxe abacebile ukuba bangayekeli imali intshontshe ubuntu kubo.

18:24 – Kukhona abangani, mese kuba khona abangani. Njengokuba “indoda kaNkulunkulu”, iyindoda ezinikele kuNkulunkulu, ngakho lapha kukhulunywa “ngendoda yabangani”, kungenzeka umuntu agcine eselahla imigomo ebalulekile aphila ngayo ukuze ezojabulisa abangani. Uhhafu wokuqala walelivesi uveza ubungozi balokho. Kephakukhona umngani omayo (17:17).

Isahluko 19

*19:1 Ungcono ompofu ohamba ekupheleleni kwakhe
kunophambene ngezindebe zakhe eyisiwula.*

*19:2 Futhi akulungile ukuba umphefumulo ungabi nakwazi;
oshesha ngezinyawo uyaduka.*

*19:3 Ubuwula bomuntu buchitha indlela yakhe, kepha inhliziyiyo
yakhe iyamthukuthelela uJehova.*

19:1 – Ukulunga ngaphezu kwakho konke. Kuncono ukuba nokuncane kodwa ulungile kunokuba ngumzenzisi ozidlayo. “Ukuhamba kuchaza indlela nje yempilo, engesilo iphutha, kungesiyo into ethuke yenzeka.

19:2 – Osheshela ekudukeni ebese eyaduka. Ukuhlakanipha kuhlezi kusibiza kususisa ekungazini. Igama “owonayo” lisho odukayo noma othatha uhlangothi lokuduka. Thatha isikhathi uqonde ngaphambi kokuba ugijimele ekungazini ebese uyaduka.

19:3 – Ukuninda omunye ngecala lakho. Umuntu kumele asole ubulima bakhe kuphela uma engasaphumeleli noma eduka, kepha ube esekhala enkosini ngokucasuka “emelene nenkosi” uma sekumbhedela. Buka u-Adamu wenzani lapha

19:4 Imfuyo iyenezela abangane abaningi, kepha ompofu uyashiywa ngumngane wakhe.
 19:5 Ufakazi wamanga akayekwa, nophafuza amanga akayikusinda.
 19:6 Banningi abancenga izikhulu; bonke bangabangane bomuntu wezipho.
 19:7 Bonke abazalwane bompofu bayamzonda; kakhulu kangakanani abangane badedela kude naye; uyabaxosha ngamazwi, kepha awasekho.

kuGenesisise 3:12 eninda unkosikazi wakhe. Buka nencwadi yesambulo 16:11&21.

19:4, 6-7 – Abangani bemali.

- Ivesi 4 – Kungukuzicabangela okukhona kubantu emhlabeni ukuthi bathande abacebile bayeke abampofu, ukuba “abangani” ngoba kukhona abazokuzuza. Buka u 14:20. Nokuphikisana kuka 17:17 no 18:24.
- Ivesi 6 – Abangani bongumuphi wezipho. “Bencenga usizo noma ukuphiwa”, yikho lokho ukuphulula ubuso balowo ocebile nokuzibekela umngani ozuzisayo. Buka uhlangothi olulungile lalokhu ku 17:8 & 18:16.
- Ivesi 7 – Ukuzicabangela okudlula izibopho zomndeni. Amagama okuncenga alowo

19:8 Ozuza ukuqonda uthanda umphefumulo wakhe; ogcina ingqondo uyakufumana okuhle.
19:9 Ufakazi wamanga akayekwa, nophafuza amanga uyakubhubha.
19:10 Ukutamasa akufanele isiwula; kakhulu kangakanani akufanele ukuba inceku ibuse phezu kwezikhulu.

ompopfu awasho lutho kunomcebo wakhe.

19:5&9 – Ufakazi wamanga.

- Ivesi 5 – Ukubanjwa kwakhe kuqinisekisiwe.
- Ivesi 9 – Ukulahlwa kwakhe kuqinisekisiwe.

Buka lapha ukugcizelela kokwenza iphuzu ngokuphinda phinda. Qhathanisa no 6:19 kanye no 14:25. Buka okungenziwa ngalomgomo kuleli vangeli lamanga elishunyayelwayo neliguquliwe.

19:8 – Ukuzithanda wena. Ukufuna ugcine ukuqonda kungukuzithanda wena. Noku “*thanda umakhelwane wakho njengalokhu uzithanda wena*” (Math 22:39) kungukwenza kwabanye ngokufunayo nawe. Buka ukugcina komyalezo wokuhlakanipha ku 8:35-36.

19:9 – Okucishe kufane novesi 5.

19:10 – Izinto ezimbili ezingezinhle. “Thokoza” lokho

*19:11 Ukuhlakanipha komuntu kubambezela intukuthelo yakhe;
kuludumo lwakhe ukudlula esiphambekweni.*

ngathi kusho empilweni elungile. Ukuphila kamnandi kungona isiwula kusiholele ebuwuleni obukhulu njengokuba singenakho ukuhlakanipha sokukubamba kahle. Okunye okubi ukuthi umuntu anikezwe lokhu angakwazi ukukubamba, okumehlulayo kubekwe kuye. Kanjalo naku 30:22 izisebenzi kwabasemagunyeni zibekwe njengokunye okunzima.

.....

Izinto ezingasilungele isiwula;

- Ukukhuluma okukhulu (17:7).
 - Ukuphila impilo yobukhazikhazi (19:10).
 - Ukuhlonishwa (926:1).
-

19:11 – Ukuhloba kukubekezela. Ukulunga komuntu kugqashula intambo ende, futhi ukuzimisela kwakhe ukuxolela iphutha nokunganamatheli kulo kungukukhazimula kokuhloba. Kungesinye isici sesimilo sokuhlakanipha. Qhathanisa u 10:12 no 17:9, 27.

*19:12 Ukufutheka kwenkosi kunjengokubhonga kwengonyama,
kepha isihhe sayo sinjengamazolo etshanini.
19:13 Indodana eyisiwula iyinhlupheko kayise, nokuxabana
komfazi kungukuconsa njalonjalo.*

19:12 – Okufanele inkosi. Inkosi ingafana nebhubesi elibhongayo elifuna ukubhozomela (Dan 2:12-13), noma njengoju oluzuzisayo (Dan 4:20-21). Izilwanyane zasehlathini ziyashaqeka zesabe uma zizwa lowo onamandla ngaphezu kwempilo ngokuba akwaziwa ukuthi uhamba uya ngakuphi ubheke bani, nokuthi ukubhonga kwakhe kumusaphi. Uhhafu wokuqala wevesi uyafana no 20:2, kanti uhhafu wesibili uyafana no 16:15.

19:13 – Ukuxabana nenhlupheko ekhaya. Igama lesiHebheru elihunyushwe “*inhlupheko*” liphethe umqondo osho ukumoshakala noma ukubhubha. Kungaphezudlwana nje “kobunzima” (10:1), “inhlungu” (17:21), kanye nokukhala (17:25) okukhulunywe ngakho phambilini uma kubhekwa indodana engahlakaniphile kuvesi 26. Ukuzala nokukhulisa abantwana akusiyo into engathathwa kancane.

Uhhafu wesibili walelivesi uthola ukubukwa ngokuphelele ku 27:15-16. Ayikho into enzima lapha, kuphela ukuqhubeka kokucasuka,

*19:14 Indlu nemfuyo kuyifa elivela koyise, kepha umfazi
ohlakaniphileyo uvela kuJehova.
19:15 Ubuvila bushonisa ebuthongweni obunzima, nesidenge
siyalamba.
19:16 Ogcina umyalo ulonda umphefumulo wakhe, kepha
onganaki izindlela zakhe uyakufa.*

njengobuhlungu obungafuni ukuhamba. Buka uqhathanise nomoya opholile ku 17:27, noma umusa ka 11:16 no 31:26.

19:14 – Isipho sikaNkulunkulu. Lena kungenzeka ukuba yimpendulo kavesi 13 njengoba ubaba kunguye onikeza ifa lomshado, kanjalo yinkosi enikeza unkosikazi olungile. Njengokuba ubaba aba izinto zakhe ngesikhathi asibona sifanele, kanjalo nenkosi yenza njalo ngezipho zayo ezinhle. Esingakufunda lapha ngukulinda enkosini uma uzimisele ngokuthola okuhle, ube nehlo elibheke isexwayiso ekukhulunywe ngaso kwivesi eledlule. Buka u 18:22.

19:15 – Ukwehlela kwevila. Lisuka ekubeni yivila liye lapho kungekho khona impilo, ebuthongweni, ekudembeseleni liye endlaleni. Qhathanisa nalona olala ngesikhathi sokuvuna ku 10:5. Qhathanisa no 10:4 oyela kubuphofu no 12:24 emsebenzini wempoqo.

19:17 Onomusa kompofu utsheleka uJehova, nomsebenzi wakhe
uyawubuyisela kuye.
19:18 Yilaye indodana yakho, lisekhona ithemba; ungabhekisi
inhliziy o yakho ukuyibulala.

19:16 – Ucabangani ngezwi? Igama lesiHebheru elingemuva kwegama elihunyushwe “*ogcina*” liphinde lihunyushwe ngendlela yokuchaza lona olele ebubini (Hub 56:7; 71:10), okukunika umqondo wokuzimisela ukukwenza lokho. Ukuthathela nokungathatheli amazwi enkosi phezulu kuyindlela yokuzigcina noma indlela yokuzibhubhisa.

19:17 – Inzuzo iqinisekisiwe. Ukubuyisela kokubili kuyavela egameni elisho ukuthi “boleka” noma “khokha”. Konke ukwenza komusa kwabampofu kungukuzibekela wena esikhathini esizayo. Inkosi uqobo lwayo iyokubuyisela. Buka incwadi kaMathewu 25:40 no 45, “*eningakwenzanga komunye walaba abancinyane anikwenzanga nakim*”. Buka u 28:27.

19:18 – Ifastela lethemba. “Laya”, lokhu kusho ukukhuza nangoswazi nemivimbo. Lapha kuvela ukuthi likhulu ithemba kumntwana uma ekhuzwa noma elaywa esemncane. Buka u 23:13-14 lapho khona ithemba kungelokwaphulwa okuyisa ekuphileni okuphakade. Ukungalifaki uswazi

19:19 Onolaka olukhulu uyathweswa ihlawulo, ngokuba uma umophula, umelwe ukukuphinda.

19:20 Yizwa isiluleko, wamukele ukulaywa, ukuze uhlakaniphe ekugcineni.

akusikho ukwenza umusa njengokuba kungabonakala kanjalo uma ukubukela phezulu.

19:19 – Ukubhekana nonolaka. Lapha kunomgomo kavesi 18 obhekiswe kwabadala abanobungane. Igama elihunyushwe “isijeziso” lisho ukujezisa ngokukhokhisa imali. Ulaka olungabanjwa luletha izinkinga, ngisho isijeziso, ngisho inkokhelo yomonakalo owenzeka lapho ulaka lusephezulu (Buka isibonelo sokulimaza esiza emntwaneni omncane ongakazalwa ku-Eksodusi 21:22). Ukuhlakanipha kuthi onjalo makangasizwa uma ubuwula bakhe seubhekene naye, kuyomele uphinde umsize futhi. Usizo ongaluletha ngolokuthi umeke ezwe noma abone imiphumela yobuwula bakhe. Ukusheshe umophule akusikho kwenza umusa, kufana nokungamushayi umntwana.

19:20 – Ithemba lasekugcineni. Kungathi ukuhlakanipha kukhuluma into enomqondo kulabo abanolaka bevesi 19. “Ukuzwa”, “nokwamukela” kubhalwe njengemiyalelo. Lawa futhi kungaba amazwi kwabancane.

*19:21 Kukhona amacebo amaningi enhliziyweni yomuntu,
kepha isiluleko sikaJehova siyakuma.
19:22 Ukuthandwa komuntu kubangwa ngumusa wakhe;
ompopu ungcono kunomuntu wamanga.
19:23 Ukumesaba uJehova kungokokuphila; onakho uhlezi
anelisiwe, akahanjelwa ngububi.*

19:21 – Indlela eyodwa enesiqiniseko. Umuntu uveza imicabango yakhe eminingi, izinhlelo zakhe, izinkathazo zakhe, kepha injongo eyodwa nokuphela kumile, leyo ingeyenkosi. Ukuhlakanipha kulaya lokhu esikufunayo ukuba kuthobeke intando yalokho okwenkosi kunokuqhubekela phambili ube ungeke uphumelele ngendlela yakho (Hub 107:11, 25-27).

19:22 – Ukuhlonishwa ngokuhle. Kusekuhlonishweni komuntu ukuthola okuhle. Hlampe lapha kuqhathaniswa lowo ompofu kepha onobubele, naloyo okwazi ukusiza onesidingo kodwa aqambe amanga nendlela angakwazi ukusiza ngayo sengathi ubephoqiwe, inhliziyo engenaso isihe.

19:23 – Owaneliseke manje naphakade. Umusho wokugcina (“ovakashelwe”), ukhuluma ngokuvakasha kukaNkulunkulu nesijeziso (U-Isa 29:6). Kepha inzuzo eza ngokwesaba inkosi. Yindlela yempilo, impilo echichimayo, ngale kokusaba okubi. Futhi onjalo akayi embhedeni wakhe eyolala enganelisekile noma ekhathazekile.

*19:24 Ivila liyafaka isandla salo esitsheni; alisibuyiseli
nasemlonyeni walo.
19:25 Shaya isideleli, ongenalwazi uyakuthola ukuqonda; sola
oqondileyo, uyakuqonda ukwazi.
19:26 Ochitha uyise noxosha unina uyindodana ehlazisayo
nebanga amahloni.
19:27 Yeka, ndodana yami, ukulalela ukulaywa, uyakuduka
emazwini okwazi.*

19:24 – Isidlo esingahlelekile. Lokhu ngathi kushiwo ngehaba, ngisho isimo somnotho wevila uma lidla, sengathi kunzima ngisho ukususa ukudla esitsheni kuye emlonyeni. Buka u 26:15.

19:25 – Ukungabi nathemba, ukuba nethemba kanye nokuzwa. Izindeleli, abangenalwazi nalabo abaqondayo kukhulunywa ngabo lapha. Ukujezisa isedeleli enyameni akuzuzisi lutho kuso. Amazwi futhi awafinyeleli ndawo kuso (9:7-8; 13:1; 15:12). Sifana nesiwula esingezwa imishawo elikhulu (17:10). Kepha kunethemba kongenalwazi obukayo (1 Tim 5:20). Futhi othobekile udinga ukukhuzwa kahle ukuze aqonde.

19:26 – Indodana engalungile. Indodana elahlisela ubaba wayo ilethele umama wayo ihlazo nokungahlonishwa. Ukwesaba nehlahlo kokubili kusemvakwegama lesiHebheru elihunyushiwe.

19:27 – Yekela ukuzwa. Kungumyalo ukuba uyeke

*19:28 Ufakazi omubi uyadelela ukwahlulela; umlomo wababi
uyagwinya ukona.
19:29 Izahlulelo zilungiselwa izideleli, nemivimbo umhlane
weziwula.*

ukulalela okungalungile okuyimibono, okuholela kude neqiniso.

19:28 – Abangenamsebenzi walutho, ofakazi ababi. “Abangalungile” yigama elisetshenzisiwe futhi, elisho “ukungabi namsebenzi walutho”. Loyo ongenamsebenzi walutho uhleka adelele lokhu okulungile ngokomthetho. Uma engufakazi enkantolo uyakuyeka okulungile okumele akwenze. Kubukeka sengathi uyabuthanda ububi futhi uthokoza kakhulu kokubi kunokuhle.

19:29 – Ukwahlulela nemivimbo. “Okulungisiwe”, okulungile nokumi ngomumo. Kungukuphela okujwayelekile ukuthi iziwula nezindeleli zikufanele ukujeziswa kwenyama (10:13; 17:10; 18:6; 19:25; 26:3). Buka ukuthi umsindisi wethu waphathwa kanjani, waphathiswa kwesiwula. Loyo ohlakaniphe ngaphezu kwabo bonke waba yisiwula ukuze thina sihlakaniphe. Lowo olungileyo waba yisigebenu, ukuze thina, izigebengu zangempela sibe ngabalungileyo. Siyizindeleli neziwula ezifanelwe yilokhu uKristu akuthola endaweni yethu.

“Ngubani ongasho ukuthi:
‘Ngihlanzile inhliziyo yami,
sengihlambulukile ezonweni zami, na?’”

(Izaga 20:9)

Isahluko 20

- 20:1 Iwayini liyisideleli, uphuzo olunamandla lungumxokozeli;
bonke abaduka ngalo abahlakaniphile.*
- 20:2 Ingebhe ngenkosi injengokubhonga kwengonyama;
oyithukuthelisayo wona umphefumulo wakhe.*
- 20:3 Kuludumo kumuntu ukuhlala kude nokuxabana, kepha
zonke iziwula ziyaphikisana.*
-

20:1 – Isiphuzo samadimoni. Iwayini yilo elidelelayo kanye nophuzo oludakayo luyadlondlobala. Sengathi kokubili kuyizinto ezingenaNkulunkulu, kungasibo laba abaphuzayo kuphela. Lapha kusetshenziswe isenzasamuntu, njengokuba namadimoni esebenza ngalowo asuke ekuye. Bonke abavumela ukudakwa bangabangahlakaniphile. Buka u 23:29-35.

20:2 – Abaqaphela abaphulimthetho. Akulungile ukudlala ngebhubesi noma ngenkosi (Buka u 19:12). Ukucasukela inkosi kungukubeka impilo yakho engcupheni. Lapha kunesexwayiso sokuba uqaphele okushoyo nendlela okusho ngayo (Khumbula u 18:21), ngisho “ekusithekeni” (Umsh 10:20). Njengokubhonga kwebhubesi elikude, okumemezela ingozi kulethe ukwesaba yonke indawo, kunjalo nokwsaba okuza ngenkosi engathokozile.

20:4 Ngenxa yobusika ivila aliyikulima; ngalokho uyakuthekela ngesikhathi sokuwuna, kungekho lutho.
20:5 Isiluleko enhliziyweni yomuntu sinjengamanzi ajulileyo, kepha umuntu oqondileyo uyakusikhipha.

20:3 – Ukuphela kokuxabana. Lena mhlampe yimpendulo kavesi 2. Kungabe wena uzokhetha kuphi, indlela yokuhlonishwa noma indlela yolaka? Izimo zempilo zivamise ukusiholela ekukhetheni phakathi kwalokho okubili. Kuletha ukuhlonisha kumuntu ukuqeda ukuxabana, kanti isiwula singathanda kuqhubeke ukuxabana. Buka ukuhlonishwa kuka Gideyoni (Hlu 8:1-3) Kulaka lukaJefta olusheshayo (Kho 12:1-6). Qhathanisa indlela engukuhlakanipha yokuthula okuvela phezulu kuJakobe 3:17-18.

20:4 – Ivila eliqala kancane. Ukunqaba kwevila “*ngenxa yobusika*” kuveza ukudembesela ngenxa yokuthi kuzomele lisuke kwimpilo entofontofo. Yenza manje, kungakhathalekile ukuthi ugqugquzelwa yini noma izimo zikanjani. Lena yindlela enhle kakhulu ukugqugquzela. Buka ku 6:6-9; 13:4; 15:19 noJakobe 5:7-11.

20:5 – Ukwahlukanisa imvelo yomuntu. Iziyalo noma izinjongo zabantu zijule njengamanzi ngoba zifihlekile futhi kunzima ukuzibheka (18:4). Kepha

20:6 *Abantu abaningi bayamemezela, kube yilowo nalowo umusa wakhe, kepha ngubani ongafumana umuntu othembekileyo na?*
20:7 *Ohungileyo ohamba ekupheleleni kwakhe, babusisiwe abantwana bakhe emva kwakhe.*
20:8 *Inkosi ehlezi esihlalweni sokwahlulela ihlakaza konke okubi ngamehlo ayo.*

ukuhlakanipha kusiholela ekuqondeni ukuthi uyini umuntu, kuphenya lokho okungelula ukukuqonda. Buka uKristu kuJohane 2:24. Buka no Samuweli wesibili 14:18-19; 1 Amakhosi 3:16-28.

20:6 – Ekuzinyuseleni. Lapha kuqhathaniswe izindlela zomuntu ezijwayelekile (“*abantu abaning*”), izindlela zokugqamisa izinto ezinhle, ubuhle, amakhono kanye nokuzuziwe njll. Labo abambalwa abathembekile (abaphephile, benganyakaziswa) imiphefumulo engasiboni isidingo sokwenza njalo. Buka kuMathewu 6:1-8, “*ekusithekeni*”.

20:7 – Ifa elibusisiwe. Nakhu ukuphendula kukaNkulunkulu ezindleleni ezingalungile zomuntu ngenxa yabantwana bakhe, ukuphatha isizathu sokufuna ukushiya okuthize. Ukulunga kwempilo kuholela ekulandeleni okuhle futhi kushiye ifa elihle.

20:8 – Abaholi ababalulekile. Lapha kunesithombe sikhulumeni olungile. Ukungena kwabaholi

20:9 Ngubani ongasho ukuthi: “Ngihlanzile inhliziyo yami, sengihlambulukile ezonweni zami, na?”

abalungile kuhlunga ababi phakathi kwabalungile, njengokuba kuhlungwa ukolweni, okuyizibi kubiyiselwe eceleni ngokuyela (20:26). Ababi kubhekanwa nabo kuthi abalungile bophulwe. Bonke ubuqili buvezwa obala, kulandele isinqumo noma isinyathelo esifanele. Abukho ububi obuvumelekile ukuba bume, kepha konke kuyaqedwa ngakho kuhlaphazwe, kube khona ukwesaba (1 Kho 2:46 & 3:28; Ize 5:5 & 11). Akekho oncono kunenkosi yamakhosi maqondana nobulungiswa, ngokuba kuyoba njalo ezinsukwini zombuso kaKristu (u-Isa 11:1-5; 2 Kor 5:10). Ukuhola okuhle akuyekeli ububi ukuze kuzojabulisa wonke umuntu. Kuletha ubulungiswa obuqondile. “*Uyakukhipha kanjalo ububi phakathi kwenu*” (Dut 13:5).

20:9 – Izeni zonke. Akekho ongazibonga ngenhliziyo emsulwa nempilo engenasono, ngokuba abaneqiniso bayawabona amabala ezimpendeni (nokubola) kwesono. Ngisho ukuzama kwethu okuhle nakho kuyanindeka yizinjongo ezimbi. Buka uJer 17:9; Rom 3:23. “*Umuntu ophuza ukona njengamanzi*” (Job 15:16).

20:10 Izisindo ezimbili nama-efa amabili, kokubili
kuyisinengiso kuJehova.*

*20:11 Naye umntwana uyaziwa ngezenzo zakhe, uma isenzo
sakhe sihlanzekile, noma siqotho.*

20:12 Indlebe ezwayo neso elibonayo, uJehova wenzile kokubili.

20:10 – Qaphela mthengi. Igama lesiHebheru lapha lisho ukuthi “itshe netshe, isikali nesikali” Kunesithombe sokusebenzisa izikali ezahlukenene, okungacacisi okungaphansi nokungaphezulu kokwamukelekile, okuya ngokuthi uyathenga noma uyadayisa, kepha kuhleli kungazuzisi omunye osebenzisayo, noma nje umthengi. UNkulunkulu uyazizonda izikali ezingalungile. Buka ivesi 23; 11:1; 16:11. Bukisisa kahle ukuphinda phindwa kwalesihloko!

20:11 – Okulungele omdala kumlungele nomncane. Izenzo zomntwana azive ziveza ayoba yikho kuphela, kepha ziveza ayikho. Amehlo kaNkulunkulu akumntwana njengalokhu ekwabadala (1 Sam 30. Nabo kumele bahambe kahle phambi kukaNkulunkulu.

20:12 – “Zonke izipho ezinhle”. Amehlo namadlebe avulekile ukuba azwe abone iqiniso aphakwathi kwezipho ezinhle zikaNkulunkulu (Jak 1:17). Yize noma umuntu amukela, kungenxa kaNkulunkulu

20:13 *Ungathandi ubuthongo, funa ufikelwe ngubumpofu; vula amehlo akho, uyakusutha ngesinkwa.*

20:14 *“Kubi, kubi,” kusho umthengi; kepha esehambile uyazigabisa.*

ukuthi ukuhlakanipha kuhamba nesibusiso
esingatholwa ngabantu.

20:13 – “*Ungathandi ubuthongo*”. Akushiwo ukuthi kumele sizonde ukulala, kepha ukuthi akumele sikuthande kuze kudlule lokhu okumele sikwenze. Kunjalo nakwezinye eziningi izipho zikaNkulunkulu, akumele sizisebenzise kuze kweqe noma ngaphansana. Lokhu akunikezwa njengomyalo. Kunikwa njengesiphakamiso uma umuntu ekhetha ukudla. Buka u 6:9-11.

20:14 – Qaphela mdayisi. “Kwaze kwadlalwa ngami”! Kukhala lona obengase athenge efuna umdayisi ehlise imali. Uma lokho kwenzeka ube esehamba ezibonga kubangani bakhe ukuthi uyakwazi ukuzikhulumela ehlelwe yimali. Lena ingenye indlela yokungathembeki okusetshenziswa ekunxenxeni nasekuzikhulumeleni. Lapha kunesexwayiso sokuthi uboma enanini elilungile. Buka ukuthi abanye abantu ngokwenza okunjena babe sebedlala ngabanye abazizamela impilo, abafuna amanani aphansi ngendlela engalungile.

20:15 Kukhona igolide namarubi amaningi, kepha ukwazi
kwezindebe kuyigugu elinqabileyo.
20:16 Thatha ingubo yoyisibambiso somfokazi, umbambe abe
yisibambiso omela abezizwe.
20:17 Isinkwa samanga simnandi kumuntu, kepha ngasemuva
umlomo wakhe uyakugcwaliswa ngohlalwane.
20:18 Amacebo onke ayaqiniswa ngokululekana; yilwa impi
ngamasu.
20:19 Ohamba encetheza uyambula izimfihlakalo; ngalokho
ungahlangani naye ovula kakhulu umlomo wakhe.*

20:15 – Izindebe ezaziyo ngaphezu kwakho konke.
Qathanisa no 3:13-15; 8:10-11.

20:16 – Ingozi yokuba yisibambiso. Lapha sibona
isimo salona osezoya kubuphofu ngokuba
yisibambiso somunye. Qathanisa no 27:13, 6:1-5.

20:17 – Isigcino esibi. Isono sizwakala sinoju uma
usaluma okokuqala, kepha siba sibi singakehli
ngisho emphinjeni. Buka u 5:4; 9:17 & 2 Sam 13:15.

20:18 - Ukuzinza nempumelelo ngeseluleko esihle.
Qathanisa no 11:14; 12:15; 24:6.

20:19 – Izinhlebi nabakhulumayo. Qathanisa no
11:13-14 lapho sibona khona ukuhlobana phakathi
kokuhle kukulaywa (Vs 18) Kanye nobungozi
bokucetheza. Ubungozi busekukhulumeni nabantu
abangalungile. Qaphela ukuthi ulaywa ngobani,

20:20 Oqalekisa uyise nonina, isibani sakhe siyakucimeka esigayegayeni.
20:21 Imfuyo ingatholwa ngokushesha ekuqaleni, kepha ukuphela kwayo akuyikubusiswa.

ukuthi uboniswa ngobani nokuthi uzikhuluma kobani izimfihlo zakho ngokuba lokho okushoyo kungenzeka kusetshenziswe ukumelana nawe.

20:20 – Abantwana abathukayo. Empandeni yegama “*oqalekisa*” kunencazelo yokuthatha kancane noma ukuqeda. Umthetho wawuthi lokho kufanelwe ngukufa, ukungafuni abantwana (Eks 21:17). “*Othuka uyise nonina wobulawa nokubulawa*”. “*Isibani sakhe siyakucimeka esigayegayeni*”, lapha kukhulunywa ngokuphela kwazo zonke izinhlanhla. Umuntu angathobela umthetho kaNkulunkulu enze kubantwana bakhe njengalokhu umthetho ufuna noma uNkulunkulu uyakubhekana nomntwana. Ungaphuthwa ukubona ukuthi lapha kuyakhulunywa nangendlela yokuziphatha kwabazali. Isigaba sakho kungesiso isimilo sakho noma ukuthandeka yikho okubalulekile kuNkulunkulu.

20:21 – Imali ngaphandle kwesibusiso. Qhathanisa no 13:11 lapho kugqanyiswa khona ingcebo etholwe ngokufanele. Lapha kunokukhathazeka ngemali

20:22 Ungasho ukuthi: “Ngiyakuphindisela okubi,” yethemba kuJehova, uyakukusindisa.

20:23 Izisindo ezimbili ziyisinengiso kuJehova, nesilinganiso senkohliso asilungile.

20:24 Izinyathelo zomuntu zingezikaJehova; pho, umuntu angaqonda kanjani indlela yakhe na?

engenayo nenzuzo yefa, okuveza ukuncika kakhulu kwingcebo eza kalula ngaphezu komsebenzi owenziwa ngeqiniso.

20:22 – “*Impindiselo ingeyami*”. Ngendlela ecashile kumele indlela esibhekana ngayo nabanye kuhlezi kungeyothando, kungabi ngeyempindiselo. Uma sizizwa sengathi sifuna ukuphindisela okubi ngokubi, ukuhlakanipha kuholela izinhliziyi zethu ekulindeleni inkosi eyithemba lethu, ukuze sizothola usizo lwethu kuyo. Ukuzonda kumele kuyekelwe ezulwini. Buka KwabaseRoma 12:17; 1 Pet 2:23 & 3:9; Math 5:10-12.

20:23 – Buka ivesi 10.

20:24 – Inkosi yomphefumulo wayo? Akusikho ukuthi umuntu akakwazi ukuzikhethela nokuthi izenzo zakhe azikho phezu kwakhe, kepha ukuthi uNkulunkulu ungaphezu kwakho konke, ngaphezu kwakho konke nasemva kwakho konke. Lonke “igxathu” lomuntu lihloliwe futhi lihamba

*20:25 Kulugibe ukusho ngamawala ukuthi: “Kungcwele,”
abesebuya acabange emva kwezithembiso zakhe.
20:26 Inkosi ehlakaniphileyo iyahlakaza ababi, iphindisele
phezu kwabo ukushinga kwabo.
20:27 Umoya womuntu uyisibani sikaJehova, siphenya konke
okuphakathi komuntu.*

ngokwenjongo kaNkulunkulu. (Qhathanisa futhi okunjalo kwincwadi yamahubo 37:23). Incazelo ephelele nokuphela kwezindlela zomuntu kungaphezu kwakhe ukuba akuqonde. Umuntu angazimisela kanjani ukuba yinkosi yomphefumulo wakhe? Futhi, Ukuncika ngenkosi yangempela kungukuhlakanipha.

20:25 – Isifungo samawala. Lokhu siyasibona isithunzi sakho kwithestamente elisha kuKhohani (Marku 7:11) hlampe. Ukuhlakanipha kukhuluma ngesenzo sokungacabangisisi nokunikela into kuNkulunkulu njengengcwele ebese uyazisola ekugcineni. Lapha kukhona ukuxhamezela kokungacabangi. Okugcina sekushiya umuntu enokuzisola noma eshintsha umqondo, okulimaza amazwi akhe.

20:26 – Buka uvesi 8. Lapha kuqhathaniswa nokuyela ukuhluza ukolweni nodoti.

20:27 – Isibani senkosi. Umoya womuntu noma

*20:28 Umusa neqiniso kuyalonda inkosi; isihlalo sayo
sobukhosi sisekelwa ngomusa.*

*20:29 Udumo lwabasha lungamandla abo, nesivunulo sabadala
singubumpunga.*

*20:30 Imivimbo elimazayo ihlanza ububi, nezishayo
okuphakathi komuntu.*

umphefumulo wakhe uyisibani senkosi ehlola ngaso
wonke amakamela enhliziyo.

20:28 – Olunye uhlangothi lokuhola okuhle. Lapha
kuhlala kahle ivesi 8&26. Uhulumeni wabantu
ohlakaniphile (nanoma yikuphi ukuphatha) kumele
kube njengokukaNkulunkulu, kuveze ubuhle
neqiniso. Ukubaluleka kwaloluhlangothi
kubonakala ekuliphindeni “komusa” kanye
nesambulo sokuthi lokhu kugqokwa esihlalweni
sobukhosi.

20:29 – Inhlonipho kumnikazi wayo. Abasha
baphatha inkazimulo yamandla abo, abadala
izinwele zabo ezimhlophe zingumqhele wabo.
Ukuhlakanipha kuyala zonke izizukulwane ukuba
zingabukelani phansi.

20:30 – Ikhambi likaNkulunkulu lobubi.
UNkulunkulu umemezela “imivimbo” (izibazi)
zezilonda eziza ngokushaywa kakhulu
njengokulungele ububi. Ngokuba izilonda ezinjalo

zingezinye yezindlela zokucacisa, zingena phakathi enhliziyweni.

Isahluko 21

21:1 Inhliziyo yenkosi isesandleni sikaJehova njengemifula yamanzi; uyayiphendulela lapho ethanda khona.

21:2 Zonke izindlela zomuntu zilungile emehlweni akhe, kepha uJehova ulinganisa izinhliziyo.

21:3 Ukwenza ukulunga nokwahlulela kukhethekile kuJehova kunemihlatshelo.

21:1 – Inkosi eyodwa yangempela. Inkosi ihlela izindlela zabantu nezinhliziyo zamakhosi njengokuba umlimi ehlela umhlambi. Uhlela konke kuhambe ngokwecebo lakhe futhi kufezekise lokho akufunayo. Buka incwadi KwabaseRoma 13, “Imibuso yonke ibekwe nguNkulunkulu”. Buka mhla inkosi ibhekene no-Ashiveroshi ngokusebenza komkhuleko kaNehemiya. (Heh 1&2).

21:2 – Sebenzisa isikali esifanele. “Hlola”, leli yigama lesiGrekhi elihunyushwe “kala”. Kungukuqhathanisa phambi kokubukeka kukuhle nalowo okwaziyo okulungile nokubonayo. Isexwayiso esigqanyiswe kakhulu (12:15; 14:12; 16:2 & 25; 24:2).

21:3 – Okuhle ngaphezu kwemicimbi. Ukuthanda indlela yenkosi ngoba uthanda yona ngokweqiniso

21:4 Ukuzidla kwamehlo nokuziqhenya kwenhliziyo, isibani sababi, kuyisono.
21:5 Imicabango yokhuthelayo isenzuzweni, kepha eyabo bonke abaphangisayo isekusweleni kuphela.
21:6 Ukuthola ingcebo ngolimi lwamanga kuyize elizulazuliswa, nezingibe zokufa.

kuphakeme ngaphezu kwayo yonke imicimbi yokuzenzisa ongayenza. Buka incwadi 1 Kor 13:3.

21:4 – Amehlo azidlayo nenhliziyo ezidlayo. Ngisho izinto zempilo ezibalulekile, ezivezwa njengohlwanyelayo, uma kungenzelwanga inkazimulo kaNkulunkulu kuyisono. Abanye bathi “isibani” lapha endaweni “yokuhlwaneyela” (Buka amanothi asezansi acacisayo), achaza ukuthi (isibani sababi), okungenzeka ukuthi kushiwo ithemba labo elinokuziphakamisa (ngenxa yokuthi “siyakucinywa”, 20:20).

21:5 – Ukukhuthala, kungesikho ukuxhamazela. Ukukhuthala kuqhathaniswe nokuxhamazela kokushesha, imiphumela yako kokubili; okunye yinzuzo, okunye ubuphofu. Okuhle kakhulu uma kuhlanganisiwe ngukuqaphelisisa kokusebenza okuqhubekayo.

21:6 – Inzuzo etholwa ngobuqili iyisinengiso nenkinga. Ifana nentuthu ephelela emoyeni

21:7 Ukuchitha kwababi kuyabaqothula, ngokuba benqaba ukwenza okulunga.

21:8 Indlela yothweswe icala iyinsongensonge, kepha ohlanzekileyo, isenzo sakhe silungile.

iphephulwe yimimoya.

21:7 – Udlame ludonsa udlame. “Ukuchitha” lapha kusho ukuthatha ngodlame noma “ngokucindezela”. Abanodlame bazibizela udlame kuqobo lwabo. Izindlela zengcindezelo zababi ziyakubakhuba zibawise ngokuba bengafuni ukwenza okulungile. Labo bayovuna abakutshalile, bathole isilinganiso abalinganisele ngaso abantu. Qhathanisa u-Ahabi no Jezebeli emva kokufuna isivini sikaNabothi (1 Kho 21:22). Buka isiphetho esibi sikasathane (Isa 20:10). Yena uqobo lwakhe uyakufakwa lapho adonsele khona abaningi.

21:8 – Ingaphandle liveza okungaphakathi. Inhliziyo yomuntu enecala ibonakala enkambweni yakhe engacaci, kanti loyo ononembeza omhlophe uyazihambela emhlabeni engafuni kube sengathi uhamba kahle noma ukhuluma kahle. Ukungalungi noma kuphi, ukwahlukana kanye nokufihla okuthize kungubufakazi benhliziyo enecala.

21:9 – Ukweqa. “*Egumbini lophahla*”, lapha

*21:9 Kungcono ukuhlala egumbini lophahla kunokuhlala
nowesifazane oxabanayo endlini ehlanganyelweyo.
21:10 Umphefumulo womubi ufisa okubi; umakhelwane wakhe
kafumani isisa emehlweni akhe.
21:11 Lapho isideleli sihlawuliswa, ongenalwazi uyahlakanipha,
nalapho ohlakaniphileyo efundiswa, uyathola ukwazi.
21:12 Olungileyo uyaqaphela indlu yomubi; ababi
bayachithelwa ebubini.*

kukhulunywa ngophahla oluyisibaca, ebese kuba yinsika encane okwakwenzeka ifakwe ekoneni lendlu, lena yinkulumo mbumbulu eveza ubunzima. Lokhu akusho unkosikazi (“nowesifazane”), kodwa kungaba ngisho umama, u-anti ongaganile, usisi. Kucishe kufane no 25:24. Buka futhi novesi 19; 19:13-14; 27:15-16.

21:10 – Ukukhetha okubi kunokunye. Ababi kuyazenzekela ukuthi bawele ebubini kunokuba bawele kokunye. Yize noma bethola isizathu sokubambela abanye amagqubu, kepha lapha yinkosi ebakhombayo. Buka amalangabi othando ecinywa yisono kuMathewu 24:12.

21:11 – Buka u 19:25. Ukujezisa akusho lutho kwisedeleli, kunalokho kusho utho kwababukayo abangenalwazi.

21:12 – Abalungileyo ngaphezu kwababi. “*Olungileyo*” lapha kushiwo umuntu (noNkulunkulu)

*21:13 Ouala indlebe yakhe ngokukhala kompofu naye
uyakukhala angaphendulwa.
21:14 Isipho ekusithekeni siyadambisa ulaka, nomvuzo esifubeni
ukufutheka okunamandla.
21:15 Kuyintokozo kolungileyo ukwenza ukwahlulela, kepha
kwabenza ukona kuyincithakalo.*

osendaweni yokubusa noma ukwahlulela. Laba baphenya ububi, bakulahle ngokuba kubi. Qhathanisa u 20:8 & 26. Buka ukuthi inkosi uSolomoni yayibenza njani abenzi bobubi ezinsukwini zakhe zokuqala zokubusa (1 Kho 2).

21:13 – Ukucela usizo. Lapha kudingeka ubulungiswa obunqala, kufana naku 1:24-28. Buka uqhathanise isicebi noLazaru (Luka 16). Buka no 24:11-12.

21:14 – Buka u 17:18 & 18:16.

21:15 – Jabula kubulungiswa. Ukwenza okuhle kwabanye akuhlezi kulula kepha kunokujabula okuza nakho, ngokuba siyazi ukuthi kuhle futhi kulungile futhi siyazi ukuthi uNkulunkulu uma nathi kulokho. Lokhu kungenzeka kusho ukubona injabulo eza ngokubona ubulungiswa nokulunga kwenzeka. Buka ukuqhathanisa okuku 10:23 & 19:28.

*21:16 Umuntu oduka endleleni yokuhlakanipha uyakuphumula
ebandleni lezithunzi.
21:17 Othanda injabulo uyakuba mpofu, nothanda iwayini
namafutha kayikuceba.
21:18 Omubi uyihlawulo lolungileyo, nombuluzayo
usesikhundleni sabaqotho.*

21:16 – “*Indlela yokuqonda*”, Buka ukuthi akusiyo indlela yakhe kepha “*yindlela yokuqonda*”. Lokhu kuchaza ukuthi yinye indlela elungile uma uqhathanisa nazo zonke izindlela ezibonakala zilungile. Indlela yeqiniso likaNkulunkulu incinyane uma uqhathanisa nesango elikhulu eliyisa ekubhujisweni. Qhathanisa nevesi 2 khona lapho.

21:17 – Isigcino sokuzitika. Ukuzitika ngakho konke ubumnandi bezinto ezilethwa yimpilo kuholela kubuphofu. Kumele izinto zithathwe ngesikali esiyiso. Qhathanisa nobumnandi bangempela obuvela kuvesi 15 ngokuphatha kahle izinto ezinhle kuvesi 20.

21:18 – Ububi endaweni yobuhle. Buka umqondo ofanayo ku 11:8, kepha lapha kungathi uNkulunkulu uthatha ababi abenze babe yinhlawulo yabalungileyo. (Njengokuba sabona eGibhithe kufa izindlalifa?) Lokhu okulungile impela, kepha buka nokufa kukaJesu, “*olungileyo*” efela ababi, lokhu kwakungaphezulu impela.

*21:19 Kungcono ukuhlala ezweni lasehlane kunokuhlala
 nowesifazane oxabanayo nothethayo.*
*21:20 Kukhona ingcebo enxanelekayo namafutha endlini
 yohlakaniphileyo, kepha umuntu oyisiwula uyakugwinya.*
*21:21 Olandela ukulunga nomusa uyafumana ukuphila,
 nokulunga, nodumo.*
*21:22 Ohlakaniphileyo angenyukela emzini wamaqhawe, awise
 phansi inqaba ayethembayo wona.*
*21:23 Ogcina umlomo wakhe nolimi lwakhe ulonda
 umphefumulo wakhe ezinsizini.*

21:19 – Ukuhlehlela kude nenkundla. Buka uvesi 9.

21:20 – Ingcebo nokuchitha. Lokho abanakho abahlakaniphile, abayiziwula bayakuhlaphaza bakumoshe bakuqede.

21:21 – Abahle bathola abahle. Lapha sibona ukuzimisela ukuthola okuhle kunemiphumela emihle. Qhathanisa nabanodlame bethola udlame kuvesi 7.

21:22 – Ingqondo kunamandla. Ukuhlakanipha kuyawehlula amandla, umlando usukuveze kaningi lokhu okuliqiniso futhi. Buka inkosi u-Cyrus ethatha iBhabhiloni. Buka kumshumayeli 9:14-18, lapho khona futhi sibona ukuthi “*ukuhlakanipha kuncono kunamandla*”. Buka lokhu ngehlo likamoya empini kamoya (2 Kor 10:4-5).

21:24 Ozidlayo nozigabisayo, yisideleli igama lakhe, yena osebenza ngokuziphakamisa okukhulu.

21:25 Isifiso sevila siyalibulala, ngokuba izandla zalo ziyenqaba ukusebenza.

21:26 Kuyafiswa nokufiswa usuku lonke, kepha olungileyo uyaphana engancishi.

21:23 – Ulimi oluqashelwayo, umphefumulo oqashelwayo. Lapha futhi siyabona ukuhlakanipha ekuzithibeni emlonyeni nasolwimini. Buka u 13:3.

21:24 – Ukugcwala impakamo. Amagama asetshenziswe lapha asho loyo ohamba edelela ngobundlobongela enyathela konke okuhle nokulungile.

21:25-26 – Ukuthanda kakhulu nokungathandi.

- Ivesi 25 – ukuthanda kakhulu ubumnandi. Izimfuno nentokozo yevila zisekulaleni nasekuvilapheni, ukungafuni kwalo ukusebenza kusho ukuthi ekugcineni lizosondelwa ngukufa.
- Ivesi 26 – Ukufuna kwevila ukuba nomunye umqondo. Ukuvula lapha kusibuyisela kuvesi 25. Umphefumulo wakhe uhlezi ufuna lokhu angeke akuthole (13:4) ngokuba akafuni ukukusebenzela. Kanti khona manjalo indebe yolungileyo iyachichima kuze kuzuze ngisho

*21:27 Umhlathelo wababi uyisinengiso; kakhulu kangakanani
uma ulethwa ngomgomo omubi.
21:28 Ufakazi wamanga uyabhujiswa, kepha umuntu ozwileyo
angakhuluma njalo.
21:29 Umuntu omubi uyenza lukhuni ubuso bakhe, kepha
oqotho uyanaka indlela yakhe.*

abanye. Omunye ufisa ukuba nakho, omunye
ufisa ukupha.

21:27 – Ukuthenga isono ngukuzidela. Inkosi izonda iminikelo yababi ngesikhathi esifanele (15:8). Kepha ekuzonda kakhulu yiminikelo elethwa ngaphandle kokuzisola nokuphenduka, kepha njengokuqhubekela kobubi. Onjalo akufuni ukuphulukiswa kokubi kepha ufuna uNkulunkulu avumele isono ayeke imiyalo yakhe engcwele. Isono asisoze sabukwa njengokuhle yinkosi. Kunalokho, ukwenza iminikelo kumuntu kumele kuze kuNkulunkulu ngoba umuntu ezisola kakhulu ngokona kwakhe nobubi bakhe.

21:28 – Umehluko ebusweni. Qhathanisa no 7:13 labo abaqinisiwe, abangenamahloni, indlela yokubuka kowesifazane onenkani. Kwabalungile ngukugxila nokuzimisela, kanti labo abaqiniswe izinhliziyi ukuma kugcina khona ebusweni babo obuqinisiwe.

*21:30 Akukho ukuhlakanipha, akukho ukuqonda, nesiluleko,
okungamelana noJehova.
21:31 Ihhashi lilungiselwa usuku lokulwa, kepha ukusindiswa
kungokukaJehova.*

21:30-31 – UJehova ungukunqoba.

- Ivesi 30 – Akukho ukulaya okwehlula inkosi.
- Ivesi 31 – Awekho amandla anqobayo ngaphandle kwenkosi. Khumbula isexwayiso sikaDavide exwayisa uGoliyathi, “*impi ingekaJehova*” (1 Sam 17:47). Lokhu kuyiqiniso lasenyameni, engqondweni noma izimpi zakamoya.

Isahluko 22

*22:1 Igama elihle likhethekile kunengecebo enkulu, nomusa
kunesiliva negolide.*

*22:2 Abacebileyo nabampofu bahlangene; uJehova ungumenzi
wabo bonke.*

*22:3 Qqondileyo uyabona ububi, acashe, kepha abangenalwazi
badlula nje, bahlupheke ngakho.*

22:1 – Igama elihle. Igama liveza udumo oluhle lomuntu nesimilo. Kuhle kakhulu ukuthandwa ngabahlakaniphile njengonodumo olungenabala, kulungile ukuba ngompofu kunokuba ngocebile kodwa onegama elingcolile. Sebenzisa lomgomo ekwabiweni kwefa (Luka 12:13).

22:2 – Ukuhleleka phambi komdali. Leli yiqiniso elisebenza ezinhlangothini zombili elisusa ukuhala kompofu nokwenza kabi kocebile. Ngokuba bonke bafakiwe “kumakhelwane” ukuze sizobathanda njengokuba sizithanda. (Buka u 14:31, 17:5; Job 31:15).

22:3 – Abalungile nabajeziswayo. Okunye kwezinto ezivela ngohlakaniphile ukubuka noma ukubona into iseza kude, akunjalo ngoyisiwula ongaqapheli. Uyaqaphelisisa njalo abone ingozi iseza kude athathe

*22:4 Umvuzo wokuthobeka kokumesaba uJehova uyingcebo,
nodumo, nokuphila.
22:5 Ameva nezingibe kusendleleni yabaphambeneyo, kepha
ogcina umphefumulo wakhe uyakudedela kude nakho.
22:6 Khulisa umntwana ngendlela eyakuba ngeyakhe;
kuyakuthi lapho esekhulile, angasuki kuyo.*

isenyathelo esiphusile. KwisiHebheru, “olungile” usebunyeni kanti “abangaqondi” basebuningini, hlampe kuveza kona okujwayelekile kubantu. Qhathanisa nomusho ofanayo ku 27:12.

22:4 – Inhliziyo elungile kanye nemiphumela. Okunye kuvame ukulandela okunye, kepha kuyenzeka kungalandelani sisakuloluhlangothi lenkazimulo. Buka u 21:21.

22:25 – Izingqinamba zomgaqo ophansi. Umgaqo ophezulu wabahlakaniphile ugwema izingqinamba zempilo (16:17) kanti indlela ephansi egwegwile yababi izithela kuleyo ngozi kanye nezifo, izikhubekiso kanye nokuphathwa yikhanda okuhambisana nempilo ephansi. Qhathanisa “indlela enzima yokona” ku 13:15. Uqhathanise no 15:19.

22:6 – Ukubekezela kuzala impumelelo. “*Khulisa*”, okubalwe njengomyalo, okukhuluma ngokuba umzali oqhubeka ngobuqotho. Leligama liphethe

22:7 *Isicebi sibusa phezu kwabampofu, nobolekayo uyisigqila
somshelekileyo.*
22:8 *Ohlwanyela ububi uyakuvuna usizi, nenduku yolaka
lwakhe iyakuphela.*

umqondo wokuchutha kokulungisa, wenze ncane, okuveza ukuba khona ukukhuza lapho kwenzeka izinto ezingaphusile, uholele kokulungile. Buka ukuhlakanipha kuka-Abrahama lapho eyalela u-Isaka ukuba angabuyeli ezweni lakhe ngenkathi ethumela isisebenzi ukuba siye komfunela unkosikazi, wayemuhlenga kulempilo okwakungenzeka angabe esafuna ukuyishiya (Gen 24:6 & 8). Buka uDayina owaholwa ngokuhola okuntekenteke (Gen 34). Okuvela ngokuthi “*ngendlela ekuyakuba ngeyakhe*” (okusho indlela yakhe), lokhu kuqeqesha noma ukukhulisa kuyabeka iminyaka yomntana ekhanda ngenkathi kwenzeka, kuphinde kubuke lokhu angakwazi ukukumela, kodwa kugxila ezwini. Isiqiniseko esigqamile yimiphumela eqinisekisiwe lapha.

22:7 – Ubugqila bezikweletu. Lapha kukhulunywa ngendlela yempilo. Abacebile izintambo ziba kubo kanti abampofu bazifaka ebugqileni ngaphansi kwabo ngezikweletu. Loyo ozifaka ngaphansi kwesikweletu uzifaka ebugqileni ngandlela thize kulowo aboleka kuye.

22:9 Oneso elimnene uyakubusiswa, ngokuba uyapha ompofu okwesinkwa sakhe.

22:10 Xosha isideleli, besekuphuma ukuxabana, kuphele ukuphikisana nehlazo.

22:8 – Isithembiso kwabahlushwayo. Ohluphayo naye wohlushwa ngokuba lowo ohlwanyela ububi njengembewu uyovuna kona njengesivuno. Ukudinwa nokushaya kwakhe (“uswazi”) kuyakubhubha naye.

22:9 – Isihawu somusa. Lokhu kungokuphambene nalokhu okungaphezulu, lapha sithola umphefumulo onenhliziyi enhle obuka ngobubele nesihawu labo abaxakekile noma abanesidingo ebese elandelisa ngezenzo. Buka u 19:17; 28:27.

22:10 – Izinkinga zihamba noyinkinga. Abantu abawuhlupho kujwayelekile ukuthi babe ngabaqala izinhlupho, inkinga noyinkinga bahamba ndawonye. Akusikho nje ukuthi inkinga iyophela, kepha nehlazo eliza nayo liyaphela ngokunjalo. Odelelayo ufika ekugcineni, unokuzidla nempakamo, akanayo inhlonipho futhi wala konke ukuhlonipha nokuqonda, ekugcineni udala izinkinga lapho eya khona. Isisombululo sisodwa, ngukuxoshwa kwakhe. Buka u 25:5.

22:11 Othanda inhlanzeko ngenhliziyo nonomusa emlonyeni wakhe ungumngane wenkosi.

22:12 Amehlo kaJehova anaka onokwazi, kepha uyachitha amazwi ombuluzayo.

22:13 Ivila lithi: “Kukhona ingonyama ngaphandle; ngiyakubulawa phandle esigcawini.”

22:11 – Umngani wenkosi. Loyo onenhhliziyo ehlanzekile nomusa uma ekhuluma uthola ukuhlonishwa nobungani nabaholi. Uthando nobumnene nesihe yikho okususa phansi emhlabeni kuhlalise nenkosi yamakhosi ezulwini. Buka u 14:35; 16:13. Buka noDaniyeli, uJosefa, uNehemiya, njll.

22:12 – Isibindi ngeqiniso. “Amehlo” akhuluma ngokubona njalo kwenkosi avikela ngakho ulwazi lweqiniso. UNkulunkulu ungumvikeli omkhulu weqiniso ngale kwakho konke okufuna ukulicindezela. Futhi uyakuyekela ekubhujisweni bonke abamelana neqiniso. Buka kwabaseRoma 1:18 “*ngokuba intukuthelo kaNkulunkulu yambulwa ivela ezulwini phezu kwakho konke ukungamesabi uNkulunkulu nokungalungi kwabantu*”.

22:13 – Okuyindaba. Lapha kubonakala sengathi kunehaba elenziwa yivila uma lizandulela ngokungasho lutho (okuze kungasawenzi ngisho umqondo) ngoba lisuke lingafuni ukusebenza

umsebenzi ozuzisa ngendlela. Ivila liphinde likhombise ukungakukholwa ukunakekela kukaNkulunkulu nokuvikela kwakhe ngenkathi enza lokhu okufanele ngabe uyakwenza. Lobu buwula babantu okujwayelekile kokukhuluma okungenakukholwa nokubona ingozi kugcina sekuholela ohlangothini olubi futhi kubonakala ezindaweni eziningi;

- Inkulumo yokushiya izwe lakho – ngoba alikho ithemba ngokuvikeleka noma inqubekela phambili.
- Ukunganikeli okweshumi – izimali zami zizophela bese ngiyalamba.
- Ukungafuni ukuba yinceku – isikhathi sami sizophela, abantu bazosisebenzisa sonke.
- Ukungabi nesihe – okwami kuzophela uma ngilokhu nginakekela abampofu kugcine sekuyimina ocelayo.

Indlela esizikhipha ngayo kokumele sikwenze, sisuke sibona ingozi.

22:15 Ubuwula buboshelwe enhliziyweni yomntwana, kepha induku yokulaya iyabudedisela kude naye.
22:16 Ocindezela ompofu ukuba azandisele nophayo isicebi bayakuba ngabokuswela kuphela.

22:14 – “*UNkulunkulu wabanikela*”. Nalu ugibe olubekwe yinkosi olubheke ekugcineni (5:4-5), 9-11; 7:22-23) kungesikho ebumnandini besono. Buka ukuthi ukuwela emanyaleni kuyisiqalo sokuba inkosi ingathokozi ngawe, kepha imiphumela yakho. Rom 1:24, 26 & 28 achaza ukunikelwa okufanayo kwabantwana bolaka, baya ngokugxila emanyaleni.

22:15 – Ithuluzi likaNkulunkulu lokususa. Lokhu akukhulumi “ngobuwula” njengongenlwazi nongaqondi, ukungamesabi uNkulunkulu. Indlela kaNkulunkulu yokususa lokho kweduka kwenkani emntwaneni kungokusebenzisa uswazi. Umntwana ofundiswa ngethuluzi likaNkulunkulu ushiywa enokuthula naye kanye nabanye (29:17). Ku 23:14 sithola umthelela noma umphumela omude enkonzwani yoswazi.

22:16 – Othatha kwabacebile abele abampofu. Kungumphumela wokuncisha abampofu wandisele abacebile. Inkosi iyakuhlela zonke izinto. Loyo ocindezela ompofu noma ongenemandla ukuze yena ezokwenza inzuzo nonikeza abacebile

22:17 Beka indlebe yakho, uzwe amazwi ezihlakaniphi, ubeke ukufundisa kwami enhliziyweni yakho.
22:18 Ngokuba kumnandi, uma ukugcina phakathi kwakho, kubekwe kanyekanye ezindebeni zakho.
22:19 Ukuba ithemba lakho libe kuJehova, ngikwazisile khona namuhla, yebo, wena.
22:20 Angithi ngilobile kuwe nangaphambili ngeziluleko nangokwazi,

uyakwengamelwa ngubuphofu.

22:17-21 – Ukunxenjela ekwazini.

- Ivesi 17 – Olalelayo. Ofolayo asondele ukuze ezozwa, ezinikela ekulaleleni amazwi kaNkulunkulu okuhlakanipha.
- Ivesi 18 – Isethembiso – Lawo magama amahle esethembiso uyakuvumelana nawo ngaphakathi kuwe, ugxilise ulimi lwakho, kuwe nangaphakathi kuwe. Buka incwadi kwabaseKolose 3:16.
- Ivesi 19 – Injongo. Ukuze inkosi iyakuba yithemba lakho eliqinile. Injongo yakhe yonke ekwambuleni ukuhlakanipha kithi ngukusisondezela ukuba simethembe.
- Ivesi 20 – Izinga. Ngumbuzo olindele impendulo engasikho ukuncetheza. Akusilo iqiniso ukuthi ukuhlakanipha kuyala kukhuphule?

22:21 ukuze ngikwazise ukuthembeka kwamazwi eqiniso ukuba ubuyisele kwabakuthumileyo amazwi eqiniso, na?
 22:22 Ungamphangi ompofu ngokuba empofu, ungamchobozi oswelayo esangweni,
 22:23 ngokuba uJehova uyakumela indaba yabo, aphuce ababaphucayo umphefumulo wabo.
 22:24 Ungabi ngumngane womuntu onolaka, ungahambi nomuntu onokufutheka,

- Ivesi 21 – Isiqinisekiso mvume. Ukuhlakanipha kuthi injongo yakho ngukudlulisa amaqiniso athile, ukuze umfundi ezoba ngumfundisi, akwazi ukudlulisa iqiniso kwabanye abafuna ukuboniswa noma ukulaywa.

22:22-23 – Ukuphucwa kophucwayo. “*Esangweni*” ledolobha kulapho ukwahlulela kwakwenzeka khona, lapha kushiwo okufana nokuhlala kwenkantolo. UNkulunkulu uxwayisa labo abafuna ukucindezela abanye ngoba bempofu noma bengenamandla, ngokuba yena ungummeli wabo. Uzakuphuca wonke umphuci ekugcineni. Buka ivesi 16. Buka ukuthi inkosi ibuyisa kanjani, “*isilinganiso esihle, esigxushiweyo, esigqishiweyo, esichichimayo*” kumuphi ophayo (19:17: Luk 6:38), wesusa kanjalo kuloyo othatha ngendluzula. Buka u 23:10-11.

22:24-25 – Ungahlali nonolaka. Ukuhlakanipha kukubonisa ukuba ungahlanganyeli nonolaka,

22:25 funa ufunde izindlela zakhe, uthole ugibe lomphfumulo wakho.
22:26 Ungabi ngowabaxhawulanayo, nowabayizibambiso zezikwenetu;
22:27 uma kungekho ongakhokha ngakho, ubuyakususelwani umbhede wakho phansi kwakho na?

ukuhlala naye nokumamukela kusho ukuthi uyavumelana nezindlela zakhe kunokuba uhambele kude naye sakumkhuza. Futhi ukumamukela kungenza ukuthi wamukele izindlela zakhe oungakuholela ophathe. Buka futhi amastebhisi ehlayo. Igama elihunyushwe “*ufunde*” (vs 25) linomqondo “*wokujwayela*”. Kumele siqaphele “*ningahlanganyeli imisebenzi yobumnyama engenazithelo*” (Efe 5:11). Kunalokho, ukuphendula kwethu kube ngukukhuza, okungase kuqede ubungani konolaka.

22:26-27 – Ngisho umbhede wakho. Ukuqaphela nokuboniswa kumele kuqaphelwe ebudlelwaneni bamabhizinisi. Ukuhlanganyela kungase kube yindlela engumshosha phansi yokwenza izinto, kusenze sincike kwisidima somunye, futhi ukubeka ikhanda lethu engozini. Ukuhlakanipha kuyazibuza ukuthi singakwenza kanjani lokho, sizibeke endaweni lapho singaze sicishe silahlekelwe ngisho umbhede wethu uma kungasekho esingakhokha ngakho (Vs 27). Buka u 6:1-5; 11:15; 17:18; 20:16;

22:28 Ungasusi isikhonkwane esidala oyihlo abasimisileyo.

*22:29 Uyambona umuntu ehlakaniphile emsebenzini wakhe na?
Uyakuma phambi kwamakhosi, akayikuma phambi
kwabantukazana nje.*

27:13; Gen 43:9.

22:28 – Ukubeka imingcele okudala. Iphuzu lapha kungathi liveza ukuntshontsha okunobuqili, ukususa sakuhlehlisa imingcele ukuze uzozitholela uhlangothi olukhulu omunye alahlekelwe (izintantane ku 23:10). Buka u 15:25; Dut 19:14; 27:17 phakathi kweziqalekiso zomthetho.

22:29 – Ukuphakama kokhuthuleyo. Loyo onekhono osebenza ngokuzimisela emsebenzini wakhe uyakukhuphukela phezulu, njengamafutha emanzini. Lona umgomo olungile ukuba uwulandele! Buka “*uyakuma phambi kwamakhosi*” ku 12:24.

*“Ndodana yami,
uma inhliziyo yakho iyakuthokoza,
yebo eyami”*

(Izaga 23:15)

Isahluko 23

*23:1 Lapho uhlezi ekudleni nombusi, qonda nokuqonda
ophambi kwakho,*

*23:2 ubeke umese emphinjeni wakho, uma ungumuntu
wephango.*

*23:3 Unganxaneli izilovela zakhe, lokhu zingukudla
okukhohlisayo.*

23:4 Ungakhandlekeli ukuceba; kuyeke ngokuqonda kwakho.

*23:5 Amehlo akho ayandizela kulokho, kepha akusekho,
ngokuba kuyazenzela impela amaphiko njengokhozi
olundizela ezulwini.*

23:1-3 – Ukuzibamba. Lokhu kungathi kuhlobene nevesi eladlule. Lapho kukhulunywa ngalabo “abama phambi kwamakhosi”, okuhlakanipha kubayala ukuba bazibambe, bangazijabulisi kuze kweqe. Ungavumele izidlo ezimnandi zikuphazamise ekubhekaneni nokusemuqoka nokuphambi kwakho. Ivesi 2-3 lixwayisa ngokwehlisa ukuhala lifundisa ngokufunda ukuzibamba phambi kwabakhulu.

23:4-5 – Ukulungisa isimo sengqondo noma indlela yokuziphatha. Ungenzi kube ngumgomo wakho ukuba ngocebile, yekela ukuholela ukucabanga kwakho kuleyo ndlela noma leso sigcino, ngokuba okunjalo kubheke kokuphelayo njengokundiza kuhambe. Into eqinisekisiwe ngengcebo ngukuthi iyahamba. Buka u 28:20, “*kepha oshesha ukuceba*

23:6 Ungadli ukudla koneso elibi, ungafisi izilovela zakhe,
23:7 ngokuba unjengozicabangelayo; uthi kuwe: “Yidla uphuze,” kepha inhliziyi yakhe ayikho kuwe.
23:8 Umthamo owudlileyo uyakuwuhlanza, uchithe amazwi akho amnandi.
23:9 Ungakhulumi ezindlebeni zesiwula, ngokuba siyakudelela ukuhlakanipha kwamazwi akho.

akayikuyekwa”. Ubuke nakwincwadi kaLuka 12:15 no Thimothewu 6:6-10, lapho sibona khona isexwayiso “kula abafuna ukuba ngabacebile”.

23:6-8 – Udobo lokungenisa izihambi. Lapha sibona isithombe salowo owenza sengathi uyakuthokozela ukungenisa izihambi engobalayo. Hlampe lokhu kusho ukudla namakhosi kuvesi 1-3. Ukuhlakanipha kukuyala ukuba uqaphele (20:5) futhi ukugweme lokho, ngisho ngabe kuthiwa kuhalisa kangakanani futhi kunanzuzo yini (“*uthi kuwe: yidla uphuze*”). Usuyozisola emva kokuhamba kwesikhathi ngokuzitika kwakho. Ungadidiswa umusa walowo okhombisa ukukwamukela okuzothi ngokuhamba kwesikhathi asebenzise lokho ukumelana nawe (Luk 7:36-50), noma akusebenzisele izinjongo zakhe. Futhi, ukuhlakanipha kuthi zibambe (Vs 2-3) futhi uqaphele ngisho ngabe kuthiwa unokusola okuncane.

23:10 Ungasusi isikhonkwane esidala, ungangeni emasimini
ezintandane,
23:11 ngokuba umhlengi wazo unamandla; uyakumela indaba
yazo kuwe.
23:12 Beka inhliziyi yakho ekulayweni, nezindlebe zakho
emazwini okwazi.

23:9 – Ipele phambi kwengulube. Uma sekucaca bha ukuthi ubhekene nesiwula, sishiye, usuke uhambe. Konke ukuhlakanipha kufana nokuthi kuyalahlwa kuloyo, ngokuba ukuhlakanipha nokusebenzisa ingqondo nesikali esilungile akufiki kuye njengalokhu kwenzeka kohlakaniphile. Qonda ukuthi ukuzonda kwakhe kungaphezu kwakho, buka ukwahluka hluka kwalokhu encwadini kaThithu 3:10-11.

23:10-11 – Uyise wezintandane. Lelivesi liqala ku 22:28 ebese libuka ukuthi lingasetshenziswa kanjani nsukuzonke kulabo abangenaye umlweli (izintandane). Ukubuka kwivesi 11 hlampe kubukwa umhlengi womuntu (Lev 25:25; Ruthe 2:20; 3:12-13; 4) kepha kubuka ngephezu kukababa osezulwini oma nalabo abacindezelwayo. “*Uyakumela indaba yazo kuwe*”, lona ngumusho osabisayo. Buka u 22:22-23.

23:12 – Khumbula ukungakhohlwa. Kukaningi kangakanani ukuhlakanipha kusho lokhu ukuba

23:13 Ungayeki ukumlaya umntwana, ngokuba uma umshaya
ngoswazi akayikufa.
23:14 Uyakumshaya ngoswazi, wophule umphefumulo wakhe
endaweni yabafileyo.
23:15 Ndodana yami, uma inhliziyo yakho ihlakanipha,
inhliziyo yami iyakuthokoza, yebo, eyami.
23:16 Izinso zami ziyakujabula, lapho izindebe zakho zikhuluma
okulungileyo.

kungene ezinhlizweni zethu. Buka ivesi 19 & 22:17-21.

23:13-16 – Ukuze inhliziyo yami ithokoze.

- Ivesi 13-14 – Ukushaya. Qaphela umntwana ongekho ntekenteke! Lapha isifaniso sikaNkulunkulu hlampe asikho sihle, ekutholeni noma ekunikeni, kepha kuletha inzuzo khona manje kuze kube phakade. Bukisisa ivesi 14 liveza ukuthi ukuphatha uswazi kufana nethuluzi lokudonsa umphefumulo uwukhiphe esihogweni. Ukuthambisa isandla kwabazali akusikho ukulalela, kuyabulala!
- Ivesi 15-16 Ukunxena. Buka ukuqina nobumnene bokunxena lapha. Ukuqinisa isandla akumele kubande noma kuthambe kwayikhona. Lapha kukhulunywa ngenhliziyo, hlampe kukhulunywa ngokubhobokelana.

23:17 Inhliziyo yakho mayingabi namhawu ngezoni, kepha mawube sekumesabeni uJehova usuku lonke.

23:18 Ngokuba impela umvuzo ukhona, nethemba lakho aliyikunqunywa.

Lokho kuyinjabulo kababa. Yimuphi umntwana ongafuni ukuthokozisa abazali esemncane? Ngisho u-Esawu esenyameni kwamnyakazisa lokhu kufuna, ngisho esemdala (Gen 28:8-9). Lapha kugqanyiswa ukubaluleka kokuhlanganyela komntwana. Ngokuba yonke imizamo yomzali yokudlulisela ukuhlakanipha kumntwana, yena umntwana kukuye ukuthi uyakuthatha noma uyakuyeka. Ngakho-ke lokhu kunxenxa kuma ekutheni umntwana ukwamukela kanjani. Kumele akhethe ukuhlakanipha! Buka u 8:35-36. Ngakho-ke umntwana kumele aholwe ngokunqatshelwa kokukhuzwa aphinde adonswe ngothando. Buka u 19:18; 22:15.

23:17-18 – “Ngokuba kukhona umvuzo”. Ungabacabangi abonayo, ukuba ubahalele noma ubesabe, ngokuba ithemba lakho enkosini angeke lishabalale, okungasilo iqiniso ngabo. Ngaphezu kwakho konke, inhliziyo yakho mayinyakaziswe yinkosi nokuyesaba. Ukuhalela into yomuntu kuyinto yamanje, kepha uNkulunkulu uyokuguqula

23:19 Yizwa wena ndodana yami, uhlakaniphe, uhole inhliziyi yakho ngendlela.

23:20 Ungabi phakathi kwezinseli zewayini nabayiziminzi zenyama.

23:21 Ngokuba inseli noyisiminzi bayakuba mpofu; ukozela kuyakwembathisa umuntu amanikiniki.

23:22 Lalela uyihlo owakuzalayo, ungamdeleli unyoko lapho esemdala.

23:23 Thenga iqiniso, ungathengisi ngalo, nokuhlakanipha, nokulaywa, nokuqonda.

imicabango yethu ekugcineni. Sibona umqondo ofanayo ku 24:1, 19; hub 73:17-28.

23:19 – Okufanayo futhi. Buka ivesi 12.

23:20-21 – Ukuphuthelwa! Lapha sibona lowo mphefumulo sengathi owendodana emele ukukhandangamatshe kuduteronomi 21:20, loyo ogojela iwayini, ngokumosha azitike ngenyama (buka ukusetshenziswa kwalokhu kwamanga ku Luk 7:34) Ukuzitika kwabo kuhlangele nobuvila kuveza ukudinga kwabo. Ukuhlakanipha kukuyala ukuba ungenzisi okwabo futhi uziqhelanise nabanjalo. Buka u 20:13; 21:17.

23:22-28 – Inkulumo yokubhobokelana.

- Ivesi 22 –Ukuqaphela. Ubaba uyala indodana yakhe ukuba ilalele ihloniphe abazali.

23:24 *Uyise wolungileyo uyakwethaba nokwethaba, nozala ohlakaniphileyo uyathokoza ngaye.*
 23:25 *Mabathokoze uyihlo nonyoko, ethabe owakubelethayo.*
 23:26 *Ndodana yami, ngiphe inhliziyi yakho, amehlo akho enamele izindlela zami.*
 23:27 *Ngokuba isifebe singumgodi ojulileyo, nowesifazane ondindayo ungumhholo onyinyeneyo.*
 23:28 *Uqamekela njengomphangi; uyandisa abambuluzayo phakathi kwabantu.*

- Ivesi 23 – Isiyalo/umyalo. Akuthi iqiniso, ukuhlakanipha, ukulaywa kanye nokuqonda kube ngumklomelo. Khumbula u 3:13-15 no 4:7.
- Ivesi 24-25 – Okuyinzuzo. Lapha kunabazali ababusisiweyo bomntwana ophikelela kwivesi 23, elingumgomo wakhe. Buka lapha izinto ezine ezijabulisa umzali.
- Ivesi 26-28 – Ukufundisa.
 - o Ivesi 26 liholela kwisexwayiso sevesi 27-28, okudinga ukuzinikela othandweni lokuholwa, lapha sibona isithombe sikababa esikufanelwe ukulandelwa.
 - o Ivesi 27-28 – Lapha asiboni isithombe esinjengesakomabonakude sokuduma. Manje wena uzokholwa bani? Lokhu kubonakala sengathi unoxhaka obekelwe laba abangahlakaniphile

23:29 Ngubani othi: “Maye!” Ngubani othi: “Wo!” Ngubani oxabanayo? Ngubani okhalayo, ngubani onezilonda ngeze, na? Ngubani onamehlo aklwelayo na?

23:30 Yibo abalibala ngasewayinini, abaya ukunambitha iwayini elixutshanisiweyo.

23:31 Ungalibuki iwayini ukuthi libomvu, nokuthi liyacwebezela endebeni, ukuba lehle kalula.

njengolwembu lwesicabucabu,
kwenyusa izinga lokungakholwa
kubantu.

23:29-35 – Indaba yoyisidakwa.

- Ivesi 29 – Inhlungu nosizi, ukuxabana nokukhononda, izilonda ezingalashiwe namehlo afiphalayo. Inkosi iqala lapho uphuzo oluyeka khona, lapha sibona kuchazwa ukudakwa nebhahhalazi. Lokhu sikubuka ngamehlo aloyo obukayo.
- Ivesi 30 – Labo abahlala ewayinini kuze kuhambe isikhathi. “Iwayini elixutshiwe” yileyo elihlanganiswe nezithako.
- Ivesi 31 – “Ungalibuki iwayini ukuthi libomvu” nanokuthi libukeka kahle ngisho noma selithelwa.

23:32 *Ngasekugcineni liyaluma njengenyoka, lihlabe njengebululu.*
 23:33 *Amehlo akho ayakubona imihlola, inhliziyi yakho ikhulume okuphambeneyo.*
 23:34 *Uyakuba njengolele ekujuleni kolwandle nohlezi esihlokweni sensika yomkhumbi.*
 23:35 *Uyakuthi: “Bangishayile, angilimalanga; bangigalele, angikwazanga. Lapho ngivuka, ngiyakubuye ngilifune.”*

- Ivesi 32 – Isikhubekiso sasengadini kubuyelwa kuso. “*Ngokuba wawumuhle emehlweni unxanelekile*”, kwaze kwaba iyagadla inyoka. Njengokuba kuso sonke isono, simnandi uma sisangena kanti sinobungozi nodosi emsileni. Futhi lesi yisibazi esingasiyo ingozi (Vs 29). Buka no 20:17.
- Ivesi 33-35 – imiphumela.
 - Ivesi 33 – Kuyaphela ngesimilo nokuzithiba ingqondo iphambukele ebubini.
 - Ivesi 34 – Ukunyakaziseka kuyanda sengathi kunokuzanyazanyiswa yimimoya yolwandle. Lapha akukhulunywa ngokudakwa kuphela kepha kukhulunywa nangempilo yonke.
 - Ivesi 35 – Ukungabikho kwengqondo ngukungabikho kobuhlungu.

Njengokuba sekukhuluma isidakwa siyabona ngisho imivimbo esiyitholayo (Vs 29, “ngubani onezilonda ngeze”) akenzi lutho ukwehlisa ukunxanwa kwakhe okuqhubekayo. Akukhethayo, “*ngiyakubuye ngilifune*”, lapha sibona ukwambulwa kobugqila bakhe.

Isahluko 24

*24:1 Ungabi namhawu ngabantu ababi, ungafisi ukuba nabo.
24:2 Ngokuba izinhliziyi zabo ziceba ukuchitha, nezindebe zabo zikhuluma ngengozi.
24:3 Indlu iyakhiwa ngokuhlakanipha, iqiniswe ngokuqonda.
24:4 Amakamelo agcwaliswa ngokwazi, ngayo yonke ingcebo enqabileyo nemnandi.*

24:1-2 – Ungabi namhawu ngababi. Ungabahaleli futhi ungakuthokozeli ukuba nababi, ngokuba bacabanga bakhulume izinkinga. Kunokulaya okuningi esikubonayo lapha okumelene nokuhalela ababi (3:31);

- 23:17-18 – Ngokuba inkosi iklomelisa labo abathemba kuyo.
- 24:19-20 – Ngokuba inkosi angeke ibaklomelise laba abanye.

24:3-4 – Ikhaya elinempumelelo. Isakhiwo “sendlu”, lapha kushiwo umndeni ophumelelayo onempilo (14:1), futhi hlampe okude nezimfuno zempumelelo (ezamabhizinisi, ibandla, njll.). Ukuthokoza okunenzuzo kwasekhaya, okulethwa ngokuhlakanipha, ukuqonda kanye nolwazi ekwenzeni izinto uma uqhathanisa nevesi 1, lapha

24:5 Umuntu ohlakaniphileyo udlula onamandla, nomuntu onokwazi onezikhwepha.
24:6 Ngokuba ngokucabanga ungaphaka impi yakho, nokusinda kumi ngobuningi babeluleki.
24:7 Ukuhlakanipha kuphakeme kunesiwula; esangweni asivuli umlomo waso.
24:8 Ocabanga ukwenza okubi uyakubizwa ngokuthi owenza amacebo.
24:9 Ukuceba ubuwula kuyisono, nesideleli siyisinengiso kubantu.

sibona into ekumele ifunwe, into ekumele “silangazelele ukuba nayo”.

24:5-6 – Ukuhlakanipha akumile kodwa. Abahlakaniphile baziveza behlakaniphile futhi bevikelekile emandleni abo ngokungathembi ukuhlakanipha kuphela, kepha bafuna nesiqiniseko esiza ngabeluleki abahlakaniphile.

24:7 – Kuphakeme kungaphezulu. Izinto zokuhlakanipha zinzima kakhulu kwisiwula, esingavunywa ngakho, sinconywa ngokuvala umlomo lapho kudingidwa izindaba ezinjalo.

24:8-9 – Izedeleli nosomaqhingha.

- Ivesi 8 – Lowo ohlezi eceba okubi uyokwaziwa aqanjwe ngakho.
- Ivesi 9 – Ukuceba bobuwula akukho kubi

24:10 Uma udangala ngosuku lokuhlupheka, amandla akho mancane.

24:11 Bophule abayiswa ekufeni; abakhubekiselwa ekubulaweni ubagodle.

24:12 Uma uthi: “Bheka, besingakwazi,” akakuqondi yini olinganisa izinhliziyiyo, nolonda umphefumulo wakho akakwazi, na? Futhi akayikuphindisela bonke abantu ngokwemisebenzi yabo na?

emphakathini kuphela, kuyisono! Futhi abalungiswa ngumphakathi yizedeleli ezidelela okuhle. Ngisho abantwana basathane bayabona ukuthi amaqhinga avunyelwe komunye namhlanje azovimba omunye kusasa.

24:10 – Ukulahleka kwesibindi ekulweni. Lokhu kuyalwa kuza sakugxeka okuncane. Isibindi singaphinda siziveze kuphi kungesikho osukwini lengxabano? Isibindi somuntu sibonakala empini. Umalusi omuhle, enyakaziswa wuthando uma phambi kwengozi encike enkosini, kanti oqashiwe uyabaleka (Johane 10). Buka uDavide omncane nebhubezi, ibhere, isiqhwaga, azi kahle futhi ekwamukele ukuthi “*impi ingekaJehova*” (1 Sam 17:47).

24:11-12 – “*Akakwazi na?*” Imicabango lapha kungaba ibheke kulowo olahlekelwa yithemba kwivesi 10. Umusa ogodliwe kanye nokungazi

24:13 Ndodana yami, yidla izinyosi, ngokuba zumnandi, noju oluhle emlonyeni wakho.

24:14 Yazi ukuthi kunjalo ukuhlakanipha emphefumulweni wakho; uma ukutholile, kuyakuba khona isikhathi esizayo, nethemba lakho aliyikunqunywa.

24:15 Wena omubi ungaqamekeli indlu yolungileyo, ungachithi indawo yakhe yokuphumula.

akwenzi isilima loyo ohlola bonke, owazi konke, oqonda konke. Futhi buka la;

- “*Nolonda umphefumulo wakho*” ngenkathi uyeka okumele ukwenze okungukugcina nokunakekela imiphefumulo yabanye.
- Ukuthi inkosi ibuyisela umuntu “njengokwemisabanzi yakhe”, kungesiwo amazwi akhe (“Ngangingazi!”).
- Lapha akubalwa migomo. Asikho isizathu sokugxambukela esibonakala singama.

23:13-14 – Ukuhlakanipha okumnandi. Njengokuba ivesi 13 liqala ngomyalelo wokudla, manje kwivesi 14 liqala ngomyalelo wokwazi. Qonda ukuthi ukuhlakanipheni kukhona okumnandi komphefumulo okunjengoju olimini. Futhi kubukwa isigcino lapho esikulindele kuvela kuyiqiniso, futhi indlela yokuhlakanipha ivela ingenhle nemnandi kunazo zonke.

24:16 Ngokuba olungileyo angawa kasikhombisa, abesebuye avuke, kepha ababi bayakukhubeka ngobubi.
24:17 Ungathokozi ngokuwa kwesitha sakho, nenhliziyo yakho mayingajabuli ngokukhubeka kwaso,
24:18 funa uJehova akubone, kube kubi emehlweni akhe, asuse intukuthelo yakhe kuso.

24:15-16 – Xwayiseka. Ukubhekana ngqo nomuntu omubi, uNkulunkulu uthi makadlalele kude nekhaya lolungileyo. Ngokuba abalungileyo abehlulwa! Ngisho bangawa babe phansi, lokho kuphindeke, ekugcineni yibo bodwa abayoma uma uthuli seluthuli. Iphuzu lapha ngukuthi izinhlopheko aziqedi ngolungileyo njengokuba zenza ngomubi. Buka naba ofakazi ababili kwincwadi yesambulo 11, ekugcineni bayabulawa, kepha kungazelelwe bayavuka izwe libuka. Buka incwadi yamahubo 37:24; 36:12.

24:17-18 – Ukujabula kwabangalungile. Lokhu ngathi kuhlobene nevesi 16. Izitha zolungile ziyakuwa, kepha ungayekeli lokho kukujabulise. Ngokuba lowo mqondo ungaba nokungayijabulisi inkosi. Okwethu ngukuthanda noma sizondwa. Uma isitha sakho sihlupheka, sisize, ungajabuli ekuhluphekeni kwaso. Buka u 25:21-22; Rom 12:20. Akusikho ukuthi inkosi iyothela ulaka lwayo olungapheli koyisitha, kepha iyakuqeda ukujabula kwethu okungalungile futhi.

*24:19 Ungazikhathazi ngabenza okubi, ungabi namhawu
ngamashinga.
24:20 Ngokuba omubi akayikuba namvuzo, nesibani
samashinga siyakucima.
24:21 Nodana yami, yesaba uJehova nenkosi, ungahlangani
nabahlubukayo.
24:22 Ngokuba ingozi yabo iyakuvuka masinyane; ngubani
owazi ukuchithwa kweminyaka yabo na?*

24:19-20 – Buka ukuphela kwabo. Inkosi isusa amehlo ethu ezintweni ezibukeka zingalungile okwesikhashana (Hub 73:13), ukuze ngokukholwa sizobuka ekugcineni. Kukhona usizo ekwazini ukuthi ababi banalokuphila kuphela. Buka ivesi 1-2 & 13:9.

24:21-22 – Abalungile ngaphansi kukaNkulunkulu nohulumeni. UPetru usebenzisa amagama afanayo encwadini yakhe yokuqala 2:17 ukuchaza indlela elungile ecabanga kahle ngabanye. Qaphela ukuhlanganyela nalowo ohlezi enokuphikisana. Ukumelana nokubi kuyadingeka uma kudingeka, kepha abanye baphilela kona. Ungahlali nontandoyakhe, kungaze kufike isiphelo sakhe sikukhukhule nawe kanye naye. Bobabili kwivesi 22 ngathi kushiwo labo abangamfuni uNkulunkulu futhi abangayifuni inksosi. Buka laba abenza intando yabo encwadini yesibili kaPetru 2:10 buka nokusondela kokwahlulelwa.

24:23 *Nalawa angamazwi ahlakaniphileyo: Ukukhetha ubuso ekwahluleleni akukuhle.*
 24:24 *Oshoyo komubi ukuthi: “Ulungile,” lowo abantu bayakumqalekisa, nezizwe ziyakumthukuthelela.*
 24:25 *Kwabamthethisayo kuyakuba mnandi, kufike phezu kwabo isibusiso esihle.*

24:23-26 – Ukwahlulela okulungile.

- Ivesi 23 – Ukubheka abantu. Qathanisa u 18:5; 28:21; Dut 1:17; 16:19; Jak 2:1-13.
- Ivesi 24 – Umahluleli olungileyo. Loyo oweseka labo abasebubini, aze akhulule abanecala, uyakuzondwa ngabantu nezizwe. Lokhu kunzima kakhulu, futhi ikakhulukazi kuqondiswe kubahluleli. Ukuhlukumeza lapha kungaba kubi ngamazwi angenalo iqiniso okuvumelana nokubi, noma ukungasho lutho, ukwenqaba ukuma ohlangothini lokulunga. Buka okungenziwa angalokhu noma ngalomcabango kwabathulayo bavumele ababi babhubhe ebubini babo (Ivesi 11). Kungabe siyakholwa ukuthi okukaNkulunkulu ngukushunyayelwa kweqiniso noma cha?
- Ivesi 25-26 – Ukududuzwa kwalabo ababhekana ngqo.
 - o Ivesi 25 – Yize noma kungaba nzima

24:26 Njengokwanga kwezindebe, injalo impendulo eqinisileyo.
24:27 Qeda umsebenzi wakho ngaphandle, uzilungiselele wona
ensimini, wakhe ngasemuva indlu yakho.

esikhathini sengxabano, kuyohamba kahle kulabo abanesibindi ukukhuza labo abafanelwe ukukhuzwa, baveze ngokusobala ububi njengokubi. Hlampe ungathi, “kodwa ngizolahlekelwa umsebenzi/ ubufundisi!” “Kodwa umakhelwane wami/umngani bazongizonda!” Kepha bukisisa ukuthi inkosi ithi “isibusiso esihle”. Hamba nalawo mazwi enhlizweni yakho usazokhuza.

- Ivesi 26 – Umphakathi uyakuqalekisa lowo onikeza impendulo engesiyo, obiza ububi ngobuhle, kepha uyakwanga lowo onikeza impendulo eyiyo, othi okubi kubi, athi okulungile kulungila. Buka u 23:16. Buka noMikhaya kanye no-Eliya nenkosi u-Ahab kanye noJesu nabaholi bamaJuda.

24:27 – Okokuqala kuqala. Buka kokwakho kuqala. Ndlala amasimu kukhule ngaphambi kokuyonethezeka ekhaya. Qala ulungise umsebenzi

*24:28 Ungabi ngufakazi ngomakhelwane wakho kungekho
sizathu; wothi ukhohlise ngezindebe zakho na?*
*24:29 Ungasho ukuthi: “Njengalokho ekwenzile kimi, kanjalo
ngiyakwenza kuye, ngimphindisele umuntu njengesenzo
sakhe.”*
*24:30 Ngadlula ensimini yomuntu oyivila, nasesivinini
somuntu ongenangqondo;*

nenzuzo yakho ngaphambi kokuba ucabange ngomndeni nekhaya. Buka lomqondo ucatshangwa emyalezweni kaHagayi owawumelene nokubeka izinto zakho phambili kwezenkosi. Bheka indlu kaNkulunkulu (ukubuka kwakamoya) ngaphezu kokwakho. Ukungawuthatheli phezulu lomgomo kwaba yiphutha lika Loti.

24:28 – Ufakazi wamanga. Uma ubiziwe ukuba uzothula ubufakazi maqondana nomunye, yiba nesiqineseko sokuthi awukhohlisi ngomlomo wakho. Lapha sibona futhi okunye kwezinto eziyisikhombisa uNkulunkulu azizondayo (6:19). Buka no 14:5; 25:18.

24:29 – Isethembiso sempindiselo. Ukuhlakanipha akuve kuvimba ukuziphindisela kuphela, kuvimba ngisho ukufisa (“*ungasho ukuthi...*”). Emva kwendlela kababa wakho osezulwini, ungabuyiseli okubi ngokubi. Yekela ukwahlulela kumehluleli olungile. Buka amazwi ka Samsoni encwadini

24:31 *bheka, kuso sonke kwakukhona izimbathi, sisibekelwe phezulu ngezimbabazane, nogange lwaso lwamatshe lwaludilizelwe phansi.*
 24:32 *Ngabuka-ke mina, ngacabanga; ngabona, ngathola ukulaywa:*
 24:33 *ubuthongo obuncane, ukozela okuncane, ukusonga izandla kancane kuze kulalwe,*
 24:34 *bese kuthi ubumpofu bakho bufike njengomhambuma, nokuswela kwakho njengomuntu wesihlangu.*

yabahluleli 15:11; Qhathanisa no 20:22; Mat 5:43-48; Rom 12:19; 1 Pet 2:22-23.

24:30-34 – Insimi yevila. Lapha sibuka ohlakaniphile enziwa ahlakaniphile ngokubuka.

- Ivesi 30-31 – Ukubuka. Insimi nesivande sevila (indlela yakhe yokuphila) kugcwele ameva nokhula, lesi yisithombe sevila elingenandaba.
- Ivesi 32-34 – isifundo. Ohlakaniphile futhi obukayo akagcini ngokubona kuphela uyaqonda. Ivesi 33 lifana nqwa no 6:10, liveza imvelo yobuvila (“kancane... kancane...kancane”), kanjalo nje kuza kanjalo nobuphofu ekhaya kuzohlala. “Loyo othatha uhambo”, ungumhambi kepha weswele njengesela elihamba lifuna.

Isahluko 25

25:1 Nalezi ziyizaga zikaSolomoni ezaphindwa ngamadoda kaHezekiya inkosi yakwaJuda.

25:2 Kuludumo lukaNkulunkulu ukusitha into, kepha udumo lwamakhosi lungukuphenya indaba.

25:1 – Isingeniso. Lapha sibona ezinye izaga zikaSolomoni ezahlanganiswa yinkosi uHezekiya neqembu lakhe.

25:2-7 – Iseluleko samakhosi.

- Ivesi 2 – Udumo lukaNkulunkulu nenkosi. Kunikeza udumo kuNkulunkulu ukuthi ufihlile okuthile ngaye, akwambuliwe kithi (Dut 29:29), uthobisa umuntu ngokumvezela ukwahluleka kwakhe. “*Kuludumo lukaNkulunkulu ukusitha into*”, kepha izinto azivezile uNkulunkulu zingezabantu. Zombili izinto ezambuliwe nezifihliweyo ziyamthobisa ohlakaniphile zimenze athobe ngokulalela phambi kukaNkulunkulu. Kepha ukuhlonishwa kwenkosi kuza ngendlela ehlukile. Ihlonishwa ngokuhlakanipha kwayo ekuletheni iqiniso kokungacacile nokunobuqili, ithole iqiniso lezinto ebese

- 25:3 *Njengezulu ngokuphakama nomhlaba ngokujula, injalo
inhliziyo yomuntu ngokuphenywa.*
- 25:4 *Susa amanyela esiliveni, bese kuthi kuphumele umkhandi
isitsha.*
- 25:5 *Susa omubi phambi kwenkosi, bese kuthi isihlalo sayo
sobukhosi siqinise ngokulunga.*
-

inikeza isijeziso esifanele phakathi kwabantu bayo. Ngalokho iziphakamisela endaweni yokuba ngumqaphi wezombuso, uma kukhona ingozi engalimaza noma ihlazise yona kanye nabantu bayo. Lona ngumgomo oliqiniso ebuholini bonke. Lapha kumenyezela ukwahlulela okulungile futhi okungenakukhetha.

- Ivesi 3 – Inhliziyo yenkosi. Njengamazulu aphezulu nomhlaba ophansi ekujuleni, injalo inhliziyo yenkosi, kunzima ukuyiqonda. Angeke ukwazi ukuyazi yonke futhi akusiyo into yokudlala. Futhi, Lokhu kuyisexwayiso esinqala kulowo oshintsha shintsha njengomoya (23:1-3). Buka ukuxwayisa okusabekayo phambi kwenkosi kuNehemiya, u-Esteri, uDaniyeli, uDavide noNathani.
- Ivesi 4-5 – Umvuzo wokulungiswa. Njengokuba umcweli evuza ngokucwela insimbi yenani ibe yinhle ngokususa amagquma ayishiye ishelela. Kanjalo nenkosi

- 25:6 *Ungaziphakamisi phambi kwenkosi, ungemi endaweni yabakhulu.*
- 25:7 *Ngokuba kungcono ukuba kuthiwe kuwe: “Yenyuka lapha,” kunokuba wehliswe phambi kwesikhulu asesibonile amehlo akho.*
- 25:8 *Ungasheshi ukuphuma ukuyophikisana ukuba ungazi ukuthi uyakwenze njani ekugcineni, lapho umakhekwane wakho ekuhlazisile.*
-

iyavuzwa ngobukhosi obuhle obukhipha abangalungile noma ababi. Futhi nje umbuso wayo angeke “wakhiwe ekulungeni” uma ingakhiphi ababi. Buka u 16:12; 22:10. Buka indlela yebandla yokubuyisa owonayo. Encwadini 1KwabaseKorinte 5 uPawulu usebenzisa sona lesithombe sokukhipha imvubelo kwinhlama.

- Ivesi 6-7 – Zishaye sengathi umncane. Ungazami ukuzenza umuntu omkhulu phakathi kwabantu abakhulu. Ungake ulinge futhi ucabange ukuthi ufanelwe yisihlalo phakathi kwabantu abakhulu. Akukaze kube nokuhlakanipha ukucabanga ukuthi ungomkhulu, kunalokho, thatha isihlalo sakho kwabaphansi kuze kube uyabizwa. UKristu wakhuluma ngomfanekiso emva kwalesaga kuLuka 14:17-11, kangangokuthi labo abaziphakamisayo bayothotshiswa, kuthi labo abazithobayo baphakanyiswe.

25:9 Mela indaba yakho nomakhelwane wakho, ungambuli
imfihlakalo yomunye,
25:10 funa okuzwayo akuhlazise, nodumo lwakho lungabuyi.
25:11 Izwi elikhulunywayo ngesikhathi esiyiso linjengama-
apula* asezitsheni zesiliva.

25:8-10 – Cabanga ngaphambi kokuba ukhulume.

- Ivesi 8 – Ukushesha ukuba nomsindo. Ungagijimeli ukuxabana ungakacabangisisi, ngokuba uyobukeka njengesiwula kulowo oqonda iqiniso. Ungayekeli umdlandla wakho uze uhlwithe ukuhlakanipha bokuhlola ngaphambi kokuba ukhulume (15:28).
- Ivesi 9 – Ukuma nokuthembeka. Bhekana ngqo nalabo ababandakanyekayo kwingxabano ukuze uzothola ulwazi olufanele (18:13). Futhi ungafafazi izindaba (*“izimfihlo”*) kulabo ezingabadingi esingekho nesizathu sokuba bazi. Buka uMathewu 18:15, *“ninodwa naye”*.
- Ivesi 10 – Ungaze waziwe njengokhulumile ongakwazi ukugcina izimfihlo zabanye uma ukuzisho kukusebenzela wena noma kukuzuzisa ngandlela thize.

25:11-12 – Into yobuhle.

25:12 Njengecici legolide nesivunulo segolide elicwengekileyo,
unjalo umsoli ohlakaniphileyo endlebeni elalelayo.
25:13 Njengokubanda kweqhwa ngosuku lokuvuna, sinjalo
isithunywa esithembekileyo kosithumileyo, ngokuba
siyahlumelela inkosi yaso.
25:14 Njengamafu nomoya ngaphandle kwemvula kodwa,
unjalo umuntu ozidumisa ngesipho angasiphiyo.

- Ivesi 11 – “*Izwi elikhulunywe ngesikhathi*”
lifaniswa nana-aphula egolide ehleli kwisiliva,
amazwi akhulunywe ngesikhathi esifanele.
Njengesipho esihle esifanelwe umcimbi
okuziwe kuwo. Buka u 24:26; 16:20. Buka
nangendlela uKristu awasebenzisa ngayo
amazwi, ubuke indlela nesikhathi
ayewasebenzisa ngaso.
- Ivesi 12 – Ukuhlangana okwedlula inani!
Njengomgexo omuhle ohlala kahle kumniniwo,
kunjalo ukukhuza ngomusa balalele
abazithobile.

25:13 – Isici sokuthi kungathenjelwa kuwe.
Njengeqhwa elibandayo ekushoneni kwelanga
esivunweni, sinjalo nesithunywa ongathembela
kuso. Buka inceku ka-Abrahama ethembekile
kugenesise 24. Qhathanisa nokucasula kwenceku
ongeke wakwazi ukuthembela kuyo kuvesi 19; 26:6;
10:26; 13:17.

*25:15 Ngokubekezela kade isikhulu singavunyiswa, nolimi
oluthambileyo luyaphula amathambo.
25:16 Uma uthole izinyosi, yidla okwanele wena, funa udinwe,
ubuye uhlanze.
25:17 Unyawo lwakho malungavami endlini yomakhelwane
wakho, funa adinwe nguwe, abuye akuzonde.*

25:14 – Izithembiso ezingafezwa. Njengokushintsha kwesimo sezulu kungazelelwe, liphinde lingayilethi imvula, unjalo nozibonga ngazokwenza, kepha kugcina kungenzekanga lutho. EkaJuda (Vs 13) uJuda usebenzisa wona lomqondo ngabafundisi bamanga abaletha izithembiso zengcebo noma ukuhlengwa, kepha ekugcineni ukubhubha (14:12; 16:25).

25:15 – Ukubekezela okumnene. Ukuhlakanipha kusebenzisa kahle ulimi olungafuni ukuholelwa olakeni njengendlela yempumelelo ngisho ngaphambi kwabantu abakhulu. Ukuqumbelana nomdlandla omubi kungadelela lowo obhekene naye, agcine ebisha odakeni. Umusa wobumnene uyanikeza isiqinisekiso sokulunga ohlangothini lwawo, uma usuhlanganiswe nokubekezela. Buka u 15:1. Ubuke noSawuli eqhekeza isethembiso sakuvumile phambi komusa kaDavide angawufanele kwincwadi 1 Samuweli 24:17 & 26:21.

25:16-17 – Ubuningi bento enhle. Njengokuba

25:18 Umuntu ofakazela amanga ngomakhelwane wakhe uyisando, nenkemba, nomcibisholo obukhali.

25:19 Ukuthembela ombuluzayo ngosuku lokuhlupheka kunjengezinyo elaphukileyo nonyawo olwenyeleyo.

sibubona ubuningi boju, kuze kube seliyasigulisa sesenele, kanjalo abanye bayenela yithi, ubukhona bakho (nokukhuluma kwakho) ngakolunye uhlangothi, uma uqhamuka ungajwayelekile, abantu bayojabula. Kuhle ukungenzi kakhulu ezintweni. Buka ivesi 27, uqhathanise nezinye izaga eziveza ukucabangela abanye, njengakwivesi 20&27:14.

15:18 – Ufakazi wamanga. Njengokusebenzisa izikhali zempi, unjalo nofakaza amanga ngomunye, ngokuba ukulimaza isimilo nesidima somuntu ngamanga kungukulimaza lokho umuntu ayikho. Futhi, lokho ngisho kwimiyalo eyishumi kuyavela ukuba kungenziwa (u-Ekso 20:16) Kanye nakuhlu olufushane lwezinto eziyisinengiso kuNkulunkulu (6:19). Buka no 24:28.

25:19 – Ukukhashelwa enkingeni. Njengezinyo elibuhlungu eliqhubekayo noma unyawo oluxhugayo, kunjalo ukuncika noma ukuthembela kumuntu ongathembekile esikhathini senhlupheko. Abanjalo bayakuqeda ukuthembela kwakho kubo.

25:20 *Oyihlabelelela inhliziyo edabukileyo izihlabelelo
unjengokhumula ibhantshi ngosuku lwamakhaza,
nanjengoviniga esilondeni.*

25:21 *Uma okuzondayo elambile, mnike ukudla, adle; uma
omile, muphe amanzi, aphuze.*

25:22 *Ngokuba uyakubuthela amalahle omlilo ekhanda lakhe,
besekuthi uJehova akuvuze.*

Buka uJudasi iskariyotho eba ngumkhapheli esikhathini esinzima.

25:20 – Okungalungile nje qha. I-Nitre (okumbiwa phansi) uma ihlanganiswa noviniga kubheda kokubili kungabe kusaba namsebenzi walutho. Ngakho-ke ukumosha kubi. Futhi akusikho ukuhlakanipha ukulahla izingubo zamakhaza uma kusehlobo, kanjalo nokucula iculo lokujabula, uliculela odangele. Kumele sikhale nabakhalayo kunokuthi sicule ngenhlungu yabo.

25:21-22 – “*Thanda izitha zakho*” isenzo sokunika ukudla nokuphuzwayo kubhalwe njengomyalo lapha kunokuba uboniswe ngakho. “*Ukuthulula amalahle ekhanda lakhe*” kukhuluma ngobuhlungu nehlazo lomusa angawufanele lowo ohluphayo. Buka ulimi olushelelayo oluphula amathambo kuvesi 15. Inkosi iyakuvuzisa ububele balowo ohambisa okwakhe. Buka uMathewu 5:43-48; KwabaseRoma 12:19 (ocashuniwe). Ukuqhathanisa kuka 24:17-18.

*25:23 Umoya wasenyakatho uyaaletha imvula, nolimi
olunyenyayo ubuso obuthukutheleyo.
25:24 Kungcono ukuhlala egumbini lophahla kunokuhlala
nowesifazane oxabanayo endlini ehlanganyelweyo.
25:25 Njengamanzi aqandayo emphefumulweni owomileyo,
unjalo umbiko omuhle ovela ezweni elokude.
25:26 Njengomthombo odungekileyo nesiphethu esonakaleyo,
unjalo olungileyo ozanyazanyiswa phambi komubi.*

25:23 – Ukubhekana nokuhleba. Njengokuba kuvela, lapha kunenkulumo mpikiswano ukuba ngabe isenzo sisho ukusondeza noma ukuqhelanisa. Kodwa noma ngabe uwela kuluphi uhlangothi kusobala ukuthi kumele uphendule kanjani ekuhlebeni – kumele ucasuke kunokuba ukhombise ukukuthakasela.

25:24 – Buka u 21:9 & 19.

25:25 – Izindaba ezimnandi. Njengokupholisa kwesiphuzo esibandayo kulowo osefile ukoma, kunjalo nokufika kwezindaba ezimnandi. Buka u 15:30; 1 Thes 3:6-9; 2 Kor 7:7 Buka nokuletha izindaba ezimnandi kwevangeli, ukuphola kwaphakade okuza nomyalezo ovela “ezweni elokude” lasezulwini uma kuhlanganiswe nokukholwa emphefumulweni.

25:26 – Umthombo onodaka. Njengokuba amanzi aqhamuka phansi ephazamisa uma uhamba kuwo,

25:27 Ukudla izinyosi eziningi akukuhle, nokuzifunela udumo kakusilo udumo.

25:28 Njengomuzi odiliziweyo ungenalugange, unjalo umuntu omoya wakhe ungenakubanjwa.

kunjalo uma abalungile bezanyazanyiswa ababi. Kukhona ubuhlungu benhliziyo nokulahlekelwa kulabo abaphuza kuwo. Lokhu kungakhuluma ngolungileyo owela ehlazweni kubuka ababi, noma olungileyo eduka kokulungile eyekethisa ngenxa yobubi obumdonsayo. Kepha njengamanzi omthombo angcolile, kepha ngokuhamba kwesikhathi amanzi angcolile ayahlanzeka, kunjalo futhi abalungile bayophinde bavuke ngisho bangawa izikhathi eziningana. Ababi abanalo lelo themba (24:16).

25:27 – Abafuna udumo. Ukudla uju, njengokufuna udumo kungenziwa kakhulu kuze kweqe. Buka uju lwangempela ku 24:13-14. Buka eminye imicabango kozidlayo noma ozifunela okwakhe ku 20:6 & 27:2.

25:28 – Ukuwa kwezindonga. Loyo ongakwazi ukuzibamba akusikho ukuthi akanakuvikeleka ngokungacabangisisi kwakhe, kepha lokho maningi amathuba okuthi sekuguqile impilo yakhe yamapeketwana (“idolobha, okungasikho nje ukuthi alinazo izindonga, kepha liwile”). Qhathanisa no 16:32.

Isahluko 26

26:1 Njengeqhwa ehlobo nemvula ngesikhathi sokuvuna,
kanjalo udumo alufanele isiwula.

26:2 Njengomzwilili ekuhambeni kwawo nanjengenkonjane
ekundizeni kwayo, kanjalo isiqalekiso esingenasizathu asizi.

26:1-12 – Umgubho weziwula. Qaphela igama “*isiwula*” kuwo wonke amavesi kusukelaku 1-12, ngaphandle kwevesi 2.

- Ivesi 1 – Izinto ezingalungile. Njengokuba ikhephu lingatholakali ehlobo, nemvula ngesikhathi sokuvuna, kanjalo nokuhlonishwa akuhambelani nesiwula. Ukuhlonishwa kungasenza sibe yisiwula esikhulu.
- Ivesi 2 – Ukumoshwa kwemikhuleko. Isiqalekiso esikhulunyiwe ngaphandle kwentando kaNkulunkulu emva kwaso sifana nenyoni endizayo engazi ukuba iyaphi. Yinto engelutho njengomoya. Buka ukukhathazeka kukaBhalam encwadini unumeri 23:8. “*Lowo okini mkhulu kunaye osezweni*” (EkaJohane 4:4).

26:3 *Isiswebhu singesehhashi, netomu lingelebongolo,
noswazi lungolomhlane weziwula.*
26:4 *Ungasiphenduli isiwula njengobuwula baso, funa ufane
naso.*
26:5 *Phendula isiwula njengobuwula baso, funa sibe
ngohlakaniphileyo emehlweni aso.*

- Ivesi 3 – Izinto ezilungile. Futhi ukuhlakanipha kuveza ukubaluleka koswazi esiwuleni njengendlela yokukhuthaza (“uswazi”) kanye nokukhomba indlela (“*netomu*”). Kunesexwayiso lapha koyisiwula nokuyala okuhlakaniphile kulowo obhekene naso. Buka u 10:13; 19:29.
- Ivesi 4-5 – Ukuphendula noma ukungaphenduli.
 - o Ivesi 4 – Ungaphenduli. Lapha kugqanyiswa ingozi yophendula ngokungathi yisiwula. Ngokuba ngisho ukuphendula kuveza ubuwula ekuphawuleni noma imibuzo edinga impendulo. Isexwayiso ngokuphendula ngendlela eyeseka ukucabanga kwesiwula.
 - o Ivesi 5 – Impendulo. Ukhiye lapha kungaba yigama “*njengobu...*”, okungaqondwa ngezindlela eziningi

26:6 Othuma izwi ngesandla sesiwula unquma izinyawo zakhe,
uphuza ingozi.
26:7 Imilenze yonyonga iyalengalenga; zinjalo izaga
emilonyeni yeziwula.
26:8 Njengobopha itshe endwayimaneni, unjalo onika isiwula
udumo.

kulamavesi womabili; kwivesi 4
“ngendlela eyodwa” nakwivesi 5
ngomqondo owodwa “ekuphenduleni
(ngokuphikisa)”. Ukuphendula (Vs 5)
ukwala kucace ubuwula bakhe.

- Ivesi 6 – Ukuphakamisa okulimazayo. Lapha kunesithembiso sobuhlangu nenkinga kuloyo osebenzisa isiwula njengoletsha izindaba. Akusikho kuphela ukuthi angeke apholiswe ngomsebenzi owenziwe ngokuphelele noma ogculisayo (25:13), kepha umsebenzi uzokwanda futhi ube nzima. Buka u 13:17.
- Ivesi 7 – Ukumosheka kokuhlakanipha. Njengokuba kungasebenzi imilenze yoyisishosha kunjalo nokuphuma emlonyeni wesiwula, akusebenzi. Ukuhlakanipha akukwazi ukuba phezu kwalowo okwalayo. Buka ivesi 9 lapho khona ingxenye yesibili ifana nalapha.
- Ivesi 8 – ukuhlonishwa kwesiwula.

- 26:9 *Njengeva elingena esandleni sesidakwa, sinjalo isaga emlonyweni weziwula.*
- 26:10 *Ingqongqo yenza konke yodwa; oqasha isiwula uqasha abadlulayo nje.*
- 26:11 *Njengenja ebuyela ebuhlanzweni bayo, kanjalo isiwula siphinda ubuwula baso.*
-

Ukuhlonipha isiwula kufana nokufaka itshe esihlilingini esingakwazi ukulibambisisa. Kokubili okwenziwayo akunamsebenzi uma esudubula ngaso.

- Ivesi 9 – Ukuhlakanipha njengesikhali. Cabanga ngeva esandleni sesidakwa njengesikhali kunesilonda. Isiwula sisebenzisa isisho esihlakaniphile njengokuba isidakwa sisebenzisa iva. Ukuziphakamisa nobuhlungu kunokuba siphakamise iqiniso. Buka ivesi 7.
- Ivesi 10 – Ubumnene bomdali kubo bonke. Lapha kukhulunywa ngokudala kwenkosi, inakekela futhi ihambisa konke ngokwenjongo yayo, ngisho iziwula nezaphula mthetho. Buka uMathewu 4:45.
- Ivesi 11 – Inja iziveza iyinja. Njengokubainja iveza lokho eyikho ngokubuyela ekungcoleni ekukhiphe kuyo, kanjalo nesiwula siziveza ubuwula obuyimvelo yaso siphinde sibuyele ebubini baso. Ngisho naloyo othi ungowenkolo

26:12 *Uyabona umuntu ohlakaniphile emehlweni akhe na?*

Kukhona ithemba ngesiwula kunaye.

26:13 *Ivila lithi: “Kukhona ingonyama endleleni nebhubesi esigcawini.”*

26:14 *Isicabha siphenduka ngezingibe zaso, nevila ecansini lalo.*

kepha engakholwa kuJesu Kristu, engenakho ukuphila okuphakade uyaziveza ngokubuyela ezweni lakhe (1 Johane 2:19). UPetru wasebenzisa lesi saga encwadini yakhe yesibili isahluko 2 sabafundisi bamanga abagcina beziveza ubunjalo babo.

- Ivesi 12 – Ukuqhathaniswa kwezilima. Ukuhlakanipha kuthi kunethemba kwisiwula kunalowo ohlakaniphe emehlweni akhe. Isiwula hlampe singasibona isidingo saso sokuhlakanipha kanti lona omunye uzibona enakho vele ukuhlakanipha. Abazidlayo bezisho ukuthi balungile bona bayafana nabahlakaniphe emehlweni abo (Mathewu 9:12-13). Buka uhhafu wesibili ku 29:20.

26:13-16 – Imicabango ngobuvila.

- Ivesi 13 – Buka indaba engajwayelekile ku 22:13.
- Ivesi 14 – onamathele embhedeni. Njengokuba isicabha sixhunyaniswa nefremu singeke

26:15 *Ivila liyafaka isandla salo esitsheni; kuyamkhathaza ukusibuyisela emlonyeni walo.*
26:16 *Ivila lihlakaniphile emehlweni alo kunabayisikhombisa abaphendula ngokuhlakanipha.*
26:17 *Odlula nje ehlanganyela ukuxabana okungesikho okwakhe unjengobambainja ngezindlebe zayo.*
26:18 *Njengohlanya oluphonsa izikhuni nemicibisholo ebulalayo,*

sikwazi ukuphuma noma sikwazi ukujika kepha simile endaweni eyodwa, kukanjalo evileni nombhede walo. elikwenzayo alikwenzeli kude nalapho elikwazi ukunyakaza.

- Ivesi 15 – Buka okufanayo ku 19:24.
- Ivesi 16 – Ubuvila obungaphezu kokwenza. Ivila lifihla ubuvila balo ngezizathu engathi “zihlakaniphile”, okungukuthi ngisho amadoda ayisikhombisa ahlakaniphile akakwazi ukukubona. Qhathanisa nomusho ofanayo kwivesi 12. Ivila lincane ithemba lalo lidlula ithemba lesiwula.

26:17 – Impi ekungasiyo eyakho. Ingozi engaba khona ekubeleseleni nasekuzifakeni engxabanweni yomunye umuntu ifana nokudonsainja ngamadlebe. Kokubili lokho akucatshangwanga futhi kunobungozi obungalandelwa ukulunywa okunzima.

26:19 unjalo umuntu okhohlisa umakhelwane wakhe, ethi:
“Angithi ngintelile nje na?”
 26:20 Ngokuphela kwezinkuni umlilo uyacimeka, nalapho
 kungekho abancethezi, kuyabodla ukuxabana.
 26:21 Njengamalahle othuthwini nezinkuni emlilweni, unjalo
 umuntu ophikisa ukuvusa inkani.
 26:22 Amazwi omncethezi anjengesibiliboco: ayehelela
 kokuphakathi komuntu.
 26:23 Izindebe ezishisayo nenhliziyo embi kunjengesitsha
 sebumba esinamekwe ngamanyela esiliva.

26:18-19 – Imicibisholo enobungozi “kudlalwa”.
 Umuntu oveza inzondo ngokukheqa nokugebenga
 omunye, ebese eyasuka endleleni ngokuthi “aybo
 ngiyadlala” noma “ungakunaki lokhu engikwenzayo”
 uyakubukeka njengongasile sengathi udlala
 ngemicibisholo eyingozi. Imizwa eminingi eliqiniso
 igqokiswe u “ngiyadlala”.

26:20-26 - Mayelana namazwi ababayo.

- Ivesi 20-21 – Ukwenyuka komlilo. Lowo
 oyinhlebi ufana nokhwezela umlilo wempi
 eqhubekayo, kungesiwo amaqiniso. Buka u
 15:18; 16:28; 22:10; 25:5 lapho kunikezwa
 isenza samuntu kwingxabano nalapho ihlala
 khona.
- Ivesi 22 – Buka okufana ngqo no 18:8.

26:23-26 – Ukukhanya okusobala nobumnyama

- 26:24 *Ozondayo uyazenzisa ngezindebe zakhe, ubekelela inkohliso enhliziyweni yakhe.*
- 26:25 *Lapho enza izwi lakhe libe mnandi, ungakholwa nguye, ngokuba kukhona izinengiso eziyisikhombisa enhliziyweni yakhe.*
- 26:26 *Noma inzondo yakhe isibekelwa ngenzondo, ububi bakhe buyakwambulwa ebandleni.*
- 26:27 *Omba umgodi uyakuwela kuwo, nogingqa itshe, liyakubuyela phezu kwakhe.*
-

obucashile. Ibhodwe lobumba elipendwe ngesiliva (Vs 23) licwebezela njengesitsha sesiliva, kepha ngaphansi akusilo isiliva leli elivela kuyilo uma ulibuka. Unjalo nonenzondo ngaphakathi (Vs 24) kepha ngaphandle eziveza emuhle enothando nemfudumalo (Vs 25 “*lapho enza izwi lakhe libe mnandi*”). Ukwenza sengathi (Vs 24) kungukufihla noma ukuvala iqiniso uveze okungesikho. Futhi ukuhlakanipha kuyalaya ukuba ubafunde kahle abantu (20:5). Ungenziwa isilima ngokuvezwa obala (Vs 24, “*ungamukholwa*”), kunalokho bhekana naye njengeqiniso lokujula. Kwivesi 26 sithola ukuthi inhliziyu embi yozondayo izogcina ivelile obala.

26:27 – Ukubanjwa kozingelayo. Loyo ohlela ukuwa kwabanye uyakuwa yena ngomsebenzi wakhe. Buka u 28:10; hub 7:15; mshu 10:8. Buka namaqhinga kaNamani ku-Esteri 7. Bheka nalabo ababenzele uDaniyeli uzungu ngomphango wezingonyama! Ababewuhlelele uDaniyeli (Dan 6).

26:28 Ulimi lwamanga luyazonda olubachobozileyo, nomlomo othophayo usebenza incithakalo.

26:28 – Ukuzonda okungemuva kwamanga. Umkhohlisi uzonda loyo amkhohlisayo. Namazwi ashelelayo okhuluma okufunwa abantu akwenzelwa labo ekukhulunywa nabo, kepha lowo okhulumayo umoshwa yimpakamo yakhe (29:5, uzindlalela inetha ezinyaweni zakhe). Iqiniso lihlezi lilungile, liletha ukuphila liveze nothando lwangempela. Uthando luhlezi lume eqinisweni. Kubuke lokhu ngokwendlela yalesikhathi okwenza kungadalulwa ngisho abashumayeli bamanga noma abantu bezenkolo. Buka u 27:6. Cabanga ngomehluko phakathi kwamazwi ashelelayo nokudumisa.

“Oqondileyo uyabona
ububí, acashe,
kepha abangenalwazi badlula nje,
bahlupheke ngakho”

(Izaga 27:12)

Isahluko 27

27:1 Ungazigabisi ngolwakusasa, ngokuba awukwazi okungavela ngosuku.

27:2 Makakudumise omunye, kungabi ngumlomo wakho, kube ngumfokazi, kungabi yizindebe zakho.

27:3 Itshe liyasinda nesihlabathi sinzima, kepha ukukhathaza kwesiwula kuyasinda kunakho kokubili.

27:1-2 – Ukuzigqaja ngezinto ekungasizo ezethu.

- Ivesi 1 – Ikusasa lethu. Asikwazi ukuzigqaja ngezinto esingenawo amandla phezu kwazo. Ingomuso alikho ezandleni zethu kepha lisezandleni zenkosi. Buka uLuka 12:20; Jakobe 4:13-16.
- Ivesi 2 – Esikuzuzile. Konke esinakho nesiyikho kuvela enkosini. Ukuzibonga kwakho akube kuyo (Jer 9:23-24). Uma kukhona umlomo okufanele ubonge udumo lwakho makungabi ngowakho. UJesu wayenalomqondo wokungaziphakamisi kwaze kwaba ufihla ukulunga kwethu (Mat 6:3).

27:3-4 – Maqondana nolaka.

- Ivesi 3 – Ulaka lesiwula olungabekezeleleki. Loyu okumele abekezelele lolulaka lobuwula

27:4 *Ulaka lulunya nentukuthelo iyisikhukhula, kepha ngubani
ongema phambi komhawu na?*
27:5 *Ukusola okusobala kungcono kunothando olufihliweyo.*
27:6 *Amanxeba othandayo athembekile, kepha ukwanga
kwesitha kuyachichima.*

nenzondo yesiwula uyakwazi ukuphathwa
yikhanda kwalowo mthwalo.

- Ivesi 4 – Umona. Kunokuthululwa kolaka okubhamukayo, okunyuka ngokushesha kuphinde kwehle ngokushesha, mese kuba khona ulaka oluncane oluvutha umona futhi olungadala nokulimala okukhulu. Buka u 6:34-35; isihlabelelo 8:6.

27:5-6 – Ukulimaza kothembekile.

- Ivesi 5 – Indlela encono “yokukhuza”. “*Uthando [olucashile] olufihliweyo*” lubonakala njengalolo olucashayo uma uthando olumnene libhekana nokungalungile esidlangalaleni. Ngakho alusilo uthando olungathembekile uma uqhathanisa nokulimaza komngani. Buka u 24:25; 28:23.
- Ivesi 6 – Ukulimaza kothandayo noma ukwanga. Okuphambene nendlela eqondile yolungile, ukwanga kwesitha kukhulu kakhulu kunokujwayelekile, buka isithombe

*27:7 Umphefumulo osuthiyo uyanengwa yizinyosi, kepha
emphefumulweni olambileyo konke okubabayo kumnandi.
27:8 Njengenyoni esuka ibaleka esidlekeni sayo, unjalo umuntu
obalekele indawo yakhe.*

esisibekelwa uJudasi Iskariyotho mhlazane
ekhaphela ngokwanga. Qhathanisa nanomzali
ofuna ukuqondisa ngokukhuluma amazwi
ababa ezindlebeni kunokuqonda ngqo (13:24).
Buka amahubo 141:5.

27:7 – Umqondo wokubonga. Lokhu kukhulu
kunesifundo sokudla. Qaphela ukwenza isiqiniseko
sokubonga, inhliziyo efuna ngeqiniso yolambile
yamukela isinkwa, ngisho emva kwalokho inkosi
ibusisa ngokungaphezulu nokuba imyeke ngenxa
yobuningi. Buka uduteronomi 32:13-18,
“uJeshuruni wayesekhuluphala...walidela idwala
lensindiso yakhe (Vs 15). Buka nesambulo 17:10;
Hub 107.

27:8 – Ongazazi uyaphi. Isexwayiso lapha simelene
nokuhamba njengendodana yolahleko (Luka 15),
okwathi ngokuzifunela okwayo yangafuna ukuhlala
lapho okwakumele ihlale khona. Ekugcineni kwakho
konke yakhumbula indawo yayo yentokomalo. Buka
nobuwula buka-Abimeleki ethutha eya kwaMowabi.
Washiya indawo yokuphumula uNkulunkulu

*27:9 Amafutha nempepho kuyathokozisa inhliziyi; kunjalo
ubumnandi bomuntu ngokululeka ngenhliziyo.
27:10 Ungashiya umngane wakho nomngane kayihlo,
ungangeni endlini yomfowenu ngosuku lwengozi yakho;
ungcono umakhelwane oseduze kunomfowenu okude.
27:11 Ndodana yami, hlakanipha, uthokozise inhliziyi yami
ukuba ngiphendule ongisolayo.*

ayemnike yona ngenxa yokuthi akalibonanga inani layo.

27:9 – Umngani othokozisayo. Ukujabulisa kokuba nomngani okubonisayo kufaniswa no oyela wokugcoba. Buka ihubo 23:5; 133:1-2.

27:10 –Umngani weqiniso –Umngani osengumndeni ngokuhamba kwesikhathi uba usizo oluncono ngokuba ubukhona bakhe nodumo lwakhe ludlula olomfowethu. Ungaliphuli ithemba lakhe ngokumedlula esikhathini senhlupheko. Umphefumulo onjalo awuvamile futhi ukufanele ukthathelwa phezulu.

27:11 - Indodana ehlakaniphila, ubaba ohlakaniphile. Izwe liyala, kube yinhlungu yalo, lala indlela yokuhlakanipha kukaNkulunkulu nendlela yokukhulisa abantwana, kanti ngaso leso sikhathi lidelela labo abalalela uNkulunkulu basebenzise uswazi kahle. Ubaba manje unxenxa ukuthi ikhethe

*27:12 Oqondileyo uyabona ububi, acashe, kepha abangenalwazi
badlula nje, bahlupheke ngakho.
27:13 Thatha ingubo yoyisibambiso somfokazi, umbambe abe
yisibambiso omela abezizwe.
27:14 Obusisa umngane wakhe ngezwi elikhulu, evuka ekuseni,
kuyakubalelwa kuye ukuthi kuyisiqalekiso.*

ukuhlakanipha indodana yakhe ukuze naye ezojabula futhi izwe elimuhlekayo lingasizakali ngaye, ngokuba ubelungile ukuba athathe indlela kaNkulunkulu. Kuza ngenye indlela uma kunxenxa abazali. “*Hlakanipha*” futhi “*uthokozise*”, leyo imiyalo. Buka u 23:15-16, 24-25; 10:1. Buka ukunxenxa kwenkosi inxenxa thina ngalendlela noma usathane esidelela (Jobe 1-2).

27:12 –Buka okucishe kufane ngqo ku 22:3.

27:13 – Buka okufana kakhulu ku 20:16.

27:14 – Ukubingelela okungabuki isimo. Buka lapha kuqhathaniswa kwezibusiso neziqalekiso kwenziwa kohhafu ababili kwivesi elilodwa. Ngisho igama elihle lesibusiso lingadonsa isiqalekiso uma likhulunywa noma kanjani (ngokummemeza singakashayi isikhathi). Lapha isihloko esibukwayo esokuhlola isimo ngaphambi kokuba wenze, siyavela nakwenya indawo (24:17; 25:17, 20).

*27:15 Ukuconsa okunganqamukiyo ngosuku lwemvula
nowesifazane oxabanayo kuyafana.
27:16 Omvimbela yena uvimbela umoya; isandla sakhe
sokunene sihlangani namafutha nje.
27:17 Insimbi ilola insimbi, nomuntu ubuso bomunye.*

27:15-16 –Okhonondayo.

- Ivesi 15 – Buka u 19:13. Yisithombe somsindo ofanayo ongapheli, ukukhononda nokungunuza okuqhubekayo kowesifazane onomkhuba wokungeneli.
- Ivesi 16 – Ukuvimba onjalo kufana nokuvimba umoya noma ukuzama ukubamba amafutha ngesandla. Yinto engeke yenzeke.

27:17 – Ukulungisa okusizayo. “*Ubuso*” lapha kushiwo ngaphezu kwalokhu obubonwayo ngaphandle, yize noma ukuba ncono ngaphakathi kubonakala khona. Lapha kunokulolwa, ukuxhoza umngani ozimisele ukumelana nokukhuzwa okubuhlungu (Vs 5), efuna ukulungisa umngani wakhe abe ngowenani eliphezulu. Umbese obuthuntu awunamsebenzi walutho omkhulu. Wulole! Futhi uma ungumngani ofanelwe yilesi sihloko, funa okufanayo kwabanye.

27:18 – Usuku lwenkokhelo. Ukunakekela isihlahla

27:18 Olonda umkhiwane uyakudla izithelo zawo, nolinda inkosi yakhe uyakudunyiswa.
27:19 Njengasemanzini ubuso bubhekana nobuso, injalo inhliziyo yomuntu kumuntu.
27:20 Indawo yabafileyo nokubhubha akusuthi, namehlo omuntu awasuthi.

kuyakuvuza izithelo, njengomqashi wesisebenzi esizimisele emsebenzini wenkosi (esemhlabeni nesezulwini) siyakuklonyeliswa ngokuhlonishwa. Buka umsizi kaRebeka, uDebhora. Indawo afela kuyo yabizwa ngokuthi “yindawo yesililo” (gen 35:8), kukhomba indlela ayethathelwa phezulu ngayo, kanti ukufa kukaRebeka akushiwo lutho ngakho.

27:19 – Inhliziyo eyisibuko. Njengokuba umuntu ebuka ubuso bakhe emanzini, kanjalo umuntu ubuka inhliziyo yakhe komunye umuntu, sonke siyafana sihuheka ngokufanayo (Jakobe 5:17), futhi akukho ukulingwa okungehleli abantu (1 Kor 10:13). Ukukwazi ukuthola okufanayo, uzwelo kanye nosizo kwabanye kuyingqikithi yokuhlanganyela kwamaKristu.

27:20 – “Akusuthi”. Amehlo omuntu osenyameni ayindlela okuza ngayo izinkanuko nokuhala futhi awasuthi njengesihogo. Amehlo “asuthi” noma “anelisekile” aveza ukugculiseka. Kuncane kangakanani lokho Phakathi kwabantu. Buka

*27:21 Ukhamba lokuncibilikisela lungolwesiliva, nesithando
ngesegolide, nomuntu unjengodumo lwakhe.
27:22 Noma ugqula isiwula ngembokodwe etsheni lokusila
phakathi komqhazulo, ubuwula baso abuyikusuka kuso.
27:23 Yazi nokwazi ukuma kwezimvu zakho, ubeke inhliziyu
yakho emihlambini yakho.*

umusho ofanayo “*isihogo nokubhubha*” ku 15:11. Buka nomshumayeli 4:4-8; amaHebheru 13:5; uKula 12:15; 1 Thimothewu 6:6-8. Kuphela kuKristu lapho khona umuntu “engasoze woma” (Johane 4:13-14).

27:21 – Ukuhlolwa kokudumisa. Enye yezindlela umuntu ahlolwa alungiswe ngayo yindlela athatha ngayo ukudunyiswa noma ukunconywa. Buka uDavide (1 Sam 18:7) noSolomoni (2 Kro 9:6-8). Buka ukuqhathanisa kuRehobhowami (2 Kro 12:1) no Uziya (2 Kro 26:15-16). Uhhafu wokuqala waleli vesi uyafana naku 17:3.

27:22 – Isiwula nobuwula akuhlukaniseki. Yize noma ukulungiswa kungamele kube yinto enkulu kakhulu sengathi umgxobela ukuba abe nguphawoda, kepha isiwula siyakucindezelwa ubuwula baso.

27:23-27 – umklomelo wokhuthela.

27:24 Ngokuba ingcebo ayiyikuhlala kuze kube phakade;
 umqhele uyahlala izizukulwane ngezizukulwane na?
 27:25 Lapho utshani bumuka, nohlaza lubonakala, nemifino
 yezintaba ibuthwa,
 27:26 kukhona izimvu zokuba wembathe, nezimpongo ukuba
 zibe yintengo yomhlaba.
 27:27 Kuyakuba khona ubisi lwezimbuzi olwanele ukudla
 kwakho nokudla kwendlu yakho, nokuphila
 kwamantombazana akho.

- Ivesi 23 – Ukukhuthala ebhizinisini lakho (“kwimfuyo”) kuvezwa njengendlela engumyalo nencono kunevila elifisa ukuceba. Buka u 24:30-34.
- Ivesi 24 – Imali nobukhosi kufana nezinto ezudlulayo okungubulima ukufuna zona. Buka u 23:4-5. Ungavilaphi kodwa ufune ukuzuza okukhulu.
- Ivesi 25-27 – Ukunakekela kukaNkulunkulu kutholakala futhi kulungele umhlambi (Vs 25), umelusi, umuzi, kanye nosizayo (Vs 26-27) ngokusebenza kweqiniso. Buka u 12:11; 13:11.

“Osola umuntu uyakuthola isisa
kunothopha ngolimi lwakhe”

(Izaga 28:23)

Isahluko 28

28:1 Ababi bayabaleka, noma kungekho obaxoshayo, kepha abalungileyo banesibindi njengengonyama.

28:2 Ngesiphambeko salo izwe linezikhulu eziningi, kepha ngabantu abaqondileyo nabanokwazi liyakuma.

28:3 Umuntu oswelayo ocindezela abampofu unjengemvula ekhukhulayo engashiya ukudla.

28:1 – Ukwesaba kunembeza ohluphekile. Ukubuka iqiniso lokwedlule nokuzayo, unembeza wababi wenyusa ukwesaba kwabo baze babaleke bengajahwa. Kanti labo abalungile bazihlalela baphumule kwizinhlangothi zonke, ngokuba besaba uNkulunkulu kuphela.

28:2 – Ukuphela kwababi. Ubuholi buyalulwa kube nozinzo ngokuzimisela nokuzinikela kokuhlanzekile. Uma umoya omubi uvunyelwa ukubusa ezweni (ebandleni noma ebhizinisini), ukuthula kuyahamba nemibuso ayiqhubeki iyaphela. Buka u 25:2, 4-5. Buka ukungabi nozinzo nokuphela kombuso ngesikhathi sabahluleli namakhosi akwa-Israyeli.

28:3 – Ithemba eliphenduka inkinga. Umbuso ocindezelayo ulindeleke kwabacebile, kepha kuyamangaza uma ompofu ezokhuphukela

embusweni abe ngumcindezeli kunjengesithembiso semvula epholisayo igcine isiba yisichotho. Onjalo kulindeleke ukuba akwazi ukumela abampofu. Lomgomo ungena kukho konke ukubusa noma ukuhola. Buka inkosi ethembekile kwabampofu ku 29:14. Buka nomfanekiso kaKristu wesisebenzi esingenawo umusa (Mathewu 18:23-35). Nathi kumele sibe nokuzwelana nalabo abaduke esonweni ngokuba nathi siphuma kubo ubuphofu besono, sasimpofu emoyeni.

28:4 – Ukulangazelela noma ukucasuka. Ukujabula kwethu kuveza inhliziyo yethu maqondana noNkulunkulu nezinga lakhe lokulungile. Uma ukuthokoza kwethu kukokulungile, labo abathokoza kokungalungile abasijabulisi. Uma ngaphakathi sikulahlile okulungile, labo abenza okungalungile baba ngesithokoza ngabo. Asikwazi ukukujabulela kokubili. Buka laba abathokoza ebubini encwadini yabaseRoma 1:32. Cabangisisa ngabangamaqhawe owathandayo aseholiwudi, ngisho abaculi bemculo ezinhlobo nhlobo. Buka u-Isaya uthini ngabalungile ku 33:15. Lokhu okubukayo yilokhu inhliziyo yakho ekuthandayo.

28:5 Abantu ababi abaqondi ukwahlulela, kepha abafuna uJehova baqonda konke.
28:6 Ungcono ompofu ohamba ekupheleleni kwakhe kunocebileyo ophambene ngezindlela zakhe.
28:7 Ogcina umthetho uyindodana eqondileyo, kepha ongumngane weziminzi uhlazisa uyise.

28:5 – Ukuqonda okufiphaziwe. Ababi abakuboni okubi nokuhlanzekile (Efe 4:18) ngakho ungathuki uma bekhuluma okungesikho bevungama ngokuthi kubi uma kwenziwa ukwahlulela okulungile nabo bephathwa ngobulungiswa. Buka amahubo 112:10; isambulo 16:11, 21. Uma uqhathanisa yonke into ivela obala kulabo abesaba inkosi. Buka amahubo 25:14; 1 kwabaseKorinte 2:14-16; 1 kaJohane 2:20.

28:6 – Ukuphelela kompofu, ocebe ngezindlela eziphambene. Kungabe imali iqale nini ukuba yingcebo yabantu? Isidima yiyona ngqikithi edlula konke okunye ongaba nakho uma kukhulunywa ngezinto zasemhlabeni. Futhi, umqondo osemvakwegama “*olungile*” lisho ukungabi nacala, ukungabikho kwenzondo noma ukuzwisa ubuhlungu. Buka lemiqondo efanayo ku 19:1. Ubuke “*ukulunga*” ku 10:9; 11:20; 15:8.

28:7 – Umgcinimthetho noma umngani wabaphansi. Ihlananiphile indodana ehamba ngezindlela zikaNkulunkulu. Ihlazo liwela kumzali walowo

28:8 Owandisa imfuyo yakhe ngenzalo nangenzuzo uyibuthela onomusa kwabampofu.
28:9 Ophendula indlebe yakhe ekuzweni umthetho, nomkhuleko wakhe uyisinengiso.

ohamba nabangalungile (Vs 4). “*Iziminzi*” yilabo abaqeda okungokwabo ngokudabukisa, bafana nalaba abaku 23:20-21, sibona kuqhathaniswa abakhetha ukukwenza.

28:8 – Ukwandisa ngokuzalisa. Ukuzalisa; ukuboleka ulindele kubuye nokungaphezulu ongabolekisanga ngakho, ikakhulukazi imbe eqolo naleyo nzalo. Inkosi ayizange ikuvumele ukuzalanisa imali phakathi kwabantwana bayo (Lev 25:35-37); Dut 23:19-20). Buka isithombe esifanayo sendoda elungile eyakhe edwaleni kumahubo 15 (Vs 5). Inzuzo etholakale ngezindlela ezingalungile iyakudluliselwa kwabamnene njengefa labo lomhlaba (Mat 5:5). Buka u 13:22.

28:9 – Umkhuleko oyisinengiso. Loyo oshaya indiva izinsongo nokufunwa ngumthetho kaNkulunkulu uyakuzitshwa ezicelweni zakhe zasezulwini. Ngokuba ngaphandle kokuhlengwa kuKristu umuntu akakwazi ukufinyelela kuNkulunkulu. Buka u 1:24-28. Njengaku 15:8-9, lokhu kusho ukuthi ayikho imicimbi yenkolo ongayenza engasusa

28:10 Oduksela abaqotho endleleni embi uyakuwela emgodini wakhe, kepha abapheleleyo bayakudla ifa lokuhle.
28:11 Isicebi sihlakaniphile emehlweni aso, kepha ompofu oqondileyo uyakusifika.
28:12 Lapho abalungileyo bethokoza, udumo lukhulu, kepha ekuvukeni kwababi abantu bamelwe ukufunwa.

ububi. Enhlizweni yenhliziyo engaguquliwe, ngisho ukwenza okuhle njengokukhuleka kuyisinengiso njengokwenza okubi. Umkhuleko uveza ukuzithoba okungesilo iqiniso lalowo ophika izwi likaNkulunkulu nendlela ekuyiyo yensindiso.

28:10 – Ukuwisa kodukisayo – kungukwenziwa kwesikubona ku 26:27. Buka ukuthi usathane uyengana kanjani kugenesise 3 okungumsebenzi wakhe wokuqala wokugcina (Vs 15). Ababaleki labo abahlengiweyo abavela njengamaqhawe nesibusiso sikaNkulunkulu ekugcineni.

28:11 – Ukuqonda akukhethi bala lamuntu. Umuntu oyisicebi angacabanga ukuthi uhlakaniphile (yingakho ecebile) kanti bonke abanye abahlakaniphile. Kepha ngisho oqondayo enokuncane uyakumbona ekujuleni kwakhe.

28:12 – isikhathi sokuthokoza. Inkazimulo kubo bonke ngukuthi kubuse olungile. Buka izinsuku ezimnandi kwa-Israyeli lapho kwakubusa khona

28:13 *Ofihla iziphambeko zakhe akayikuphumelela, kepha ozivumayo azishiye uyakuthola umusa.*

28:14 *Ubusiwe umuntu owesaba njalo, kepha oyenza lukhuni inhliziyo yakhe uyakuwela ebubini.*

amakhosi alungile, uDavide noSolomoni. Ukuhlushwa nokucasha kuyimvelo yosuku uma abalungile becindezelwa ngababi bebavukela (Jer 36:19, 26). Buka ives 28; 11:10; 29:2. Buka izinsuku ezizayo zokubusa komphiki Kristu (Dan 7; Isa 13).

28:13 – Isono esimboziwe nesivuliwe. Esiphikwayo, esimbozwayo noma esiyekwayo isono angeke size siphumelele empilweni ngisho ukusigqiba. “*Bheka isono sakho siyakukufumana*” Buka ihubo 32:1-4. Ukujabula nempumelelo yangempela ngaphambi kukaNkulunkulu nabantu kuza ngokuvuma ngenhliziyo ezimisele ukushiya okungalungile.

28:14 – Abathokozile nabaqinile. Hleze lokhu kulandela emcabangweni wevesi eledlule. Lapha sibona ububi besono bubamba inhliziyo yethu. Buka inhliziyo yombhali wehubo 119:161. Lapha kuqhathaniswa abaqinisiwe uma kuza ezwini lenkosi, ebandleni kanye nakubantu. Yize noma kuzohamba kahle kulowo, kulomunye kuzosuka ebubini kuye ebubini obukhulu.

28:15 *Njengengonyama ebhongayo nebhere* elihahayo, unjalo umbusi omubi phezu kwabantu abampofu.*
28:16 *Wena sikhulu esingenakuqonda nesicindezelayo, ozonda inzuzo engalungile uyakwandiza izinsuku zakhe.*
28:17 *Umuntu osindwa yigazi lomunye uyakubalekela egodini; makangasizwa muntu.*

28:15-16 – Ingonyama ebhongayo ededelwe. Lapha sibona isithombe sempilo ngaphansi kwababusi abangalungile futhi abanobungozi, abangaqondakali, abangacabangisisi, abahahayo bezicabangela bona. Njengokuba sibona kuDaniyeli 7, uNkulunkulu ufanisa amakhosi abantu nemibuso yabo njengezilwane zasendle. Buka ivesi 12&28. Buka futhi nokubusa kwesilo noma umphiki Kristu ochazwe encwadini yesambulo 13, loyo kuye okuyogcwala intando yakhe nodumo lomuntu kepha ongeke azandise izinsuku zakhe (kuphela iminyaka emithathu nohhafu kwisambulo 13:5). Loyo uchazwa nguDaniyeli, “*olwalunamehlo*” okuqonda, “*olukubonakala kwalo kwakukukhulu kunezinye*” (Dan 7:20). Uyoba mkhulu ngaphezu kwalabo abusa nabo, kepha uyobe engaboni kahle (“efuna ukuqonda”) okungalethwa ngukwesaba uNkulunkulu kuphela.

28:17 – Ukubaleka kombulali. Umbulali obaleka lapho enze khona isono esikhulu ubalekela ethuneni lakhe. Ukuhlakanipha kuthi makungabikho

*28:18 Ohamba ekupheleleni uyakusinda, kepha ophambene
ngezindlela zakhe uyakuwa kwenye yazo.
28:19 Olima insimu yakhe uyakusutha ngokudla, kepha
olandela amayiyane uyakusutha ngobumpofu.
28:20 Umuntu othembekileyo uyakuvama izibusiso, kepha
oshesha ukuceba akayikuyekwa.
28:21 Ukukhetha ubuso akukuhle; ngomthamo wesinkwa
umuntu angenza isiphambeko.*

omesekayo ekubalekeni kwakhe kuze kube
kophulwa ingalo yomthetho.

28:18 – Indlela yokusinda. Buka ivesi 16; 10:9; 25;
11:3-6. “Ekugcineni” okuza nomqondo
“wokuphazima kweso”.

28:19 – Ukugcwala kwesinkwa noma ukugcwala
kobuphofu. Lokhu kucishe kufane no 12:11 ebese
kungezwa imiphumela elindelekile. Buka u 27:23-
27.

28:20-22 – Indlela yesibusiso. UNkulunkulu
umemezela ukuthembeka kunemali njengendlela
yezibusiso, izibusiso eziningi (Vs 20, “kuvame”).
Kwivesi 22 siyakhunjuzwa ukuthi okusemuva
kokufuna ingcebo akuveli enhliziyweni elungile.
Buka incwadi kaThimothewu 6:9-10. Isithombe
esikwivesi 21 sifana nesamahluleli ohlulela
ngokungalungile, obheka abantu, eliguqula
kokulungile lithathe intshontsho. Njengo Esawu,

28:22 *Umuntu oneso elibi ushesha ukuba athole imfuyo; akazi ukuthi ukuswela kuyakumehlela.*
28:23 *Osola umuntu uyakuthola ngasemuva isisa kunothopha ngolimi lwakhe.*

okwathi isikhashana nje ngenxa yesinkwa waguqula okulungile!” Onjalo akasoze “wavama isibusiso” (Vs 20) Ukuzimisela kwakhe ngenzuzo yokungalungi “ekujaheni ukuceba” kuveza ukufisa kwakhe okubi (Vs 22) futhi kusheshisa isijeziso sakhe ngobuphofu. Buka abantu abenza umsebenzi wenkosi abadayisa ngeqiniso ngenxa “yocezwana lwesinkwa” okungukuthi bafuna kwande abantu, iminikelo noma ukuhlonishwa kwasemhlabeni.

28:23 – Isibusiso esilungile sokukhuzwa. Izinto ekumele ziqashelwe lapha;

- Ukubusiswa noma umusa kuza ngemuva, akujwayele ukuza phakathi kokubhekana ngeqiniso.
- Ukubusiswa kuza kungesikho ukulahlekelwa kepha ukuzuza, lesi yisethembiso (“uyakuthola”)
- Asitshelwa ukuthi loyo okhuzwayo uyoba ngothola leso sibusiso. Kepha, yize noma engabuyisi inhliziyi yakhe aze akuzonde aze

ayongena ethunini, isibusiso sikaNkulunkulu esihle siyokuba kokhuza ngokwethembeka (24:25).

- Umusa noma isibusiso siyoba kulowo okhathalela ngokwanele ukuba aze akhuze, kungesibo labo abakhuluma ngendaba ezinhlangothini, engazi loyo okukhulunywa ngaye. Kepha ukubonisa kulabo ababandakanyekayo kulungile ngaphambi kokuba kuze kukhuzwe.
- Lapha kukhulunywa ngokukhuza okubi okusobala.
- Akukho esikubonayo ngokuthi kumele kukhuzwe ngayiphi indlela, okuvamile ngukuba kutholwe noma kufunwe iphutha konenhliziyi engaguqukile uma ezokhuzwa. Qathanisa no 25:12.
- Ukungakhuzi kube kumele ukhuze kungaba yindlela yokusho umuntu afisa ukukuzwa okubi.
- Buka u 27:5-6; 29:5.

*28:25 Onomoya ohahayo uyavusa ukuxabana, kepha
owethemba kuJehova uyakukhuluphaliswa.
28:26 Owethemba enhliziyweni yakhe uyisiwula; kepha
ohamba ngokuhlakanipha uyakhululwa.
28:27 Opha ompofu akayikuswela, kepha ositheza amehlo akhe
uyakuba neziqalekiso eziningi.*

28:24 – Ophanga abazali. Loyo ozithethelelayo ngokuphanga abazali bakhe ukulungele ukufaka isandla ekuweni kwanoma ubani. Buka u 19:13; 26; 20:20. Uhhafu wesibili walelivesi ufana no 18:9. UNkulunkulu ulaya ngokuphikisana nakho encwadini yokuqala kaThimothewu 5:4.

28:25 – Kuncike enhlizweni. Abaziphakamisayo noma abazidlayo bayingozi kukuthula, kanti labo abathemba inkosi baphila ngokwaneliseka, bengenakho okuncane. Uhhafu wokuqala wevesi uyafana nesahluko 15:18 kanti uhhafu wesibili ufana nesahluko 29:25.

28:26 – Ukuqondiswa okuvela emthombeni olungile. UNkulunkulu wahlulele inhliziyo yomuntu njengembi ekujuleni (Jer 17:9) ngakho-ke ayisiye umqondisi othembekile (14:12). Loyo othemba enkosini njengomthombo wokuhlakanipha (3:5) uyakuthola indlela yokwaphulwa eqinisekisiwe “nesango elincane” eliholela ekuphileni.

*28:28 Lapho ababi bevuka, umuntu uyacasha, kepha
ngokubhubha kwabo abalungileyo bayanda.*

28:27 – Ukunakekelwa kwabanakekelayo. Sesibonile ukunakekela kukaNkulunkulu enakekela abampofu (11:24-25; 19:17; 22:9). Lapha kunesethembiso esiphindiwe sokukhuluphaliswa komphefumulo okhululekile nokweswela kwalowo ozicabangela yena yedwa, ofihla amehlo akhe ekuhluphekeni kwabanye.

28:28 – Buka ivesi 12. Ubuke no 11:10; 29:2. U-Keil no Delitzch bayaqhathanisa isitshalo esiqhakazayo “uma iminyundu nezivemvane nokufana nako kufa”.

Isahluko 29

- 29:1 Umuntu osolwayo, onentamo elukhuni kodwa,
uyakwaphulwa ngokuphazima kweso,
engenakuphulukiswa.*
- 29:2 Abantu bayathokoza ngokwanda kwabalungileyo, kepha
ngokubusa kwababi abantu bayabubula.*
- 29:3 Umuntu othanda ukuhlakanipha uthokozisa uyise, kepha
umngane wezifebe uchitha imfuyo yakhe.*
-

29:1 – Ukubekezela, kepha okungesikho okwaphakade. Inkosi ayiyohlezi ingqongqoza emnyango wenhliziyo. Kuyofika isikhathi sokuphela kwethuba umuntu alinikeziwe ngumusa kaNkulunkulu nesineke sakhe. Buka u 1:24-33; 6:15. Ngokuba ngokuphazima kweso, buka iBhabhiloni encwadini kaDaniyeli 5 (Vs 20), “ngalobo busuku”) nakwincwadi yesambulo 18 (“ngehora linye”). Futhi nakwisambulo 18 (“ngehora linye”).

29:2 – Ukuhlabelela noma ukukhokho umoya. Uma ubulungiswa bubusa ngenxa yokuphatha kwabalungile, bonke abantu bayathokoza. Uma ababi besemandleni noma egunyeni kunesizathu esilungile ukuba abantu bakhale baphefumulele phezulu. Buka u 28:12, 28.

29:3 – buka u 23:15-28.

*29:4 Inkosi iqinisa izwe ngokwahlulela, kepha umuntu
olithelisayo uyalichitha.*

*29:5 Umuntu othopha umakhelwane wakhe wenekela izinyawo
zakhe inetha.*

29:4 – Bonke bayakhuphuka noma bawe ekuholeni. Labo abahola ngobulungiswa kuyoba nozinzo endaweni yabo. Kepha ukuhola okunikezelwe kuloyo ophula ingalo yomthetho ngenxa yokufumbathiswa uyoholela ekubhubheni kuphela. Buka ivesi 14; 15:27.

29:5 – Inetha lothophayo. Ukukhuluma amazwi asheleleyo kunokukhuluma iqiniso;

- Kuveza umuntu enjengensimbi engasebenzi, engakwazi ukulola ngisho okukodwa (27:17).
- Walela abanye “*okuncono*” okuza ngokukhuzwa. (27:5)
- Akuvezi uthando kulowo okukhulunywa kuye amagama athophayo, akuvezi ngisho ukumfisela okumlungele.
- Kuveza ukufuna ukusebenzisa omunye ukuze wena uzozuza.

Buka u 26:28.

29:6 *Esiphambekweni somuntu omubi kukhona ugibe, kepha olungileyo uyenanela, athokoze.*
29:7 *Olungileyo uyazi indaba yabampofu, kepha omubi akayiqondi.*
29:8 *Abantu abayizideleli bavusa umuzi, kepha abahlakaniphileyo babuyisa ulaka.*

29:6 – Ugibe noma ukuhlabelela. Isono siyohlezi siletha ugibe noma isikhubekiso kanti ukulunga kuyohlezi kuletha ukuhlabelela. Buka ukuthi kujwayeleke kanjani ukuthi abalungile basondelane nokujabula kulencwadi. Buka ukulunga nokuthula njengamawele ayobe ebonakala embusweni kaKristu ozayo ku-Isaya 11:4-9. Ngokuba lowo onguMelkhizedeki (okusho ukuthi “inkosi yokulunga”, Hebh 7) kuphinde kube yinkosi yaseSalema (okusho ukuthi inkosi yokuthula, gen 14:18-20; Hebh 7:2).

29:7 – Ukuqaphela ababuthaka. Abalungile bayabazi futhi bayazihlanganisa nemisebenzi yabaphansi nababuthaka ngenkathi ababi besusa amehlo abo esimweni sabo ukuze bangaze babone bese kudingeka basize. Buka u 27:27.

29:8 – Imililo yemisila yezimpungushe. Lapha sibona umuntu omubi waku 16:28 kepha manje esesedolobheni, umuntu ozidlayo (futhi onempakamo, 28:25) ngokuba konke lokho okuhle,

29:9 *Uma ohlakaniphileyo ephikisene nesiwula, siyadlova
sihleke, nokuthula akukho.*
29:10 *Abantu begazi bayazonda opheleleyo, kepha abaqotho
banaka umphefumulo wakhe.*
29:11 *Isiwula sikhipha lonke ulaka lwaso, kepha
ohlakaniphileyo uyalugodla ekugcineni.*

uma kunikezelwe ukuba kugijime edolobheni kuyolibhedula idolobha. Ububi babo bufuna bususwe ukuze kuzolethwa ukuthula. Buka u 22:10; 25:5; 26:20. Kepha abahlakaniphile bayakwazi ukuguqula ukudinwa noma ukucasuka. Buka owesifazane ohlakaniphile ka-Abeli (2 Sam 20:14-22). Buka “*owesifazane ohlakaniphile ompofu*” owephula idolobha kumshumayeli 9:13-15.

29:9 – Indlela yobuwula empini. Uma ohlakaniphile ezama ukuba kwinkulumo mpikiswano noyisiwula, isiwula sizofuna ukudelela nokuvuthelana, sihleke ngokudelela okuveza ingaphakathi laso nokungalazi iqiniso nendlela yokukhuluma ngokuba asikwazi ukukhuluma kahle nokucabangisisa. Buka u 25:15.

29:10 – Ababi bayazonda kanti abalungile bayasiza. Abalungile bama nabo bonke labo abamile ekulungeni kwabo, labo ababi bayabazonda ngenxa yalokho. Buka uMathewu 25:31-46.

29:11 – Umlilo wamazwi. Ngale kokuzibamba,

29:12 Uma umbusi elalela indaba yamanga, zonke izinceku zakhe zimbi.

29:13 Ompofu nocindezelayo bandawonye; uJehova ukhanyisa amehlo abo bobabili.

isiwula sikhapha konke okukuso (imicabango, ulaka, ukuhlukumeza, ukona, njll.), kanti ohlakaniphile uyazibamba akuhlole ukuphendula kwakhe. Ekugwemeni amazwi buka u 12:16; 14:33; Ekugwemeni ulaka buka u 14:17, 29; 16:32; 25:28.

29:12 – Abaholi abalalela amanga. Abaholi abalalelayo kunokuba balahle abaqamba amanga benza ukuthi ababi bakhule njengamakhowe anophoyizeni obulalayo eduze kwabo. Buka incwadi 1 amakhosi 22, umphrofethi oyedwa (Mikhaya) ongayilindanga inkosi u-Ahlabi wabizwa ejele kanti laba abanye abaphrofethi (abangama-400) babengabadukisi. Thatha lomgomo uwusebenzise kubazali abathambela amanga.

19:13 – (“*Okungaye zonke izinto zimi*”). Inkosi yiyo ephethe izintambo zokupha bobabili ompofu nomcindezeli ogcina abampofu bempofu. Buka u 22:2 & Math 5:45). Kungukusabisa okuncane okumboziwe kummeli walowo (22:22-23; 23:10-11).

29:14 – Abameli basemhlabeni. Qhathanisa nevesi

29:14 *Inkosi eyahlulela abampofu ngeqiniso, isihlalo sayo sobukhosi siyakuma phakade.*
29:15 *Uswazi nokusola kuyanika ukuhlakanipha, kepha umntwana oyekwayo uyahlazisa unina.*
29:16 *Ngokwanda kwababi kuyanda iziphambeko, kepha abalungileyo bayakubuka ukuwa kwabo.*

eledlule. Inkosi ehlanganyela noNkulunkulu njengommeli wabacindezelwe, iphatha bonke abantu ngendlela efanele, iyokuklonyeliswa ngummeli wasezulwini. Buka ivesi 4; 16:12.

29:15 – Umntwana ogciniwe noma oshiyiwe. Ukugwema umntwana okulungile kuyakumholela kukuhlakanipha, kanti ukuyekelwa kuletha ihlazo kumama wakhe. “*Oyekwayo*” kusho ukuthi “ozenzela ngokuthanda kwakhe”. “*Uswazi nokusola*” kuchaza ukwakha ukuhlakanipha okulungile ngoswazi nangamazwi (kungesikho ukuhlukumeza). Thatha isikhathi uchaze. Uma umama evumela ubumnandi bewayini lothando lwakhe ukuba lubabise noma lone uma seluluningi kakhulu ngokuba nguyena oyogcina esezilethela amazinyo abushелеlezi nehlazo. Maqondana nehlazo buka u 19:26; 28:7.

29:16 – Yize noma ababi benosuku lwabo ngaphansi komthunzi welanga bevukela ukuqhubeka nobubi babo obujwayelekile, kepha kuyoba ngabalungile

*29:17 Yilaye indodana yakho, iyakukuphumuza, yebo,
iyakuthokozisa umphefumulo wakho.
29:18 Lapho kungekho mbono khona, abantu bayadlubulunda,
kepha ogcina umthetho ubusisiwe.*

kuphela abayoma badle ifa elingumhlaba mhlazane bebona ababi bewa ekugcineni. Buka ivesi 2; 28:28.

29:17 – Yenza umntwana wakho athokozise. Ukulungisa kusho ukukhuza noma “ukuqondisa ngenduku noma ngemivimbo”. Leligama libhalwe njengomyalelo kwisiHebheru. Umbuzo wokuba umntwana uyabathokozisa labo abamuzungezile impendulo yawo itholakala endleleni noma ekwenzeni komzali ngesikhathi esamakha. Futhi isinqumo sokusebenzisa lomgomo asizona ezinye zezinto umzali angazikhetha uma ngempela elalela uNkulunkulu. Kuyindlela ekumele iqalwe umntwana esemncane futhi yenziwe ngokuzimisela (13:24; 19:18).

29:18 – “Umbono osobala”. “*Umbono*” lapha ukhuluma ngalowo onikezwa nguNkulunkulu noma isambulo. Ngale kokumemezela nokwazi umyalezo kaNkulunkulu weqiniso abantu abanalo ithemba, ngokuba kuncane okubabambayo ukuba babe yizaphula mthetho. Kepha ekubeni nasekubambeni izwi likaNkulunkulu kunethemba nokuthokoza.

29:19 Inceku ayisolwa ngamazwi, ngokuba noma iqonda ayilaleli.
29:20 Uyabona umuntu oshesha ngamazwi na? Kukhona ithemba ngesiwula kunangaye.
29:21 Inceku ekhuliswa kahle kwasebuntwaneni iyakuba yindodana ekugcineni.

Buka izinsuku azalwa ngazo uSamuweli (1 Sam 3:1), nokunqoba kwesizwe okwalethwa ngukufundisa kwakhe ngokuhamba kwesikhathi.

29:19 – Inceku engathokozile. Lapha kukhulunywa ngaleso sisebenzi esala ukulungiswa okuvela kwabangaphezu kwaso uma kusetshenziswa amazwi kuphela. Yize noma siqonda, kepha akukho ukuphendula okuhambisana nokuqonda. Lapha kusho ukuthi sifuna ukutshelwa ngezindlela ezinye, kungesiwo amazwi kuphela ukuze kuzozwakala kuso. Buka ivesi 21.

29:20 – Ithemba elincane kwabasheshayo. Lapha sibona osheshe akhulume engakezwa noma acabangisise, nohamba ngale kokuboniswa (18:13). Loyo uzibona yena nombono wakhe banele kuzo zonke izimo, ngakho-ke akanathemba loyo “*ohlakaniphile emehlweni akhe*” ku 26:12.

29:21 – Yekela induku, wone isisebenzi. “Ukukhulisa kahle” ngukunakekela nokwenza kahle. Uma

*29:22 Umuntu onolaka uvusa ukuxabana, nomuntu ofuthekayo
uvama ukuphambeka.
29:23 Ukuzidla komuntu kuyamthobisa, kepha onomoya
othobekileyo uyazuza udumo.*

isisebenzi siphethwe kahle kakhulu sinikezwa nenkululeko siyakhohlwa yindawo yaso kanye nemisebenzi yaso sinyukele phezulu. Akusikho nje kuphela ukuthi kubi ukuyekela ukukhuza, kepha kubi ngisho nokuthi siyekele labo engabe siyabakhuza nabo bahlehle. Buka abazali abatotosayo abazoba nabantwana abazokhula bafune okungalungile. Ezisebenzini nendlela yokuziphatha buka ivesi 19; 17:2; 19:10; 30:10, 22-23.

29:22 – Ababi nabahluphayo. Yize noma odiniwe enganendlela yokuchaza ukungasebenzisi kwakhe amazwi ngendlela efanele nokungabuki kahle izimo. Ukuhlakanipha kuyachaza ukuthi ulaka lwakhe lufakazela isono sakhe (ipmakamp, 13:10) nenhliziyo yakhe. Uyindawo yezinkinga ngoba ungowonayo. Buka isahluko 15:18; 28:25.

29:23 – Okunye ngozidlayo nonomoya othobekile. Yize noma impakamo yomuntu imenza azibukele phezulu, ukuzidla kwakhe kuyomehlisa kumbeke phansi, kanti ophansi uyakuphakamela

*29:24 Ohlanganyela nesela uzonda umphefumulo wakhe;
uyezwa isifungo, kepha akasidaluli.*
*29:25 Ukwesaba abantu kubeka ugibe, kepha owethemba
uJehova uyalondeka.*

ekuhlonishweni abengahambi ekufuna. Buka isahluko 16:18-19; 15:33; 16:5; 18:12.

29:24 – Ohlanganyela nababi. Loyo ohlanganyela namasela uzonda umphefumulo wakhe ngokuba ingozi iseduze kakhulu naye ngenxa yahlanganyela nabo. UHhafu wesibili wevesi ulandela encwadini kaLevitikusi 5:1, konqaba ukufakaza amelane nomngane wakhe uma esenkantolo (“oqalekisayo”) ngaphambi komahluleli. Kukhulunywa ngokukhuluma obala noma ukukhaphela. Angeke akhaphela umngani wakhe ngokukhuluma iqiniso. Uba nesandla ecaleni ngokuhamba nababi nokufihla iqiniso.

29:25 – Ukusaba uNkulunkulu kodwa. Igama elihunyushwe “ukuphepha” lingaphinde libe nomqondo “wokuphakanyiswa” noma “okuphezulu”. Ukusaba abantu kuwugibe oluyingozi, yize noma ukwethemba inkosi kukuphephisa kukubeke phezulu (18:10). Buka uMathewu 10:28, “*ningabesabi ababulala umzimba bengenamandla okubulala umphefumulo*”. Ungacabanga ukuthi

29:26 Abaningi bafuna ubuso bombusi, kepha ukwahlulelwa komuntu kuvela kuJehova.

29:27 Umuntu owonakeleyo uyisinengiso kwabalungileyo, noqotho endleleni uyisinengiso komubi.

ukungafuni ukuzifaka enkingeni ngokugwema ukugoba kubantu nokungalikhulumi iqiniso. Kepha ukuhlakanipha kuthi ukwenza njalo ukuzifaka ngqo enkingeni. Lowo osaba abantu akayesabi inkosi esilayayo “*ungesabi, ngokuba mina nginawe, ungapheli amandla, ngokuba mina nginguNkulunkulu wakho*” (u-Isaya 41:10).

29:26 – Inkantolo ephakeme. Yize noma abantu bengavela phakathi komahluleli omkhulu okunguye okhomba indlela, uNkulunkulu ungaphezu kwenkantolo yokugcina ephakeme. Ngisho inhliziyo yenkosi isesandleni sakhe (21:1).

29:27 – Ukucwasa ngokobuhlanga bakamoya. Abalungile nabangayekethisi bayazizonda izindlela zomubi yize noma befisela umphefumulo wakhe insindiso. Ababi bazonda abalungile ngokuba izindlela zabo ziyabamangalela futhi ziyabakhuza. Buka u 28:4 (ubuke okuphawuliwe khona).

“Onke amazwi
kaNkulunkulu acwebile,
uyisihlangu kwabaphephela kuye”

(Izaga 30:5)

Isahluko 30

- 30:1 Amazwi ka-Aguri, indodana ka-Jakhe waseMasa. Yathi indoda ku-Ithiyeli, ko-Ithiyeli no-Ukhali:*
30:2 “Impela ngiyisiwula kunabanye abantu, anginakuqonda komuntu.
30:3 Angifundanga ukuhlakanipha, ukuze ngazi oNgcwele.
30:4 Ngubani owenyukele ezulwini, wabuye wehla na? Ngubani oqoqele umoya ezandleni zakhe na? Ngubani obophile amanzi engutsheni yakhe na? Ngubani omisile yonke imikhawulo yomhlaba na? Ngubani igama lakhe, ngubani igama lendodana yakhe, uma ulazi, na?
-

Isahluko 30 singamazwi ka-Agur ahlanganisiwe.

30:1-3 – Isethulo salendoda.

- Ivesi 1 – Akekho owaziyo ukuthi yayingubani lendoda kanye nabanye ababalulwe kwivesi 1.
- Ivesi 2-3 – Ukuthobeka kuka-Agur. Lendoda yayihluke kekhulu kunalowo ozitshela ukuthi uyazi ebe azi okuncane. Lona umuntu esingathi ngokubheka kwabantu wavuma esidlangalaleni ukungazi, kepha ngale kwalokho, ngenxa yakho, inkosi yabona kukuhle ukuthi ithole indawo yayo phakathi kwabahlakaniphile.

30:4 – Umbuzo. Emazwini uma uqhathanisa umbuzo

30:5 “Onke amazwi kaNkulunkulu acwebile; uyisihlangu kwabaphephela kuye.

30:6 Ungenezeli emazwini akhe, funa akusole, ufunyanwe ungumqambimanga.

onzulu owabuzwa nguJobe kwisahluko 38 sencwadi yakhe, u-Agur uveza indlela afisa ngayo ukubona umdali wakhe (Umshu 12:11). Ekwazi ukungazi kwakhe wayegcwele ukufuna lo ophethe ukuphila.

30:5-6 – Isiphetho. Imiphumela yokufuna kwakhe kwaba ngukuza ezojabulela “*onke amazwi kaNkulunkulu*” njengoNkulunkulu weqiniso.

- Ivesi 5 – “*Onke amazwi kaNkulunkulu acwebile*” Lapha kubukwa amazwi kuphela. Buka ihubo 18:30 lapho kuhlenganiswe khona ukucweba kwamazwi kaNkulunkulu nokuvikela kwakhe. Ukucweba kuveza ukuzimisela nesiqiniseko. Ngakho-ke ukuphepha noma ukukhosela enkosini kungukubambisisa izithembiso zayo ukuthi azinakukhohlakala futhi azisoze zasenzela phansi. Kanti necebo namazwi kaNkulunkulu acwebile futhi asiholela ethembeni eliqinile. Ekucwebeni kwamazwi kaNkulunkulu, buka ihubo 12:6; 19:7-9.

- Ivesi 6 – Unganezeli. Okushiwo lapha

30:7 “Yizinto ezimbili engizicela kuwe: unganginqabeli nazo,
ngingakafi.
30:8 Dedisela kude nami okuyize namanga, unganginiki
ubumpofu nengebo, kepha ngiphe isinkwa
engisimiselweyo,
30:9 funa ngisuthe, ngikuphike ngithi: ‘UJehova ungubani na’ ”
funa ngibe mpofu, ngebe, ngilone igama likaNkulunkulu
wami.

kuyafana namazwi okugcina ebhayibheli
(isambulo 22:18-19) axwayisa abantu
ngokwengeza noma ukususa okuthize ezwini
likaNkulunkulu. Abaningi kwabazidlayo
bahlulekile ukulalela lesexwayiso.

30:7-9 – Izicelo ezimbili.

- Ivesi 8 – Ize noma amanga, ubuphofu noma ingcebo. Kuphela uzoba nalolusuku njengesinkwa sakhe semihla ngemihla.
- Ivesi 9 – Umbuzo wesicelo sesibili. Hlampe incazelo inikeziwe kulokhu ngokuhamba kwesikhathi ngoba kunzima impela ukukuqonda. Ukulunga komuntu kufakazeleka ekutheni akazithembi yena ngokweqile noma aziphilele yena, kepha uncamela okwanele ukuze engeke aholeleke kude nenkosi (yilokho kuphela azikhathaza ngakho). Bheka, isono esinjengokuntshontsha (kungesikho nje ukubanjwa kukho) silimaza

30:10 “Ungahlebi inceku enkosini yayo, funa ikuthuke, ube necala.

30:11 “Kukhona isizukulwane esithuka uyise, esingabusisi unina.

30:12 Kukhona isizukulwane esimhlophe emehlweni aso, esingahlanzwanga ensileni yaso.

30:13 Kukhona isizukulwane yeka ukuzidla kwaso! Nezinkophe zaso ziphakanyisiwe.

igama lenkosi omi kuyo. Buka incwadi kaTimothewu 6:1; uThithu 2:10.

30:10 – Ukuhlonipha okufanayo. Lokhu kubhekiswe komunye oyinceku noma isisebenzi, kuphinde kubhekiswe kwabangaphandle. Asikwazi ukuziba ukungalungi okusobala, siyekele umakhelwane ahlukunyezwe omunye umakhelwane. Asikwazi futhi nokuziba ukulaya kukaNkulunkulu sime nonecala (25:9-10) okokuqala (Math 18:15), singaze nathi sibe namahloni. Kumele kube khona ukuhloniphana okulinganayo kwisisebenzi nomqashi. Thatha izinkathazo zakho uzendlale kwisisebenzi esonile kuqala usinikeze ithuba lokuba sizikhulumele noma siphenduke silungise izinto.

30:11-14 – Isizukulwane esizidlayo.

- Ivesi 11-13 – Ukwahlulela okungaqondile. Ngenkathi singabafuni abazali ebekumele baphathelwe phezulu (Vs 17; Juda 8-9),

30:14 *Kukhona isizukulwane esimazinyo aso ayizinkemba
namazinyo emihlathi angomese bokuqeda abampofu
emhlabeni, nabaswelayo phakathi kwabantu.*
30:15 *“Umnyundu unamadodakazi amabili athi: ‘Siphe, siphe.’
‘Kukhona izinto ezintathu ezingasuthi, nezine ezingasho
ukuthi: ‘Kwanele!’;*

lesizukulwane sizibeka kweyas o indawo
enhliziyweni sazo. Buka ukuziphakamisa
okungafanele bokuba nemibono engemihle
ngokuhlanzekile nokuphezulu
“kulesizukulwane” (6:17).

- Ivesi 14 – Ungaphuthwa ukubona ukwahlulela
kokuziphakamisa nokungalibheki igunya
elibekwe nguNkulunkulu (Vs 11), kulabo
abazithethelelayo, nemibono yokudelela (Vs
12-13), kulabo abanomona, abango gombela
kwesakhe futhi abahlukumeza bonke
ababonwa njengaba ngenamandla (Vs 14).
Izindlela zabo zokuhlukumeza zidlula
ebazalini ziyofika esidlangalaleni.

30:15-16 – Ukuhala okunganeliseki. Isithombe
sokuhala esivela kwivesi 14.

- Ivesi 15 – “*Siphe, siphe*”. Kungenzeka
lamagama “*siphe, siphe*” aqondwe
njengemagama amawele omfula omnandi
noma ohlukana kabili. Ohamba njengabazali

nokulambela abanye, kunikelwa ukuba baphuze.

- Ivesi 16 – Ukuhlakanipha kuchaza umona lapha;
 - Njengongagcwali njengesihogo (u-Izaya 5:14).
 - Njengongenelisekile njengesibeetho soyinyumba (Gen 30:1).
 - Njengolokhu ethathile kuhle komhlabathi owomile ogwinya amanzi amaningi.
 - Njengomlilo oqothulayo. Kufana nokuhala, umlilo awukaze waneliseka. Umlilo ubhebhethaka njalo uma kusakhona izinkuni, kungesikho okuphakathi kuwo, kepha okuseceleni okuwuqhubayo. Lapho kukhona izinkuni, umlilo, njengokuhala uzoqhubeka uvuthe (26:21). Njengobuningi begazi obenza ukuthi kugcwale abalimuncayo ukuze bezokwanda ngokulamba okufunayo.

30:17 *“Iso eliklolodela uyise nelidelela ukulalela unina
liyakukhishwa ngamagwababa angasemfuleni, lidliwe
ngamazinyane okhozi.*
30:18 *“Kukhona izinto ezintathu ezingahlula ngokumangalisa,
yebo, ezine engingazaziyo:*

Akukaze kube yisixazululo esilungile ukondla umona, ngokuba lokhu kubhebhethekisa kakhulu umlilo kunokuba kuwucishe. Ngomgomo ofanayo, akukaze kube yinto enhle ukuzuzisa abadelelayo noma amaphikankani ngokuthi uthambise imngcele, uyekethise kokuhle. Impendulo iyodwa kwabahalayo namaphikankani kanjengesono, kumele ulwe naso usanethuba.

30:17 – Isigcino sokuziphakamisa. “*Ukuzidla... nezinkophe zaso*” (Vs 13) labo abaziphakamisayo, amathuluzi abo “amehlo abo azidlayo” (6:17), ayoguqulwa abe ngukudla kwezinyoni, ebese eshiywa njengodoti emhlabeni. Lapha sicacile isexwayiso sonenhliziy o ephakeme neshayisa ngamahloni. Buka uduteronomi 28:26. Uqhathanise nokuphela okuzayo nokugcwaliseka encwadini isambulo 19:17-21. Buka lapho kwakugxile khona u Agur uqhathainise nokuzibukela phansi kwakhe.

30:19 indlela yokhozi emoyeni, nendlela yenyoka edwaleni,
nendlela yomkhumbi phakathi kolwandle, nendlela yendoda
entombini.
30:20 “Inje indlela yowesifazane ophingayo: uyadla, abesesula
umlomo wakhe, athi: ‘Angenzanga isono.’”

30:18-19 – Izinto ezine “ezihlangula ngokumangalisa”. Kulula njengezinto zokuqala ezintathu ezenzelwe imisebenzi yazo, neyesine iyabalwa. Umsizi ubalulekile kumuntu. Owesilisa unendlela nesifazane, ngokuba babenzelwe ukuba omunye azuze inhliziyi yomunye. Buka kugenesise 2:18 “*umsizi ofana naye*” noma omlungele. Owesilisa nowesifazane bafanelana njengamanzi ahambisa umkhumbi, umkhumbi usebenzisa amanzi, nanjengokuba uheshe lubhabha emoyeni liwenza indlela yalo. Kanjalo nowesifazane wenza indoda iphelele njengokuba umoya wenza kuheshe, nolwandle lwenza emkhumbini.

30:20 – Isiphingi esingenamahloni. Umqondo wokudla uvezwa njengokuhlanganyela kokuthize. Endaweni yophingayo kuchaza ukuhlanganyela kwakhe ekuphingeni. Buka lapho khona kuvela okufanayo kodla “*isinkwa senkohliso*” ku 9:17. Unembeza wakhe ufe ngendlela yokuthi uhlanganyela esonweni sakhe ngokungabi namahloni sengathi umuntu nje ohlanganyela

*30:21 “Phansi kwezinto ezintathu umhlaba uyazamazama,
yebo, phansi kwezine ongezithwale:
30:22 phansi kwenceku ekubekweni kwayo inkosi, nesiwula
uma sisuthile ngokudla,
30:23 naphansi kwesaliwakazi ekuganeni kwaso, nencekukazi
ekulidleni ifa lenkosikazi yayo.*

esidlweni. Futhi njengoba isiphingi sihlanganyela ekuphingeni nasebubini baso sinikeza incazelo, ngokungafuni ukwamukela ububi besono saso.

30:21-23 – Izinto ezine “umhlaba ongezithwale”.

- Ivesi 22 – isisebenzi esibusayo. Sike sawubuka umqondo ofanayo ku 19:10. Hleze kushiwo lesi sisebenzi esikhuphuka ngokuphazima kweso ebese singakwazi ukubhekana nengcindezi yokudlala indima yokuba ngumphathi. Buka u 28:3; 1 Thim.
- Ivesi 22 – Isiwula esisuthi. Isiwula esihlanyiswa ukusutha asisiboni isidingo sokubonga, siphendula nangobuwula uma sisasuthi okwesikhashana, leso sikhashana yiso kuphela isikhathi esinaso ukuba sicabange.
- Ivesi 23 – Owesifazane ongahlakaniphile uyabuyekezwa futhi. Sesibone okuningi ngaye kwizaga. Lesi yisihloko esiyisexwayiso.

30:24 “Kukhona izinto ezine ezincane emhlabeni, kepha zihlakaniphile kakhulu:

30:25 izintuthwane ziyisizwe esingenamandla, kanti ziyalungisa ukudla kwazo ehlobo;

Nabesilisa abangahlakaniphile
ababekezeleleki nabo (1 Sam 25:17, 25).

- Ivesi 23 – Isisebenzi esiyindlalifa. Lokhu kuveza okubi okwehlela loyo owesifazane oyinyumba, noma loyo olahlekelwa ngamadodana akhe, umyeni wakhe kanye nempilo yakhe, kungasekho muntu ongadla ifa lakhe. Buka okwehlela uNawomi.

30:24-28 – Izinto ezine “*kepha zihlakaniphile kakhulu*”. Lapha kuvezwa labo abahamba kalula ngokusebenzisa umqondo kunokuhamba ngeningi.

- Ivesi 25 – Izintuthwane zihlakaniphile ngokukhuthala kwazo, zisebenzisa ithuba lokusebenza ngokuzimisela “*kusemini, buyeza ubusuku*”, *lapho kungesebenze muntu*” (NgokukaJohane 9:4). Kanjalo nathi sinesikhashana empilweni yethu yasemhlabeni ukuba sisebenzele inkosi, sizibekele ingcebo yethu ezulwini.
- Ivesi 26 – Izimbila (nezilwanyana) zinemizimba

30:26 izimbila ziyisizwe esibuthakathaka, kanti ziyakha izindlu zazo edwaleni;
 30:27 izinkumbi azinankosi, kanti ziyaphuma zonke ngamaviyo;
 30:28 isibankwa ungasibamba ngezandla zombili, kanti sisendlini yenkosi.

ethambila kepha ziveza ukuhlakanipha ngokusebenzisa amandla amtshe njengendawo yazo yokucasha (amahubo 104:18). Kanjalo nathi singabahlakaniphile uma sibona ububi obuzayo sithole umbhoshongo edwaleni eliqinile elinguKristu.

- Ivesi 27 – Izinkumbi zihamba zinqoba ngokusebenzisa umgomo omudala wokusebenza ndawonye ngokuhlanganyela, ngale komholi. Buka ukuchazwa kwesikhonyane esasifohla encwadini kaJoweli 2:7. Ngakho nathi kumele sibe matasa ngendima yethu emsebenzini wenkosi wokufohla ngeqiniso kulomhlaba. Njengezinkumbi eziningi ukuvimba usathane ekuzuzeni.
- Ivesi 28 – Izibankwa ziyakwazi ukuhlonishwa kokuhlala endlini yamakhosi. Kanjalo nathi sibancane, singeyilutho phambi kukaNkulunkulu, kepha ukwamukela uKristu kusenza sibe ngabendlu yenkosi yamakhosi.

30:29 “Kukhona izinto ezintathu ezinyathela ngesizotha, yebo,
ezine ezihamba ngesithunzi:
30:30 ingonyama, iqhawe ezilwaneni; ayihlehli nakusiphi;
30:31 nehhashi lempi kanye nempongo, nenkosi phambi
kwempi yayo.
30:32 “Uma wenzile ubuwula ngokuziphakamisa, wacabanga
okubi, beka isandla emlonyeni wakho.
30:33 Ngokuba ukuphehla ubisi kuveza iphehlwa,
nokucindezelwa kwempumulo kuveza igazi; kanjalo
ukucindezela ulaka kuveza ukuxabana.”

30:29-31 – Izinto ezine “ezihamba ngesithunzi”. Lapha kunezinto ezincomekayo neziphakeme, noma zibhekana nokuxakazeka, ezingesabi lutho. Yize noma umntwana kaNkulunkulu ebhekana nalokhu okulethwa yimpilo ngendlela enesizotha, ukuma wazi ukuthi akukho ongakwesaba uma wesaba uNkulunkulu. Buka isahluko 29:25.

30:32-33 – Hamba ngokuqaphela. Umqondo lapha ufana nokaKristu ebala inani ngaphambi kokungena empini (ngokukaLuka 14:31-33). Uma ngabe ukhulumile noma uziphakamisile ngendlela yobuwula, beka isandla sakho emlonyeni wakho kungaze kunyuke ukuxabana. Ngokuba uma uthatha ngendluzula ubisi ulivula, uzothola imiphumela ongazimisele ngayo (ibhotela negazi), ngakho uma uqhubeka ngokuchukuluza abanye, ulaka lwabo luzoqhumela ebusweni bakho.

Isahluko 31

31:1 Amazwi kaLemuweli, inkosi yaseMasa, awafundiswa ngunina.

31:2 “Yini, ndodana yami, yini, ndodana yesizalo sami, yini, ndodana yezithembiso zami, na?”

31:3 Unganiki abesifazane amandla akho, nezindlela zakho kwababhuhisa amakhosi.

31:4 “Akusikho okwamakhosi, Lemuweli, akusikho okwamakhosi ukuphuza iwayini, nokwababusi ukufisa uphuzo olunamandla,

31:1-2 – Isingeniso kumama wenkosi uLemuweli. Lenkosi uLemuweli ikhuluma ngesiphrofetho eyasifundiswa umama wayo owayefisa ukuba icabangisise uma kuza ngasekubhekakeni nabanye abantu (Vs 4-9), kanye nabesifazane (Vs 3, 10-31). Izaga zivela ikakhulu njengobaba obeka ukuhlakanipha phambi kwendodana yakhe, kepha lencwadi iphela ngomama. Lapha sithola izifundiso zomama wenkosi efundisa indodana yakhe ukuhlukanisa, eyivezela ukuba ibhekeni kowesifazane noma unkosikazi, okungokwenza nangokukhuluma. Kungabe usuwenzele yini amadodana akho lokhu? Buka u 23:26.

31:4-9 – Ukuhlukanisa enkantolo.

- Ivesi 4-5 – Njengabaholi, nabaholi bakamoya.

- 31:5 funa baphuze, bakhohlwe izimiso, baguqule ukwahlulelwa kwabantwana bokuhlupheka.
- 31:6 Mnike obhubhayo uphuzo olunamandla nomunyu enhliziyweni iwayini.
- 31:7 Makaphuze akhohlwe ubumpofu bakhe, angabe esakhumbula usizi lwakhe.
- 31:8 “Sivulele isimungulu umlomo wakho, u mele bonke abantwana abayizintandane.
- 31:9 Vula umlomo wakho, wahlulele ngokulunga, u mele abahluphekayo nabampofu.”
-

Akulungile ukuvumela ukukwazi ukuhlukanisa kwakho kufiphazwe nanoma ngayiphi indlela. Ukuhlukanipha kuke kwachaza esikhathini esedlule ukuthi kungukudunyiswa kwabadala ukuhlukanisa iqiniso ngokungena kokubuka njengovikela ukuhlonishwa (25:2). Buka incwadi 1 kwabaseKorinte 14:32, “*imimoya yabaphrofethi ithobela abaphrofethi*”. Buka incwadi 1 Thim 3:3, 8: Thi 1:7.

- Ivesi 6-7 – Isiphuzo nokudakwa kukwenza ukhohlwe.
- Ivesi 8-9 – Khulumela labo abangazwakali, ungavumeli kungabikho ubulungiswa. Buka umqondo ofanayo ku 24:11-12.

31:3, 10-31 – Ukuhlukanisa kowesifazane.

- Ivesi 3 – Ukuhlanganyela ekungaziphathini

*31:10 Ngubani ongathola umfazi okhuthuleyo na? Ngokuba inani lakhe lidlula kakhulu amarubi.**
31:11 Inhliziyo yendoda yakhe iyethemba kuye; ayiyikuswela inzuzo.
31:12 Uyayenzela okuhle, kungabi ngokubi, zonke izinsuku zokuphila kwakhe.

kahle kufana nokunikela amandla akho kowesifazane. Buka u 5:9, 11; 6:26; 7:26.

- Ivesi 10-31 – Lapha sibona ivesi eliyinkondlo emnandi. Njengokuba kuvelile kwisingenisiso, lonke ivesi kusukela kwelika 10 kuya ku 31 liqala ngohlamvu lwesiHebheru. Lapho sithola ama ABC owesifazane ohlakaniphile.
 - Ivesi 10 – Inani lakhe. Inkosi isebenzisa ukuqhathanisa okufanayo nokungabi nanani kokuhlakanipha (3:15; 8:11).
 - Ivesi 10 – Amandla akhe. Futhi “*okhuthuleyo*”, leligama linempande yalo kumandla nasekukwazini ukwenza. Lona leligama kwisiHebheru lichaza owesifazane onesibindi njengalowo “onamandla, iqhawe elinamandla”. Buka ukugxila kokuphindaphindiwe kwivesi 17&25. Lapha kukhulunywa ngesimilo sakhe, isimo sakhe kanye nakwezomoya. Ezivuka kuhambo

31:13 Ufuna uboya bezimvu nefilakisi;* usebenza ngezandla ezivumayo.
 31:14 Unjengemikhumbi yabathengi; ulanda kude ukudla kwakhe.
 31:15 Uyavuka kuse sebusuku, aphe abendlu yakhe ukudla namantombazana akhe imisebenzi yawo.
 31:16 Ucabanga ngensimu, ayithenge; ngesithelo sezandla zakhe utshala isivini,
 31:17 Uyabhinca okhalweni amandla; uyaqinisa izingalo zakhe.
 31:18 Uyabona ukuthi ukuphatha kwakhe kunenzuzo; isibani sakhe asicimeki nasebusuku.
 31:19 Uyabeka izandla zakhe othini lokuphatha izintambo, neminwe yakhe ibamba insimbi.

Iwakhe noNkulunkulu (Vs 30). Futhi uhlakaniphele ukwakha ikhaya lakhe kunokuba alibhidlize (14:1).

- Ivesi 11-12 – Ukuthembeka kwakhe. Umyeni wakhe “angathembela kuye” ngokuba uhlezi ezimisele “ukwenza okuhle kuye, kungesikho okubi”. Yize noma ewusomabhizinisi, umyeni wakhe akazizwa njengophansi, ngokuba akasiye untandoyakhe.
- Ivesi 13-25 – Umsebenzi wakhe. Lona akusiyena oswele uma kuza ngesemsebenzini (Vs 13, “ngokuzimisela”. Buka kwabase-Efesu 6:5-8; KwabaseKolose 3:22-23. Ngezindlela ezahlukenene ezibalulwe lapha, akavumeli inhliziyo yakhe isuke

31:20 Ohluphekayo uyamvulela isandla sakhe, yebo, uzelulela abampofu izandla zakhe.
 31:21 Akesatshiswa ngabendlu yakhe ngungqoqwane; ngokuba bonke abendlu yakhe bembathiswa okubomvu.
 31:22 Uyazenzela izindwangu ezimbozayo; izambatho zakhe ziyilineni elicolekileyo nokububende.
 31:23 Indoda yakhe iyaziwa emasangweni, laphe ihlezi namalunga ezwe.
 31:24 Wenza izingubo zelineni, athengise ngazo, anikele kubathengi amabhande.*
 31:25 Amandla nesithunzi kungukwembatha kwakhe; uhleka usuku oluzayo.

kokwasekhaya nomuzi wakhe (Vs 27), akasiye futhi umuntu obandayo. Buka ukuhola kwenkosi kowesifazane ohlala anakekele ikhaya kuThithu 2:4-5, “ugcina ikhaya” (1 Thim 5:14). Lesi akusiso isithombe senyoni esheshayo, ngokuba uzimisela ngokukhuthala, engajahile (21:5) Inani lakhe alinakubalwa, unomusa nesidima esisibona ku 1 Pet 3:4. Buka no 11:16.

- Ivesi 20 – Ukukhululeka kwakhe. Ukumethemba komyeni wakhe kwenza amuvumele ukuba akwazi ukuzenzela imali yakhe.

Ivesi 26 – Ukukhuluma kwakhe. Evesini elilodwa kulenkondlo kukhulunywa ngokukhuluma kwakhe (kuveza ukuthi

owesifazane angayiphila kanjani lempilo yokuba ngowesifazane onamandla; kepha “*abamethembayo uJehova bayathola amandla amasha, bayakhuphuka ngamaphiko njengezinkozi, bagijime bangakhathali, bahambe bengapheli amandla*”.

Iculo likaSolomoni lokuhlakanipha ligcwalise umhlaba laphilisa abantu, lanyukela phezulu ezulwini, layovakashela namasango esihogo. Kephha uvala ngakho lokhu aqale ngakho – Ukwesaba uNkulunkulu. Buka u 1:7 no 31:30.

.....

Amaphuzu okudlinza

Ukukhetha kabi owesifazane;

9:13 – Oyisithutha nonomsindo.

11:22 – Ongenangqondo.

12:4 – “*kepha ohlazisayo*.”

14:1 – “*Oyisiwula*” odiliza indlu yakhe.

19:13 – Onokuxabana.

21:9 – oxabanayo adinwe.

25:24 – Oxabanayo.

27:15-16 – Oxabanayo.

Ukukhetha kahle owesifazane.

11:16 – Owesifazane onomusa onakekela umuzi

wakhe.

12:4 – Umqhele wokukhuthala.

14:1 – Owesifazane ohlakaniphile owakha indlu yakhe.

18:22 – Ukuthola okuhle nomusa enkosini.

19:14 – Umklomelo omuhle ovela enkosini.

31:10-31 – Uzimisela ngokuhle.

